


# BAXOXELE



o Tchaka

J. STUART


3/-

African Studies Seminar

No. 44296 Class BAA 196 3712406  
STU



© G. R. S. LTD. C.T. SM/2/45 (RED.) NO. 4503



*Lo mfanekiso u'õntiwa u-G. F. Angae.)  
UMPANDE.*

"uMsimude! O wa vela nge-siluba,  
Pakati kwa maNgisi na maQadasi."

# U BAXOXELE

(Incwadi ye zindaba za Bantu ba kwa Zulu, na ba seNatala)

I BUTWE, YA HLELWA

NGU

J. STUART

o wake wa Assist. Secy. Native Affairs, Natal; uMahlalesibhlaiweni,  
Zulu Orthography Conference, 1905-1907; Umlobi we  
History, Zulu Rebellion, 1906,—kanye no Tulasiwe, no Hlangakula  
(amabuk' a lotshwe nge siZulu)

"Ujimi lwe sizwe lu igug' elikulu, ne qol' elikulu, ku sona leso  
sizwe e si lu kulumayo, ne si ngabamikazilo. isiZulu-ke,  
iyona-nto e ngapezu kwako konk' okwetu e si sa sele nako,  
tina ba kwa Zulu; ne si ngeyokucina ngei. Si ifa letu."

I ne mifanekiso e itshumi na shiyangalombili, kanye ne-map eyodwa.

LONGMANS, GREEN AND CO  
39 PATERNOSTER ROW, LONDON, E.C.4

NEW YORK, TORONTO  
BOMBAY, CALCUTTA AND MADRAS

1924

*All rights reserved*

## UKUCAZA

Ukuti: '(hard breathing), ku lingene no kungenis<sup>2</sup> u-h.

ISIBONISELO: *M' beke, angab' e sa buyel' emuva.* Lapa-ke, uhlamvu lokuti 'beke, lu lingene nokuti, bheke.

Ziye zi be kona fut' izindawan' ezinye, la ku nga tshetshi ku bonakal' ukub' izwi ellotshiweyo li-tini; njenga nxa ku nje: *Lo-ke inyanga ye zulu ne yo kuelapa futi;* *uSomsewu o-l' u-ze ku mntanake;* *u yo-l' u-ya ngapi na?* Ukuba ku cace masinyane, ku lotshwa kanje: *Lo-ke, inyangu ye zulu, ne yo kuelapa futi;* *uSomsewu o-l' u-ze ku mntanake;* *u yo-l' u-ya ngapi na?*

Ukuti: '(soft-breathing), ku lingene nokuti u-h kako.

ISIBONISELO: *'Beka pansi;* *u-h ke-zwakali-ke ku beka.*

Ukuti: ^ (circumflex), ku lingene nokuti ku kon' igama, ingabe mibili, matatu, a nga pumelanga.

ISIBONISELO: *inkomo;* loku-ke ku lingene nokuti, *izinkomo.*

Ukuti: - nokuti ^ ku lingene nokuti: kude; kufutshane.

ISIBONISELO: *uTshaka wā ta' igazi le nkomo wā li tel' emnyang' esigodhlweni sake.* Owakuqal' u-wa mude; oyesibili u mftshane.

Ukuti: *ib., ibid. (ibidem)*, kuti "iyo leyo ndawo eke ya patwa."

Ukuti: = ku-tsh' ukulingana, ukub' okunye ku lingene no kunye.

B. kuti 'Beka.'

k. . . kasi; kk. kuti makasi.

c. . . ukucaza (note).

## ISAZISO

ISU LO KULOBA la lel' ibuku, li suk' emtetwen' omkulu o wa menyezelwa Umhlangano wa beLungu na Bant' abafundile, a bā ketw' izwe lonke, o wa qal' eTekwini ngo 1905, wa u-su-ya eMgungundhlovu ngo 1906, waze wa gein' eTekwini ngo 1907. Lowo mteto-ke, wā qamb' ukuloba o ku fuz' o kwe zizwe zonk' ezikanyisisiweyo, u ku qamba nge-zwi lokuti: Ukulotshwa kwe siZulu, ma ku qondane ne zinhlamvu zo kukulumfa, z'ime z'ahlukene nge zinhlobonhlobo zazo (*the different 'parts of speech' should be written separately*), zingabe iloku zi banqaniswa ndawonye, ngapandhle kwo mtet' oqinile, sengati kw-enzelw' uku-tikimez' abantu; ba be ya fund' indaba—ne y-eluleleke kancane nje—ku ba kataze, ku b'enqenise, ku ba libazise.

O se jwayel' uku-funda (*read*) nge-su lo kuloba e li sezinewadini e zi njenga le, si-ti, nxa si zi cabangela, u yo del' ukuti ukulob' okunje ku cacile, ku ncibilikile, futi umuntu *ku ya m pangisela*—a tshetsh' a bone ukuba ku-tiwani. umLungu, ko kwak' ukuloba, u gjimis' o kwe ntenetsha—njalo; abansundu bona, ko kwakubo, na namhlanje loko, ba sa libel' uku-nyateli's o kwo nwabu. Urukanya ku tolwa nga majubane kupela. Ku fana na la ku-liwayo. O na matizetize u y'ahlulwa.

Lel' ibuku li kanye no *Tulasizwe no Hlangakula*; izindaba zalo ku se izo e zo hlanga njalo, ngob' inDhl' eMnyama, njenge zinhlobo zonk' ezinye, i nambit' ezakubo, kakul' ezindala.

Umunt' a nga sitelwa belu izwana (maqondana ne zibongo) e li sekupeleni ku ka kasi 6; a 'beke futi *Ukucaza*, ku kasi 4.

# LEL' IBUKU LI PET' EZOKUTI:

Sifundo	Kasi	Sifundo	Kasi
1. Ukufa ku ka Dingana, no kungema ku ka Mpande	7	26. uTifokati, inkosazan' e y'endisew' uSomsewu	160
2. Ukupatwa kwe Zulu . . .	11	27. <i>Izibongo zi ka Mnkabaji ka Jama</i> . . .	165
3. uDingiswayo ka Jobe, wa kwa Mtetwa, I . . .	14	28. Ukwakiwa kwe-ndilu . . .	167
4. uDingiswayo ka Jobe, wa kwa Mtetwa, II . . .	25	29. Ukbuyiswa kwa madhlazi . . .	170
5. uDingiswayo ka Jobe, wa kwa Mtetwa, III . . .	33	30. Ukubanga kwa makos' a pansi, uTshaka no Dingana . . .	175
6. <i>Izibongo zi ka Dingiswayo</i>	42	31. Ukufa ku ka Mpande . . .	179
7. Ukulobola	44	32. <i>Izibongo zi ka Mpande</i> , III.*	181
8. <i>Izibongo zi ka Senzangakona</i> , I . . .	55	33. "Umbeki we nkosi ka busi nayo" . . .	184
9. uTshaka—I. Ukuzalwka kwake . . .	59	34. Iziga, I . . .	186
10. uTshaka—II. E se ngumfana . . .	68	35. Udadewab' uZihlandhlo w-aliwa uZombane; uzwani lu ka Papu . . .	187
11. uTshaka—III. E kwa Mte-twa	73	36. <i>Izibongo ze induna</i> . (a) uMdhlaka ka Ncidi . . .	191
12. <i>Izibongo zi ka Tshaka</i> , III.* . . .	81	37. <i>Izibongo ze induna</i> . (b) uNdhlela ka Sompisi . . .	192
13. Amaqaw' amakul' a kwa Zulu; uZulu ka Nogandaya, I . . .	85	38. <i>Izibongo ze induna</i> . (c) uMasipula ka Mamba . . .	194
14. Amaqaw' amakul' a kwa Zulu; uZulu ka Nogandaya, II . . .	94	39. <i>Izibongo ze induna</i> . (d) uMngamana ka Ngengelele . . .	195
15. <i>Izibongo zi ka Zulu ka Nogandaya</i> . . .	101	40. Mhlazana kw-akiwa uTul-wana eMabedhlana . . .	197
16. Ukuutung' izicoco . . .	104	41. Ukuza ku ka Hamu . . .	200
17. <i>Izibongo zi ka Ngengenele ka Mvuyana</i> . . .	108	42. <i>Izibongo zi ka Cetswayo</i> , III.* . . .	204
18. Impi ya kwa Mzilikazi, ka Dingana, I . . .	110	43. Iziga, II . . .	207
19. Impi ya kwa Mzilikazi, ka Dingana, II . . .	117	44. Umbango wo muzi ka Masipula . . .	208
20. <i>Izibongo zi ka Dingana</i> , III.* . . .	122	45. Ukuzalwka ku ka Dinuzulu . . .	209
21. Ukuham' olwandile, I . . .	125	46. <i>Izibongo zi ka Dinuzulu</i> , III.* . . .	210
22. Ukuham' olwandile, II . . .	137	47. Umbango ka Qetuka no Mpeyana . . .	214
23. Ukuham' olwandile, III . . .	148	48. <i>Izibongo zi ka Solomoni</i> , II.* . . .	217
24. <i>Izibongo zi ka Solobe ka Mpangalala</i> . . .	154	49. uMpande u qamb'umuzi ka Noradu . . .	220
25. Ukusikiswa kwo mllobokazi . . .	158	50. Ukumiswa kwe nkosikazi kwa Nyuswa . . .	222

\*Loku kuti les' izibongo zi landel' ezakuqala; zi xumelelone nazo. Ezakuqala-ke, zi kn *Tulasizwe* no *Hlangakula*, amabuk' i kanye na leli.

# UBAXOXELE

## 1

### UKUFA KU KA DINGANA, NO KUNGENA KU KA MPAND' EBUKOSINI<sup>1</sup>

uDINGANA, ute e se yo-fela kwa Nyawo, wa ye suswa uMpande ko Xwana (ka Ngengenele, wa kwa Butelezi), e m susa ngoba ku fik' uNdhlela, a-t' impi u y'enze kabi; ku-f' oNozitshada<sup>2</sup> ka Maqoboza, ba bulewe aMagovu a seMlambongwenya, kanye ne Zimpohlo.

Se ku ukufa ku ka Ndhlela, ukuti: "Usubuy' u-tsho njalo na? Ingani isilimana sako, o wa-ti si no meoboko; a si se kw-enza luto na?" So ku ukufa kwake-ke. "A ba m hlabi nge mkonto na? Ngi ngen' eNkosini, ukuti ba sa m buka na?" Izwi le Nkosi lo kufuteka. Se be m tela nge tala le mkonto;<sup>3</sup> u se-f' uNdhlela.

U se yi paka-ke uDingana. U se-ti: "Itunga ka li gewali ini ngo mpehlua na? Ni-ti ngoze ngahlulwe ivukana<sup>4</sup> na?" U se-ti: "Ni nga bon' amahashi-ke,

<sup>1</sup> Le ndaba, umunt' a ngat' i pind' amazwi a ku *Tulasizwe*, kk. 83-88. Kanti, ca! Zahlukene. Sa zi xoxelwa amadod' amabili Eny' indaba y-engezelu kw-enye.

<sup>2</sup> B. ku *Hlangakula*, kk. 36-42.

<sup>3</sup> Ku *Tulasizwe*, k. 85, ku-tiwa wā bulawa ngo kubotshwa nge ntamb' entanyeni. O kwe qiniso, si-ti ik' o kwe tala le mkonto, ngoba naku u bulawel' endhle, empini.

<sup>4</sup> Inkunzana.

á yo kumuk' impi yami, i-ze kimi." U-tsho ko Xwana-ke njalo. Bala-ke, se be wa bon' amahashi. I si kumuka, i si banga kon' eNkosini. Isifik' i-ti: "Baba, se si bon' injomane,<sup>1</sup> njenge-zwi le Nkosi."

U se-ti a yi dhlule; i-ye kwa Nyawo.<sup>2</sup> Se si bopa-ke njal' isigodhlo; se zi sal' izinto ze Nkosi. Se zi sala kona ko Xwana. Se ku-tiwa ka zi bonise uXwana. Le, e ka Mpande, i si tshay' ingomane, ub' i bi bona be kumuka. I siti, pela, i ya baleka; kant' i ya kumuka. I si hamba-ke, i hamba nay' uDingana; i qonda kwa Nyawo.

Ngo kufika kwayo kwa Nyawo, sekufika ku catshwa; kw-akiw' umuzi. Loku pela, ku hanjwa njalo, ku qutshw' izinkomo. U su wakiw' umuzi; u suti du. So ku bizw' amaSwazi-ke; ku-tiwa a sondele. Se ku hlatschw' izinkomo. A se nikelw' inyama; e xotsh' inyama. So ku betelw' izihlangu. Izinkomo zi hlatschw' amakul' amatatu. So kw-akiwa njalo, kw-akiw' umuzi; kw-akiw' amadhlangala.

Ngo kupela kwo muzi, i si-t' iNkosi a ku landw' izinto zayo ko Xwana. A se hamba-k' amabuto, e se land' izinto ze Nkosi, e za sala ko Xwana. E hambile-k' amabuto, se ku sikelw' amaSwaz' izihlangu; u se-t' u wa tole, ibuto lake. E hambile-k' amabuto, a land' izinto, kwa sal' iZitoyatoyi.<sup>3</sup>

Sekut' ebusuku, a se hlom' amaSwazi; a se hlanganis'

<sup>1</sup> Ba-tsh' amahashi.

<sup>2</sup> Pezul' oBonjeni, ngapetsheya kwo Pongolo; kwa Hlatikulu (ihlati elifti a li be ngang' e la seNkandhla).

<sup>3</sup> Ibandhla le Nkosi, le zincetu, e li nge mzila (loko-ke kuti,—e li nge buto; ku ibandhla nje, e li hlala ne Nkosi njalo).

Ku kon' istibongo si ka Dingana, sokuti: "uNjunju we Zitolatoli."

Ukut' "iZitoyatoyi" loku, sengati ku suka ku Dingan' uqobo lwake, ngora wa ye tefula.

Abanye ba-ti no Ndabekulu (ibuto li ka Tshaka) wa ye nayo iNkos' oBonjeni.

umuzi. Nay' uDingana u se-zw' indumo nje; u se tat' izikali zake, u se pumela pandhle. Ngo kupumela kwake pandhle; a se m ciba ngo-ti<sup>1</sup> amaSwazi. I si ya ngen' endhlini. Se ku dum' isigodhlo; se si kala. Se zi hloma-ke iZitoyatoyi. I si hlangana na maSwazi, kon' ukutata kwo kusa. iZitoyatoyi se zi sus' amaSwazi: zi wa tel'ehlatini.

Se zi ya buya-ke, uba zi wa tel' ehlatin' amaSwazi. Zi ya fik' ekaya lapa, kant' isigodhlo, (si kala nje), i si limel' iNkosi. Sebefike ba yi pons' etangeni ngo mkontshwana wabo o ihemana,—o mhlope nganxanye, o mnyama nganxanye. So ku-sa-ke, juqu-ke. So iloku igaz' eNkosini li 'beke pezulu. I si gezwa zincetu, oNdikili ka 'Cilo. Se ku ilok' igazi li nga vumi; kwa iloku li qongile (ilohle la pupuma njalo). Se ku ya-sa-ke. Sekuze ku fudumal' ilanga, be geza njalo; ku nga vumi. Sekuze kut' emini, i ya gqabuka-ke.<sup>2</sup>

Ngo kuggabuka kwayo, se ba ye-mba-ke. Ba ya yi lahla, uba ba li qed' igodi. Se be li qed' emini ya ntambam' igodi. Seliti li ya u'tshona, liti 'ggabe' ilanga, se be yi fak' iNkos egodini. Se be-ti-ke: "A wu buy' umuzi we Nkosi." Ba kumbul' uMpande. "Si se zo kw-enze njani na? Loku be ku bangwa tina bantu na?" Se be ya si quba-ke njal' isigodhlo; se si bopa-ke.

Sekuba, "O zi pangela umfazi, u ya zi pangela!" Abantu kađe be vinjelwe. Se be bon' ukut' isigodhlo si sel'obala. Se be si tapuza, be si tapuza.<sup>3</sup> Se si dilikela ku Mapita ka Sojiyisa, ub' uMapita e ngumfowabo we Nkosi. No Mapita usefik' e ket' esake; e ket' a ba

<sup>1</sup> Uku-oiba ngo-ti, a ku siko uku-cib' uti lo mkonto ledwa; ku-tshi' umkont' u pela.

<sup>2</sup> Abanye ba-t' iNkosi ya gul' amalang' amabili, ya-fa nge lesitatu.

<sup>3</sup> Ukuuba se be si pata, be si bamba, nge zandhla.

tandayo. U se-t' a ku dilik' abantu bake; nabo ba zi ketele. U se-ti: "A si sa biyelwe nga mxele<sup>1</sup> namuhla!"

So ku dhlulwa-ke; se ku hanjwa. So ku dhlul' inhekezelə,<sup>2</sup> e si-ya ku Mpande. U se wu kete wonk' umketo<sup>3</sup> uMapita. Se be fika-ke ku Mpande. Ba fika nazo izinceku zi ka Dingana; ne-mpi ka Dingana. Se be ba zoloba-ke,<sup>4</sup> lab'a ba ko Mpande. Se be-ti: "Na buya, pela, na?" Se be-ti: "Nank' uMdidi ka Ndhlela!"

U se kuza-k' uMpande,—"Ku-tsho bani ukut' uNdhlela ka ku menyewze ngaye na? Ngi kona nje kanti, ngi kona ngō ba? Anti ngi kona ngo Ndhlela na? O w'ala se ngi zo bulawa na? Wa-t' iNkosi ingaz' i nak' into le ya semsizini na? E se ya-fa umcoboko<sup>5</sup> na?..."

Wa ye se-t' uMpande, a zi sondele zonk' izintandane zi ka Ndhlela. Kwase ku butw' izinkomo. Se zi ba icibi nje; zi géwal' isigodi. Seziti-ke, ukuba zi gewal' isigodi, u se-ti: "A ku-ze ne sa beletiweyo ingan' emblane." Se be fika-ke, a ba kwa Ndhlela, bonke.

Sekut' abadala abakulu, se be nikw' amatshum' amunwopakati;<sup>6</sup> abancane, se be nikw' amatshum' amane, na matatu. (Ku nikw' izingane za balisa.) U

<sup>1</sup> Utango lwe sigodhlo lwa lu biywa ngaw' umxele lo; wa wu landwa amabuto,—kude.

<sup>2</sup> Isinqamu; inxenyē.

<sup>3</sup> Abahie.

<sup>4</sup> Be ba tela nge siro.

<sup>5</sup> Umzimb' omubi; lap' umunt' e se vuvuke kona.

Nga leyo nkati, uMpande wa y'ak' eNtolwane, enhla na Madungela, pansi ku ka "Komo (intaba); umunt' ut' e seNtolwane, (e yi fulatele), e be buk' uKomo ngapambili. Abantwana be Nkosi bā zalelwa kona bonke, eMpenjaneni, umuzi wake; ilapa futi kwa fika kon' eNxagwana no Matunjana, be tunywa uDingana, be zo m' yenga nge kulu le zitole. (B. ku Hlangakula, k. 39.)

<sup>6</sup> Ashiyagalombili.

se-ti: "Hambani-ke, ni yo kw-ondhl' izintandane zi ka Ndhlela nga lezo nkomo." Se be buya-k' oGodide; uba ba nikw' izinkomo, emakaya-ke.

Se ku buy' uGodide no Mbhandamana. Se be ya bonga-k' eNkosini. Sebeti be yo bonga, isifik' i ba nqumela fut' izinkomo. I si-ti-ke: "Godide, wena u kw-enze ngani ub' u tat' umnta ka Manqondo, ku ilapa ngisati ngi ya m etembela na? Angiti lez' izinkomo nga ngi-ti a zi yo kw-ondhl' abanta ba ka Ndhlela na? Hamba-ke, u yo lobol' umnta ka Manqondo nga lezi e ngi ku nika zona namuhla." (Loku, umnta ka Manqondo, u m' apuc' uNoradu, e mu-sa ku Msiyana ka Mhlāna. I ya hlubuk' intombazan' ebusuku. I kumbul' uGodide. I bi si-ya ku Msiyana njalo, ukub' oGodide be nge na nkomo, be buya ku Dingana. Loku nans' ibisat' i ba pembel' izinkomo.)

I-t' iNkosi: "Kuhl' u mu-ti, umnta ka Manqondo,"—i-tsho njal' iNkosi, i pakamisé iminw' emtatu, ukub' i-ti, a ku be amatshum' amatatu. Nembala-ke, uGodide u se w'enza lawo matshumi.

## 2

NAMHLANJE, izinyanga ziye zi hlom' izinti esalen, ku-tiwe izikonkwane ze zulu. Zi ba ntatu kwe-ny' indhlu. Zize zi qed' umuzi zi ntatu. Kw-enzelw' ukuba, kuyoti ku-z' izulu, bese ku kitshw' abafana bo kw-alus' izulu; ba kitshwe umunt' o sekaya, indoda; noma ku umfazi nje nxa indod' i ngeko. "Abafana" laba, izinti, e zi ruqwe ngo muti; umuti lowo wā xutshwa ne bomvu. Se zi ba bomvu.

"Abafana" laba, omunye u yo hlonywa pezu kwo mnyango; omunye a hlonywe pezu kwo findo; omunye a hlonyw' esiminini esinganhlanje; omunye a hlonyw' esiminini esinganhlanje futi—ezininini zozibili. Loko kw-enzelw' izulu, ukuba li nge-zi lap' ekaya. Ngoba, noma ku betelwe, uma be nga kitshw' "abafana," li zo ba funa; li-we lap' ekaya. Ba ical' impela.

Ngob' o li patayo,<sup>1</sup> um' e ngek' ekaya, ku kitshw' isiqqiki sake,<sup>2</sup> si bekwe pandhle, lap' ebaleni. Ngoba naye, um' e kona, ka hla'l' endhlini. Kona se li fikile, li libi, li duma, li-wis' amatshe,—u pandhle lapaya emnyango. U se yedwa nje. Ka sa pum' omuny' umuntu, o nga li pati. Uye yedwa nje. U ya li cinsa; u ya li kwifa. U-ti a li hambe, a li-y' elwandhle. U-ti: "A li hambe! A li hambe! Li-y' elwandhle!" Kuyoti, li nga-sa-ke, li hambe, a buye. Ku be ikon' e se-z' endhlini ku bantu.<sup>3</sup>

Endhlini kwake, a ku valiwe. Nas' ebusuku, a ku valiwe (uma li duma). U pum' e nqunu; e ng'embete futi. Luko-ke, kw-enziwa yonk' indawo kwa Zulu, na

<sup>1</sup> O'palusayo.

<sup>2</sup> Ingabe ingubo yake.

<sup>3</sup> La mazwi akad' e landwa, si wa gewalisa nga la, a ye kahunywa uMpengula Mbanda, wa semaPepteni, ngo 1879:

"Um' izulu li duma, li qinisile, inyanga i qala ngo kunyakama, ukuba i-hlwe mayo, njenge zulu li hloma. Um' abantu be kon' endhlini, nom' i nga ka pumi; um' abantu be kuluma ngo kuxokozela, i ya ba tiba, ngokuti: 'Tulanzi, niti nya!' Ngokuba i-ti nayo inhlizyo yayo i si futuzele, njengaloku nalo li-za ngamandhla. A ibe i sa tand' ukuba ku kulum' omuny' umuntu, iyo yodwa kuperla e kulumayo ngokumemeza.

"Futi, um' u hamba nayo endhleleni, izulu la ni kandamisa ni se kude ne mizi, nom' ub' u hamba pambil, yon' i semuva, i ya ku-tsho kuwe, ukuti: 'Dhlula, u hambe pambil,' yon' i hamb' emuva, kude nawe; ngokub' iti, um' u hamba emuva kwayo, u ya ku-zuz' ingozi ngob' izulu li-ti u ya yi bulala. Inyanga i ku dhlnilise, u hambe pambil, nize ni fik' ekaya."

Callaway: *Religious System of the amaZulu*, k. 378.

seSilungwini (eNatala). Uma li pikelele, li duma kuze ku-se, u pandhle njalo; a na ku-buyel' endhlini. Lo-ke, inyanga ye zulu, ne yo kwelapa futi. Na lapa li-we kona, ku zo bizwa yena, a yo kw-elapa; a potule. Umnimuzi a m nik' inkomo nge langa. Bese ku pela-ke.

Eziny' izinyanga a zi li gcabanga (izulu). Ukugcaba loku, ukuzaula; abes'e tata lon' izulu-ke, a li xube no muti. Abes'e li kuhla lap' ezinhlangen' a zi geable.

Uma li duma-ke, e nga sa pumile, li yo m funa pandhle. Um' e hla'l' endhlini, li yo m funa; li m ngenele kon' endhlini.

Uma izulu li-wile, la bonwa, abes'e gjima lo o l'aziyo. U se bona lapa li ngene kona pansi. U se-mba-ke; u se li funyanisa lapa li kona. U se-ye ne gila le ngane. Usefik' e li catazela ku lona; kona ku zo kupuk' umsuka walo, inyela lalo. Se li 'tshuba,<sup>1</sup> ingani be li manzi. U se wu tata-k' umsuka. Ilona-ke a se zo li gaya-ke, a li xube ne miti yake yo ku-li-betela.<sup>2</sup>

Eceleni kwe Mpembeni, umful' o ngen' eMfoloz' emhlope, nga seMakosini,<sup>3</sup> ku kon' intaba, oku-tiwa iNtabayezulu. Ku-tshiwo ngoba ilap' izulu li-nyela kona. Ne zinyanga, umsuka ilapa be zi ya ku-wu-kipa kona.

<sup>1</sup> Jiya; qina.

<sup>2</sup> Izinyang' e zi pat' izulu, zi-ti zi ya li gcaba, zi li-dhle. "Uku-li-dhla loku, ba-tsho ngokuba li-dhl' inkomo, kepa lezo zinkomo i ya tatw' inyama yazo, i bekw' odengezini. Inyanga i yi-dhle-ke ngo ku-yi-neinda; i pitikezwe (xutshwe) ne miti yayo. Ngokuba kuti, lapo li hlabe kona pansi, izinyanga zi-ti u kon' umsuka o salela pansi. Lowo msuka ku-tiwa 'inyela.'

"Ba ya li-mba, baze ba li fumane. Ba sebenze ngalo; ba-tsho-k' ukuti, isibindi lesu a ba naso, so ku-melana ne zulu, ilelo nyela e li funyanwa lap' izulu li hlabe kona. Kakulu ne 'nyoni, o ku-tiwa e ye zulu; ngokuba iyona umngomo (e namandhla kakulu) leyo nyoni emitini yonke. Uma inyanga i nge nayo leyo nyoni, inyanga kodwa; i nge-melwe sibindi njenga leyo e nayo, e ya yi-dhlayo." —*Ibid.* k. 381.

<sup>3</sup> La kwā lahlwa kon' amakos' ohlanga (a kwa Zulu).

Be zi-mba, zi kip' isipololwane se misuka pansi. Isipololwane, umsuka we zulu, lapa li-we qede la hlaba kona pansi. Kwase ku yo jiya pansi; bese ku ba isigaxa so msuka.

Izulu la li nga patwa kwa Zulu kuqala. Izinyanga za zi nge ziningi njenga namhlanje. Ukupatwa kwe zulu, kwa fika ne zinyang' ezintsha. Ku-tiwa kwa puma nga ku beSutu, bon' a b'az' izulu; a b'azi uku-liluba li yo bulal' umuntu.

Lo mkuba u qale se ku banjw' uCetshwayo, ngob' abeLungu be-t' amuk' umtakati. Inyanga ye zulu tina si-ti i ya kw-az' uku-qubel' umuntu, i m bulale,—inyang' e l'faziyo.

## 3

## UDINGISWAYO KA JOBE

(Inkosi ya kwa Mtetwa)

"*uMaf a vuke njenge dabane*"

## I

[Le ndaba ka Dingiswayo wo Yengo sā yi xoxelya uMatshwili ka Mngoye ka Dingiswayo, ngo November, 1903; uMatshwili yena wa-fa nge-mpi ka Bambata. Wa ye luDhiloko; izindaba zakubo kwa Mtetwa e z'azi kakulu].

uGODONGWANA<sup>1</sup> wa zalwa uJobe; uJobe e ngo ka Kayi, ka Xaba, ka Madango, ka Ndhlovu, ka Mtetwa, ka Nyambose, ka Kubazi, wa kwa Mtetwa.

<sup>1</sup> O ku vame kakul' emhabeni ūkuti uGodongwana. Ka s'azi-ke ukuba ikup' o kwe qiniso nokut' uGodongwana, nokut' uGodongwana, ngob' abanye baye ba m bize kanjalo, uGodongwana lo vy' uDingiswayo; u magamu-mabili. E li ka Godongwana, e li ka yise; e li ka Dingiswayo, isibongo.

uGodongwana, lap' ā zalelwa kona, ku *seBalungwini*, emzin' omkulu ka Jobe, lapo ku bekwa kon' amakosi. uGodongwana w-elam' uTana. Kwati, lap' uGodongwan' e se ngumfana wa matole, uJobe wa kip' omuny' umuzi wake, wakwab' uGodongwana. Igama lawo kwa ba soYengweni.

Isimo ne similo si ka Godongwana wa ye pat' amawisan' amancane e zinduku ze pahla; e nga yi pati imitshiza. Na sekukuleni kwake, wa ye ngumfan' oqondayo; e kulum' amazwi ekunteleni, kant' u qinisile.

uJobe wa ye na bantwan' abaning' oYengweni, be zinsizwa. Unina ka Godongwana uMabhamba; o zalwa uNzimase ka Donda, ka Tshiya, wa kwa Mbokazi. Igama lo muzi wakubo ka nina, kwa ku kwa Tshiya. Wā bizwa nge gama li ka koko wabo.

Ukupuma kwo muzi wakwabo ka Godongwana, uGodongwana wa ye se ngumfana o alus' amatole. uTana wa ye hla'l' ekaya ko nina nga leso sikati. uTana waze wa buyela kubo e se tombile. Wa fika se kwākiwa oYengweni. Kwa ku intando ka yise ukub' a yo hla'l' kubo ka nina, nokuba a kulele kona, ngoba wa ye m tanda ku nabo bonk' abantwana bake. Z'anda za ba ning' izinsizw' oYengweni; ngob' abafan' a ba zalw' eBalungwini, onina babo (o ku nge siwo amakosikazi), ba be telw' oYengweni.

Kwati, lez' izinsizwa zi ka Jobe, za soYengweni, lapa se zi kulile, za hlangana, za kuluma zodwa ngo yise, za-ti: "O! Se si hlupeka manjena. Ubab' u se gugile. U se puz' ubisi; inyama i si gaywa njengo mcaba, akade ukub' a yi-dhle. Ka sa kulumi na zindaba. Lo ku-fa nini ixegu leli, ku bekw' eny' inkosi; lok' ubab' u se ludodovu lwe xegu?" O wa qalisa loko uGodongwana; ba ku vum' abanyi.

Kwase ku suk' induna ya soYengweni, uNodunga ka Makanya ka Njonjonjo, wa kwa Mtetwa, e se yo bika lawo mazwi. Wa ye kona pakati kwabo lapa be kuluna. U-te-ke, ukub' a fike ku Jobe, wa-ti : "O ! Wena, wo hlanga ! Ngì lapa njena, ngi letwa izwi e li hletshwa amadodan' ake." "A-tini ?" A-ti : "Udodovu lwe ndod' endala, lo ku-fa nini ? Loku se lu puz' ubisi, inyama lu yi-dhila ngob' i gayiwe ? Lo ku-fa nini, ku bekw' eny' inkosi ? Loku ne zindaba ka lu sa zi kulumi na sebandhla ; se lu finyele ? Ka lu sa hambi sikati sonke ; se lw-ahlulekile. Ka lu sa kulumisi na zindaba."

Kute-ke, ukub' uJobe a ku-zwe loko ngo Nodunga, wa ba ne nhilizyo ebuhlungu kakulu. Kwa ba zinsuk' ezinde kakul' e tule, e nga kulumisi muntu. Ute, e se tata, wa ye se-ti : "O ? Se ngi ngumunt' omdala manjena, se ngi zo ku-fa." Wa ye se bal' onk' amadodan' ake a soYengweni. Kwa ba ileyo wa yi nik' inkabi.—njengo buningi bawo. Ute, ukub' a qede loko, wa-t' endunueni yake, ya soYengweni : "Tshel' amadodan' ami lawo onke ukut' izinkabi ma zi hlatshwe, ku be ilowo a hlab' eyake ; ngoba ngi zo fika mina ngi zo bek' inkosi esikundhleni sami. Kepa, ba nge-zi abafanyana ; ku be amajar' odwa."

Nembala-ke, ba zi hlab' izinkabi. Kaz' a fika uJobe nga lelo langa ; wa-t' u yo fika izinkabi se ku-dhliwa izifuba zazo. Wa kupuka-ke uJobe na mabut' ake, amabut' amaningi kakulu. Ka ngi w'azi amagam' awo. Kute lapa se be hlez i kahle onk' amadodan' ake,—lok' amabut' ake u se wa tshelil' ukuti 'nize ni ba gwaze bonke ; ni nga tshiyi nom' emunye ; ni ngi qinisele leyo ndodan' e hlakanipe kakulu, uGodongwana. Uma ni ngi bulalele yena, niyobe ni qedile, ngi fung' uKayi'—kute-ke, lapa

se ku ngenisw' utshwala, wa se tsak' amate, elonā-su wa li nik' amabut' a kupuke nawo.

Se suka-ke isidumo-ke, lap' ilanga li tshonayo. Ya ba ngenel' abantwana ; yá ba gwaza bonke. Kwat' uGodongwana, w' eq' utango ; ba m ciba, ba m hlaba nge nhlendhla pansi kwe zimbambo. Wa hamba nay' inhle-nhla leyo. Wa hamba, waye wa ngenisa ku Dhlaba ka Mavovo, emaCubeni ; lapa bafike ba m kumula kona umkonto. Wa hlala kwaze kwa nqum' inxeba.

Wa dhlula lapo, wa-ya pambili, pansi kwo-Ndi, ku Mtimku lu ka Bungane ka Nsele, emaHlutshini. Wa fika lapo izulu li-na, e-mbete isiqamana se sikumba se tole. Wa fik' emzaneni, wa ngena. Wa fumana ku kon' umfazi. Wa ngena, wa kuleka. Umfazi wa m buka, wa m buka, wa-ti : "Hau ! Baba, saubona !" Wa vuma. "Po, baba, u pumapi na ?" "Mame, ngi puma kwa Mtetwa." "U ngo ka bani, kona kwa Mtetwa na ?" "Ngi ngo ka Jobe."

Umfazi wa ye se tum' ingane ku mnumzane,—indoda yake uNgqwashu, wa semaHlutshini—e-ti ma zo bona lo muntu, u-t' u ngo ka Jobe. U ya m sinda yena kakulu. Wa fika-k' uNgqwashu ; wa m buza njengoba be ku buz' umkake. Nay' uGodongwana wa pendula kanjalo. Wa-ti : "Ngi lapa njena, ngi pume kwa baning' abantwana ba ka baba. Si bulewe ubaba sonke. Ku simde mina. Nanti njena ne nxeba a ba ngi gwaze lona. Ngi ngo ka Jobe. Mina, igama lami, ngi nguGodongwana."

uNgqwashu wa-ti : "O ! Yebo-ke, ngi sa yo ku-ku-bik' enkosini, uMtimku lu." Wa hamba-ke. Ute-ke, ukub' a fike, wa m bika. uMtimku lu wa-ti : "Hamba, Ngqwashu, u m lande ; u-ze naye lapa kimi. Ngi zo ku-m-bona, um' e-ti u ngo we nkosi." Wa hamba, wa m lande ; wa fika nay' enkosini, ku Mtimku lu.

Wa-ti: "M-elapeni nge miti, ni m pehlele na manzi; ni m lete kimi." Ya bizw' inyanga yakona. Ya m elapa; ya m pehlela na manzi. Wa letw' enkosini. Inkosi ya-ti: "U ngo ka Jobe na?" Wa-ti: "Yebo, nkosi!" Wa-ti: "Ngi zo bona uma u-ti u ngo we nkosi. Hamb' u yo tata amazinyan' e bubesи lapaya ematsheni; pansi kwe ntaba. Mabili, a hlezи no nina wawo. U tate wona wodwa; u tshiy' unina wawo. U-ze nawo lapa kimi; ngi bone ukuti u yo ku-wa-tata na. U nga wa tata, ngi yo bon' ukuti u qinisil' ukuti u ngo ka Jobe."


Wa hamb' uGodongwana. Waye wa fika lap' ibubesi li kona na mazinyan' alo. Wa fuman' amazinyan' e kona, no nina wawo. Wa wa bamba. Wa-lw' unina wawo. Wa 'bonga kakulu. Wa-lwa naye ngamandhla, waze wa wa tata; wa hamba nawo. Loku u hamba njalo, u be nga zi pet' izikali, ngob' u b'elatshwe nge miti ya makosi, na nga manz' a makosi, esitunzi. Ibubesi la m esaba, la m hlonipa. Wa hamba nawo amazinyane.

Wa fika nawo ku Mtimkulu, omabili. Kute, ukub' a fike nawo, uMtimkulu wa-ti: "U qinisil' impela; u ngo we nkosi." Wa-ti: "M-elapeni ngawo, abuye a wa pindeliselle." Ba m elapa. Wa wa pindelisela ku nina. Wa buya.

Kute, ukub' a fike ku Mtimkulu, wa hlatshewl' inkab' emhlope endala, e se na malang' amatatu a fika; e se hlezи ngo kwesaba. Kute, inyam' e nga ka yi qedи, wa valelisa ku Mtimkulu, wa-ti: "Nkosi, ng'esab' impi ka baba. Ngi ye-zwa ngo mzimba ukut' i ya ngi landela."

Wa dhlula lapo, waye wa fik<sup>1</sup> eRini.<sup>1</sup> Wa hlangana no mLungu lapo. Wa m tola. Wa m nik' umsebenzi wa mahashi. Wa hlala lapo isikat' eside. Kwa guquk' imnyak' emningi e seRini. Kute, so ku isikati naye e se

<sup>1</sup> Grahamstown.



Lo mfaneleko u puma ku Cory. *Rise of South Africa.*<sup>1</sup>

<sup>1</sup> R.R.S.L.

(Grahamstown.)

Um' uGodongwana w'i finyelel' impel' eRini, ku ya bona! ukuti wa lika kona ngo nyak' o seduze no 1800.

katele ukusebenza, wa hlatsiwa umkuhlane. Wa pup amapup' amanangi. Wa pup' uyise, no Nodunga, no Xaba. Umzimba ka wa vuma futi ukub' a sebenze. Wa ye se valelisa ku mLungu lowo. Wa goduka. E se buya, ka buya nge ndhilela a hamba ngayo e sa baleka. Wa hamba nge zindhlel' ezingapezulu.

uLungu wa-ti kuye: "U tandani ukuba ngi ku rolele yona na ?" Wa-ti: "Ngi tand' isibamu, ne njomane."<sup>1</sup> Wa m'nika konke o kwe sibamu, no kwe njomane. Wa hamba.

Loko kugula kwake kwa ku tshel' ukut' uyise uJobe kaseko; u se-file. Okwati, ekufeni ku ka Jobe, uJobe wa biz' izikulu zake na mabut' onk' ake, wa-ti: "Se ngi ya-fa manjena. Se ngi bek' inkosi yenu nonke, nina bandhla la kwa Mtetwa. Ngi ni bekel' uMawewe, a be inkosi yenu nonke. Kodwa, ngi m' beka njena uMawewe, nize n'azi futi, ni qonde, ukuti uGodongwana ka-fanga. Ukub' uGodongwana wa-fa, ngabe nami ngi ye-zwa. Inhliziyi yami i ngi tshela ukut' uGodongwana u pilile; u ya hamba. Ngako-ke, nize nihlale ni kw-azi loko." uMawewe lona, u zalwa umakoti wakwabo ka Godongwana; o wa ngeniswa ngasenhla. Igama li ka nina ka ngi f'azi: ne sizalo (isibongo) sakubo ka nina, ka ngi s'azi. uMawewe wa be ingane ya matole, mhla ku bulaw' oGodongwana.

Wa hamba njalo uGodongwana, waze wa fik' ekaya kub' ebusuku; e hamba nayo injomane yake, ne sibamu sake. Wafika we-ma entaben'i e senhla kwo muzi, eceleni kwavo. Wa momeza, wa-ti:

"Nggwaba, nggwaba, ye muka nayo!  
U yi yenga ngani na?"

<sup>1</sup> Thashi. Kwa Zulu, ihashi la li nga k'aziwa nga leyo nkati; kwa ku-tiwa silwane, injomane.

Wa pind' okwesibili e momeza, wa-ti :

"Nggwaba, nggwaba, ye muka nayo!  
U yi yenga ngani na?"

Wa hamba. Kute ku-sa ngomuso, ba-ya kon' entaben'i; ba fuman' amasond' esilwane a ba nga s'aziyo. Ba kuluma bodwa, ba-ti: "Lo munt' o be momeza lap' ebusuku, u hamba naso les' isilwane."

Kwa bikel' abantu nga masond' esilwane, na ngo munt' o be momez' e-ti :

"Nggwaba, nggwaba!  
Ye muka, ye muka nayo!  
U yi yenga ngani na?  
Nggwaba, nggwaba!  
Ye muka, ye muka nayo!  
U yi yenga ngani na?"

Kwati, na ngo busuk' obulandelayo, we-ma ko luny' ukalo, o lu pambi kwo muzi. Wa pinda son' isaga sa ngaizolo. Kwa bikw' ezweni lonke.

uGodongwana, nga lobo busuku, wa yo ngenisa kwa mkwenyawabo, ku Mbangambi, ngob' e se qond' ukuti abantu se be hlabeledene umkosi. Kute, ukub' a fike ku Mbangambi ekuseni kakulu, wa ngen' esangweni, e li fumana li nga vuliwe. Wa eit' imigoqo, wa ngena. Wa ye se hlangabezana no Mbangambi egcekeni. Wa-t' uMbangambi: "U ngubani na?" "Ngi nguGodongwana." "Hau! Kant' uwe o hamba ne silwane lesi na?" "Yebo." "Uwe o momeza lap' ebusuk' oYengweni na?" "Yebo." uMbangambi ó ka Dhlozi ka Lutshozi, emzini wa semaTshobeni. Ka ngi si kumbuli isibongo sakubo.

Kute-ke, ukub' uMbangambi a m' bone, wa ye se-ya ku Nqola ka Kayi, e yo bik' ukuti: "Nang' uGodongwana, u hamba ne silwane, u-ti igama laso injomane; u-ti úye lona o se kumemeza kibili ebusuk' oYengweni."

U-ti-k' uNqola : "O ! Mbangambi, u sa ngi tshela lowo njena, si za ku-m-enze njani, loku se sa bek' uMawewe na ? Ka si se na ndaba naye." Wa goduk' uMbangambi.

Wafika wa land' amazw' a ka Nqola onke. uMbangambi u induna ye buto, iMpola na ma-Buda. U-te-ke uGodongwana, ukub' e-zwe impendulo ka Nqola, wa-ti ku Mbangambi : "Ngi bize'l amajara o wa peteyo, a ka baba." Wa zi sondez' izinsizwa. Wa ye se-t'uGodongwana : "Ngi yo-zwa-ke, majar' ami ! Ngi fikile mina namuhla ! Ngi fun' umhlanganiso omnyama ku Nqol' ekuseni."

Bala, kwati ku-sa, impi ya i si vimbezele emzini ka Nqola. Za m tat' izinsizw' uNqola. Ba m tat' uNonsolo, inkosikazi yake. Ba m tat' "uMpaka-ye-Sango." Ba m tat' "u-Ngi-yekeni-ngi-ngumntwana." Kwa bidhlik' umkos' ezweni lonke. Ze-zwa izikulu zonke, za-ti : "Yebo ; inkosi uJobe, wā-tsho, wa-ti ka-fanga. Na nge langa ā-fa ngalo, wa-ti ma so cinga ukut' u pilile."

Izikulu za kupul' izinkabi zi yo bingelel' uGodongwana. Zonk' izikulu za-ya kanye na mabut' a ka yise. Nazo, e za zi soYengweni, zite ukuba zi fike, za-ti : "Wena wo hlanga ! Mana njalo ! U fike kahle, nkosi yetu. Be si hlezisiku 'bekile sonke nje, ngo kutsho ku ka yihlo uJobe, ukuti u ya kolw' ukut' u pilile, nokuti ka u-fanga ; u ya hamba." Izikulu zi fikel' emzini ka Mbangambi. Za-ti : "O, se ku fanele inkosi ukub' i kupuke i-y' emzini wayo, oYengweni."

Kute, ukuba ku bidhlik' izwe lonke li-ye ku Godongwana, uMawewe wasala w'eqa ; wa-y' ekaya ko nina, kwa Nxumalo. Wa kupuka-ke uGodongwana. U ya fik' oYengweni, ka sek' uMawewe. U se m buza. Se ku-tiwa u-y' ekaya ko nina, kwa Nxumalo. Kwa dhlul' zinsukwana, uGodongwana wa tumel' enkosini ya kwa

Nxumalo izwi lake lokuti ma kupuk' uMawewe ; ka tandi ukub' uMawewe a hlale kwa Nxumalo. Wa ye se-ti-k' uGodongwana : "Hambani ni yo ku-m-biza, a buye lapo kwa Nxumalo." Kep' a ba kwa Nxumalo b'enqaba naye, ba-ti : "Ka si nako ukuba si nga m buyisa tin' uMawewe."

Loko-ke, kwa ku-tshiwo inkosi ya kwa Nxumalo, igama layo uMalusi ka Manukuza, uManukuza ka Langa, wa kwa Nxumalo. uMawewe u zalwa intombi ya kwa Nxumalo, indodakazi ka Langa—intombi e ya ngeniswa ngasenhla, kwabo ka Godongwana ; ya ba umakoti wa-kwabo. Okwati, mzukwan' uJobe e bulal' abantwana bake, a bo kalo Iwake, uMawewe wa be e se ngumfanyana, o wa ye ngeko empakatini o bulawayo.

Kute-ke, ukuba b'enqabe naye, uGodongwana wa-ti : "Hambani ni yo ku-yi-tshel' inkosi ya kwa Nxumalo, ukuti ma i kande, i pisele imikonto. Ngi zo ku-za, ngi zo ku-m-tat' uMawewe nge zikali." Emva kwa lesi sigijimi, uNxumalo wa hlangana yedwa ; wa bukisana ; wa pendul' izwi enkosini yabo. Wa-ti : "O ! Wena ka Manukuza ka Langa, u ya bona nawe ukuti ka u nay impi e nga lingana ne ka Godongwana. O ku fanel' inkosi yetu, ukub' i m goduse uMawewe, singaze si-tshe nge zala." <sup>1</sup>

Nembala-ke, inkosi ya kwa Nxumalo ya biz' izikulu zayo, ukuba zi pelekezel' uMawewe. Za hamba naye ; zi nga tshelwa gama e zi yo li kuluma. Za fika-ke naye uMawewe ku Godongwana. Za-ti : "Yebo, nkosi yo hlanga ! Si lapa njena, si lete umnawe wako, uMawewe. Nangu naye." Wa-t' uGodongwana ku Mawewe : "U bu balekelani na ? U baleka ngoba kambe wāsale wa

<sup>1</sup> Izala ilapa ku lahw' umlota. Ku fana nokuti, "singaze si-tshe ngeze."

bekw' inkosi na? "U fikile-ke ku Godongwana, ku Dingiswayo. U fikile ku :

Maf' a vuve, njenge dabane ;  
uSombangeya ka Ndaba.  
uMadhlakezele, inkomo ya nganene,  
I zo tengana na yip' enenekazi ?  
I zo tengana no Mbangambi wo Vuma, emaTshobeni.  
uSombangeya ka soz' a tshelwa zindaba,  
U ya tshel' izindab', u gijimel' erawini.  
Unyawot' omnyama, uNofukutwayo !  
Kon' u nge m bon' e zula pezulu."

Wa-ti : "Mu suseni ebusweni bami ! Ngingabuye ngi m bone !" Wa-ti kwa ba kwa Nxumalo : " Hambani ni-ye ku Malusi. Ka ngi na-zwi namuhla naye." Ba m tat' uMawewe ; ba m bulala ngapandhle kwo muz' oYengweni.

Kwati, ngo suku o lu landel' ukufa ku ka Mawewe, uDingiswayo wenz' amabuto. Nanka-ke amabut' ake :—

1. *iZicwe* ; induna uTayiza.
2. *iNyakeni* ; induna uDube ka Yengeni.
3. *iNhlangano* ; induna uNgomane ka Mqomboyo, wa seMdhlakheni.
4. *iNingizimu* ; induna uMayanda ka Veyana, wa kwa Mkwanzasi.
5. *iMini* ; induna uNomadidi ka Gugushi, wa sebaTenjini.
6. *iSifazana* ; induna uNohaya ka Ngaba<sup>1</sup> ka Nsindana, wa kwa Mwandhila.
7. *iNyakato* ; ka ngi y'az' induna yalo.

Lawa mabuto, ngamabut' ake a ngapandhle kwa ka yise ; a wa butele oYengweni, emzini wakwabo, lapa ba be bulawela kona ; lapa yena w'eqa kona otangweni. Ngi kumbul' ambut' amabili, kwa ka yise :

1. *Amnyama*.
2. *Amhlope*.

<sup>1</sup> = Ngabha.

## 4

## UDINGISWAYO KA JOBE

(Inkosi ya kwa Mtetwa)

## II

KUTE-KE, ukub' a wa qed' amabuto, a wa-misele ne zinduna zavo ; wa wa-misa nga makand' e mizi, kanye ne zinkomo zavo, ne ze nkosi. Ibuto le Ziewe la-dhl'izinkomo la zi qeda ; laze la ngenel' izinkomo ze nkosi. La zi-dhla, la zi qeda nazo. Kwa bikw' enkosini ukut' ibuto le Ziewe se li qed' izinkomo, kanye ne ze nkosi. Se ku sel' ingeosana kwe ze nkosi. Ngaloko-ke, wa tukutel' uGodongwana kakulu ; wa-ti kuwo wonk' umpakati wake, ma u hlangan' eZieweni.

Nembala-ke, wa kupuk' umpakati wonke, naye uGodongwan' e kona. Wa ngenisw' enkundhleni wonke : amany' amabuto a hilala ngapandhle. Kwase ku bizw' iZiewe, kwa-tiwa zi zo pakwa ; kodwa zi nga pati zihlangu. Kwa-tiwa ma zi ngen' enkundhleni. Za ngena. Kute, lapa se zi pelele, inkosi ya puma nge ntuba. Ya ngena ngasenhla.

Ite, ukub' i pume lapo, ya-ti : " We, Tayiza ! Izi-nkomo zami u zi nikwa ubami na ? " Ya-tsho qede (e nga ka penduli lut' uTayiza), ya tsak' amate. Ya ba ngenela, ya ba gwaza ; ya ba vimbezel' enkundhleni. Ka ku sindanga nom' emunye ; kanye ne nduna yazo iZiewe. Kwā sal' isifazana se nkosi, kanye ne sigodhlo sayo. Isifazana leso ne sigodhlo leso, isifazana si ka yise ; isigodhlo si ka yise.

Kute-ke, ukuba lel' ibuto li bulawe, wa ye se but' eliny' ibuto. Nalo wa li qamba ngokuti iZiewe. Induna

yalo kwa ba u-Buza. Wa ye se li sus' endaweni yalo, wa yo ku-l'akisa eMangweni. Lite, li nga ka-y' eMangweni, wa biz' onk' amabuto, ne zikulu zake, nga makand' azo. Wa zo ku-zि-tshel' igama lake lobutsha.

Kwati, ukub' amakand' a pelele oYengwen' onke, we-ma pakati kwawo. Wa memeza, wa-ti : "Pakati kwenu nonke, kungabe ku sa ba biko muntu o yo ngi biza nge gama lokuti : *Godongwana*. Lelo gama la sal' otangweni. Igama lami namuhla, lenu, *uDingiswayo*. Na li-zwa mhla ngi zi bonga pambi ku ka Mawewe." Kwa hlatshw' izinkabi ; kwa-dhliwa. Kute, lap' izinkabi zi-dhliw' izifuba, wa-ti ma zi hamb' iZicwe. La suk' ibandhla le Zicwe, la hamba la-y' eMangweni ; ne nduna yazo u-Buza,—ka ngi m az' uyise, ne sibongo sakubo a ngi s'azi.

*Ukuqalisa kwaak' uku-hlasela uDingiswayo*, wa qalisa ku Mjezi (isibongo sake ka ngi s'azi ; no yise ka ngi m azi). U nengwa ukub' e-zwa ukuti u ne sigodhlo a si fuyileyo. U-ti : " U inkosi ini-ke uMjezi na, ukub' a be ne sigodhlo na ? " uMjezi-ke yena, u-ti : " Ngi inkosi, noma ngi nge siyo e yo hlanga. Isigodhlo sona ngi naso nami." U se pak' impi njalo, ngokuti ka nazo ne zinhlomi ; ka si fihi isigodhlwana sake.

Ya m hlasel' impi ; ya m vimbezela. Ya bulawa impi ka Mjezi ; za-dhliwa izinkomo zake, ne sifazana sake, ne sigodhlo leso sake, o ku isona si bange impi. Kute, lapa se ku tike isifazana ne sigodhlo si ka Mjezi, inkosi ya ku buka, kwa kubi, ya-ti : " Ka ngi tandi. Kubi ukuba ku-dhliwe isifazana se nkosi ; futi, kubi ukuba ku bulawe amakosi. Kuhl' a yekwe, kanye ne sifazana sawo,—ku-dhliwe izinkomo ne sigodhlo, ku be kupela ; ngoba funa ku pofise umhlabati."

*Okwesibili ukuhlasela kwake*, u hlasel' *uTokozwayo* ka Mandayiya,—e-zwa ku-tiwa u be gub' umkosi. U ya tumela-ke kuyena, u-ti : " Hau ! Tokozwayo, uban' o-ti gub' umkosi na ? " *uTokozwayo* u-ti : " Ngi zo ku yek' umkosi, kanti ka ngi nkosi ini na ? " La m hlupa lelo gama. *uDingiswayo* wa ye se pak' impi njalo. Ya m gwaza ; ya m nquma ne kanda *uTokozwayo*, ngo ku-pendula kwake ngenkani.

*Okwesitatu*, wā hlasela ku *Pakatwayo*, ka Kondhilo, ka Mncinci, ka Lufuta, ka Simamane, wa kwa Qwabe, e bona ngob' e ne zinkomo, e zi ket' amabala. Zi hamba nge mihlambi yo kufana. Wa-ti : " Hambani ni yo ku-m-tshel' *uPakatwayo*, ukut' izinkomo ma zi hlanganise : a nga zi hambisi nge mihlambi ; a nga zi keti mibala." *uPakatwayo* wa-ti : " Ng'enz' empahleni yami, ngo kutanda kwami. Ngi hlabis' amabut' ami, ngo kutanda kwami." Wa ye se pak' impi njalo, *uDingiswayo*.

Ya-lwa, ya m cit' *uPakatwayo*. Ya-dhl' izinkomo, ne sigodhlo sake. Ya m cita. Kep' isifazana sake ka si tatanga, ngob' iningi la bafazi ba ka *Pakatwayo* la li ngodadewab' *uDingiswayo*. *uPakatwayo* wa suka, yen' ugobo lwake, ngenxa ye ndhlal' a nayo, wa yo konzel' abantwana bake ku *Dingiswayo*. Ba xolelana. Wa ye se mu-p' izinkomo za masi, ne zinkabi zo kuhlabo,—ngó kutula, na ngo kutandana ; ngoba no *Pakatwayo* wa b' endiseleno no *Dingiswayo*. Zi ningi izintombi zi ka *Pakatwayo* e zi gane ku *Dingiswayo* ; ngako, ba hlala ngo kutandana kakulu bobabili.

Kute, emva kwe sikati esidana, kwa vel' ukuxabana pakati ku ka *Pakatwayo* kanye no mnawe wake, *uNomo* ka Kondhilo. *uNomo* lona, ikohlo ku *Pakatwayo* ; u u zalwa ngomuny' umfazi.<sup>1</sup> Be be banga ; *uNomo* e-ti

<sup>1</sup> U zalwa udadewab' *uDingiswayo*.

naye u inkosi ngokwake. Ngako-ke, uPakatwayo wa ye se biz' uDingiswayo, uku-zo-tet' icala labo.

Kute-ke, ukub' a fik' uDingiswayo, wa li tet' icala labo, wa li nquma. Wa-ti: "Ka ngi fun' umsind' u vele kinina; ni bange izinkomo, ingani ngi ni nke zona ngenxa ye ndhlala. Na namuhla, indhlal' i se nkul' emhlabatini. Ngoba ku njalo-ke, ngi ya kw-ahlukanisa wena Nomo; ngi zo hamba nawe. Izinkomo e be zi sesibayeni sako, zi nik' uPakatwayo. Wena woza, kanye no muzi wako; fun' uPakatwayo a ku bulale. U nga pati luto ngapandhle kwo muzi wako."

Wa hamba nay' uNomo. Waye wa m beka kwa Mpemvu, nga seNseleni, eCwaka. uDingiswayo wā pakati kwabo bobabili. uDingiswayo-ke, wa ye se m nqumel' izinkomazi ne zinkabi. Izinkomo a mu-pa zona, za zi dhlula lezo uNomo a zi tshiyayo ku Pakatwayo. Kute, ukub' a ku-zwe uPakatwayo ukut' uNomo u ya busa, u ne mfuyo eningi, e dhlul' eyake, wa ngenwa ukwesaba, wa-ti: "Ngi ya bon' ukut' uDingiswayo, u hambe no Nomo njena, u se yo ku-m-enz' inkosi. Ngi ya bon' ukut' icala u li fumane kimina. Ngi kolw' ukuti u zo ngi vimbezela, a ngi bulale; bese ku buy' uNomo, e zo kw-ak' izwe lami. Ngako-ke, ngi zo hamba ngi yo ku-m-vimbezela, ngi m bulale."

Wa ye se pak' impi njalo uPakatwayo, ya yo vimbezela ku Nomo ebusuku. Ya ngena, ya tshis' imizi. Kwa hlatshe' umkosi pakati kwe-zwe, ukut' "I ngene!" Umkosi wa qal' uku-zwakal' ebutweni oku-tiwa iNyakato; kwaze kwa fik' ebutweni le Zicwe. Impi ya hloma yonke nga makand' ayo; izwi litl' impi ka Pakatwayo e bulal' izwe. Ibuto e la li pakewē uku-bulal' uNomo, iZinkonde.

Kute-ke, ukuba ku-se kahle, loku uNgomane, ne lak'

ibuto, waye wa hlalisw' emazibukweni eMhlatuze; kute, ukuba ku pelele ukusa (loku amabut' a ka Dingiswayo a ya yi landel' e ka Pakatwayo), ite ukub' i si fik' emazibukweni, ya bonana ne ka Ngomane. Ya zi-misela manjena uku-lwa; loku, ne landelayo, i si seduzé. Ya qal' ukgwazana. O! Ya ba gwaza, kwaze kwa fik' eMhlatuzana, na soNgoye, na seMlalazi. Kwaze kwa ba soTukela, i ba gwaza. Lazé la-t' ibuto le Zinkonde: "Hau! Bā si gwaza, kwaze kwa mafundo."<sup>1</sup> Nay' uDingiswayo wa ye kona; e se kw-enza ngob' e se tukutele. E nga-tsho yen' ukuti u be qond' uku-bulal' uNomo; e-t' u hlaele yena, ngob' e nga m tshelanga isicasulo a si nengwayo. Ngako, impi ya ba qeda bonke; a ku salanga nom' emunye we buto le Zinkonde, kuze ku be namuhla.

Yat' impi, i si buya, ya hamb' i si-dhla zonk' izinkomo ze zifunda ne zifundana. I si-ya nazo ku Dingiswayo. uDingiswayo wa tumela ku Pakatwayo, wa-ti: "Beka! U nga pinda futi w-enze loku, u yo bon' okukulu; o ku dhlul' o kwa namuhla." uPakatwayo wa-ti: "Qabo, Gumede wo hlanga! Bengiti ngi zo ku m eba, ngi m nqume. Po, ngi sa zo-tini, loku li pelil' ibandhla lami le Zinkonde na?"

*Ukuhlasela kicake kwasine* kwa ba ku Matiwane ka Masumpa ka Sihayo, wa semaNgwaneni. uMatiwane u be zi ncoma, e-ti u inkosi naye. U ya yi gub' imkosi; u naso naye isigodhlo; u navo naye amabuto. Ka nako ukuba a nga neediswa nge-ny' inkosi. uDingiswayo, kwat' ukub' a ku-zwe loko, wa yi kipa yonk' impi; waze wa kipa na mabut' a ka yise amabili,—Amnyama n'Amhlope.

Kute, ukub' a fik' esifundeni sak' uMatiwane, wa

<sup>1</sup> Lok' ukukuluma, sengati ku suk' ofundweni lwe-ndhlua; ngob' "indhlua" ya kwa Qwabe bā qal' uku-yi-gwaz' eMhlatuze (ku semnyango-ke lapo); baze ba yi gein' oTukela (emsamo, ofundo), lap' "indhlua" i pela kona.

ngenis' ekuseni, ku mpondo-za-nkomo, nge buto li ka yise elimhlope. Ya bambana nalo, kwaze kwa pum' ilanga. Waze manjen' uDingiswayo, e bon' ukuti ku lukuni, wa kip' elimnyama. Kute, lapa nalo se ku isikati li bambile lapo; e se no mecabango wokut' u se zo ku-yi-dedela yonke; wa bon' imiz' i si-tsha, iningi le-mpi se li baleka.

Undunankulu wa mabut' a ka yise, kwa ku uZiyongo, o *kwa-dhliw' ingubo yake*.<sup>1</sup> Impi ka Matiwane ye suka ya baleka; za-dhliw' izinkomo. Le ngubo ka Ziyongo, wa ye e yi-piwe uDingiswayo. Kwa-dhliwa ne sigodhlo sake. Kute, ukuba ba bom' ukut' ingubo ka Ziyongo i pangwe, kwa yo bikwa ku Dingiswayo; kwa-tiwa ingubo ka Ziyongo i pangwe impi, ku Matiwane. uDingiswayo wa-ti: "Hambani, ni yo memeza, ni-ti: "O! Yebo-ke, Matiwane! Ingubo leyo ka Ziyongo, um' i nga sa buyanga namuhla, u yo bon' okukulu, o ku dhlul' o kwa kutangi." Ngob' uMatiwane wa baleka yena; abafazi bake ba pangwa kanye ne sigodhlo sake.

Okute, ukub' isigodhlo si ka Matiwane si fike ku Dingiswayo, kanye ne sifazana sake, sa tshay' inkoka;<sup>2</sup> si kumbul' izwe lakubo. Waze wa ngenwa umunyu uDingiswayo. Kute, e sa cabang' isu lokut' u zo b'enzenjam, za tik' izitunywa zi ka Matiwane, zi qub' izinkabi, zi-ze ku Dingiswayo. Za-ti: "O! Wena ka Xaba! Si tunywa o ka Masumpa, uMatiwane, na lez' izinkabi. U-t' u se ya tela. M tole."

uDingiswayo u se-ti: "Po, ip' ingubo na?" Ba-ti: "Nkosi, nansi! Si lete yona futi." Wa-ti-ke: "Hambani, na bafazi bake, ne sigodhlo sake." Isifazana sake wa si nik' izinkomo za masi. Za hamba ne zitunywa zi

<sup>1</sup> Ku lapa-ke, la kwā vel' isiga se-zwe lonke, sokuti: *U yo buya wedwa, njenge ngubo ka Ziyongo*.

<sup>2</sup> Imvigo; uqwabe.

ka Matiwane, kanye ne zi ka Dingiswayo. uDingiswayo ka buyang' a m hlasel' uMatiwane. Bā hlalisana kahle njalo. uMatiwane wa konza kakulu ku Dingiswayo. Wa m hlonipa; wa m bikela konk' okuvelayo; no ku nga tand' ukuba ku nga m vezel' inkatazo ku Dingiswayo. Ba hlala ngo kutula.

*Okwesihlanu* ukuhlasela kwake, kwa ku ku *Macingwane* ka Luboko, wa seNgonyameni, eNkandhla,—wa semaCunwini. Ku-tiwe kuyena, uma e nga tandi ukub' izinkomo zake zi-dhliwe, kuhle ukub' a si lahl' isigodhlo. Ngako uMacingwane kā vum' uku-lahl' isigodhlo. uDingiswayo-ke, wa ye se pak' impi. Ya m gwaza. Ya bulaw' impi ka Macingwane. Za-dhliw' izinkomo zake, ne sigodhlo sake. Wa m konzisa.

*Okwesitupa*, wā hlasel' *uZwide* ka Langa, wa kwa Nxumalo,<sup>1</sup> *uZwide* e-te: "Imi, ukub' uDingiswayo a tat' intomb' enhle, a yi nik' uMalusi na?" uMalusi naye o ka Langa; u ikohlo li ka Langa. Wa ye se tukutela njalo, wa-ti: "Ngi zo ku-m-yala; ngoba ngi zo ku-m-vimbezela, ngi m bulale." uDingiswayo lona izikati zi ningi ngapambili e hlaselana no Zwide, e nqotshw' *uZwide*; a-hlulwe, a m telise. Nga lesi isikati, lap' e se hlasel' *uZwide* ku Malusi, wa ye se nab' abantu kakulu ku no Dingiswayo.

*uZwide* wa ye se yi paka-ke njal' impi. Ya m vimbez' uMalusi. Ya m bulala, yen' uqobo Iwake; ne-mpi yonke yake, na bafazi bake. Kwe-zwakala loko ku Dingiswayo. Kwa ba buhlungu kakulu. Wa ye se suka-k' *uDingiswayo* uqobo Iwake, kanye ne zikulu zake, kanye na banumzana bake. Kepa ka hambanga nal' ibuto. Wa-ya ku *Zwide*; ngob' *uZwide* u ngumkwenyawabo ka Dingiswayo. U hamba njalo, u yo buz' ukut' ini ukub' a bulal'

<sup>1</sup> Kwa Ndwandwe.

uMalusi na, "lolu nave u ganwe odadewabo na, njengo Malusi na?" uZwide-ke, u-ti: "Yebo. U-ze lapa nga lelo-zwi na?" Wa vuma.

Kute ku-sa ngomuso, wa-ti: "Bizan' inkosi ya kwa Mtetwa, si ngen' enkundhleni; si xoxe nge-zwi e hamba ngalo lapa kimi." Se ku ngeniswe no tshwala, bu buningi; ku hlatshwe izinkabi. uDingiswayo wa ye nga hambi na sigodhlo na mfazi; be ku ngamadod' odwa. Wa puma-k' uDingiswayo, wa-y'enkundhleni, yena na madod' ake onke.

Kwati, lapa se bu puziwe utshwala, wa-t' uZwide ku Dingiswayo: "Beka-ke! Lok' u-ze lapa nge ndaba ka Malusi, ngi-ti ngi ku fumene wen' uqobo. Ngob' u ng'eyise kabi kakulu. Ka u sa dabulanga<sup>1</sup> wen' uqobo lwako lapa kimina. U zo ngi funda wena. Ini ukuba wena, mnta ka Jobe, u tat' intombi, e nga ngi y'ikile i se ngumntwana; kuti, lap' i si kulile, u bu su yi nik' uMalusi, inji yami na? Ingani, umntwana we ntombi ya kwa Nxumalo, uMawewe, wa m bulala na? 'Beka-ke. Um' u tand' ukub' u sinde namuhl' ezandhleni zami, hlaula les' isenzo sako kimina nge zinkomo zako zonke za soYengweni; zi zo ku-ma esikundhleni si ka dadewenu.<sup>2</sup>

Wa-t' uDingiswayo ku Zwide: "U-tini? Ngi hlaule, ngi tele! O! 'Beka, u yo zi-dhla ngi-file, mfo wa kwa Nxumalo!" E sa-tsho njalo, wa ye se biz' amabut' ak' uZwide. Ya ba vimbezela kon' enkundhleni; ya ba gwaza, ya ba qeda. Wā-fa naye lapo uDingiswayo. Igama lo muzi, lap' uDingiswayo ne zikulu zake ba-fela kona, ku kwa Ndwandwe; elona kand lo muzi ka Zwide.

<sup>1</sup> A u-ku-dhlula lapa.

<sup>2</sup> Igama lake, uNamatuli ka Jobe; wa zalwa intombi ya kwa Qwabe. Uyise ka nina, ka ngi l'az' igama lake.

## 5

## UDINGISWAYO KA JOBE

(Inkosi ya kwa Mtetwa)

## III

## Ukukonza ku ka Zulu kwa Mtetwa

uSENZANGAKONA wa qalisa ngo ku-tum' abantu kwa Mtetwa, ukuba ba hambe be tengisa nge katazo; be fun' izinkomo. Be be hamba na kwa Qwabe. Ikatazo, umuti o wa u funeka kakulu pakati kwe-zwe la kwa Mtetwa, ne la kwa Qwabe. Lo muti wa u tandeka kakulu kwa Mtetwa. La tengw' ikatazo; li petwe induna ya bantu ba ka Senzangakona. Igama la leyo nduna, uMudhli. uDingiswayo u se m nik' izinkomo.

Kute-ke, ukub' uMudhli a file ne zinkomo ku Senzangakona, wa ye se-t' uSenzangakona: "Hambani, ni yo ngi konzela. Ni m tshel' ukuti ma ngi tole; ngoba mina ngi ihōbe."<sup>1</sup> Wa bong' uDingiswayo; wa ye se-ti ku bantu bake: "Mina-ke, ngi zo m qamb' igama lake."

Kute, se ku hambe izitunywa zake, wasala wa-ti: "Lel' iNtungwana, igama lalo uQengwa. Ka li tand' ukuba si hlaselane nalo; futi ka li nayo ne mpahla. Li sa hambe li konzel' izinkomo." Nempela-ke, kazange a hlaselane naye.

## Ukukonza ku ka Tshaka ku Dingiswayo

uTshaka wa fika e hamba no nina, uNandi, no dade-wabo uNomzinhlanga.<sup>2</sup> Ekufikeni kwabo kwa Mtetwa,

<sup>1</sup> Umunt' o nge na nkomo, ne yodwa.

<sup>2</sup> U y'eduka-ke lap' uMatshwilli. Udadewabo ka Tshaka, o m elamayo, uNomcoba. Uyena-ke o wa-ya no mnnewabo kwa Mtetwa. uNomzinhlanga (elinye uNdikidi) wa' zalwa uMnkabi ka Sodubo, wa kwa Nzusa. uNandi wā ngeniswa kwa Mnkabi.

ba ngen' oHeni, emzini ka Dingiswayo; e ngek' uDingiswayo lapo, e seBalungwini.<sup>1</sup> Kepa, ba m' buza lap' oHeni lap' e punma kona; nokut' u ngo ka bani. Wa-ti: "Ngi nguTshaka ka Senzangakona. Ngi-ze lapa njena, ngi-z' enkosini. 'Umame lona, no dadewetu, e ngi hamba nabo."

Kute, e se qedil' ukulanda, kwa suk' induna ya soHeni, ya-yo ku-m-bik' enkosini; se ku tshon' ilanga. Inkosi ya-ti: "O! Se li tshonile. M' bekeleni itole; ni mupe. Uze-ke, u fike naye kimina ngomuso; ngi zo ku-zw' a hamba ngako." Nembala, kwati ku-sa, wa ye se hamba naye, e se-ya ku Dingiswayo.

We-nel' uku-fik' uTshaka, e hamba no nina no dadewabo, uDingiswayo wa ye se-ti: "U ngubani wena na?" "Ngi nguTshaka." "Ubani le ntombazana na?" "Udadewetu, uNomzinhlanga."<sup>2</sup> "Po lona, owesifazana, ubani na?" "Umame, uNandi; o'zalwa intombi ya kwa Mtetwa,<sup>3</sup> e ya gan' eLangeni." "Uyihlo wena, mfana, ubani na?" "uSenzangakona." "Po, lapa ini?" "Wena we nkosi, ngi lapa njena, ngi baleka kiti kwa Zulu. Ngi bulawa ubaba, uSenzangakona. Se ngi-ze lapa njena, ngi zo konzel' ukuba ngi tolwe inkosi, kanye no mame, ne ntombazana lena."—o kwa yume ka loko ku Dingiswayo.

Kute, ku-sa kusasa, uDingiswayo wa biz' izinduna za mabuto, kanye na mabuto, na banumzana, uku-zob'azisa uTshaka, no nina, no dadewabo. Kwa-s' amabut' e hlangana na banumzana eBalungwini. Ka hlatshisw' amabuto ne zikulu. Ya ba yodw' inkabi e hlatshisw' uTshaka; ya ba yodw' e ka nina; ne ka dadewabo ya

<sup>1</sup> Umuz'omunye ka Dingiswayo.

<sup>2</sup> uNomeoba.

<sup>3</sup> Wa' zalwa intombi ya kwa Qwabe, uMfundu; uMfundu o wa' zalwa intombi ya kwa Mtetwa.

ba yodwa. uTshaka wa ye insiw' ekufikeni kwake ku Dingiswayo; uNomzinhlanga<sup>1</sup> e intombazanyana. Bobabili lab' abantwana, a ba ka Senzangakona; ā ba zalela kubo ka Nandi, eLangeni; yen' e nga sinanga.

Inkosi ya wa landis' amabuto ne zikulu, ya-ti-ke: "Ngi ya m' amukela. Ngi m' nika wena Ngomane.<sup>2</sup> Kepa, m-akel' umuzi; igama lawo ku be kwa Gqogqa.<sup>3</sup> Ne zinkomo, e ngi zo ku-m-nika zona, zi nga ngem kwe sako isibaya."

U fika njalo uNandi, wāke wa gana ku Gendeyana. Wa zal' uNgwadi ku yen' uGendeyana, wa kwa Qwabe. Okute, ukub' a ku-zwe loko uSenzangakona, ukut' uNandi u se gane ku Gendeyana, wa tukutela kakulu. Wa fun' izindhlela zo ku-ba-bulala. Kwati, ukub' a ku bone-ke lok' uMudhli, u se-ti ku Nandi: "Bek' uSenzangakona; u fun' ukub' a bulal' uTshaka. Kuhl' u suke lapa naye; u hambe, u kumbul' eziny' izihlobo zako. Uma u nga sa kw-enzile loko, impela u zo ku-fa—nawe, kanye naye. Wa suka-k' uNandi, na bantwana bobabili bake; e se-ya nabo kwa Mtetwa lapa ku zalw' unina<sup>4</sup> ka Nandi kona, indodakazi ka Kayi, e ya i gane kwa Qwabe.

uTshaka wā zalelw' eLangeni, emzini ka Mgabi, (o zalwa uMbengi), emzini wa seNgugen. Wā ba zala lab' abantwana uNandi e nga lotsholwe. Okute, lap' uNandi e se bon' ukuti kaz' uku-tatwa uSenzangakona, wa ye se yo gana ku Gendeyana, wa semaMbedwini.<sup>5</sup> Loko, kute ukub' a ku-zwe uSenzangakona, wa tand' uku-mbulal' uNandi, no Tshaka. uNandi wa zal' uNgwadi ku Gendeyana,

<sup>1</sup> uNomeoba.

<sup>2</sup> Ka Mqomboy (Mqomboli), o wa' zalwa uMzisi, wa kwa Mtetwa.

<sup>3</sup> Ka kw-aziwa ukub' uDingiswayo, ut' e wu qamba kanje, wa ye tsho ngani. Uku-gqogqa, ūku-qikiz' izinwele (z'owesifazane).

<sup>4</sup> Uninakulu.

<sup>5</sup> Kwa Qwabe.

uTshaka wā hlala ku Dingiswayo-waze wa bekw' induna ya seSinameni, esigaben' esinye sa soYengweni. Wa ba ne zibongo zake zo buqawe no kuhlabana kwake; ngoba wa ye yi hamba yonk' impi e pakwa uDingiswayo, e yi pakel' amakosi. U wa nqoba nje, nay' uTshak' u kona. U kona:—

uNodum' e hlezi, ka Menzi;  
iLemb' e l'eq' amany' amalembe ngo kukalipa.  
uSitshaka ka si tshayeki,  
uDabaz' itaf' e be li-ya ku Mfene.  
uNomashovushovu ka Senzangakona.  
uGaqa li bomyu na sekupatweni.  
uBolokoqua, ba z'alukanisile;  
Z'alukaniswe uNoju no Ngqengeye,  
E ya kwa Ntombase,<sup>1</sup> ne ya kwa Nandi.  
Ya yi kip' e tshoba li bomvu,  
I kitshwa elimhlope, la kwa Nandi.

*Ukupatwa kwe sizwe sa kwa Mtetwa, ukuba ku-f'  
uDingiswayo*

Kwati, ukuba ku-f' uDingiswayo, isikundhla sake sa tatwa uMondisa, umfowabo. Kodw' umuzi ka u ku vumanga ukub' uMondisa a ngen' esikundhleni si ka Dingiswayo, ngob' abantwana ba ka Dingiswayo base be kulile; se be si fanel' isikundhla si ka yise. Umuzi-ke, wa u su nqamukana kibili. Omunye wa m vum' uMondisa; omunye ka wa vuma ukuba ku pate yena. Kep' inkosi, yat' i bulawa uZwide, ya ingazang' i hlebe nga bantwana, ne yo ku-m-beka.

uMondisa-ke lapo, u se bulal' izikulu zonke zi ka Dingiswayo. Kwat' ukub' a zi bulale, so ku suk' uNgomane, kanye na mabut' ake; u baleka nawo, u-ya ku Tshaka,—e se yo bika. Okute, ukub' a be kude-duzane,

<sup>1</sup> uNtombazi.

wa wa tshiya; kwa-ya yena yedwa ku Tshaka, e yo bik' ukubulawa no kucitakala o ku kwa Mtetwa, ngenxa ka Mondisa. uTshaka u se m amukela-k' uNgomane. Onke-ke amakanda ā nga vumang' uMondisa, ā sal' ekubulaweni, a-ya ku Tshaka. Kwa sala lawo a m tanday' uMondisa. Wa ye se li busa-ke uMondisa, e la kwa Mtetwa.

Kwa dhlul' isikatshana uMondis' ā bulal' izikulu, uTshaka wa ye se tumela kuy' uMondisa, wa-ti kuhl' a kupuk' e-ze ku yena, ngob' izwe la kwa Mtetwa se li polile. "Uma be nga vum' abantu, ukuba u be inkosi yabo, woza kimi, ikati ngi zo kw-ehla nawe, ngi ku bek' inkosi ya kwa Mtetwa; ngoba pela nami, ubukosi nga bu-miswa ini esikundhleni si ka baba." Indun' e ya tunywa ku Mondisa, uSihlahla (ka ngi m az' uyise).

Bala-ke, wa ye se yengeka njal' uMondisa. U se kupuka. Kute, ukub' a fike, kazang' a bonane no Tshaka. Ut' e-tuka, wa bona ngob' e se vinjzelwa impi, nal' ibandhl' e lā m tandayo. Wa bulawa. uTshaka wa ye se li tata lonk' izwe la kwa Mtetwa, na bantu balo.

*Ukuya ku ka Senzangakona kwa Mtetwa e yo bon'  
uDingiswayo.*

uDingiswayo kazang' a hlaselane no Senzangakona, ngoba wa-ti u ihōbe. Kwati, emva kwa loko, uSenzangakona wad' e fika njalo, yen' uqobo lwake, e zo konza; uDingiswayo a m xotshis' izinkomo; lok' u fika njalo, u se kw-azi ukut' uTshaka wā hamba wa yo konza kwa Mtetwa. uSenzangakona ka m azang' uTshaka kon' eku-zalweni kwake; kodw' u ya mu-zw' ukut' u kona. Wa ye ngenako no ku-m-bona; a m kombe.

Ute uSenzangakona, e se fik' okwokugeina, we-z' e

hamba ne nkosikazi yake, uBimbi,<sup>1</sup> o zalwa uSompisi ka Kuguqa, wa kwa Ntuli. Kute, ukuba ku bikwe ku Dingiswayo ukuti : "uSenzangakona nangu ! U hamba ne nkosikazi yake namuhla, ne zincuku zake," uDingiswayo wa-ti : "Ma kw-endhlalw' amacansi, az' ay' a fik' esangweni." Bala-ke, kwa njalo. Kwa hlatshw' izinkabi. Wa ketelwa nga mabuto.

Kute, nge langa lesitatu e fikile, ba yo hlal' esibayeni no Dingiswayo no Senzangakona. Wa ye se suk' uDingiswayo, e se-y' endhlimi lapa ku kon' uTshaka. Wa-ti kuye : "Nang' uyhlo. Si hlezi nay' esibayeni. Hamb' u yo bingelel' onyoko. Ufik' u zi celis' ugwayi. Geoba nank' umuti. Kuyoti, ma be ku nika nge sitsha, ingabe itshungu, u bu su hlikihla lona. U nga wu bemi lowo gwayi. U-ze nawo, u fake ku lo muti." Wa ye se pum' uDingiswayo, e se-y' esibayeni.

uTshaka wa ye se-ya ko nina, loku ka ba m azi. Kute, ukub' a ngene, ba cabanga batu umnawo ka Dingiswayo. Wa ba bingelela. Ba yum' abanye. Kep' inkosikazi yona ka i vumanga; yā sola yona, i bon' inswebu i fana ne ka Senzangakona. Wa ye se cel' ugwayi njalo. Base b'etula b'etula. Base be tat' itshungu li ka yise. Se be m nika ngalo. Wa cataza. Wa ye se hlikihl' umut' etshungwini. Wa ye se li buyisela. E se buza, e se-ti : "O ku iyona nkosikazi ye nkosi kini imupi-ke na ?"

<sup>1</sup> Igamu lake, *uBibi* (Bhibhi). Wa y'elam' uNdhlala (undunankulu ka Dingana), e m elam' emhlane; uBibi yena, e-lanywa uNduvana.

uSenzangakona wā-ti : "Ini, umfazi wami, e muhle kangaka, ngi m tanda, ku-tiwe *iBhele* ? Ku-tiwe kuye 'Mbele' na ? Ulimi lu lukuni, ukuba ku-tiwe 'Mbele' ku mfazi wami. Ukuba ku-tiwa 'Mbele,' ibhele e le mbila ini ?" A-ti a ku buzwe kwa badala, ukuti ku-tiwanu isitakazelo sabo. Ba vela, ba-ti : "Ku-tiwa Mbele ! *Ntuli* !" Wa ye se-ti a ku cum' 'uNtuli.' "Ku nga-tshiwo ukut' umfazi wami *iBhele*." Kwā suka kona lapo-ke, ukub' a ba kwa Ntuli ba bizwe nga lelo gamu, kungati *isibongo* sabo, kanti *isitakazelo* nje sa ba semaBeleni.

Ba-ti : "Nangu." "Kanti uye lona e ngi ni bingelel' a tule yena ?" Ba vuma. "Uyena nina ka Sigujana na ?" Ba vuma. Wa ye se puma njal' uTshaka. Wa hamba naye ugwayi; wafika wa ye se wu hlanganisa ne miti.

Kute, emva kwa loko, base be hlakazek' esibayeni. U ya fik' uSenzangakona, e ngen' endhlini, se be bika kuye ukuti : "Kade ku kon' umfowabo ka Dingiswayo lapa, e zo cel' ugwayi, e zo si bingelela." Kwati, emva kwe sikatshana, wa ye se tat' itshungu, wa bema. Kute, ukuba ku be isikati, uSenzangakona wa-ti ku makosikaz' ake : "Umzimba wam' u ya dangala ;" u-zw' ubuhlungwana. "Hambani ni yo ku ngi bik' enkosini."

Kwa-sa kusasa, ba hamba ba yo ku-m-bik' ukut' u se tand' ukun-goduka. uDingiswayo wa-ti : "Po, u be fun' ukun-hamba nini na ?" Ba-ti : "Ukuba ku tshon' e la ngomuso." Wa-ti : "Ku lungile. Nami se ngi m lungisele izinkom' a zo hamba nazo. So-ke si pume pela ngomuso, si be ibandhl' enkundhleni." Umkosi wa m dhlalela kakulu. Kwa sinwa ; ba giya. Wa ye se giya no Tshaka, nga lelo langa.

Kute, ukub' uTshaka a qed' ukugiya, uDingiswayo wa-ti ku Senzangakona : "U ya m azi lo mfana na ?" Wa pendula, wa-ti : "Ka ngi m azi." uDingiswayo wa-ti : "O ! Kanti ka w-azi luto, loku kanti ka w-az' isilwanyana si zo ku guduz' indhlebe, kuze ku-se u nga lele butongo." Wa u su eiteka njal' umpakati. Se ku hlatshw' inkomo ye ziboma, ukub' a hamb' e-dhla. Wa hamba-k' uSenzangakona.

Wa fika qed' ekaya, wa ye se-ti : "Impela, ngi m bonil' uTshaka. No mzimba wami u gula njena, ku ngenxa yake." Kute, ukuba ku be zinsuku, wa-f' uSenzangakona. uDingiswayo u be qonda yen' ukut'

izinkomo, a m xotshisa zona, e zi ka Tshaka; u m nika zona, kodwa yena (uSenzangakona) e ng' azi luto ngazo.

Kwase ku zo bikwa ku Dingiswayo, ukut' u-fil' uSenzangakona. U-ti-ke: "Ubani o bulel' uQengwa na? iNTungwa lami na?" Se ku tunyw' uNgomane, no Siwangu ka Mbikwana, wa kwa Mtetwa, o zalwa uKayi. Ba hamba na mabuto, iNhlangano ne Nyakeni. Se ku kutshulw' uTshaka. Izwi la hamba nabo a ba be zo bika, lokuti se ku-z' uTshak' esikundhleni si ka yise.

Kwati, ukuba ba fike, oNgomane no Siwangu, na mabuto, no Tshaka, za bulaw' izikulu zi ka Senzangakona, oMudhli, no Zivalele, no Matangata, no Mbumania; no Sigujana, inkosi yabo. uDingiswayo wa ba sola ngo kubulal' uMudhli, ngob' uTshaka wa sinda ngenxa yake. Nga be wa bulaw' eLangeni ukuba kasi Mudhli o wa m xotsha kona.

uDingiswayo, umunt' o wa be iqawe. Zonk' izimpi u be zi puma; e hamba nay' uTshaka. Lapo e m azisa kon' uTshaka, kwa ku nge-mpi ka Matiwane; e se ngumfan' obupelelayo. uTshaka u m bek' induna ku buywa ku Matiwane.

uDingiswayo wa ye ngumunt' o bude bake-bu lingene; e nge mfutshane, futi e nge mude kakulu. Wa ye nga si tungil' isicoco. Uze wa si tunga lap' e se ngen' ebukosini.

Kwati, mdhlan' e zo tunga, kwaye kwa bizw' inkosi ya kwa Qwabe, uPakatwayo, uku-zo-bukel' umdhhlalo we nhlanganisela ya mabuto. Naye we-za na wake. Kwa dhlalw' amasuk' amatatu; ku bulaw' izinkabi. Isikat' a tunga ngaso kwa ku seholobo, umbil' u vutiw' ezifeni. Isifazana sa blatshelw' izinkomazana. Sa-dhl' o kwa ngapakati kwe zinkabi; amabuto e nga vunyelw' uku-dhl' o kwa ngapakati. Kwati, ukuba ku dhlul'

amasuk' amatatu, wa hamb' uPakatwayo na mabut' ake. Wa-piw' izinkab' ezime, e zi nga se nawo amandhl' okuhamba.<sup>1</sup>

*Igama li ka 'Dingiswayo'*

Ukuba ku-tiwe uDingiswayo, kwa-tshiwo ngoba wa gwazwa ngo mkonto; wa hamba nawo. Kwa ba njengoba e nga se nal' ikubo. Wa hamba, wa ba ngumdingi ezweni. Ngoba wa ye nga ka l'az' izwe; no ku-hamba pakati kwalo. Ngaloko-ke, ut' e se buya futi, wa hamba nge ziny' izindhlela; e pambanisa imihambo yake. Okute, lap' e se bulal' uMawewe, wa zi qamba yena, wa-ti u nguDingiswayo. Nalap' e sekad' e bulal' eliny' ibuto le Ziewe (induna yalo uTayiza), e se-misa elinye (induna yalo ku ngu'Buza), wa li pakamis' igama lake lobutsha. Wā zi qamba yena ukuti uDingiswayo.

*Imizi ka Dingiswayo, ile:* 1. oYengweni; 2. eMinini; 3. eZiyondhleya; 4. oHeni; 5. eManineni; 6. eNhlabbeni; 7. eZicweni; 8. eNyakeni; 9. eNingizimu; 10. eNtambana; 11. eNhlangano; 12. eNyakato; 13. eBalungwini; 14. eSifazaneni.

Mina Matshwili, o xoxa le ndaba ka babamkulu, nga zalwa uMngoye ka Dingiswayo. uMngoye, ukuwela kwake, wa qala w'aka kwa Dukuza, eMbozamo. Wa suka lapo, we-z' eZinsimba,<sup>2</sup> lapa mina Matshwili ngi hlezzi kona na namuhla.<sup>3</sup> No baba wa-fa kona; wambelwa kon' eZinsimba. Ukuufika ku ka bab' eZinsimba,

<sup>1</sup> Ku-tshiwo ngoba za zi kulupele kakulu.

<sup>2</sup> Eduze na kwa Dukuza; ngenhla kwa kona.

<sup>3</sup> La mazwi a ka Matshwili a 'balwa ngo November—December, 1903. Yena, wā-fel' empini ka Bambata; ilanga lake lo kufa, kwa ku 8 July, 1906.

imali ye zindhlu ya i nga ka telwa ku Rulumeni. Uku-kula kwami, ngi kulel' eMbozamo. Ibuto lami, ngi iWombe.<sup>1</sup>

Ukuganwa kwami, ngi ganelwe se ngi lap' eZinsimba. Ubaba, int' e ya m enza ukub' a wele, e-ze lapa, úkub' uMpande a bulal' ubab' uKuzwayo (ibuto lake iNyosi, ka Dingiswayo). Ubaba wa cabang' ukuti u se zo m bulala naye ngo kubuya kwe-mp' eSwazini. U s'eqa-ke njalo; e se wel' e-z' eSilungwini.

## 6

## IZIBONGO ZI KA DINGISWAYO KA JOBE

(wa kwa Mtetwa)

uMAF' a vuке, njenge dabane.<sup>2</sup>  
uSombangeya<sup>3</sup> ka Ndaba !  
uMadhlekezele,<sup>4</sup> inkomo ya nganene,  
I zo tengana na yip' enenekazi ?  
I zo tengana no Mbangambi wo Vuma, emaTshobeni.  
uSombangeya ka soz' a tshelwa zindaba,

<sup>1</sup> U-tsh' ibuto la kwa Mtetwa, e li intanga yo Dhloko kwa ka Mpande.

<sup>2</sup> Idwangubane; idangabane. Ukula lwa semasimini, o lu ne mbalan' eluhlazana. Kwa ku-tiwa u-file, kant' u seRini; uzobuy' a buye.

<sup>3</sup> Ingabe ku-tshiwo ngoba wa banga no mfwob' uMawewe imi; wa m ahlu.

<sup>4</sup> Loko, sengati ku suk' ekuhlekezeni, ekugekezeni; ngoba naku, wat' e lika lwe lakubo, e vel' eRini, wa qond' emzini ka Mbangambi; wa fumana ku yaliw' esangweni. Yena-ke, wa simze " wa cit' imgoqo, wa ngena; " kungat' u ngena ngenkani.

U ya tshelw' izindaba, u gjimel' erawini.

Impunz' e vuке no mkont' emaWunzi.<sup>1</sup>

uNyawot' omnyama ! uNofukutwayo !

Kon' u nge m bon' e zula pezulu.

uNgwashi obomvu, wa oHamuyana ;

O mabal' a zizinge,<sup>2</sup> sengat' a bekiwe.

Izulu li ka Piko, li baneka kanjani ?

L'enzani e li ka Sombangeya ka Piko ?

Li ka Sombangeya ka Jobe ?

uQayambeya !<sup>3</sup>

uSahlul' amakos' a sohlangeni ;

Uye wa vurula kwa Mahlaba,

Ezinkumbini<sup>4</sup> za manzi,—

uZinto zake zo muka na manzi.

abaTembu ba kweza,<sup>5</sup>

Ba-ya ngo Jama ka Mnisi ;

Kand' uku-ba : " Jama-zibayeni, nge za batakati."<sup>6</sup>

Betabeta ngo moya wa semaMpondweni :

Ngite ngi sa-dhl' ezinye,

Ngabuye nga-dhl' ezinye.<sup>6</sup>

Izinkomo za bantu, zi ne nkelenkele ;<sup>7</sup>

<sup>1</sup> U impunzi ngoba bā m ciba nge nhlendhlia lap' e balekayo; inhlendhlia wa baleka nayo, i kuy' emzimbeni.

<sup>2</sup> Iziyingelezi.

<sup>3</sup> A ba kwa Mtetwa ba ya tefula. Kwa ba nga tefuli, ku-tiwa; " uQalambela." Loko-ke, mhlauimbe, ku-tsh' uku-qal' uku-mbela; ngob' ubukosi ba sohlangeni uDingiswayo wa bu tshonisa pansi, amakosi e wa ngoba, e-ti a ku be uyena nkosi kupela. Uyena o wa qal' umkub' onjalo. Ukuti uQayambeya, kwokunye ku suk' ohlamvini lo ku-gulabu (uku-galabela), ku-tshiwo ngob' e tembile ukut' u zo wa nqob' amakosi; e tembe amandhl' ake.

<sup>4</sup> Ukumbi, ugu; usebe.

<sup>5</sup> Ba damuka (njenge nkungu), ngoba be dedel' uDingiswayo.

<sup>6</sup> Lu kon' uhlamvu, kwe zi ka Tshak' izibongo, o lu fana na lolu Ginga ku k. 85.

<sup>7</sup> Zi ne cala; e-li ng'aziwa ukuba li yo pela kanjani.

Zi kungel' ingobe,<sup>1</sup> i sematshobeni.  
 Ilanga li mdondoza,<sup>2</sup> li ka Madhladhla ;  
 E la puma, amakwez' a bikelana,  
 Na kwa Ntombase,<sup>3</sup> na kwa Langa.<sup>4</sup>

## 7

## UKULOBOLA

UKULOBOLA ümkuba o wénziwa inDhl' eMnyama yonke ya seSouth Africa. eKipi, *ilobolo* li bizwa ngokuti *ikazi*; ku beSutu (kwa Mshweshwe), ku-tiwe *bohadi*; ku beTshwana,<sup>5</sup> ku-tiwe, *bohari*; emaNhlwengeni, na seSwazini, na kwa Zulu, ku-tiwe, *ilobolo*. Kwe ziny' izizwe-ke ba ku bize ngo kunye. Kodw' amabizo la, a-hluke nje, umtambo we ndaba munye : *Ku pum' izinkomo*<sup>6</sup> *ku mkwenyana*, *zi yo ku-ma ku yise we ntombi*.

Ukwahluka loku, pakati kwe zizwe, ku fana no kwo limi; ngob' o lwa beSutu lu hamba ngo kwalo; no lwa kwa Ngwané lu hamba ngo kwalo; no lwa maMpondo, no lwa maTonga. Kanti, nxa umunt' e 'bekisisa, u bon' izican' ezininginingi ndawozonke e zi fakaz' ukuti sengati bonke labo bantu bā dabuka ndawony' endulo.

amaXosa, na baTembu, na maMpondo, na beSutu, na beTshwana, na maTshangana, na baVenda, na maShona,

<sup>1</sup> Umkont' ogobileyo.

<sup>2</sup> Loku, sengati kuti, lā libal' uku-puma ; lā *donda*.

<sup>3</sup> uNtombazi wa oLanga. 'B. ku *Tulasizwe*, k. 46, (indab' e kuluma ngo-ndhlu yake).

<sup>4</sup> Uyise ka Zwide, wa kwa Nxumalo (wa kwa Ndwandwe). uDingiswayo wā m ahul' uZwide, nxa ku-liwa. Kodwa, kwa gcin' ukub' uZwide a m bulal' uDingiswayo, impi ka Dingiswayo i ngeko lapo. 'Beka ku k. 32.

Zi kon' eziny' izibongo zi ka Sombangeya ka Ndaba e zi sa sele. Kumbe zi yo fakw' ebukwin' elinye, nge zinsuk' ezipambili.

<sup>5</sup> Bechuana.

<sup>6</sup> Nxa zi ngeko ezweni, kwa ku lotsholwa nge mpahl' enye.

na maSwazi, na maTonga—zonke lezo zizwe, ne ziny' e zi nga balwanga (za seSouth Africa), zā dabuka ndawonye. Izilimi zazo zonke zi ya bizana ; ne mikuba yazo it' a yi fanane kwe ziny' izindawana. Umkuba wo kulobola-ke, naw' u njalo : isiqu sawo si bonakal' ezizweni zonke ; izici zodwa (za ngapandhle) e z'ahlukahlukayo.

(a) KWA ZULU.—Abantu bakuqala, kuse ko Jama, no Ndaba, no Mageba, ma si-zwa nga badala, ba be lobola nga mageja, ne zimbedu,<sup>1</sup> na masongo ; kut' o ne zimbuzi, a lobole ngazo. Yonke le mpahla-ke ya i ningi kwa Zulu, izinkomo zi nga ka biko. Izimbedu na masongo kwa kw-enziwa nge tusi ; itus i lona li puma kwa Makasane ka Mwali,<sup>2</sup> amakos' amadal' a semaNhlwengeni. eNatala, kwa ku lotsholwa nge mpahl' enjeng' e ya kwa Zulu ; abanye<sup>3</sup> ba lobole nge sikumba se mpunzi, na nge zindondo.

iNkosi, kwa Zulu, izinkomo ya i zi tola ngo kuhlasel' ezizweni. Isizofik' i z'abel' izinduna-ke ; ezinye zi xonyew' amaqawe, njengo kuhlabana kwawo. Kwa kuti-ke futi, umunt' o kw-az' uku-fut' insimbi, a tat' isigaxana sake se nsimbi a-ye nas' eNkosini ; iNkosi-ke i zo mu-p' inkomo, ngob' insimbi le ya i funwa kakulu, i funelw' imikonto e zo kw-abelw' oMadhladhle,<sup>4</sup> amabut' a ka Dhlungwane wo Mbelebele :

O Jame ngo mkonto pansi kwo Mzimyubu,  
 Na maMpondo a yesab' uku-m-ehlēla ;  
 " Nani boGambushe, nani boFaku,  
 Ni nga m hlabi,  
 N'oti ni nga m irlabi,  
 Kwoba se ni hlab' uPunga, na hlab' uMageba."<sup>5</sup>

<sup>1</sup> Abanye ba-ti umnaka ; umdaka. Izimbedu za zi fakw' entanyeni ; amasongo e fakw' ezingalweni.

<sup>2</sup> Ka Mabudu, ka Mangobe, ka Dhlankumba, ka Silamb wa.

<sup>3</sup> Njeng' a ba kwa Zondi (ba semaMpumuzeni).

<sup>4</sup> uZulu ; kwā-tsh' a ba sezizweni, be-tsho ngob' impi yā hamb' i-dhl' izinkom' indawo yonke—i zi-dhle qede, i bi si-ya nazoz kwa Zulu.

Izinkomo zā qal' ukw-and' ezweni la kwa Zulu se ku ku Tshaka. Kwa ilap' abantu se be qal' nku-lobolelana nge zinkomo ngazinye, ngambili, ngantatu. So ku-ya ngo kuqubekela-ke njalo; ngoba, pela, na ku Dingana na ku Mpande kwa ku hlaselwa zikati zonke, ku 'bekisw' enhla—kwo Mzilikazi ka Matshobana; kwo Sobuza ka Ngwane; na kwa many' amakosi. Kūbe ku ya-yiwe lapo, ku buywe ne zinkomo. Se z'anda-ke njalo emhlabeni wa kwa Zulu.

Kute, se ku ku Mpande, abantu base be lobolelana nge zihlanu ne zitupa. O kipe isihlanu, kwa ku-tiwa : "U se m ute wa!"<sup>1</sup> O kip' ezisitupa, kwa ku-tiwa lowo "u qed' impela, u se m kupula." Abanye ba be zi kipa ngazine, ngantatu, ngambili, na nganye; bese be nikelwa-ke.

No nge na nkomo nje, wa ye geagciselwa, be sekut' intombazan' e yo zalwa i tatwe nyise we ntombi a y'endisel' umunt' o ne zinkomo, zi buyise lezi e za zì nga pumanga. O nga qedil' nku-lobola, kant' u be se ganiselwe, kwa ku-tiwa *isigodo so nkwenyana*, ngoba, nxa umkwe-wak' e pasekile, u zo hamb' a yo quzul' esigodweni sake; āb' a ya hlupeke njalo, asuk' a yo xepula.

Umtefo ka Rulumeni omkulu wo kulobola, wā menyezel' eNatala ngo 1869. Abantu bona, lowo mteto, bā wu biza ngokuti : *Umbidhi ka Somsewu*.<sup>2</sup> Lowo mteto-ke, we-mis' izwi lokuti : *Izinkom' e zi lobol' izintombi za bantu ma zi ng'eqi etshumini (e li ne nggutu ngapandhle)* : e za bantwana ba bant' abangapezulu, zi ng'eqi etshumini ne sihlanu (15); e za be nkosi yo kubekwa, e pet' isizwe, zi ng'eqi ematshumin' amabili (20); e ze nkosi yo selwa, zì bē njengo kutanda kwa leyo nkosi.

<sup>1</sup> "U se m qed' isandha."

<sup>2</sup> Abanye ba-ti : *Isitabataba*.

U menyewa njalo lowo mteto, izwe lase l'onakele, ngob' abantu ba be kade be z'enzela ngo ku-zi-tandela bonke, be nga sa hambisi nga mteto; be nga s'enzi ngo mkuba wab' omuhle wa sendulo. Kwa kut' umuntu kazana, umfokazana nje, a pike ngokut' u fun' amatshum' amabili ne sihlanu (25), ingabe amatshum' amabili (20), ngo mntanake; abanye-ke ba zi bizele ngo kubona kwabo nabo. Izwe lase li xoveke kabi ngaloko, ndawozonke; abantu be hlupana, be fun' impahla; be yi funel' imali yo ku-teng' izingubo, naninani, emavinkilimi; kanye no ku-telel' imizi yabo ku Rulumeni. Wā lamul' impela-k' uRulumeni mzukwana loko. Na namuhlanje, ku se-mi umtet' onjalo.

Abantu bā-ti *umbidhi (isitabataba)* ngoba kwā bidhlik' izwe mhlaloko, oyise ba gjimel' uku-yo-ganis' abanta-babo emasoken' abo; ngoba kwase kū zo valek' uku-tol' izinkom' eziningi, o kwa qambek' ezweni ukuba ku-misw' umbuso ka Kwini ngo 1843.

(b) eSWAZINI.—Ku sa bus' oSobuza,<sup>1</sup> ka Ndungunya,<sup>2</sup> ka Ngwane, ka Dhlamini,<sup>3</sup> ka Hlubi, wa ye-t' umunt' a nga tshay' inkom' eyodwa, ku-tiwe ku pelile. Nom' e hlab' ugege nje (ingqutu), kube kw-anele. Na nge zimbuzi (a nga m lobolela ngazo) kuyoba ku lungile noma zi mbili, noma zi ntatu. Kuqala, izinkomo za zi ngeko ku lelo-zwe (njenga kwa Zulu); kwa kū vam' izimbuzi; izinkomo zi hamba na bakulu.

Abakulu, um' e-ndiselwe omuny' omkulu, a lobole nge tusi leli, umgongqoloza, a tshay' inkom' i be-nye; a beke kona, ku pele. 'Omkulu-ke lowo; w-enza ko muny' omkulu,—njalo. Nay' omkulu, um' e mukis'

<sup>1</sup> Elinye, uSomhlolo.

<sup>2</sup> Elinye, uZikode.  
<sup>3</sup> "We Ngongoni ye ma Vaneni; lo qed' uBombi ngo kuhlehetela" (uku-gijima ngamandhla).

umntanake ku muntu, lo a m endisela yena, ku hambe lon' itusi leli (ubedu); li be umgano, a gane ngawo. Ngoba, li uto olukulu ku bona, ngo mteto wakona kwa Ngwane.


Na sentengweni yal' itusi, la li biza kakulu; na nge zinkom' ezisihlanu, kwa ku tengwa ngazo; na nge nkabi, enkul' inkabi. La li ng'andile ku bantu bonke; li vame kwa bakulu. Kepa-ke, umkuba wa kwa Ngwane,— o lobole nge nkom' i lumete (i ne inkonyana), u qedile; a kuse ku-funwa kuye. Bese ku ba lugege (ingqutu).

Loku uku-lobola nge zinkom' ezisihlanu noma zintatu, ku ba um' intomb' i nge ye sikulu. Uma, no mntane-nkosi,<sup>1</sup> e lobole nge sihlanu, kwa kuyo batshazwa kakulu, ku-tiwe: "U lobolil' impela."

Namuhla, a ba kwa Ngwane,—ku la makos' a namuhla, o ku susela ku Mswazi, ba qale uku-biz'izinkomo, be zi biza ngokuti: "Odadewetu bamane ba tatwa nje!" Loko-ke, kw-enziwa ngo mkub' o wa qambek' eNatala, lapo kwa ku lotsholwa nga matshumitshumi. Lowo mteto wa ba buhlungu kwa ba kwa Ngwane; á base ba wu tanda. Abantu ba be z'enzela nje, be fun' izinkomo. Manje, umfazi, nxo e tshaywa indoda, indod' i kumbul' izinkomo zayo e ya m lobola ngazo. Kuqala, wa ye nga kalel' izinkomo, ngokuti: "Yek' izinkomo zami e nga zi lahlayo!" Wa ye m tshaya nje.

Ukuba ku lotsholwe nge zinkom' eziningi kwa Ngwane, ku vele ngo kuzwakala kwe miteto yo kuhamba kwa seNatala. Kwati-ke, ukub' i-zwakale leyo mitet' enjalo, ba kuluma bodw' a ba kwa Ngwane, ba-ti: "Tina, a si lobole ngo kwakit' okudala; imiteto ya sezizweni a si y'azi. Kodwa, uma be lobola kitia ba seNatala, a si zi biz' izinkom' ezinjeng' e zi bizwa kubo, inxa be lobola bona. 'A ba si lobolele tina ngo mteto wakubo.'

<sup>1</sup> Umntwana.



UKUNAS'TIBENI, indhlovukazi ya kwa Ngwane, e yake ya bus' imnyaka, i landelana no Madolomaftsha, indhlovukaz' enye. Wa ye inkosikazi ka Mbandeni ka Mswazi. Wā zal' uNgwane, inkosi ya seSwazini, e se ya-fa. Na le, e busa namhlanje, i zalwa uye.

A ba seNatala ba be vamil' uku-zo-fun' abafazi kwa Ngwane. Indhlela yo kuyuleka, ukub' a ba seSilungwini (eNatala) ba ngene kwa Ngwane, kwa vuleka ngo Tifokati, umntanenkos, o w'endisew' uSomsewu.<sup>1</sup> Loko-ke kwēnel' ukw-enzeka, kwase ku telek' a be seSilungwin' ezweni la kwa Ngwane, be-za be qub' izinkomo. Abanye be-z'emhlotsheni yabo. Ngo kufika kwabo, se be cel' izintombi.

EMAHLWENGENI (kwa Makasane).—Ku sa bus' amakos' akub' amadala, oMakasane, ka Mwali, ka Mabudu, ka Mangobe, ka Dhlankumba, ka Silambowa, kwa ku lotsholwa njenga kwa Zulu na kwa Ngwane.

amaNhlwenga lana, iwon' ā qamb' uku-lobola nge zimbedu na masongo (be-ti bona, *amasinda*), ngob' itusi la vela ngakubo; lā li fike na maPutukezi<sup>2</sup> *pambili*, amaPutukezi, *ku dal'* ukuza kwawo lap' eSouth Africa. Ibona beLungu a ba qalisa ngqa ukufika, (A.D. 1497).<sup>3</sup> Ne-zwe la seNatala, kuze ku-tiwe "Natala" nje, la qanjwa ibona; be li qamba nge langa lo kuzalwa ku ka Jesu-ilanga njalo li ka Kisimus,<sup>4</sup> *dies natalis*,—be-tsho ngob' unkumbi a ba be kuwo, w-ēnyus' ulwandhle, uhamb' u gudh' izwe lakit' eNatala nga lelo langa; u qond'enhl' eDelaguba,<sup>5</sup> na seNyambane, kanye na semazwen' amany' a ngapambili.

<sup>1</sup> Indaba ka Tifokati, umunt' a nga yi bona ku k. 160.

<sup>2</sup> Portuguese.

<sup>3</sup> Li kona kodw' izwi lokuti, ngo b.c. 600, ku sa bus' uNecho, inkosi (uPharaoh) ya seEgypt (umbuso wake wā qala ngo b.c. 610, wa geina ngo 594), leyo nkosi yā sus' umkumbi, u gwedhlwa amaPhœnician, i ba tolile; ya-ti a ba hambe, ba zungez' izwe la seAfrica, ba li qale nga seSuez, baze ba li geine nga sohlangotini lwe-zwe la seEgypt o lu 'beko nga seMediterranean. Abantu ba sePhoenicia ba be funde kakul' ukuhamb' olwandhle. Wa u su hamba-ke njalo lowo mukumbi. Nembala, waze wa li zungez' izwe la seAfrica, lonke lipela. Ku-tiwa kwa pel' imnyak' emtatu be yi hamba leyo ndhlela. A ku-zwakali ndaba kodwa a bā y'enzayo nxa be dhlula ku leli lakiti.

\* Christmas Day, 25 December.

<sup>4</sup> Delagoa Bay.

Kodw' amaPutukezi, indawo ya seDelaguba, bāze ba y'aka ngokwempela nge miny' imnyaka, so ku bus' oMabudu no Mwali. Ilapa-ke se ku zo dum' igamu la kwa Dinisa. Kuqala, kwa ku nga-tshiwo ukuti ku seDelaguba; kwa ku-tiwa ku kwa Dinisa. uDinisa lo-ke, liPutukezi lakona e la li tengisa nge tusi le zimbedu na masinda (amasongo); abantu be li tengia nge zimpondo ze zindhlovu. Lowo mLungu wa ye tengisa futi ngo buhlalu, na ngo tshodo<sup>1</sup> (olumnyama). Ku suka kona lapo-ke konke loku kwe zimbedu na masongo, e si-zwa ku-tiwa kwa ku lotsholwa ngako ndawozonke kuqala kwa Zulu, na seSwazini, na semaNhlwengeni.

Kodw' amaNhlwenga, emuya kwo kufika kwa maPutukezi lawo, aqal' a lobola nge zinhlu. O kwe zinhlu kwase kū landelwa ubuhlalu. Izinhlu-ke, ku-tshiwo o kwa kuti a ku fanafane no buhlalu. Zi luhlaza, njenge kaba lo mbila. Inhlal' i-nye, ya i ba ngaka : □ □ □ .

Nxa izinhlu zi humelw' entanjeni, intambo ya gaxw' entanyeni (ku munt' emi), yaze ya hlaba pansi nhlangoti zombili, kwa ku-tiwa izinhlu ezingako, se zi qed' ilobolo. Ba-t' abadala, izinhlu za ngena ku sa bus' uMangobe, uyise ka Mabudu. amaTong' ā lobol' a lobola nga loko, kwase ku ngen' ubuhlalu,—o bu fana na lobu ba namuhla, be-zwe lonke. Bona-ke, ba ngena se ku bus' uMabudu, uyise ka Makasana.

Se ku zo landel' izimbedu lapo, na masinda. Izindo-ndo lezi no mnaka, umunt' a ngati kwa ku-puma ku lon' itusi e la li tengwa kwa Dinisa, kuse kō Senzangakona. Ne ngxota,—into ya kwo Dingana no Mpande—ya yi kandwa nge tusi le zimbedu na masongo; i nga loboli kodwa yona.

<sup>1</sup> Ulembu; itete.


uMakasana wā bek' umteto wokuti, nxa ku lotsholwa, a ko kitshw' izimbed' ezisihlanu (5), na masind' ayisi-hlanu (5). Kwa hamba kwa hamba, kwati, ngo mbango ka Noziyingili no Makasanyana, iNkosi (uMakasana) ya-t' a ku lotsholwe nge zimbed' eziyitshumi (10), na masind' ayitshumi (10). O ka Noziyingili umteto, wa-ti a ku lotsholwe nge tshumi ne sihlanu le zimbedu (15), zi be na masind' ayitshumi (10). Wa ye nga vum' uNoziyingili ukuba ku lotsholwe nge mali ya beLungu, e-ti a ku be zimbedu na masinda kupela. Abantu ba nqaba. Kwase ku ngena yon' imali-ke.

Ku Noziyingili, kwa ku nga lotsholwa nge zinkomo; abantu ba vam' uku-lobolelana nge mali nje. Izinkomo zi vele ku Zambili, inkosikazi ka Noziyingili, yen' e se-file. uZambili lo, indodakazi ka Sobuzà, iNkosi ya kwa Ngwane, eSwazini. Leyo nkosikazi ya lotsholwa nge zinkomo zodwa,—amatshumitshumi.

uZambili yena, e se bus' e iNkosi, wā-ti a ku lotsholwe nge zinkom' ezine, eyesihlanu ku be nge yo kuhlatshwa. Ba nqab' oyise ba mantombazana, ba-ti: "Indhlu i yo qedwa zinkom' ezintatu kupela, ngoba nans' enye e yo kubulawa, enye (*ye sibindi*) i zo-ya ku malume we ntombi," (njengo mteto wakona). Amadod' amanye a-t' a ku lotsholwe nge situpa; amany' a linganis' etshumini. Se ku ukwahlulaka kwake-k' uZambili lapo; u se-ti a basale se be z'enzela ngo ku-zì-tandela.

Ukulobola loku, ku indab' enkul' isibili. 'Umkuba wa sendulo, pambili kakulu. eBaibileni (*Bible*) umunt' u fuman' ukut' amaJud' akuqala a ye hambisa ngawo; bona-ke, ilobolo be li bisa ngokuti: *mohār*.<sup>1</sup> Um'

<sup>1</sup> O tand' uku-bon<sup>i</sup> ukwenza kwa leso sizwe, a nga cing' eBaibileni ku lez' izindawana: *Gen.* xxxiv, 12; *Exod.* xxii, 16, 17; *i Sam.* xviii, 25.



uZAMBILI (lo omude, o geine ngakwesokudhla).

Kwati, ukuba ku-f<sup>i</sup> uNoziyingili (umyeni wake), kwase ku ngena yen' ebukosini, e patel' umntanake, uNgwanaza.

umunt' e 'bekisia, e hamb' e buza kwa badal' a b'aziyo, u fuman' ukuti ukulobola, iqiniso lako, *ukwenanana*. Umkwenyana, uyise we ntombi, u m enanelo nge zinkomo, ngob' e m nike umntanake, o be kad' e m sebenzel' imsebenzi ya sekaya. Izinkomo zi-ya ku yise nje, zi buyisa la mandhl' e ntombazana, okuyot' i si ganile, uyise no nina ingab' i sa ba sebenzela, isal' i si sebenzel' umyen'i kupela, kanye na bantwan' e yo m zalela bona.

Lezo nkomo, zi-ya ku yise nje, *zi ya funga*, zi fung' ukuti umkwenyana u yo m geina ngokufanel' umntanake; a m londoloze njalo, a nga hlupeki. Nxa be xabana, umakot' u zo balekela ku yise; uyise-ke a bese buz' ukuti: "Lez' izinkomo o wa zi beka kimi lapa, kanti wa u nga fungi ini ngazo na? Ukut' u yo m pata kahle na? Kanti, za zi zo-tini na?" Izona-k' izinkomo lezi e zi-mis' indhu, ukuba ku nga se kw-ahlukanwa; zi qimis' ubuhlubo; zi tekelez' ifindo, e li nga se ku-qaqlulwa luto. Konke loku-ke, ku bizana ne siga esikulu so kw-endisa, e si-tshiwo izwe lonke: *Igugu li ya donsiswana*.

Ba na mang' a ba-t' ukulobola *ukutenga*,—ku kanye no kuteng' izimpahl' emavinkilimi. A ku iko ukutenga, noma kungati a ku fanafane nako kancane; nom' umunt' edan' e-zw' abantu, a ba nga qondile kahle, be-t' abafazi babo *bā ba tengā*. Ukutenga loku ku kodwa; ukulobola nako ku kodwa. O pike ngokuti *kunye*, a nga simz' a kohlwe ukut' u zo-tini nxa wen' u-ti kuye: "O tandayo ka tiywa luto ma e fun' uku-tengisa ngo-to Iwake. ā lu teng' evinkilimi, noma wa zi tolela nje nge ndhlel' enye. Itsho-ke, ukuba ubani o wake wa m bon' e tengisa ngo mkake kwo muny' umuntu na? E z'enzela ngo tando Iwake nje? A tengise kungat' u tengisa nge nkoman'a yake. E-nza ngob' e bon' ukut' u yo zuz' impahl' enye ngaye." Ukwahlukanisa kwa ku ng'aziwa ku

sa buswa kwa Žulu; ku vele na beLungu loko. Po-ke, ku ng'aziwa njalo, umuntu wa ye nga tengisa kanjani no mkake, a-hlukane naye; umfazi yena abes'e yo ngena kw-eny' indoda, kant' umyen'i wake u sa hamba, u se kon' emhlabeni?

Umoya lo, wokut' ukulobola *ukutenga*, wa u ng'aziwa nakancane ku bantu abeLungu be nga ka fiki. Umunt' angaz' a-ti ku imihambo ne mikuba, le emininginingi ye-nDhl' eMhlope, e vus' ukukulum' okunjalo; a ngatscho kodw' ukut' abeLungu ba kw-enze ngabomu. Into e zi veelayo nje; ngob' izwe naku se l'akiwe izinhlob' ezimbili za bantu, ezahlukeneyo,<sup>1</sup>—e z'ahlukene ngo mbala, na ngo limi, na nge mikuba, na nge mvelo.

## 8

## IZIBONGO ZI KA SENZANGAKONA. I

uMENZI<sup>2</sup> ka Ndaba!<sup>3</sup>

u'Bid'<sup>4</sup> e li mateta nge zinyembezi,

Li njeng' e li ka 'Piko, eBulawini.<sup>5</sup>

Inyat' i hamb' i sengam'<sup>6</sup> amazibuko :

<sup>1</sup> Ka si kulumi lapa nga maKula.

<sup>2</sup> Ku xumel' egameni lake lo kwenza, uSenzangakona.

<sup>3</sup> Uyisemkulu.

<sup>4</sup> u'Bidi,—ku-tshiw' *ibidi*; int' e mabalabal' amaningi.

<sup>5</sup> Kungati igamu lo muzi.

<sup>6</sup> I Sengam';—lo 's' u biziwa ngokuti 'epenthetic letter' ngo kwe siNgisi. Ezibongweni zi ka Mpande lu kon' uhlamy' o lu-ti:

"Yet' inyat' ye Zibau!

U kulele, wa qongqwa, mnta ka Jama.

E si silo si na' meya,

Si na meva na setshobeni."

U-njengo Mzingeli, kwa Mamfekana.<sup>1</sup>

O ziteb' ezihle, uMjokwane ;

O ziteb' ezihle, zi-dhlel' amanxasa.<sup>2</sup>

O-dhl' umfazi, umka Sukuzwayo,<sup>3</sup>

Wa mu-dhl' uSukuzwayo, ne ndodana.

O-ye ngo mnyama ko Mazolo,

Wa buya ngo nyezi,

Amadod' a penduk' umbejakazane.<sup>4</sup>

O be-ye be m sola,

U ya buya, ba m zek' izibongo.

O be siyaka,<sup>5</sup> si ngamanz' endhlela ;

O kulume, kwati "kuhla !" kwati "lwale !"

Kwa nga ngumnyama, u si-za ne mvula.<sup>6</sup>

Ibicongo<sup>7</sup> e li mzimba butaka ;

O be mzimba muhle, na nge ndhlal' enkulu.

O be buso, bu nge na ndawo yo ku-solwa ;

O be mehlo, e nge na ndawo yo ku-solwa ;

O be mlomo, o nge na ndawo yo ku-solwa ;

O be zandhla, zi nge na ndawo yo ku-solwa ;

O be nyawo, zi nge na ndawo yo ku-solwa ;

O be zito, zi nge na ndawo yo ku-solwa ;

O be sipundu, si nge na ndawo yo ku-solwa.

uQangabodiya,<sup>8</sup> wa oMnkabayi !<sup>9</sup>

<sup>1</sup> uMzingeli wa ye ngo wa kwa Mfeka. Ukuti 'Mamfekana,' ukwyisa. Wa y'ak' ezansi, emtekwini, ngapambi kwa Somkele ; nga sema Nhlwengeni.

<sup>2</sup> Abanye ba-ti, 'amanxasakazi.' Amanxusa, amanxusakazi.

<sup>3</sup> Sengati kwa ku inkosi le, ye sizw' esinye.

<sup>4</sup> Umbejakazane ; umbekazane. Loku, úkufuteka kwe nhliziyo, umunt' e se vukelwe ulaka lo kw-enz' int' etile.


<sup>5</sup> Itshoba le nkabi, elimhilope kakulu.

<sup>6</sup> Kwa fana no mnyama nxo se li zo ku-na.

<sup>7</sup> Loku, úkukuluma kwa kuqala ; so kwa lahleka.

<sup>8</sup> Umqangabodwe. Ku-tshiwo ngeba wa ye mude, e ngapezu kwa bant' abanye.

<sup>9</sup> Udadewabo ; e zi ka Mnkabay' izibongo zi ku k. 165.



UNDABUKO KA MPANDE.

(Umzukulwana ka Senzangakona.)

Wa ye ngowakwab' uCetshwayo endhlini. Elliny' igamu lake kwa ku uMaduna. Uyen' o wa kulis' uDinuzulu, uDabulamanzi e se-file. E kw-azi kakul' uku-bong' amakos' a kwa Zulu.

uQabi kwe za meva, entendemuzi ;<sup>1</sup>  
 U nge-zwa be-ti : " Valela njalo, Sonjalose ; "  
 'A ba-tsho kuwe, ba bul' unyoko,<sup>2</sup> uMbulazikazi,<sup>3</sup>  
 Yen' e valel' ingonyam' endhlini.  
 uNombanga<sup>4</sup> ku-buya, wa oPalo ;  
 Ilang' e li pume li nsizwa,<sup>5</sup>  
 Lite li pezulu, la nsasa.<sup>6</sup>  
 Li fun' ukw-otiwa mizimbazimba.  
 uMashwabada<sup>7</sup> ka Maqanda no Nsele ;  
 O shwabadel' izindhlubu za ko mfowabo ;  
 Wa shwabadel' izindhlubu zi ka Mudhli, na makasi.  
 uMlunguzi we zingoje ;<sup>8</sup>  
 O wa lunguz' ingoje yo mfowabo,  
 O wa lunguz' ingoje ka Zivalele.<sup>9</sup>  
 Umtombo wa matshe, wa kwo Nobamba,  
 E ngi puze kuwo nga gangaleka ;<sup>10</sup>  
 Nga pos' uku-dhliwa na zimāmba,  
 E be zi la! ehlozini,<sup>11</sup> na sepungweni.<sup>12</sup>

<sup>1</sup> uQabi, —ku-tshiwi' iqabi (iqambi) le zinkomo. *Kwe za meva*,—sengati izibaya e z'ākiwa nga meva. *Entendemuzi*,—ugango lo muzi, o lu hamba *ngemusa* kwazo zonk' izindhu.

<sup>2</sup> Uku-bula, ūku-kuluma ngo munye. Lapa-ke, ku-ti : Ba kuluma ngo nyoko.

<sup>3</sup> Unina ka Senzangakona kwa ku intombi ya kwa Sibiya, kwa Gazu, —igamu lake ku *nguMlaniya* ka Zingelwayo.

<sup>4</sup> Wa ye banga ; so ku-tiwa uNombanga-ke.

<sup>5</sup> Li nge na msebe.

<sup>6</sup> Li ne msebe, li xopa.

<sup>7</sup> Uku-shwabada, ūku-qogel' into ndawonye, bese ku-dhliwa ; njengo kwenza kwe nkomo ngo limi lwayo, nxa i-dhl' utshani ; futi, njengo kwenza kwe ndhlovu, ngo mboko wayo.

<sup>8</sup> Iziwa.

<sup>9</sup> Uyise ka Zivalele, ūNdaba ka Punga, wa kwa Zulu.

<sup>10</sup> Umuntu, nxa e-zwa sengat' u se zo quelea, ku-tiwa u ya *gangaleka*.

<sup>11</sup> Ihlatshana e li ne zintandela ne mizungulu.

<sup>12</sup> Umuti o yi intandela, o vam' ukw-anda, uz' u be ihloz' eliku. *Ibunga* li intelezi yo kw-elap' inkom' e no nqatsha.

Amanz' a seMpembeni,<sup>1</sup> Ndwandwe<sup>2</sup> ka Ndaba,  
 Amanz' a seMpembeni, inguqunguqu ;<sup>3</sup>  
 A ngi wa qedi na lap' a-yayo ;  
 Amany' a y'euka, amany' a ya qonsa,<sup>4</sup>  
 A njengo Qōnsa, wa seSigezeni.<sup>5</sup>

## 9

## UTSHAKA,—UKUZALWA KWAKE

## I

[Lez' izindaba zi ka Tshaka,—(a) *ukuzalwa kwake* ; (b) *e se ngumfana* ; (c) *e kwa Mtetwa*,—sa zi xoxelwa ó wa kwa Zulu impela ; wa sekohlo. Uyisemkuhi, kwa ku *uMudhli* (ka Nkwelo, ka Ndaba). Yena wé-zwa ngo yise ; uyise e-zwe ngo yisé wake naye, *uMudhli*, *uMudhli*-ke e bone nga mehlo ; e pakati kwe ndaba.]

UTSHAKA, ukuzalwa kwake,—Ku suk' indoda ya seLangeni, ka Mbengi, we Nguga.<sup>6</sup> *uMbengi* wa tum' indoda ne nsizwa ; indoda i twalelwé umfana. Manje-ke, ba funyana uSenzangakona a-lusile ; e sendhl' ekwaluseni ; e na bafan' abaningi ; be hlab' amatole, ā zi nhlabisa-mtimba, ā zi mpondo-zi-banjwa-zi-sale. *uSenzangakona* wa ba-p' inyama labo bantu ba seLangeni.

<sup>1</sup> iMpembeni, umful' o ngen' eMfoloz' emhlope ; u seduze no Mkumbane, la kwa kw-ak' uMgungundhlivo. Amakos' a kwa Zulu ā lahlwa kona nga seMpembeni,—oZulu, no Mageba, no Punga, no Jama ; kanye nay' uSenzangakona lo obongwayo. La kwā tshalwa kon' amakosi-ke, ku-tiwa ku *seMakosini*.

<sup>2</sup> Indwandwe, umunt' omude ; ba m bonga nga loko, ngob' e mude.

<sup>3</sup> Ukub'a ya hamb' a 'beke le ; abuy' a penduke, a 'beke nga kwe ny' indawo ; abuy' enz'okunye futi.

<sup>4</sup> Urukukuluma kwa kuqala ; o ku nga s'aziwa namuhla ukuba kutini.

<sup>5</sup> Lo muzi kwa ku ngo ka Mtembase ka Jama, yena-ke e petwe uMnkabayi ka Jama. Wa u seMfoloz' emhlope, eduze na *seMakosini*.

<sup>6</sup> Umuzi wak' omkulu.

Ba dhlula, ba-ya lapa be tunywe kona inkosi yakubo, ukuba ba-dhl' inyama. Base be buya futi ngakona : esihlahleni futi. Sebebuye be-piw' inyama futi. Base be hamba-ke, be-y' ekaya. Se be fik' ekaya-ke ; se be xox' indab' emantombazaneni, ku Nandi.

Se be-ti : " Si funyan' izinyane le silo, l'alusile. Se li si-p' inyama." Wa-ti-ke : " Ubani na ? " Wa ye se-ti-ke : " uSenzangakona." I si-t' intombazana : " U ya jabul' ok' a m bone." I si-t' indoda : " Ngi nga yo ku-kombisa." E se-ti-ke, uNandi : " Hamba-ke, u yo ngi kombisa." E se but' amantombazan' akubo, uNandi ; e ba maningi. E se hamba nay' indoda le, ne nsizwa, no mfana wake (indoda), o m twalelayo.

Se be-ya, baye ba fike kona, kub' abafana. Bafike ba hlal' ecaleni kwa lesi sihlahla sabo, lab' abalusile. Ba ba buka nganhlanje, bona be nga ba boni ; kant' izintombi zi ya ba bona zona. Se be dhlala-k' abafana nga mahlamyu ; be tshayana. I si m kombisa-ke indoda, i m kombisa, i-ti : " Nanguya-ke ugobo lwake, uSenzangakona." Se be hlala nje-ke.

Zonk' izinsuku, bede be-ya kona, amantombazana la, nay' indoda. Se ku suk' izinkomo-ke, zi hamba zi-ya nga kuw' amantombazana. Se be-ti ku bafana : " Hambani ni yo z'eqela." Ku-tsho lab' abafana ba ka Senzangakona. Se be funyanis' izikundhla zo kuhlala ; be bon' amatamb' e nyama, no tshwala. Se be bon' ukuti : " Ha ! Ku kon' o ku hlala lapa ! Kant' izintombi ! Ka zi seko ; se zi godukile ! "

Base befika be-tsho lapa, be-ti : " Au ! Kanti si hlezi lapa nje, ku kon' abant' a ba hlezi lapaya ; siti si hlezi, be si buka nganhlanje." Ba-ti : " Hau ! Abant' a ba njani na ? " Ba-t' abafana : " Ku nuk' umutwa (amaka la ; a qolwa izintombi). Ba-ti : " A si-tshong'

ukuti ngamadoda ; si-te nga izintombi ; ngoba ku nuk' umutwa. Si bona na matambo ; konke nje. Izikundhla se za ba mhlope, pansi kwo muti."

Base be goduka-ke oSenzangakona, be-y' ekaya ; be yo lala. Se be buya-ke kusasa, be-za kon' esihlahleni sabo. Se be fika ; ne zintombi lezi se zi fikile. Base be-ti : " Ake ni yo bona." Base be hamba-k' abafan' abanye, na lab' a ba be bonile ; ba ba bane. Base be zi funyan' izintombi.

Base bet' uba ba fike, i si suk' indoda ne nsizwa no mfana, se be goduka-ke labo. Se zi hlal' izintombi. Se be buya lab' a ba be tunyiwe. Se be-ya kuy' uSenzangakona. Sebefike be m tshela, be-ti : " Si fikile kuzo ; zi ning' izintombi ; be zi hamba na leya ndod' e sa yi-p' inyama. I si hambile."

E se-ti-ke : " Hambani, ni yo zi biza." Se be zi biza-ke. Se zi-za-ke. Se zi fika-ke kubo. Se be buz' ukuti : " Ni-yapi na ? " Za-ti : " Si zo bon' izinyane le nkosi ! " Ba-ti : " Ubani na ? " " uSenzangakona." " Ni ya m azi ini na ? " Ba-ti : " Si ya m bona ; kodwa a si m azi ; si m bukela kude."

Ba-ti : " U zo bonwa ubani na ? " Ba-ti-ke : " Nangu ! " Ba-ti : " Ni ngabapi na ? " Ba-ti : " Si ngaba seNguga, eLangeni." " Ni ngaba ka ban' eNguga na ? " " Si ngaba ka Mbengi, we Nguga." " Po, uban' intombi ka Mbengi e zo bon' uSenzangakona na ? " Ba-ti-ke : " uNandi." Ba-ti : " U zo m bon' ukw-enzani ? " U-ti-k' uNandi : " Ngi zo m bona ukuba ngi m tanda."

Ba-ti : " Umupi-ke na ? " Base be hleleka-k' abafana, beti zebu ! Ba-ti : " M kombe ! " Ya i si m komba-ke, i si-ti : " Nangu ! " E se suka-k' uNandi e se-y' edhlangalen lake (uSenzangakona), la ed' e m bon' e ngena kona.

È se ngena ; se kw-endhlalw' izicepu ze ncema, ne nduli, na maceba, ne 'buma (okwalukwayo). Se be hlala-ke. Izinsizwa lezi zónke, se zi tat' izintombi e zi zi tandayo nazo. uNandi u se ngena ne ziggila zake e zi m tandayo, nay' a zi tandayo ; e zi m pekel' ukudhl' ekaya ; zi ngen' edhlangalen li ka Senzangakona. So ku hlalwa-ke, ku-dhliw utshwala ne nyama. So ku tshon' ilanga ; se be buya.

Intombi (uNandi), i si-ti : "A ku hlal' abafan' abane lap' edhlangalen akadé be hlez kulo ; ba nga goduki." U-tsh' abafana ba ka Senzangakona. U-ti ma ba linde lel' idhlangala ; ba lale kulo. Ba ba nik' izipuku zo kusala be lala. Ba ba nika no kudhla. Se zi goduka-ke izintombi.

U se-t' uNandi, a zi hambe zi-mb' incombo ; zi yi fak' emanzini. Indoda le-ke, i si ya y'ak' indhl' ekaya ; ya i se yaluk' isicaba ; i si gaula konke ne mtshayo ; i si qeda konke, i kuti nya. Usebuy' uNandi e fik' ekaya. U se-t' indoda leyo kusasa, à yi fun' abantu, izinsizwa, zi yi twale ; zi yi-se kona lap' esihlahleni. Amantombazan' a twal' izihlandhla, ekade z'alukwa zonk' izinsuku,— zo ku-fulel' indhl.

Se be yi twala, baye ba yi fikise kona. Se be tata lol' upahla ; se be lu susa ; so ku betelw' indhl ; i-mbiw' umsele wayo ; i si fakwa. I si ggitshwa ; i si pahlwa. I si fulelwa-ke, nga lol' usuku e fike ngalo. I si fulelw' i pela ; i si gandaywa. Se be lala kona-k' abafana labo-ke. So ku hungiswa lol' upahla, e be ku ngo lu ka Senzangakona kuqala. I si y'enziw' ukub' i b'enkle ; ku be nge yo kupek' inyama yake ; ku fakwe ne zitsha zo ku-tel' utshwala. Se ku pekwe no kudhla kona. Yen' ab' e hlez lap' endhlini yake.

uSenzangakona uselok' e hlala nayo-ke intombi yake.

Kwaze kwa dhlul' izinsukwana. Kwase ku fik' isikati-ke manje sokub' abafana ba hambe, nay' uSenzangakona, ba pindele kwa Zulu. Ba muka naz' izinkomo lezi zakubo, ekade be z'alusile. Ba hamba-ke, No Nandi u se goduka na bakubo, be buyel' eLangeni. So ku hlalwa nje-ke.

eLangeni lapa, uNandi u se gula. Kuqale kwa-tiwa u kwelwe *itshati* (igamu le kambi<sup>1</sup>). Base be-ya kwa Zulu, kwa Nodunga, kubo ka Senzangakona. Se be funyan' uMudhli, a be-ze kuye ; a ba zo buza loku.

Ute, ukub' e-zw' ukukuluma kwabo, u se biz' uSenzangakona. E se-za. E se-ti : "U ya b'azi lab'abantu na ?" Wa-ti : "Qa, ka ngi b'azi." Wa-ti : "A ba seLangeni. A kuko muntu wa seLangeni o m aziyo na ?" Wa-ti : "Qa ! Ngi ya w'az' amantombazan' akona." Wa-ti : "W-azi bani na ?" Wa-ti : "Ng'az' uNandi." Wa-ti : "U m azelapi na ?" Wa-ti : "Ngi m azi lapa ng'alusela kona." Wa ye se-ti : "Yebo-ke. Ngi ye-zwa-ke. Ba zo bika yena-ke. Ba-ti ba zo ku-tshela, ungaz' uti namhlanje, kako nje, u-ye ngapi. U ya gula." U se suk' uSenzangakona, e se zi hambela-ke.

Kwa dhlul' isikati-ke futi, uNandi u se zal' umntwana. Lowo mntwana kwase ku-tiwa *uTshaka*.<sup>2</sup> Be-za-ke fut' a ba seLangeni, be za ku-m-tshel' uMudhli. "Hau ! Ini na ? Bafo ba seLangeni na ?" Ba-ti : "Si-ze ngako e sa si zo ku-bika kuwe, kway' intombazana." Wa-ti : "Ku njani na ?" Ba-ti : "U belete." Ku muntu muni na ?" Ba-ti : "Umfana." Wa-ti : "Yebo na ?" Ba-ti : "Ehe !" Wa-ti : "Wo ! Kuhle-ke. Hambani-ke. Ningaze na lokota ni kulume na ko muny' umuntu ;

<sup>1</sup> Ukufa.

<sup>2</sup> U-tiwa jelo gamu nje, ngob' unina kwake kwa-tiwa u ne *itshati* (loko kufa, abanye be ku biza ngokut' *itshaka* ; abanye be-ti *itsheka*).

ku be ukwazi kwenu nje nodwa. Nami, a ngi soze nga tshela muntu lap' ekaya; ngoba la kiti, ka ku-tshiwo ukut' inkos' i ya zala.<sup>1</sup> Kuya ku ba ukwazi kwami ngedwa. Ngingaze ngi xoxel' uninakulu, la se ngi bon' ukuti ku umuntu." Ba hamba-ke; ba-y' ekaya kubo-ke.

Kwa hlalwa-ke, ku ng' aziwa muntu. Waze wa hleba-k' uMudhli ku ninakulu, unina ka Senzangakona.<sup>2</sup> U hleba la ku ganwa uSenzangakona. U se-ti: "Mame, u ya kw-azi nje o ku kona nga seLangeni na?" U-ti: "Ukuni?" U-t' uMudhli: "O kwe ngane yo mfana?" U-ti-k' unina: "Yebo na?" U-ti: "Ehe." U-ti-ke: "U ngakanani na?" U-ti: "Ka ng' azi; ngoba se ba ngi tshela, nga-ti mina 'Ku tukuseni.'" Wa-t' unina: "O kwa yip' intombi?" Wa-ti: "O kwe ntombi ya seLangeni, uNandi." Wa-ti: "Yebo na?" Wa-ti: "Ehe." Wa ye se-ti: "A ku hambe-ke, u yo ngi cingela." Wa hamba-k' uMudhli.

Wa ku funyana kuy' uninakulu wako (o zal' unina). Se ku isigaxa se ngane; e se kulile. Eseti-k' unina ka Senzangakona, u se sipul' umuzi; u se wu pota, e w' enz' intambo. U se-ti: "A ku pindele u yo ngi bincis' okalwemi nga le ntambo, ut' u nga bona la e kaule kona, u tekelez' ifindo. Ubuy' u yi let' esifubeni; na kona, u bon' ubungaka bayo, u tekelez' ifindo. Ubuy' u yi-mise naye, u bone la e kaule kona, u tekelez' ifindo. U bu su buya nayo-ke, u zo ngi kombisa."

Wa hamba-ke. Wa kw-enza loko. Wa buya nayo-ke. Wa ku bona konke, ubungaka bake; ukuti lel' ifindo,

<sup>1</sup> Kwa ku sa sokwa kulo lonk' izwe nga leyo nkati,—ukwenz' okukulu kwa sendulo. O wa qal' ukuti a wu yekwelovo mkuuba, uDingiswayo, e-teho ngob' e sa libele uku-hlasel' izizwe; ku ngeko tuba lo ku-hambisa ngo mku'b' onjalo. A ba kwa Zulu ba be konzile-ke ku Dingiswayo. uSenzangakona lo, u bonana no Nandi nje, u be nga ka soki yena.

<sup>2</sup> uMtaniya ka Zingelwayo, wa kwa Sibiya, kwa Gazu.

e la sokalo; leli, e la sesifubeni; leli, è lo kub' emi, e li kaule ekanda; ubude bake, bu ngāka. U se jabula-ke. U se hlala-ke.

Sekuti, ub'a hlale-ke, ku hamb' isikati. U se m tuma futi, u-ti: "Ake u yo ngi bonela ukuti namuhla u ngakanani." U se hamb' e pindel' e yo bona. U se m funyan' e kulile; e se ngang' abantwana ba sekaya, abafana.

U ya buya, u se m tshel' ukuti: "U ngang' oSibani-bani nangu!" U se-ti: "Hau! U nge ngi tumbele na? Ngi ku bone na sebusuku na?" U se-t' uMudhli: "Qa! Ku ng' énziwa loko, mame." "Po, ku ng' enziwa njani, mntanami na? Ngingaye ngi ku bone kanjani na?" A-ti-ke uMudhli: "Qa! Mame. A ku yeke, ngi za ku-cingel' icebo lo ku-ku-bona." A hambe-ke. A hlale-ke, a hlale-ke.

A be sebuy' e-t' unina: "Mntanami, wa-t' u za u'-ngi-cingel' icebo, a waze wa ngi cingela na? Inhliziylo ka i sa vumi." Wa ye se-t' uMudhli: "Qa, mame! Tan' u ya gula; u-ti ku nkenket' amatambo. Bese ku yo funw' inyanga yo mzimb' omubi. A ku pekel' izimbiza, ngob' u-t' u ya gula. Kw-enzele ukuba ngize ngi ku tatele-ke loku; ukuba kungase ku-za munt' omdala endhlini kwako, ngoba kuyobe so ku pekw' izimbiza." Bala-ke, se ku bikwa-ke loko, ku-tiwa i ya gul' inkosikazi.

So ku landw' inyanga-ke, e ya u'-pek' izimbiza. U se-tsh' emantombazaneni-ke, e-ti á m alukele icans' elikulu, le 'buma, e li ya u'-sit' izimbiza zo muti. U se-ti-ke, abafana á ba m funel' izimbaq' ezimhlope zo gagane, o se l'omile, kanye no mtomboti; e-nzel' ukuba a puz' umuti, a kanyise ngaz' ebusuku. Se be kw-enza-ke loko-ke.

E se m landa-ke umntwana lowo uMudhli. E se m faka ngalāpa, ngasemuva kwe sikwabukwabu. A hlale kona-ke. E se zi bukela yena yedwa njalo, na semini na sebusuku ; umunt' omdala e nga se-zi endhlini, ngoba kw-esatshw' ukuti u ya kw-on' izimbiza ze nyanga. Se be buka bobabili nje no Mudhli. Yen' uTshaka u se kona lap' ekaya ; u bonwa ibo bobabili kupela.

Se ku-zwakala-ke nge ziny' izinsuku, ukuti : " Ku kon' o ku tukuswe unyoko lapa ; u tukus' impaka yake lap' ekaya." Ud' e-zwa-ke uMudhli, o aluse le mpaka, ukuti : " Hābo ! Se be ku neomile ! Se be ngi pamba !" U se tata nge jubane, e ya ku-ku-kipa ; e ku kipa nge ntuba ebusuku. Se be tula-ke ; se be lalel' igamu lokuti : " A ku-hlwe, ni yo ku-vimbezela ; ni yo ku-bulala, kanye nas' isalukazana e si umame."

Base be-zwa-ke oMnkabayi, odadewabo, ukuti : " Ku kon' o ku tukuswe unyoko. Ku neonyw' enkosini, ukuti : ' Ku kon' impak' e kona, e dhlaliswa unyoko zonk' izinsuku.' U se zo bulawa." A se-ya-k' amantombazana ku nin' endhlini. E se hambisana nabo a ba yo bulala. Asuk' a vimb' emnyango. Wa butan' uZulu, kon' ebusuku. Wa hlala nje pandhile ; ba kak' indhlu. Ba bas' amazob' o mlio. Kwaze kwa-s' amantombazan' e hlez' emnyango.

A ye se-t' amantombazana, ukuba ku-se : " Puma, mame !" Wa pum' unin' endhlini. Ba ngena. B'a-mbul' icansi,—leli elironqileyo. Amantombazan' a-ti : " Li kipen' icansi lelo ; ni-ze nay' impaka yenu, si yi bone nga mehlo !" Unin' u se-mi na mantombazana lapa pandhle, egcekeni ; emnyango. Ba li kip' icansi, Ba li nizez' amantombazana. A l'amukel' icansi ; a l'endhlala pansi.

A-ti : " Letani-ke, impaka ka mame ! Ni yi-zise

lapa, si yi bone." Ba-ti : " A kuko luto !" Ba-ti : " Kipan' umuti lowo." Ba wu kipa. Ba-ti : " Ngenami, zinduna, ni yi kip' impaka ka mame, e ni zo m bulalela yona !" Ba-ti : " Ka yiko." A-t' amantombazana : " Ka yiko ngani na ? Umame kant' u-felani na ?" A kala. A se ngquzul' isililo, e kala ; e banga kuy' umne-wabo.

A-ti kuye : " Umame lo, u bulawa nje, w-enzeni na ?" Ba kala. " Kanti a kuko luto na ?" " Qa !" A-t' amantombazana : " Si-ti a ba yi beke kona lap' emehlwén' ako impaka ka mame." U-ti : " Hau ! Kanti ba ya m qambel' umame na ? Kupi loko zinduna na ?" Indun' i-ti : " Ka kuko." U-ti-ke : " Po ! Loku kw-enziwa ini na ?" I-t' induna : " uRubu ka Bejana !<sup>1</sup> U na manga ; u mfemfeta nje ngo mlomo ; a kuko luto."

I-ti-k' inkosi-ke : " Hambani, ni yo ba bulala bonke ; nize ni qwat' izinja zakona ; nitshaye ni qotule. A nga hlali no yedw' o wakona." uSenzangakona u kuluma nje-ke u-tsh' umuzi wa seBaqulusini, kwa Mfemfe—ibo lab' abantu ababulawayo, ngoba ibon' a ba-ti ku kon' impak' ekaya, be-tsh' uTshaka. Kwa-tiwa ma yo bulawa ; ba funyanis' e nga seko, se be m eqisile ; e se pindele eLangeni.

Se be bulawa-ke bonke, be qotulwa. Sekuti-ke, loku o ku hamba ku sala, se ku ngena ko ka Mnabay' umuzi ; ku tukuswa uyena ; loku o ku ngabantu ba seBaqulusini. So ku-tiwa : " Ba pelile." So ku hlalwa-ke.

<sup>1</sup> Loku, isiga so kukuluma. Kuye ku-tiwe futi, uSinge si na makalane.

## 10

## UTSHAKA,—E SE NGUMFANA

## II

Se ku hlalwa, ku hlalwa-ke. Sekut' emuva, se li vel' igamu, e se li-ti : " *Lok' o kwa bulawel' umuzi, ku kona!* " " Yebo na ? Kupi na ? " " Wo ! Ku seLangeni." So ku-tiwa-ke : " Ni nga ku bona na ? " Se be-ti-ke : " Singaze si kohlwe umntwana wakiti na ? " Se ku tshayw' izinkomo, se ku-yiwa kon' eLangeni, ku yo lotsholwa.

Se be fik' ekaya, lap' eLangeni. Izinkomo z'alukile. Se be fika ne zakiti kwa Zulu, be zi tel' esibayeni ; se zi gewal' umuzi. Se ku yo kulek' izinduna, ukuba zi zo lobola ; zi lande inkosikazi leyo, uNandi.

Se be-t' a ba seLangeni : " Au ! Ingani lowo muntu u se wa-fa na ? " Ba-t' a ba kwa Zulu : " A si m azi. Na ni nga si tsheli ngani na ? " Ba-t' a ba seLangeni : " Wa ye ganile ini ? Loku sa ni bikela kon' ukugula kwake, e ne tshati. *Wa-fa.* Abakiti-ke ba hlal' esangweni, lonk' ibandha ; la kak' esangweni, ukuba be qapel' uTshaka, la izinkomo se zi buya, beti ba yo m bona ku bafana, la se ku buy' izinkomo.

Kanti-ke, uMudhli u se-ye wa si tshel' isalukazi, e si nguninakulu (o zal' uNandi), ukuti : " Ku-ziwe lapa nje, ku zo bonwa yen' uTshaka." Isalukazi se si biz' uMbikwana (umfowab' oMbengi), wa seLangeni, wo kuzalwa. Se si-ti kuye : " Wo ! Mbikwana ! Hamba u yo ngi tate! endhle umntan' o mntanami lowo ; u m hambise nga sotulini lwe zinkomo ; u m kete ku bafana, uz'

uz' u ngene naye nge ntuba." Abes'e hamba-k' uMbikwana.

Abes'e ya m tata ku bafana kon' endhle. A-ti : " A zi buye-ke izinkomo ; z'enz' utuli." Abes'e hamba naye nga sotulini, la ku nga sa bonakali ; se ku hlangen' utuli. Az' ay' a ngene ku ninakulu. A m etulele umkusu, isiboma se nyama.<sup>1</sup> E se-ti ku Mbikwana : " Hamba naye-ke, u mu-se ku mame, kwa Qwabe."

U se hamba naye-ke, kona kusihlwa ; e-y' emzini wak' uMbikwana naye. Esefik' e m gwazel' iduna le ntenga,<sup>2</sup> elimhlope ; e li ndhlebe-zi-bomvu. E se pekelwa-ke, kon' ebusuku. E se m tata-ke, e mu-sa kwa Qwabe ; e yo hlala naye kona, ku koko wake, o zal' unina ka Nandi. U se hlala-ke kwa Qwabe.

Se ku vuk' inxeba e li njeng' e li m kip' eLangeni—*ukukuluma.* Ngob' eLangeni wa cetshwa ; kwa suk' a ba seLangeni, be-za kwa Zulu, ba-ti : " *Loku o kwa bulawel' umuzi ku kona!*"

Ngoba wa y' alusile ne nkosana ya seLangeni ; b'enz' izinkomo za matshe, izinkunzi za matshe, be zi qata. E ka Tshak' ingalo i lukuni ; i yi kipa inkunzi e petwe ilo, inkosana ka Mbengi ; i yi xotshe. Babuye b'enz' eny' inkunzi futi nge liny' ilanga ; ibuy' i yi xotshe. E ka Tshaka i na mandhla.

Az' a hlubuk' isandhla lo wa seLangeni. Se be buzake, be-ti : " Hau ! Ka u zi xezeli ngani na ? uTshak' u ya zi xezela." Abes'e-ti : " Isandhla si buhlungu." Ba-ti : " S'enziwe ini na ? " A-ti : " Ngi hlutshulwe uTshaka." " Ngani na ? " " Nge nkunzi yake, ya matshe." Bese be babaza, be-ti : " Hau ! Intwana yo ku-tukuswa, iz' i bulal' umntwana we nkosi yakiti na ? A bulawe iNtungwana lo ku-tukuswa."

<sup>1</sup> Epekiweyo, emakaza.

<sup>2</sup> Eliteniweyo.

Kant' u ye-zwa-k' uTshaka; u-zwa ku lab' a ba sengayo, be kuluma loko. Yena ak' a yek' uku-xeza; a tulise, a lalele. E-zwe ukuti ukukuluma ba ku gcinele pezu kwake. Bese ku lalwa. Kuti kusasa, z' aluke futi; ba pindele kon' endhle, la b' alusela kona. Bafike ba zi qat' izinkunzi. Abes'e yi dedela ngamabom' uTshak' eyake. Abes'e yi xotsha-ke, lo o inkosana ya seLangeni. Abes'e tat' itshe, e yi bulal' inkunzi ka Tshaka; e yi gxoba nge-tshe; i si-fa. U se yi ntshinga; isibuy' i'bong' eyake.

U se fun' eny' uTshaka, kona lapa. I si 'bong' esi-bayen' e ka Tshaka. I si suka leya, ya seLangeni; i suka lapaya kubo, i zo ku-lwa lap' ekaya; ngob' i si bulel' eny' inkunzi, ka Tshaka. Se zi hlangabezana; se zi-lwa. uTshak' u se yi dedela. U se yi tat' e yi gxoba; i tatwa ilo mfana wa seLangeni, oke wa bulal' enye. Usebuy' e yi gxoba futi.

U se yek' uTshaka uku-yo-fun' eny' inkunzi; u sa ku-yi-funa kusasa pela. U se-ti-ke, ukuba zi buy' izinkomo, u se xoxela lab' a ba sengayo, ukuti: "Wo! Ziye zati zi ya-lwa, nga y' ahlul' e ka Tshaka nge yakiti; ngase ngi tat' itshe ngi yi bulala. I si-f' iti nya." Se be hleka-ke lab' a ba sengayo, ba seLangeni. U se lalel' uTshaka lapa e kuluma, e ba tshel' abakubo. Se be hleka-ke ub' e ka Tshaka y'ahlulwe, ya bulawa.

Se be-ti lab' a ba seLangeni: "'A u-zwa-ke!'" Betsho ko wakubo lo, o nkunzi y' ahlul' e ka Tshaka, (abuy' a yi gxobe nge-tshe, a yi bulale). Se be-ti-ke: "Ho! iNtungwana, e li zo ba ilo inkunzana yalo y'ahlul' inkunzi yakiti na?" Ba ya hleka-k' esibayeni. U lalele-k' uTshaka. U se vuka-k' ekuseni-ke; z'äluka.

U se fun' eyak' uTshak' inkunzi; u se yi tola. I si

'bonga-ke; i qond' ekaya, emzini waik' uTshaka.<sup>1</sup> I si puma le ya seLangeni, e bulele izinkunz' ezimbili; i si-z' ekaya. I si puma le ka Tshaka; i pumela ngapandhle, i yi hlangabeza. Se zi hlangabezana qede, e ka Tshaka i si ba na mandhla. I si qatsha, i pum' esandhleni ka loya, wa seLangeni; i si-ma lapaya. U se yi cotsha, e buya nayo, e-za u'-zi-qata. U se si tambis' isandhl' uTshaka. I si pum' eyak' i qatsha. U se gjim 'e yi tat' e yi gxoba nge-tshe; e-nz' ukuba i bulal' izinkunz' ezintatu zi ka Tshaka.

Ute, e sa yi gxoba, wa ye se suk' uTshaka, e dumel' umkonto, e ya u'gwaz' indhlezan' ehambayo yakwabo. Eu! La buy' icala; la-y' ekaya ku Mbengi. La-ti: "U bulel' inkomo yakwetu!"

Wa-t' uMbengi: "I bulewe ubani na?" Ba-ti: "I bulewe uTshaka." "U be yi bulala, kw-enze njani na?" "Be ku-lw' izinkunzi." "Po! Inkomo waze wa yi bulala ngani na?" "U yi bulale ngoba, ib' i ya-lwe ne yake, i y' ahlule, angaz' a yi gxoba nge-tshe; lo-ke, uti lapa eyake i xotsh' e ka Tshaka, abes'e yi gxoba nge-tsht' e ka Tshaka—njälo." U-t' uMbengi: "Yena, kaz' a nga yi gxoba na?" "Qa." Abes'e-ti: "Kant' uygwaze kahle." E 2 l'enza-ke ukub' uTshak' a muke-k' eLangeni, a-ye kwa Qwabe; la ku zalwa kon' intomb' e ya gana ku Mbengi. E ya kwa Qwabe, ya zalwa é ya kwa Mtetwa.<sup>3</sup>

Kwa Qwabe-ke, w'öna nge bumba, nge zinkunzi ze bumba, ukub' a hlale kona; zi bunjwa uTshaka. U bumb' eyake, a bumb' e ye nkosana ka Kondhlo, uPakatwayo. Uyen' uTshaka o kw-az' uku-bumba. Se be zi qata. Sekuti, le e ka Tshaka, i si gwaz' e ka Pakatwayo,

<sup>1</sup> Umuzi lo, o wo bulongwe; ku ya dhilawha pela.

<sup>2</sup> Izvi.

<sup>3</sup> B. c. 3, f. 34.

inxeba ; ngoba y-omile, i si lupondo so lu shuqile (l'omile). I si yi hlab' inxeba-ke. Bese kuti, le e ka Pakatwayo, i si hlab' e ka Tshaka. Bese kw-apuk' upondo,—lu se manzi. Abes'e-t' uPakatwayo : "Hau ! Inkunzi yami y-apuka kangak' upondo na ? " Abes'e-t' uTshaka, ingani uwena, o-te a zi-lwe zi se manzi na ? " Abuy' a m bumblele-ke, a-ti : "A zi yekwe z'ome." Se be zi yeka-ke.

Se zi yo ku-lwa kusasa. Kuti kusasa, zi-lwa, lwa pukele pezulu o lwe ka Tshaka. Bese kuti, le e ka Qwabe-ke, z' apuke zombil' izimpondo. Abes'e tukutela, lo o kwa Qwabe. Abes'e tshel' amadod' akubo, ukuti : "Inkunzi yami, be ngiyate ngi ya yi-lwisa ne ka Tshaka, eyami y'apuk' izimpondo zombili ; e ka Tshaka y-apuke lu be lunye."

Amadod' e se-ti-ke : "Hau ! Kw-enziwa ini na ? iNtungwana na ? Intwana yo ku-tukuswa na ? Uba li nga hlup' umntswana we nkosi na ? " A ku-zwe-k' uTshaka loko. Abes'e ku tshel' uMbikwana. A-ti : "Babamkulu, ka ik' indawo lapa. Kuhl' u ngi hambise, u ngi-se kwa Mtetwa. Ngi sa pindwa o ku ngi xotsh' eLangeni." "Yebo, na ? " "Ehe ! Ku-tiwa ngi iNtungwana ; intwana yo ku-tukuswa ; o ku vub' amasi, injia ku yi tshaye nge kanda." <sup>1</sup>

Bala-ke, wa ye se m hambisa, e se mu-sa kwa Mtetwa, ku Dingiswayo.

<sup>1</sup> Iyo le-nto e y'en'z' ukub' uTshaka a m bulale uPakatwayo, e se iNkosi kwa Zulu.

## 11

## UTSHAKA,—E KWA MTETWA

## III

uTshaka, wāt' e-ya kwa Mtetwa, wa ye hamba no nina, uNandi, no dadewabo, uNomcoba. Usefik' e ba umntanak' uDingiswayo. uDingiswayo u se ba nik' uMqomboli.<sup>1</sup> uTshaka u se hlala no mnta ka Dingiswayo, o inkosana, ku Mqomboli.

Se ku-tiwa a ba babelwe isiqengqe sa masi, ukamba lwabo lo muti ; a ba-dhlela kulo bobabili. Ba nikw' amawasakazi, izinkomo ezimbili. Base be tungelwa izimbeng' ezimbili zo mcaba. Se be nikw' amantombazan' amabili, o ku-ba-gayela. Ku tululw' e li ka Tshak igula, ba li-dhle ba li qede ; bese ku tululw' e le nkosana ka Dingiswayo ; ba-dhle bobabili, ba tshiye, ku kot' amantombazana.

Se be zo hamba ba-y' emzini we nkosi, oYengweni, ba yo giya—njalo. Ku kona lap' oYengweni lap' uTshak' a fund' impi. Kuti, lapa se be pum' impi, ku-tiwa a ba cibane ne zita lezo, a ba-lwa nazo. Ba-lwe-ke ; bese zi balek' izita. Bese ku-tiwa ma ba yeke, ba buye, ngoba se be balekile labaya. Kusasa futi, ibuy' i buyelane, i yo ku-lwa. Bese ku-fa e be be nga-file izolo. uTshaka abes'e-ti : "Wo ! I-mbi le-mpi ; uba si xotsh' abantu qede, bese ku-tiwa a si ba yeke ; babuye ba si bulale ; ingani nga si ba xotsha njalo, si ba qede."

Wa ye se-ti-ke : "Wo ! Kuhle si nga ba yeki" (e se tshela lo ka Dingiswayo). U se m vumel' o ka

<sup>1</sup> O ku dume kakul' emhlabeni ukuti wa m nik' uNgomane ka Mqomboli.

Dingiswayo. Uset' ub' a m vumele, se be yi gwaza, be yi qinisa, be nga sa yi yeki. Ba y'ahlule leyo-mpi. Base b'en' ukub' uDingiswayo a be inkosi : a-hln' izizwe. Abes'e-ti, uDingiswayo : "Hau ! Impi manje, kanabe ni sa yi xotsha qede, ni yi yeke na ? Kwaze kwa pel' abantu na ? Loku kad' i-lwa kahle impi ka Ngqayi<sup>1</sup> na ? Yo kucibana na ? "

Base be-ti bona : "O ! Qa. a si sa yi tandi leyo ; eside si yi xotsha, ibuy' i buye, i zo si bulala. Si tand' e si ba xotsha njalo, size si ba qede ; ingab' i sa bako ngomuso impi ya labo bantu ; sibuye si qal' enye, i be iyona leyo." O kw-ēnz' ukub' uDingiswayo a be inkosi, e sabeke, ngob' abantu bake se be na mandhila pezu kwe zizwe zonk' a-lwa nazo, ngob' u ya z'ahlula ; ngoba no Zulu lo, wa ye nge luto kū Dingiswayo ; wa ye m esaba. Kwaze kwa buy' uTshaka kuye, anduba tina ba kwa Zulu si jiye, si be ngabantu.

Ngo kufika kwak' uTshaka kit, wa-ti a si pat' umkont' u be munye ; si yek' uku-ba amagwala. Wa ye s'enza wonk' umhlabati wakiti u be ngamaqawe ; bangabe be sa ba njenga kuqala ; oyisemkulu be tshaywa abant' ekanda, be-ti : "Si ya kw-ahlula !" Kwa pela-ke loko, ukuba ku fik' uTshaka. Kwa pel' ukungqongqozwa.

Esed' e ba hlaselisa nje-ke, a z'ahlul' izizwe ; kwase ku ba 'kwa Zulu,' se ku guny'<sup>2</sup> uTshaka ; so ku jiy' umhlabati. Zonk' izizwe za konza kuy' uTshaka, ngob' e se hamb' e bulal' amakosan' abo ; e-dhl' izinkomo. Abes'e pang' abantu.

Kwa Mtetwa-ke, se ku fik' uSenzangakona ; u letwa ukub' a yo cinga yen' uTshaka, ukuti u kona na ? uSenzangakona yena u vez' izwi lokuti u yo qomisa, kanti

<sup>1</sup> Yo ku-ngqayisana ; yo ku-ncintisana.

<sup>2</sup> E se gungubele.



UMBUYAZI. (*Henry Francis Fynn.*)

"uMbuyazi we Tuku !  
uJoj' o vel' emaMpondweni."

Wa y'azana kakulu no Tshaka. Ku kul' impela o kwa ku bonwa uye kw-enziwa kwa Zulu ngo 1824 kuze ku be 1834. Izinewadi zake, e za salayo, ziningi ; zi lapa kit, si hlos' uku-z'enz' ibuku.

w-enz' icebo lo ku ya u'-cing' uTshaka. Ba hamba-ke na bantu bake, no mdhlunkulu wake. Uyay' a fike-ke kon' oYengweni.

U funyana uTshaka, be sesibayeni, be giya; be qob' umtshwili. uSenzangakona ka m boni yena ukuti, 'nang' uTshaka'; uti ngabantu nje. oTshaka-ke ba ya m bul' uSenzangakon' e ngen' esangweni. So kw-endhlelwe izitebe, amacans' e 'buma, na we nduli; ay' a fik' elawini la uSenzangakona e ya u'ngena kona. Wa ye se ngena-ke. So ku butan' umdhlunkulu-ke wa kwa Mtetwa, o lala kuye, wo kuqomisa.

Se be puma-k' oTshak' esibayeni. Se be ya u'bon' abantu nje; na bantu futi be nga m azi. Wa ye se m bon' uMudhli; se be kuluma no Mbikwana. Eset' uDingiswayo, u se biz' uTshaka no mntanake, e-ti: "Wozani lapa." Se be-ya-ke. E se-ti-ke: "Ni vuk' ekuseni, ni-y' eMrodi, ecibimi, ni yo geza." U se ba nik' umuti. U se-ti: "Nanku-ke umuti; ni ya u'geza ni geze ni geine ngawo. Ni geze endhleleni le uSenzangakona a ya u'hamba kuyo e ya u'geza. Ni geze qede, nibuye ni yo ku-dhla. Bese ni-za-ke lapa kimi, yen' e se hambil' e ya u'geza." Bala-ke, ukuba ba geze, ba kw-enze konk' o ku-tshiwo uye, base be buya be-za kuy' uDingiswayo.

Wa ye se tuma-k' abantu bakwake, e se ya u'kipa labaya ababili a ba lind' ilawu, leli e li lel' uSenzangakona. Base be-ti bona: "Si lind' ilawu." Base be-ti laba: "Hau! Li lindwa ini na? Niti ni bizwa inkosi, bese ni-ti ni lind' ilawu na? Li lindwa ini na? Sabelani. Si kona tina e si za ku-li-linda." Base be hamba-ke, se be-ya kona lapa be bizele kona, ngapaya kwo muzi.

Se ku hamba yena-k' uDingiswayo no Tshaka, be ya u'ngena kon' elawini. E se tat' isitebe e be si hlez'

uSenzangakona. U se m elapa nge miti; e m gezisa kuso. E se geob' imiti, e hlikihlela kuso amafut' ezinyamazana zonk' ezilukuni; kona e za u'ti, la e fika, e se m bona, a-puk' intamo, bese ku-m' uTshaka; uSenzangakona abes'e goba, a-puk' intamo, angab' e sa m 'beka; a m esabe, a m tshayis' uvalo.

U se m elapa, e m qeda-ke; u se rol' imkont' embili emkontweni ka Senzangakona, e tandwe nge nhlali<sup>1</sup> ye ndhlovu. W-elap' uTshaka ngayo. U se yi buyisel' imkonto leyo kwe minye. U se puma naye-ke. U se ya u'buyisa labaya, akad' e ba kipile; ba buye qede, so ku tunyelw' ukuti: "Hamb' u ya u'biz' uSenzangakon' emfuleni; ukudhla so ku lungile."

U se buya-ke uSenzangakona. So ku ngenisw' ukudhla-ke. So ku-dhliwa-ke. So ku qedwa-ke. U se-ya-k' uDingiswayo ku Senzangakona, se be-dhlide. U se-ti: "Wo! Nkosi. Ngi ya cela. Ngi celel' abantwana, ba-ti ake ngi zo bingel' inkosi." U ya yuma-k' uSenzangakona.

A ya puma-k' amadoda; ku sal' induna yake no Mudhli. U se ba biza-k' abantwana bake. Nay' uDingiswayo u kon' endhlini. Se be ngena-k' abantwana bake, e ba bonga nge zibongo. Bonk' abangenayo, u ya ba bonga. Usez' a bone-ke ukuti: "Hau! Isitunzi so mntanami si ya u'hlala pezu kwami."<sup>2</sup>

U se biz' eyake-ke insizwa uDingiswayo—yokuqala. I si ngena-ke. Isifike y-enz' ukub' itunzi layo li be seceleni ku ka Senzangakona. U se ngena-k' uTshaka. U se m bonga nge zibongo zake, e-ti:

"uNodumehlezi ka Menzi;  
uLembe l'eq' amany' amalembé!"

<sup>1</sup> Ye tshoba.

<sup>2</sup> uSenzangakona u bon' ukuti isitunzi si ka Tshaka si ya u'hlala pezu kwake.

Ngo kungena kwake, itunzi se li hlala pezu kwak' uyise, uSenzangakona. U se tshaywa uvalo uSenzangakona. U s'apuk' intamo kona lapo. I sit' intamo gexe! U se dons' amehlo. Uset' ukub' a m bone ukuti w-apukile, u se-ti : "Hau! Inkosi i nga yi bona inkomo e ngeyakubo na?" U-ti-k' uSenzangakona : "Hau! Ngi nga yi bona." U-ti-ke : "U bonani na?" U-ti-ke : "Ngi bona nans' inkomo." U-ti : "U yi bon' ukuti e-yapi na?" U-ti-ke : "Eyakiti." U-ti : "Eyakini na?" U ya vuma, u-ti : "Eyami."

Ba ya m bingelela-ke uSenzangakona abantwana-ke. U ya vuma-ke. U se-ti' uTshaka : "Baba! Ngi-p' umkonto." Se be yi tata-k' imkonto. U se-ti : "Bek' o wu tandayo." U se wu rotsha-ke uTshaka. U se-ti' uSenzangakona : "O ka Nomkwayimba lowo!" U se rotsh' omunye-ke. U se-ti-ke : "Yebo-ke lowo. U tate." Se zi puma-k' izinsizwa. Se zi ya u'giy' esibayeni. Naw' umkonto o wu-piweyo uyise, u se giya ngawo.

U se sal' uDingiswayo. U se-ti : "A si dhlale ne nkosi." Se be vuma. Sekut' ukub' a vume, u se pum' uDingisway' elawini. U se-ti-k' uMudhli : "Weu! Njengoba nans' inkos' i si dunguzela, inga i sa dhlala kanjani? Hambani ni tshel' inkosi ukuti njengoba e buhlungu, u se nga dhlala nami." Se be hamba-ke be-ya ku-m-tshel' uDingiswayo. Usefik' e vuma, e-ti : "Kuhle-ke, ngob' e-tsho njal' uMudhli."

Se be puma-ke be ya u'dhlal' ezansi kwo muzi. Se be dhlala-ke bobabili. Se ku semkunjini ka Zulu no Dingiswayo. Se be dhlala bobabili pakati kwavo; se be vunulile, uMudhli u fake isiqova sake sa matshob' ezimpungutshe; inkosi (uDingiswayo) u se fak' usiba lwe-ndwa. Bese lu-wa, lu gxumekeka pansi; lu ya tshikiza. Se zit' izinduma zake zi ya lu tata. Wa

ye kuza; za lu yeka. Wa u su w-onakala njal' umdhlahlo; u su citeka.

Sekuti uba ba hlakazeke-ke, se be-ti, a ba be yo buka : "Wahlulw' uDingiswayo; wahlulwe uMudhli!" E-seti-k' uMudhli, se be-y' ekaya; u se yo valelis' enkosini, e valelisel' uSenzangakona. U se-t' uDingiswayo : "Ngi ya bonga, lok' inkosi ngike nga yi bona." Se be hamba-ke. U se-t' uDingiswayo ku Mudhli : "A ku wenze kahl' ukuhamba."

U se puma-k' uSenzangakona kanye ne bandhla lake, a hamba nalo. U se-ti-ke ku Mudhli : "Se ku lungile pela. Nans' indodana yako; se ngi ya yi buyisa." U se-ti-k' uMudhli : "Yebo, nkosi, kuhle loko. Inkosi a ik' i yeke namuhla." U se-ti-ke yen' uDingiswayo : "Ngi za u'yekeleli na?" U-ti : "Wo! Ngi sab' uZulu." "uZulu u za u'kw-enzani na?" Ku buz' uDingiswayo. U-ti-ke : "Hau! Nkosi, uZulu u za u-ngi-bulala." "A ku bulaleleni na?" Abes'e-ti : "U za u-t' uZulu : "Hau! U za u'pata mpukumbili? U pat' uSenzangakona, u pat' uTshaka na?" U se ya tula-k' uDingiswayo. U se hamba-k' uMudhli.

Ut' ub' a hambe-ke, u se biz' uTshaka uDingiswayo. U se biz' uMqomboli;<sup>1</sup> u se biz' uMbikwana; na madod' akwake-ke, amakulu. "Ni ya li-zwa lel' igamu la le ndoda na?" Ba-ti : "Si ya li-zwa-ke, Mtetwa." U-ti-ke : "Hau! Y-enza ngani, ubani iyo e ya m bumbayo, az' a fike lapa nje kimi; ku nguy' o wa m enzayo na, ub' az' a be kona. Namuhla u s'enqab' uku-m-buyisa na? Ku bonakal' ukuti u se bek' uNomkwayimba.<sup>2</sup> M<sup>3</sup> hambiseni-ke, madoda. Ngi-ti ma hambe kona namhlanje; ni m landisele yen' uyise."

<sup>1</sup> uNgomane ka Mqomboli; ngoba sit' uMqomboli wa ye se-file nga leyo nkati.

<sup>2</sup> Inkosana ka Senzangakona kwa ku uSigujana.

<sup>3</sup> uTshaka.

Wo, bala-ke! Se ku vum' amadoda la, ukuti 'Yebo! Ma hambe'. U se-ti-ke ku Tshaka : " Njengokuba u ya yi bona le ndoda, ófik' u yi bulale. Ka u ku-ba nkosi u nga yi yeka. U yi bonile nawe, ngiti ngi dhlala nayo, ku-w' usiba lwami. Umangxa u nga yi bulali, ka u ku-ba nkosi." U ya ba landela-ke. Ba be ya lale ku lowo muzi, ku-s' e fika kusasa yena. A dhlule njalo, be hamba kanjalo ; baze ba fik' emakaya.

Ngo kufika kwabo, u se-ya kona kwa Nodunga, kubo ka Mudhli no Senzangakona.<sup>1</sup> Usefik' e bulal' uMudhli kona. U se dhlula-ke, e ya ku-bulal' uNomkwayimba.<sup>2</sup> U se dhlula futi e ya u'bulal' uNomapikela ka Jama, wo kuzalwa. U se fika kon' ekaya-ke. U se tumela ku Senzangakona ukut' u se bulel' uMudhli, no Nomkwayimba, no Nomapikela. U se buza-k' uSenzangakon' ukuti ba bulewe uba na ? Se be-ti : " Ba bulewe 'uTshaka ka si tshayeki ; ilemb' e l'eq' amany' amalembe ngo kukalipa." U se tshaywa uval' uSenzangakona. Se be fika kon' e sa bikelwa ; ku fika yen' uTshaka nge rubo la kwa Mtetwa, be-ti :

" Zi no mland' omkulu lezo nkomo ! "

Ukuquleka kwake-ke uSenzangakon' endhlini, be sa m<sup>3</sup> bonga pandhle amadod' a kwa Mtetwa, a fika nawo, — oMqomboli.<sup>4</sup> U se-fa-k' uSenzangakona. U se lahlwa. Se ku ngen' uTshaka-ke. Se ku ba uyena Nkosi ya kwa Zulu.

<sup>1</sup> Lona, wa kwa Nodunga, isizinda.

<sup>2</sup> uSigujan' o wa bulawayo.

<sup>3</sup> uTshaka.

<sup>4</sup> Nga be ku-tiwe : oNgomane ka Mqomboli.

## 12

## IZIBONGO ZI KA TSHAKA—III

uMxotshi wo muntu,  
A m xotshole futi ;  
Ngi m tand' <sup>1</sup> e xotsh' uZwide, o zalwa uLanga,  
E m tabata lapa li puma kona,  
E m singisa lapa li tshona kona ;  
uZwide wa m peq' amahlonjan' omabili,—  
'Kuma kwe dala <sup>2</sup> ukw-etuk' omutsha,  
uSilwana-helele, emzini ya bantu ! <sup>3</sup>  
uSilwan' u be nduna kwa Dibandhlela,  
uBincakade,<sup>5</sup> waze wa funyaniswa ;  
O vunulele ezimfundeni za manzi,<sup>6</sup>  
Into <sup>7</sup> zako zo muka na manzi.

Mgengi,<sup>8</sup> pez' izita, ku sehlobo,

<sup>1</sup> Loku kuti : Ngi bong' uku-xotsha kwak' uZwide.

<sup>2</sup> Umunt' omdala ; ixegu.

<sup>3</sup> Ku fana nokuti : Helele ! Kw-onakala !

<sup>4</sup> Uyise ka Magaye uDibandhlela, wa kwa Cele. uTshaka wa ye m tanda kakul' uMagaye, e-ti " umnawe wake." Abanye ba-t' uDibandhlela, ikanda lakub' uTshaka, li ka Senzangakona. Noma ku njalo-ke, umunt' ufik' a kohlw' ukuti uTshaka lo wa ye funani nga ku yise ; loku, e se ngumifana, wa ye hlala ko nin' eLangeni, na kwa Qwabe ; kwat' e se insizwana, wa ye se yo konza ku Dingiswayo. We-za kwa Zulu ngob' e se letwa uNgomane, induna ka Dingiswayo ; e se zo ngen' obukosini, uyi's e se file.

<sup>5</sup> Izimpi zakuqala za zi vunulewa. uTshaka-ke wa ye puma njal' e yo ku-lwa ; eyake i hamb' i vunule. Ukuti " Bincakade," iloko-ke.

<sup>6</sup> Wake wa vunulela pezu kwo mfula (osebeni) ; wa u su gewal' umfula, li-nile ; izinto ze-mpi yake zase zi muka na manzi-ke.


<sup>7</sup> = Izinto.

<sup>8</sup> Uku-genga, úku-yenga. Iziwe wa ye zi yenga, abes'e zi bulala. Kuqala, abantu, ma be fung' uTshaka, ba be-ti : " Mgengi ka Ndaba ! " Isibongo si ka Tshak' esinye, si-ti :

" Itole le nsizwa,

Kade li wa genul' amany' amatole."

Uku-genula, úku-tshaya pansi ngamandhila.



TSHINGANA KA MPANDE.

"uNonkwenkwezi we zul' elipezulu.  
U bac' emzileni zi buy' uNkwe."

Wa ye luDhloko. Esikul' isazi se zindaba zo hlanga lwa kwa Zulu!  
Enkul' imbongi ya makosi! Zi ning' izibongo e zi ku *Tulasizwe*, no  
*Hlangakula*, na ku Iona lel' ibuku, e sa zi tata kuye (ngo May-July,  
1907).

Utshani bude, bu zo ku gibanisa.<sup>1</sup>  
uXebe<sup>2</sup> e ngi m bon' ukwehla.  
Kwe zi ka Mangeengeza,<sup>3</sup>  
Kwati, kwe zi ka Pungatshe, wa nyamalala.<sup>4</sup>  
O kangel'<sup>5</sup> ezansi na Madungela,<sup>6</sup>  
Izinkomo za buya zi ka Sirayo;<sup>7</sup>  
Kwaye kwa landela ne zi ka Mafongosi,<sup>8</sup>  
E za zi sengwa indiki ya kwa Mavela.<sup>9</sup>  
O hamb' e bas' e tshiy' amazoba;  
O pehlwe we-va, wa njengo mlilo.  
Kwa ku nga sa kali nkomo kwa Ntombazane,<sup>10</sup>  
Inkomo ya i si kala kiti kwa Bulawayo.  
uMaswezisela wakiti, kwa Bulawayo,  
O swezisel' uZwide nga magqanqula.<sup>11</sup>  
uSitshaya-ndhlondhlo,<sup>12</sup> ka Mjokwane!  
Ubusika ne hlobo b'ahlukene,  
No ba kwa Ntombazi, no ba kwa Langa.<sup>13</sup>

<sup>1</sup> Bu zo ku bop' izinyawo, njengo gibe.

<sup>2</sup> Abanye ba-ti: uHele e ngi m bon' . . .

<sup>3</sup> Wa seMambateni.

<sup>4</sup> Wa kwa Butelezi; wa ye konzile kwa Zulu.

<sup>5</sup> Uku-cinga; uku-hamb' e 'beka.

<sup>6</sup> Ukalo, o lu suk' evinkilini li ka Mfanefile, (nga ku 'Komo), lw. euke luye lu fik' esikebeni, kwa Ndondondwana (izibuk' oTukela, pansi ku ka Ntunjamibili).

<sup>7</sup> Ka Mapoloba, wa kwa Nynswa.

<sup>8</sup> Ka 'Bovungana, wa kwa Ngongoma, kwa Ngcobo.

<sup>9</sup> Inkosi ya kwa Ngcobo. A ba kwa Ngcobo, umkuba wabo, ba be nqum' umunwe (ucikicane), njeng' amaBomvu.

<sup>10</sup> Ku-tshiwi' uNtombazi, umina ka Zwide. Ku y'eyiswa ngokuti 'uNtombazane.' Ku njenge sibongo si ka Mpande, e si-ti: "Kwaze kwaya kwa-tsh' indhlu ka Mswazikazana" (ku-tshiwo uMswazi ka Sobuza, wa kwa Ngwane).

<sup>11</sup> Uku-gqanqula, uku-qgalakatsha; uku-hamba ngamandhl' o kuqatsha; uku-gijima ngamandhla.

<sup>12</sup> U tshay' inkos' enye, e nguZwide; u indhlondhlo-ke ngo kw-enze njalo.

<sup>13</sup> Lapa, ku kulunywa nge-mpi ka Tshaka no Zwide. Kuqala, uZwide wa ye hlezi kahle, e busa, e tshay' uselwa, e ne sigodhlo; konke

Inkonyan' e kwele pezu kwe-ndhlu kwa Ntombazi,  
 Ba-t' i ya hlola.<sup>1</sup>  
 Kanti ibona be z' az' ukuhlola.  
 Indhlov' ete i muka,  
 Ba be yi landela a ba kwa Langa ;<sup>2</sup>  
 I buyise nhloko, ya-dhl' amadoda.<sup>3</sup>  
 uGasane,—kade lu ba gasela ;<sup>4</sup>  
 Lu gasel' uPungatshie, wa kwa Butelezi ;  
 Lwa gasel' uSondaba<sup>5</sup> wo Mtanda, e hlez' ebandhla ;  
 Lwa gasel' uMacingwan' eNgonyameni ;  
 Lwa gasel' uNxaba ka Mbekane ;<sup>6</sup>  
 Lwa gasel' uGambush' emaMpundweni ;  
 Lwa gasel' uFaku, emaMpundweni.  
 uDhlondhlane, lu-ya lu hlez,  
 Lu-ya lu dhlondhlobele.<sup>7</sup>

loko-ke ku fana ne *hlobo*, ngob' u ne nhlanhla, u notile. Kute, ukub' uTshak' a m ahule, wa ye se ngenelwa *ubusika*,—u se balek' e li tshiy izwe lakubo ; e hamb' e dinga, e lamba, e godola.

<sup>1</sup> Inkonyana, úTshaka. Wā kwela pezu kwe-ndhlu ka Ntombazi ngob' e nqobe umntanak' uZwide, (kwa Nomveve, na seMhlatu' ezibukweni) ; kanti kwā qala kwa hlasela yen' uZwide. Ukuti 'i ya hlola,' kumbe ku kanye nokuti 'i bang' umhlola.' Umhlola, ku-tshiw' ukulwa no Ndwandwe.

<sup>2</sup> Kwā landel' uSomapunga, indodana ka Zwide, e se zo konza kwa Zulu.

<sup>3</sup> Indhilovu ya buyis' inhloko ngoba kwa hlasel' uSikunyana, inkosana ka Zwide, uvis' e se-file. Ba ningi-ke a bakwa Ndwandwe a ba-fa mhla kwa loko.

<sup>4</sup> Umunt' o gasel' omunye, ósuk' e pike ngo ku-m-yela, ngo ku-m-hlasela ; u pike ngo ku-m-funa, e tand' uku-zuzana naye, a-fwe naye.

<sup>5</sup> úPakatwayo ka Kondhlo, inkosi ya kwa Qwabe ; eMtanden, umuzi wak' omikulu, o wa w-ake pakati kwo Mlalazi no Mhlatuze, eduze na kwa Bulawayo.

<sup>6</sup> uNxaba wā hamba na bantu bake, e se xotshwa uTshaka ; wa jubalaza. Uze wa gcina ngo kw-ak' ezwen' e li ngasentshonalanga kwe cib' elikulu, (enhla kakulu ne-zwe, enyakato), oku-tiwa 'Nyasa' (*Lake Nyasa*).

<sup>7</sup> Ukuti 'dhlondhlane,' sengati ku suk' endhlondhlweni (myoka). uTshaka u indhlondhlo, ngob' e inkos' e hamb' i hlasela ; e 'bek' impi

Lu bek' isihlang' emadolweni.  
 Ot' e sa-dhl' ezinye, wa-dhl' ezinye ;  
 Wat' e sa-dhl' ezinye, wa-dhl' ezinye.<sup>1</sup>  
 Ot' e sa-dhl' ezinye, wa-dhl' ezinye ;  
 Wat' e sa-dhl' ezinye, wa-dhl' ezinye.  
 Ot' e sa-dhl' ezinye, wa-dhl' ezinye ;  
 Wat' e sa-dhl' ezinye, wa-dhl' ezinye.  
 Ot' e sa-dhl' ezinye, wa-dhl' ezinye ;  
 Wat' e sa-dhl' ezinye, wa-dhl' ezinye.

## 13

AMAQAW' AMAKUL' A KWA ZULU : UZULU  
KA NOGANDAYA

(I xoxwa inkosana yake uMkeh lengana, be no Mkotana, indodana ; kanye na banye)

## I

UZULU wā zalwa uNogandaya,<sup>2</sup> inkosi ya kwa Newana ; unima e ngo ka Ndhlabe.<sup>3</sup> A ba kwa Newana, á ba kwa Qwabe ; futi ba nga maNtungwa, njeng' a ba kwa Zulu.

njalo. Ukuti, u 'dhlondhlobele,' ku-tshivo ngob' e se vus' umhlwenga, e se tukutele kabi, njenge silo.

<sup>1</sup> uTshaka wa ye lutshangane, e hamb' indawo yonke, e hlasel' izizwe zonke ; u hamb' e ba-dhl' izinkomo-ke. Ku njenge gam' elikulu, e la li hlatsholelw' amabut' ake :

"Wā qedaqed' izizwe !	Wā qedaqed' izizwe !
U ya ku-hlaselapi na ?	U ya ku-hlaselapi na ?
He ! U ya ku-hlaselapi na ?	He ! He ! He !
W'ahlul' amakosi !	U ya ku-hlaselapi na ?
U ya ku-hlaselapi na ?	

Uhlamvu, lokuti : "Ot' e sa-dhl' ezinye, wa-dhl' ezinye," lu kona na kwe zi ka Dingisway' izibongo. 'Beka ku k. 43.

<sup>2</sup> Ka Lujabu, ka Manxeba, ka Msumsulu, ka Ndhlovu, ka Dubula, ka Newana. <sup>3</sup> Ka Soncayiye, ka Baza, wa semaNgadini.

Ngapetsheya kwe Sangqu, ku kon' isizwe sa beSutu, oku-tiwa e sa kwa Molosi. Labo-ke, á ba kwa Newana; ngob' uNewana lo, (wa kwa Zulu), wā dabuka kubo. Loko-ke ku njeng' okuti ba dabuka ku beSutu. W-éhla ne silulu; e-hlel' oNdini. Na namuhla, isibongo si ka Newana, si y'aziwa ku beSutu. Isizwe sa kwa Newana esimye, si se kona kona lapo.

Abadala baye ba-ti futi, a ba kwa Newana b'ehla kwa Luzipo<sup>1</sup> be nga ke-zí kwa Zulu. Ku kon' isiga, e sitshiwo amarin' a kwa Newana (kwa Qwabe), nxa be tetis' izingane, sokuti:

"iNtungwana leli, e l'ehla kwa Luzipo!"

Wa ye se zo kw-ak' eZindumeni-k<sup>2</sup> uNewana. E be sebuy' e qubekela, e yo kw-ak' eMhlatuze; e landel' uQwabe, o wa ye se kād' a-ya lapo. Inkosi ya kwa Newana e yē-za kuqal' uku-zo-kwaka kwa Zulu, uNdhlovu. A ba kwa Newana ba isizinda si ka Qwabe no Zulu.<sup>3</sup>

Ku kon' isiga e s'aziwayo na namuhla loku, e siti: "U su z'enz' inkos' enkulu, e ngango Dubula ka Ncwana, ezihlabatini zo lwandhle." uDubula lo ka s'aziwa-ke kodwa ukuti wāke wā nga "sezihlabatini zo lwandhle." Ku fakaz' ukut' a ba kwa Newana bā b'ake nga solwandhle; ku ng'aziwa ukuba ku-tshiwo lupi? uNogandaya yena wa y'ak' emaBululweni, eMhlatuze, ezansi nawo,

<sup>1</sup> Ingabe ku-tshiwi' intaba ini?

<sup>2</sup> Intaba ya nga seDundee.

<sup>3</sup> Le! izwi li puma ku Zulu ka Nogandaya. Li izwi elikulu. uQwabe no Zulu, ku-tiwa a ba ka Nozidiya, unina wabo; uyise wabo à Malandela. Isibongo si ka Malandela-ke ka s'aziwa. Umunt' o si funayo angak' a cinge ku bona laba ba kwa Newana, kakulu ngob' isiga, e sa vela kubo, sokuti: U zi tshay' inkos' enkulu e ngango Dubula ka Ncwana, è se-zwe lonke; ngoba naku futi, a ba kwa Newana bā qembuka ku beSutu, nga soNdini. uDubula wa ye inkos' enkulu, kant' ukubusa kwake ó kwezikati za pambili kakulu, za oyise ka Mageba, bona be nga ka bi makosi; base ngabantu nje.

nganeno; enhla kwo Ngoye; uMpungose à-ke nga senhlana kwake.

Amatun' a ka Manxeba, no Lujabu, a kona ku leyo ndawo.

Ku-tiwa uNewana wā bnsa ngapambili ku ka Qwabe no Zulu; be nga k'aziwa bona. uQwabe no Zulu se be zo m dhlula ngo kwanda-ke ngoba b'ehle baze ba fik' ezweni la kwa Zulu;<sup>1</sup> baze ba ba amakos' e-zwe njeng' o kwa manje.

Inkosana ka Nogandaya kwa ku uVoti, kodwa namhlanje so ku dum' e li ka Zulu igama, ngoba wa e liqawe elikulu le Nkosi, e hlabanela ezimpin' eziningi. U se m dhlula-k' uZulu ngo ku-ba ne mpahl' eningi, a yi tole ngo buqawe bake. uZulu futi wa ye nge nkasan' endhlimi yakwabo. Ba be bane ku leyo-ndhlu: be landelana—ku uXabatshana, no Magutshwa, no Komfiya, no Mabhengo (intombazana). Ukuti 'Zulu' loku, a ku gamu lake. Igamu lake ngempela, li ka yise, uKomfiya; li kona-k' elinye, uSidhleni.

E se ngumfan' uKomfiya, ka ku-zwakali ndaba yaluto e pata yena. Nga leyo nkati, uNogandaya wa ye s'ak' emaBululweni, eMhlatuze. Indab' iz' i vele e se insizwa; e se konzile kwomkulu, kwa Qwabe.

Ngoba kwati, nge liny' ilanga, amadod' e hlez' emkandilwini ne nkosi, uNomo ka Kondhlo, be hlez' esibayeni, kanti nasiya isigodhl' entaben, si yo kw-ebul' ubendhle. So ku zo suk' uKomfiya-ke, e hamba ne zinsizw' ezinye, uNombexe, no Nomfihleya, no Bixa. Se be kwela yona leyo ntaba e hlez' izintombi pezulti. Ba hamba nje, be ng'azi luto, be nga nake luto.

Ibandhla lona-ke li y'azi ukut' isigodhlo si-ye nga-lapo. Li ya ba bona; kodw' oKomfiya bona ka b'az'

<sup>1</sup> eMhlatuze, na seMahlabatini (eMfoloz' emhlope).

ukuti amakosazana a kona ku leyo ndawo. Ibandhila se li ya bon' ukuti *úKomfiya* lowaya; u hamba no bani, no bani. uNomo wa- ye se-ti: "Obani labaya?" Abanye-ke se be fanisela ngokuti: "uKomfiya, u na banye." Zase zi buya-k' izinsizwa; zi ng'enze luto lapo, no lu nei. U se hletshelwa 'omunye-ke, o wa ye semkandhlwini, ukuti ba boniwe be-y' esigodhlweni.

uNomo lo, umunt' o no laka; abant' u ba bulala ngeze. U s' etuka-k' uKomfiya; u se hlatshwa uvalo; ngob' e bon' ukuti u zo bulawa. U se tshela lab' a be nabo. U ba tshela qede, se b'eqa bonke be qonda ku Tshaka, kwa Zulu, be yo konza. Ba-ya kwa Bulawayo. Kute, so ku seduz' emzini we Nkosi, base be-ti; "Ake si-me lapa!" Base be-ti lab' abatatu: "uKomfiya yena ak'e-m' endhleleni." We-ma. Bona-ke se be-ya nga seceleni; se be nyenyezana. uKomfiya, ü-mi nje, induku yake u yi-misile, w-encike ngayo. U ya ba buka, e ng' azi ukuti ba funani kuyena. Base be buyel' endhleleni.

Omunye-k' u se-ti: "Si kuluma ngawe; u nga mangali. Kade si-ti: 'Ku yo kuleka bani ku Tshaka na?'" Ba izinsizwa bonke, akuko ndoda. Se be tshaywa uvalo-ke ngaloko. Base be-ti: "A ku kuleke wena, Komfiya." Ba-ti, oyise babo, áabantu nje; ka b'az' uTshaka. Uyise ka Komfiya-ke uNogandaya, u y' aziwa yena. U se yum' uKomfiya. Base be-ya-ke.

Ba ya fika ku Tshaka, se ku kuleka yen' uKomfiya. U ya dhlul' u se yi bong' iNkosi. Ba yi funyanis' i hlez ne bandhl' elikulu, la makehl' odwa. U hlez' endulini e y'énziwayo. U hlez pezu kwo kuko lwe 'buma; e pakamile, (ku nganga sedolweni nje, ukupakama kwake). uKomfiya u kuleke qede, wa-ti: "U izulu!"

So ku tunyw' ineku uku-yo-bon' ukuba ngabapi

(ngoba ba kuleka nje, be-mi kude). U se-t' uKomfiya: "Si ngaba kwa Qwabe, Nkosi." Ineku, i kuluma nabo njalo, i kulumaka *kakulu*; i ya memeza. uKomfiya yena umlom' u wu 'bekis' eNkosini; naye ukukulum' u ya ku pakamisa. U se-t' uTshaka: "Ba tshele ba sondela!" Nembala, ba sondela.

Ya i si-t' iNkosi: "Wena, mfana, u ngo ka bani?" Ngi ngo ka Nogandaya, wa kwa Ncwana, Ngasita!" "Ni-ya ngapi?" Ba-ti: "Si zo konza; si jezile." uTshak' u se-ti: "Sondela lapa;" u se m gqogqoza nge zinzip' ekanda. U y'esaba-k' uKomfiya. uTshak' u se m hlabi nge sandhl' enhloko. U-ti-ke: "U ng'esaba lapa kiti, u nga hlabani, inyama yako i zo cwilisw' eqomeni. U zo ba umnyane, loku u ngowakiti. Sa dabuka nani. Si nga maNtungwa kanye nani." U se-ti-ke: "Halala! Ketani Zulu; ngi ganiwe!" Wonk' umpaki wa u su kulek' u-ti "Bayede," ukub' iNkosi be yi tokozisela.

Izinsizwa lezi zase zi nikw' uTshoba, wa kwa Lembe, kwa Ntuli. Wa-t' uTshaka ma ba geine lab' abantu bake (be-ze nje, ka ba na nkomo). Base be hlala-ke ku yen' uTshoba.

U se buza, nga many' amalanga, uTshaka, u-ti: "Komfiya, o sel' emuva ubani na?" U se bal' uSitunga; u bal' umfowabobo, uMagutshwa. U se-ti: "Kuhle Komfiya loko. Ka ba landwe bonke labo." U se-ti, um' a fike nabo, a kw-akiwe umuzi ka Komfiya. U su wakiwa-ke, o wa seNtshaseni. Ngob' u su pelil' umuzi, u se-ti: "Bek' umuntu wako omkulu; ngoba wena u za u'lilala la."

U se buza kuye, u se-ti: "'Ilo lel' iqawe li ka Pakatwayo, uSitunga na?'" "Yebo, Ngasita!" U se-ti: "Konje, 'o ka Mkonjwa na?'" "O ka Mkonjwa, Nga-

sita!" U-ti: "Kodwa-ke, u sā ngenwa nkugula kakulu." U se-ti-k' uTshaka: "Komfiya, m beke a be induna yako ekaya." U se kupuka-ke uKomfiya; u se-ya ku Tshaka. Usefik' e ba inceku lapo ku Tshaka,—yo kusind' elawini le Nkosi. E se ba inceku njalo-ke.

Um' uKomfiya e inceku, kwā hlatshw' izinkab' ezi-likulu. Se be butiwe-ke oKomfiya laba. Wa-t' uTshaka; üMgumanga,—

"iTshe li ka gingqimpisi!  
uJam' ehlungwini!"

Isigaba sake ku lelo buto, ku iMyehe.

Wa ye se-ti-k' uTshaka: "Komfiya, u nga-ya ini ukuyobulala lapaya kimi kwa Qwabe na?" Wa-t' uKomfiya: "Ndabezita, ngi nga-ya." Wa ye se-t' uTshaka, a ba hlasele ba land' izinkomo zi ka Mbangambi. Ba hamba-ke no Situnga, bobabili. Kute, be sendhleleni bobabili, uKomfiya wa-ti ku Situnga: "Mina, ngi zo gwaz' indhlu; wena, u vimb' emnyango."

uKomfiya wa qala nga le-ndhlu, e gcinile. Wa-ti: "A ku pum' omunye, u m gwaze, u dhlule; u fike kw-eny' indhlu futi, u gwaz' a be munye, u dhlule." Ba wu tata wonk' umuzi, ba w'enze njalo. Ba ya balek' abantu bonk' ekaya. Se be vulel' izinkomo; se be hamba nazo. Mu kulu lo muzi, a ba gwaza ku won' abantu lo. Se be qub' izinkomo; se be-ya nazo ku Tshaka. U ya fika, u se m nqamulel' ezinye. Se zi-y' eNtshaseni. Ezinye se zi sala ku yen' uTshaka. Kwa babazeka loko, ukub' uKomfiya ä-dhl' izinkomo zi be ziningi, be babili nje bona.

uKomfiya wā m-lwela kaning' uTshaka. Ab' e ya-lwe, a gwaze kakulu; okwake ku be ngapambili kuno kwa banye—njalo. E se insizwa, e si qinil' i pelele, wa-lw' e ya semaMbateni, ku hlaselw' uNkomo; lapa ya-dhl'

izinkom' ezinsundu. E se insizwa futi, wa-lw' e ya kwa Macingwane, wa seNgonyameni, emaCunwini; kanye ne ya kwa Zungu. Wa ye se-lw' e ya kwa Ndwandwe. E ya kwa Gqori kodwa ka yi-lwanga,—mzukwana be gwaz' uMapita ka Sojiyisa amanxeb' amaningi. Enye fut' impi yake, é ya-lwa no Ngoza ka Mkubukeli, wa sebaTenjini. Leyo ya-lw' eMsonganyati, enhla no Mnjeni; e ya qalan' emfuleni. Ukulw' okunye, ó kwa mhla uTshaka e hlasel' uNxaba ka Mbekane, wa kwa Mfeka. Ne ya kwa Qwabe futi, wā yi-lwa.

Kwāti, ku hlezive nje, so ku fika lo moyo, o-ti: "Kwitshi-i-i-i-i!" U se-t' uTshaka: "Nhi! Kwa ngen' umoya ka Makwata!" U se-ti: "'Impi le!" U kuluma leyo ndaba nje, u noMvundhlana ka Menziwa. Ku gewel' amaqaawe, kona lap' elawini lake. U se-t' uTshaka: "A ku xoxw' impi!" uZwide ngi ya m bon' ukut' u ye-za. A ku vel' iqawe li be linye kwa Zulu. Ngi bek' unomzimane izibongo; lap' emkontweni." Umkonto-ke u se wu gxumeka pandhl' enkundhleli. Wa-ti a ku vel' umunt' emabutwen' ake, a wu tate; o wu tatayo, ku yo-tiwa ubuqaewe bake bu ngang' o bu ka Tshaka, e kwa Mtetwa; ne zibongo-ke, a ye bongwa ngazo, bese ku ba ezake lowo muntu.

Amaqaawe a sab' onke uku-tat' umkonto. uTshaka waze wa wu yeka, wa buyel' esihlalweni; wa hlala. Wa ye se-t' amaqaawe ma-tsh' ukut' a yo gwaza kanjani, lok' umkonto b'esab' uku-wu-tata. Kwase ku xoxw' impi-ke. uKomfiya yena wa tula nje. Wa ye se-t' uTshaka: "U nga tula, Komfiya, le-mp' i lungile na? Nxa se ku tule wena, Komfiya, na? Ma se ku tula wena, Komfiya, ingak' ibuy' i hlehlel' emuya, i celwe ngokunye."

Wa suk' uKomfiya. Wa gxumek' umkonto o be kad' e wu pete, omdala. Wa kumul' omutsha, njengo kutsho

ku ka Tshaka. Wa-ti : "Lezo zibongo ezami! Ngi qom' uMvundhlana ka Menziwa, iqawe; ngo gwaza pambi kwake. Ngi qom' uMagaju, iqawe; ngo gwaza pambi kwalo, li nga ka gwazi." Wa-ti : "Ngi qom' uSigwebana, (ka Mudhli, ka Nkwelo), iqawe; ngo gwaza pambi kwake, e nga ka gwazi. Nkosi, ku nga gwaz' iqawe li be linye, emaqawini amatatu, ku uZulu wesine, mina ngi balwe muva, Nkosi, o ngi bulala!"

Wa-t' uTshaka : "Zulu! U qome mina ini, ma u-t' a ngo ku bulala na?" Wa-t' uZulu : "Ngi nga qom' amaqaw' amatatu, ngi qom' uZulu wonk' e pela. Ku yo 'bekw' ezidunjin' amanxeba." Wa-ti : "Elami li ngapambili esifubeni. Isuk' i baleke. Ba gwaz' emhlana bonke."

uTshaka wa-ti : "Ku lungile, Zulu; se si yo-zwa uZul' e se buya." Wa kip' izinkab' ezimnyama, ezilikulu. Wa-ti : "A i neame." Wa-t' uZulu : "Nkos' uZwide u ya m esaba; u zo-dhla zip' izinkomo, ma e s'ahlule tina na?" Wa-ti : "A zi yekwe, zi nga hlatshwa." Wa-t' uTshaka : "Ngivele nga-tsho ukuti, mfo ka Nogandaya, xox' impi; u qome mina." Wa-ti : "Nkosi, u zo bu la ekaya, u nga-yil' empini." Wa-ti : "Zulu, ukuba ku-tsho wena, a zi yekwe." Za yekwa.

Wa-t' uTshaka : "A ngi ke-zwa kahle. Ake ni-ye kwetu, kwa Nandi, la ku hlez' intelezi ye-mpi; ke ni yo yi xoxela kona." Ba-ya kwa Nandi. uTshaka wa-y' elawini lake. Wa ket' amaqaw' odwa uTshaka; wa biz' izinceku. Wa-ti : "E-pulan' amabele e zinkabi; ni wa yis' emaqawini kwetu kwa Nandi." Ba kwe-pula; ba wa yisa. Ba wa-dhla, ba wa qeda. Ba yis' utshwala o bu nga kanyiwe izinsipo. Ba bu puza, ba bu qeda. Ba-tsh' elikulu;<sup>1</sup> ba puma, ba-ya ku Tshak' elawini.

<sup>1</sup> Igama.

Wa-t' ezincekwini : "Ba tshele, ba ngene." Ba ngena, ba hlala. Wa-t' uTshaka : "Ni-tini-ke?" Kwa qamuk' uXwana ka Ngqengelele, induna ka Tshaka, wa-ti : "uZul' u sa-tsho lelo gama, Nkosi." U se wa tulis' onk' amaqawe; ka sa funi ukuba li be kon' iqawe e li kuluma pambi kwake. Wa-t' uTshaka : "Ku lungile-ke, mfo ka Nogandaya." Wa-ti : "Pumani, ni-y' esibayeni." Ba puma nay' uTshaka. Li ntambama, li ya tshona.

Ba-y' emabutwen' esibayeni. Wa-t' a yi sondele. Wa-ti : "Ni ye-zwa-ke, mabuto na? Si zo-lw' impi ka Kisi namhlanje. Ni-tsho kanye, ni-ti 'Kisi'; ni nga pind' okwesibili. Ni gwaze um' umunt' e nga-tsho ukuti 'Kisi'; kuyoba a si yen' owakiti. Ni yo-zwana nga loko." Wa-ti : "Ngi ya geina njalo, mabuto." Wa tetelela-ke, wa-ti : "Umunt' o-ti ngi ya m bulala, e ng'one luto, ku ba ka ngi m tandi. Nans' intando namuhla!"<sup>1</sup>

Impi wa yi nik' uXwana ka Ngqengelele, indun' enkulu. I si puma njalo. Se ku-zwakal' ukut' uZwide u se wu tshis' o wa seMbelebeleni. U se-t' uTshaka : "A ku luto, noma be wu tshisa. 'A ku nyati e y'ahlulwa tole.'" U se-za neno uTshaka lapa nga soTukela. U se-t' amabuto a yi role. A-lwe kungat' a ya yi dumela njalo; abuy' a hlelle. Isiz' i fike nga seNkandhla, y-ehle ngo Geongeo, i-z' oSungulweni; i dhlul' i-ye ku Nomveve, nga seNtumeni; ilap' i si zo-lwela kona-ke.

uZulu-ke<sup>2</sup> lapo, ku Nomveve-ke, u s'enz'umhlanganiso. Uyen' o wa gwaza kuqala lapo; kwā-w' owak' umuntu kuqala ngqa! Uku-yi-susa kwabo njalo; se be yi bekis' emuva.<sup>3</sup>

<sup>1</sup> U-ti ma ba be ngamaqawe bonke, ikon' e zo ba tanda; o tandwayo-ke, uyen' o yo sinda; a nga bulawa.

<sup>2</sup> uKomfiya.

<sup>3</sup> Indaba ya le-mpi, e yā-lwa no Zwide, se sike sa yi landa. 'Beka ku Hlangakula, kk. 7-11. uZulu wa ye kuyo yonke-ke leyo.

Ku ya bikwa lapa ku Tshaka, ku-tiwa ku gwaz' umfo ka Nogandaya, uKomfiya. Sekut' uma ku fikwe kuyen' uTshaka, u se-ti ku ye-zwakala lapa be ku kon'—

"uZulu la dum' obala,  
Lapa ku nge munga, ku nge mtolo.  
iSignu<sup>1</sup> e si zi fulele nga mahlamvu,  
Emzileni we zinkomo zi ka Nxaba.  
uMali we ndima, kant' u ya z'alela."<sup>1</sup>

I bikwa lapo nje, i sendhle. I si buya-ke, i bang' ekaya. Se ku giy' amaqawe lapo. At' uZulu, angaz' a giya. Kuze ku-tsh' uTshaka, a-ti : "Dhlala—

Zulu la dum' obala!  
Lapa ku nge munga, ku nge mtolo!"

U se giya-k' umfo ka Nogandaya lapo. Ilapa se ku nqunyw' izinkomo-ke. Se ku-tiwa a zi tatwe udibi lu ka Zulu. Se zi-y' eNtshaseni.

## 14

AMAQAW' AMAKUL' A KWA ZULU : UZULU  
KA NOGANDAYA

## II

Se ku ba kuhle-ke, amabut' e se buyile; e se m citil' uZwide. Sekut' elawini, nge liny' ilanga, ku pelel' amaqw' onke, u se-t' uTshaka: "Mvundhlana! Ngi beka nge tshumi le zinkabi, e zi nge na mpondo zodwa, ngi-ti ake ku vel' iqawe li qom' uZulu; li tate lez' izinkabi." Ku tule kuti nya endhlini. Ku vel' uMvundhlana ka Menziwa, a-ti: "O! Nyon' e-dhl' ezinye, akak' umunt' o nga qom' uZulu!" Abes'e-t' uTshaka: "Zi tate, Komfiya!"

<sup>1</sup> Izibong' ezinye zi ka Zulu zi-ku kasi 101.

Kwake kwati-ke futi, nge liny' ilanga, emkandhlwini kwa Bulawayo, wa buz' uTshaka, wa-ti: "U kon' uMagcansa<sup>1</sup> na?" Wa-t': "U kon' uMbewu<sup>2</sup> na?" Lase li-t' ibandhla: "Yebo, Ngasita!" Wa ye se-ti: "Ba tateni, ni ba bulale!"

Kwase ku sukum' uKomfiya, e se-ti: "Ngasita!" Wa ye se m 'bek' uTshaka, wa-ti: "U-tini, Komfiya, na?" Wa ye se-ti-ke: "Hau! Nkosi! Ngi-ti, kanti nga ngi zo kw-enzani kwa Zulu lapa na? Bat' abantu, Nkosi, e ngi kupuke nabo kwa Qwabe, kwa bulawa bona na? Kanti mina ngi konzeleni? Ka ngi konzele bona na?" Wa ye se-t' uTshaka: "Hlala pansi, Komfiya. U kulumile. Ba yekeni." Kwa kulek' ibandhla, la-ti lonke: "Yebo, Ngasita!" Wa ye se-ti: "Komfiya, ba tate; u yo ba tela nge nyongo; izulu li citshe la ba rangula." La bong' ibandhla, la-ti: "Yebo, Ngasita!" Bobabili, uZulu u-ti ba tutumela, baze ba fik' emakaya, emapandhleni.

Kwati uNgini e xez' eSizebeni, ku ku Tshaka, kwase ku fik' eny' insizwa nje i si m tshaya ngo kudelela; i bona yon' i si ndala, uNgini e ngapansi kwake. Wa ye se bikel' uZulu uNgini. Uset' u qub' izinkomo yena lo o tshay' uNgini; wa qamuk' uZulu. E se-ti: "Ubani o tshay' umfan' e xeba na?" Uset' u ya pika lowo mutnu. U se m tshay' uZul' ekanda. Wa m tshaya, wa m lahla pansi; e m tshaya nge wisa. U se m qoba-qoba nge wisa njalo. Se ku ba kupela. Ka kwa bikwa loko. Abafokazana lab' abalusayo, ba be bikwani eNkosini? Kwa ku bikw' enduneni; kuba ku pelile.

Ngi-zwa ngo baba uNgini,<sup>3</sup> o wa ye uNdabenkulu;<sup>4</sup>

<sup>1</sup> Wa kwa Newana; o ngumfowabobo ka Zulu.

<sup>2</sup> O wa seMambedwini, kwa Qwabe.

<sup>3</sup> O xoxa lapa-ke uMandhlakazi, yena njalo o wa xox' e ku Hlangalula, kk. 44-56.

<sup>4</sup> Ibuto li-ka Tshaka, (kwā ngasemuva).

ngi-zwa ngo Cebokazi, o uMyutwamini,<sup>1</sup> ukuti akako o wa kwa Zulu o wa ye ngahl' a qom' uZulu. Akako futi o wake w-eq' umbete pambi ku ka Zulu. Kodw' uZulu u be y'eq' e ya banye. uZulu à bonang' az' eqiwe umbete ngeny' induna; i yo gwaza ngapambili, lapa be ku nikw' uZulu.

uZulu yena, ú beti la e-zwa ukuti ku nikw' eny' induna, iyot' i fik' induna, uyob' e se yi cito yonk' imp' uZulu; u se zi-dhla lezo nkomo. Lezo nkomo be zi yo-dhliwa ile nduna. Sekuzoti lapa ku Tshaka, se zi bikwa ngo Zulu (ukuti zi-dhliwe uyena). U se-t' uTshaka: "Umbete w-eqiwe umfo ka Nogandaya." U se-ti: "Ku ye-zwakala la e be kona, 'usikota si nge na ku-ngenwa nga ndawo."<sup>2</sup>

uZulu u be ba no valo a nge-zwa ku-tiwa ku bulewe esiny' isikulu. U zo kw-eqa kona la ekaya kwake; ba nga m azi nje na makosikaz' akwake. Zi ya fika ne zitunywa, e zi tunywa iNkosi, zi-ze ku Zulu, ku-tiwe a kw-aziwa lap' uZul' e-ye kona. Se zi buyel' eNkosini njalo. Se zi-ti: "A si m fumanisang' uZulu."

iNkos'i buze, i-ti: "Ku-tiwa u-ye ngapi?" "Ba-te k'aziwa." Se ku hlalw' izinsukwana; kuti, nge liny' ilanga, kw-etukwe ngoba se ku bonw' uZulu e qamuka ne zinkomo. U-za nazo nje lapa, u se vunule, mfo ka Nogandaya. U hlaselile kwe siny' isifunjana a si bonayo; wafika wa zi capuna nje izinkomo, e nga gwaze muntu. U zo zi tumba njalo.

Usezofik' a bong' amakosi, oPunga no Mageba; u se bong' uTshaka. U se hleka nje uTshaka. U se-ti: "U zi tatapi, mfo ka Nogandaya?" U se-tsho-ke njalo,

<sup>1</sup> Ibuto li ka Tshaka le zintombi, e l'elam' *"uNtshuku"*, lelo-ke l'elanywe *iCenyane*.

<sup>2</sup> Isibongo sake leso.

lap' e-ye kona, wa zi tata kona. uTshak' u se hleka, e m capunel' ezinye kona lapo. Isifunjana lesi, isigodi nje e si ne zinkom' eziningi, sa kwa Zulu nje; na kwe siny' isizwana nje,—a si delele um' a bon' ukut' "akuko madoda la a nga ng'enz' uto." Bangabe ba sa zi landela. Zi landelwa uba?

Wake wa baleka nge liny' ilanga kodwa. 'Ukweqa kwake, kon' e s'eqa nje (kwa Zulu),—ngo kudabuka kwe goda. Kwati, be hamba, be qub' izinkomo, kwa qamuk' iguqa<sup>1</sup> nga sehlatini. Ngo kuqamuka kwabo, base be vimbel' izinkomo lezi, e zi qutshwa abantu no Zulu. Ba-ti: "Si niken' inkomo le." Ayes'e yi tshaya njal' nhlamvazana. Kanti, nang' uSitunga; ba landelana nay' eduze. U ya fik' uSitunga, u se-ti: "Zip' e zi ne nhlamvazana la?" U se-t' uZulu: "Naziya zi tshona lapa; naziya ngapetsheya." U-t' uSitunga: "U ba mikeleni?" Ukudhlula ku ka Situnga lapo, u se-ya kubo nge jubane.

U se kok' umkonto; u se godhl' isihlangu. Wati qamu njena, e sezansi. Wa memeza. Bati be m 'beka, wa ye seduze. U se-mi uZulu lapaya ne zinkomo. U sa buk' uSitunga. B'anek' ukut' u kok' umkonto lapa, ba baleka; ba ponsek' ehlatini. Wa ye se y'eqela njal' uSitunga, e buya nayo. U se fika nayo ku Zulu. E se-t' amakosikazi ku Zulu: "Kanti uke wa munew' into?" Ba bon' i si fika no Situng' inkomo. Se be zi quba njal' izinkomo; se zi hamba futi. U s'eqa, u se hamba.

uZulu lo wa ye no-nya. Kwe siny' isikati wa ye pendula nge nduku. Wa ye pendulwa uyen' uSitunga ku be kupela, ku geine. uSitunga u beti, nom' e fik' eNtshaseni, a-ti: "Ku-dhliwani?" A-t' amakosikazi:

<sup>1</sup> Isiguqa; isiqwaga.

"O! Muntu wa kwa Sitshi, si lambile." E se-t' uSitunga a ku kitshw' amagula; u se wa tulula njalo. U se-t' a ba-dhle. U se-t' a ku buy' izinkomo. U se yi gwaza njal' inkomo. U se yi pek' uSitunga lo. U s'e-pa bonk' abantwana na makosikazi ka Zulu. W-enza njalo, u kon' uZulu; u tule nje. Uzobuy' e-nzeni, so kw-enz' uSitunga?

"uSitung' abantu ba kwa Nxaba!  
uSibulali seMvoko ya kwa Manda!  
uFulela, kwa neta."

uZulu wa ye ganwe udadewab' uSitunga lowo; e m tand' uZulu; e-ti a ku bekwe yena a be inkosikazi. W'al' uSitunga. Wa-ti kungeke ku bekw' intombi ya sekaya. W'alwa waze wa pet' uSitunga; kwaze kwa geina yena.

uSitunga lo, wa ye iqaw' elikulu naye. E liqawe li ka Nomo ka Kondhlo, wa kwa Qwabe.

Kwa Zulu, uZul' u suswa<sup>1</sup> umkake uNongobosi, intombi ka Vimba.<sup>2</sup> Wa ye se-fil' uDingana nga leyo nkati. U se-t' uNongobosi, na madoda: "Ungek' u hlale no Mpande," ngob' uZulu ku Mpande wa m amuka yen' uNongobosi.<sup>3</sup> Wa-ti: "Sikiti!<sup>4</sup> Intombi ingek' i zekwe ivaka!" E-tsh' uMpande njalo. Ba-t': "U zo ku-bulal' uMpande.<sup>5</sup> Kwa ba isizondo kuye ngob' a m amuk' uNongobosi." E se tshela sonk' isifunda. U s'eqa njal' uZulu.<sup>6</sup>

<sup>1</sup> Uku'b' e s'eqel' eSilungwini (eNatala), e yo kw-aka kona.

<sup>2</sup> uMkotan' u-ti uyise wayo uSojaba, wa sebaTenjini.

<sup>3</sup> uMpande e se ngumntwana; e nga ka bi Nkosi.

<sup>4</sup> U fung' uTshaka ngo kutsho njalo.

<sup>5</sup> Ngob' amaBunu a ye se m enz' iNkosi.

<sup>6</sup> uZulu wē-z' eSilungwini ngo kudabuka kwe goda, e hamba no Mpande [October, 1839]. Sekut' oHlawe (pakati kwe Tongati no Mdhloti), lapa kwē-miswa kona, se ku bulaw' uMpangazita ka Mncumbata, e bulawa amabut' a ka Mpande; e z'enzela nje, e nga nikelwe.

uMpande u se wu hlab' emaBunwin' umkosi; u se-t' a ba vimbel' umunt' o uZulu. A ya fik' amaBunu lap' eNdondakusuka, eNtshaseni, u s'eqil' uZulu. A ba sa m boni. A se val' onk' amazibuk' oTukela; a sa m fumanike. A se fumanis' amakosikaz'ake. A se-t': "Up' uZulu?" A se-t' amakosikazi: "A si m azi." Izinkomo lezi zi ya qutshwa. uZul' u ngapambili. Ku landel' uSitunga ngemva ku ka Zulu, amaBunu a yahluleka. Kaz' a m tol' uZulu. Kant' u se hlangene no Wohlo; wa m tubelis' uWohlo. Wa mu-s' eMdhla.

uWohlo u s'ehla naye, u 'beka le ngapetsheya kwo Mkomazi. uZulu-ke u le eMdhla. Use't' uZulu, um' e-zwe ukut' uWohlo u se le, u se tumel' uZulu, ukut' a ku yo 'bekw' uWohlo ukub' u se la ezansi imi, nga seMzinto. U se m fumanissa. U s'ehl' uZulu, le eMdhla. U se buyela kuyen' uWohlo. Se befika b'aka-ke, kona lapaya, kwe la seZembeni. Use'ti, uma b'ake-ke, seloku be pelela njal' abantu ba ka Zulu; be fika njalo. U se li cela-ke, eMkunya, ku Somsewu. U s'aka-ke kona, eMkomazi, ngapansi. W-aka naso sonk' isizwe a ye hamba naso.

Inkosikazi ka Zulu kwa ku uMayazane, intombi ka Vimba. Wa zal' uMkehlengana,<sup>1</sup> inkosana ka Zulu. Abafazi ba ka Zulu ba be baningi; bangaze ba fik'

Be m bulala ngo ku-m-dhlikidhlikiza; be nga m bulali nge zandhla. Ba m bulala ngob' e se bekw' induna ka Mpande; u bekw' e no Nongalaza, kanye no munye. Kwi-tiya uMpande u yo patwa ilezo nduna zontatu. Ba bekw' amabuto ukub' uMpangazita a pate kwa Zulu qede, abes'e bekw' indun' futi se ku senkundhlen' enye.

uZulu u se tshaywa uvalo-ke. U bon' ukuti naye ba zo m-bulala, ugoba naku le ntomb' a yi tatayo iisizondo nga ku Mpande. U y'eqa-ke, kanye na bantu bake.

<sup>1</sup> Yena lo, o na lab' a ba xoxa le ndaba.

ematshumin' amane,<sup>1</sup> uVimba wa y'ake kwa Zulu. uMpande wā bonana no Nongobosi kwa Zulu, ku sa buswa;<sup>2</sup> e nga ka jutshwa.

Indaba ya lel' iqawe ka yi ka peli. Ku se kon' o ku sa sele. Impi ye Nkosi ya seNdondakusuka *yakuqala*,<sup>3</sup> e ya landelan' eduze no kubulawa ku ka Piti eMgungundhlovu, ya i petwe uye, e no Mdhlebe, no Nongalaza ka Nondela. Kwa ku-ze abeLungu ba seTekwini, be petwe uJana;<sup>4</sup> be ne-mpi yakubo ya Bantu, be zo hlasel' uDingana, ngob' e bulel' uDamuse<sup>5</sup> eMgungundhlovu, mhla ku bulaw' uPiti. uJana wā-fa lapo, ukuba kwahlulw' eyakwake. Kwa dhlul' inyanga, uDingan' u se kip' eny' impi, e-ti ma i yo ba cit' abeLung' ba seTekwini. Leyo-mpi-ke, ya yi petwe uy' uZulu lo. abeLungu bā sinda bonke ngo ku-ngen' emkunjini. Kwa bulaw' izindhlu kupela; kwa pangw' impahla.

Kwāti, ngemva kwo kub' amaBunu a xotshwe áma-Ngis' eTekwini na seMgungundhlovu,<sup>6</sup> kwase ku fik' uSomsewu,<sup>7</sup> e zo pat' inDhl' eMnyama ya se-Natala. uZulu u se zo cela kuy' indawo yo kwaka. uSomsewu u se m bek' eMkunya. Wā-fela kona lapo-ke, e se lixegu; e nga sa bon' emehlwani.

Amanxeb' a ka Zulu a ye isihlanu: *E okugala*,—la li ngenhlana kwe-vi le dolo lo bunx<sup>w</sup>; umkonto wa ngena nganhlanaye, wa yo pumela ngale; *elesibili*,—li

<sup>1</sup> uMkotan' u-ti ba be amatshum' amane na nhlanu (45).

<sup>2</sup> Ku sa bus' uDingana.

<sup>3</sup> Yā-lw' ebusika ngo nyaka ka 1838.

<sup>4</sup> John Cane.

<sup>5</sup> u-Thomas Halstead, iNgisi; o wa ye kad' e hambe no Piti, e yo m rumushela.

<sup>6</sup> Ngo 1843.

<sup>7</sup> January, 1846.

ku lowo mlenze futi, enhla nawo, etangeni; umkonto wa ngen' enyameni wa u su yo pumela ngale; *elesitatu*,—la ngen' engalweni yo bunxele, enhla nayo, ngapandhle; lelo nxeba la m jiyez' ingalo, ayab' i sa ba na mandhla o ku-pat' uto empini ya mhla loko; *elesine*,—umkonto wa ngen' eqolo, nga sebunxele; *elesihlanu*,—la ba sesifubeni, li elincane kodwa. Wa ye dan' e-ti yena imkonto ya bafo i y'ahlulek' uku-ngena kuy' emzimbeni.

uZulu wa ye isidhlodhlo; e nge mude; e na mandhla. E kulele pezulu. E mnyama kakulu; e na matundu. Ngo kufa ku ka Tshaka, wa ye se tungile. uDingana wā m bek' induna ye Zimpohlo, kwa Hlomendhlin' omnyama, —enkul' induna ku nguNongalaza.

I ya pela-ke lapo indaba ka :

"Zulu la dum' obala!  
uGqamu njenge langabi."

## 15

(Iqawe li ka Tshaka no Dingana)

uZul' a dum' obala! <sup>1</sup>

Lapa ku nge munga, ku nge mtolo.<sup>2</sup>

uZul' o njeng' o ka Ntima,<sup>3</sup> eMyimaneni.

<sup>1</sup> Abanye ba-ti: "uZulu la dum' obala!" Ezibongweni, ukukuluma kuye ku finyezwe kwe ziny' izindawo. 'B. ku Tulasizwe, k. 111; lu kona na lapo uhlamv' o lu njenga lotu.

<sup>2</sup> Ukuwa wā gwaza kuqala ngqa, wa-dhl' umhlanganiso, ku nga ka veli si' esimye, ne simjani. W-enzē njalo, ka kuko na hlanze; ku sobalo nje.

<sup>3</sup> Iqawe la kwa Mtetwa, uTshak' e se kwa Mtetwa naye; e nga ka kupuki oku-za kwa Zulu.

uMabil' <sup>1</sup> o njengo Mabila, wa kwo Jobe.  
 uSikot' e si nge na bungenwa <sup>2</sup> nga ndawo.  
 uMgijima ay' a fik' ezinkilimbeni.<sup>3</sup>  
 uNomaxonxo,<sup>4</sup> u sela <sup>5</sup> tshwala bu ya bila,  
 Umlaz' u zo sal' ezintanganeni.<sup>6</sup>  
 iMpukan' ezibindibindi.<sup>7</sup>  
 uGqamu <sup>8</sup> njenge langabi.  
 uMbabazi we nhlamba,  
 E bi tuk' uDhlungwan' <sup>9</sup> eMbelebeleni.<sup>10</sup>  
 iSign' e si zi fulele nga mahlamvu,  
 Emzileni we zinkomo zi ka Nxaba ;  
 Sat' ukuvuka sa-dhl' abantwana ba ka Nxaba.<sup>11</sup>  
 uTshan' o bumpilipili ;<sup>12</sup>  
 iSamban' e si-mb' umgodi si nga wu lali ;  
 uMbudula <sup>13</sup> hlungu la zita ;

<sup>1</sup> U—b lapa, u nje : 'b.

<sup>2</sup> Umunt' a ngati, o bonga lapa nga e-te : *Kungenwa* ; kant' ulimi lwake, lu-ti : *bungenwa*. U-tsho kanje, ngob' e fun' uku-notis' izibongo ; e zi lolonga.

<sup>3</sup> Ku bafo ; la be baningi, be kandene kona.

<sup>4</sup> Ixonxo, lapa ku cinene kona ; ku-tshi'w izimpi lez' a zi-lwayo.

<sup>5</sup> Puza.

<sup>6</sup> Izindhlwan' ezincane ; amalawu.

<sup>7</sup> Loku sengati ku-tsh' impukan' e ne nkani ; e nqab' uku-pungwa.

<sup>8</sup> U ya gqamuka,—ulaka lwake.

<sup>9</sup> uTshaka.

<sup>10</sup> Umuzi ka Tshaka. uNxaba, inkosi ya kwa Mfeka, o wa m tu-kayo, e-t' uTshak' u zo m cita.

<sup>11</sup> uNxaba lo, 6 ka Mbekane. Ku-tiwa : *Nzaba, wo Göbe* (umuzi wake). amaMfeka ay' ak' ezansi, emganwini, nga solwandile ; eduze na ba kwa Mtetwa.

<sup>12</sup> O bu mabalabala ; njenga lap' izulu kade be li dhlala, li tshaya kona. Utshani-ke lapo bu ya-tsha, obunye bu nga-tshi ; bu ya hiluma, obunye se bu ba mnyama, obunye bu ba luhlaza, obunye bu ba mhlope. Loko-ke, ku fana no munt' o bulel' omunye,—u ya qunga, a penduk' umbala, a be mnyama.

<sup>13</sup> Uku-shudula, uku-buqeka ; ku-tshiwo ngoba, kwe ya sema-Mpondweni, yä-lwel' ehlungwini.

iSidu' <sup>1</sup> e si pand' amaMpondo ;  
 uMali we ndima, kant' u ya z'alela.<sup>2</sup>  
 uNdaba zi fika nqangi <sup>3</sup> ku Dhlungwan' eMbelebeleni,  
 Zi-ze na be zizwe, zi-ze ne nduna ka Makasane,<sup>4</sup>  
 Zi-ze no Koliweyo, induna ka Makasane.  
 uNqwababa, zi ne nyembezi.<sup>5</sup>  
 uMkon' o vikel' isibili,<sup>6</sup>  
 eZimpangelemi <sup>7</sup> zi ka Mzilikazi.  
 uMzimbakazi, o njeng' o wa kwa Ntunja.  
 uNom pang' <sup>8</sup> amafut' e sa bila.  
 uBu <sup>9</sup> njengo mfilo.

Isililo e sā kala pambil, sa kal' emuva,  
 Ngob' e-dhl' uMbanzana, nga sezincekwini.<sup>10</sup>  
 Mahlabana ku yo yombili !

<sup>1</sup> Ku-tshiwo ngo bukulu bake.

<sup>2</sup> Loku kwā-tshiwo nge-mpi ya kwa Ndwandwe, ka 'Kisi.' Lapo-ke, ku-tiwa wa nqamul' idhlanzi la bantu, e-ti ba yo gwazwa uye ; e ngavumi-ke ukuba ku ngen' abanye bakubo, be zo m elekelela ; e-ti indima e yo qedwa nyena kupela. Ukwala, ukudanda, ukugaba.

<sup>3</sup> Kuqala, njenga ku "mvelinqangi" = o wa vela kuqala. Abapye ba-ti : Nqanji. Kwā bikw' ukugwaza ku ka Zulu ngapambi ko kwa banyo. 'B. c. 8, ku k. 157 ; na ku k. 193, c. 6.

<sup>4</sup> Inkosi ya ma Nhlwenga.

<sup>5</sup> Izinyembezi ; zā-wel' enqwababeni.

<sup>6</sup> Wā vikel' umzimba wake ngo mkono. Ilo lel' inxeba, oku-tiwa ku kasi 101, *elestitu*. Wa gwazwa insizwa ya kwa Mzilikazi. Yā qala ya bonwa owakub' uZulu, i-za nga kuye. U se m xwayis' uZulu, u-seti yen' u ya penduka, u se bon' umkont' u su zo ngena kuy' emzimbeni ; u se vika nge ngalo. Nayé u se pindisela kuko loko ; u m lahla pansi.

<sup>7</sup> Ibuto.

<sup>8</sup> U ya wa *panga* ; ingabe ku-tshiwo ngob' e yo gwaza kuqala, ku sa tshisa, e se zo-dhl' umhlanganiso-ke nga loko.

<sup>9</sup> Lo b = 'b. Ukuti 'bu, uku'buza, ukuduma. Les' isibongo sit' a si fane ne si ka Tshaka : uNodum' e hlezzi ka Menzi. 'B. ku *Tulasizive*, k. 17.

<sup>10</sup> uMbanzana kwa ku inceku ka Tshaka. uZulu wa m gwazu ngob' e nga m boni ukut' owakubo ; e m gwaz' ebusuku, empini ka Kisi, ku-liwa no Ndwandwe.

Ne ya seziteni, ne ya sekaya.  
 uBisi lwe zinkomo nge zinkomo.<sup>1</sup>  
 u-“Mhlaba ! Dabuka, ngi-mbe, ngi ngene !”<sup>2</sup>  
 uMnyam’<sup>3</sup> o vundhl’ inkundhla ya kwa Dibandhlela.<sup>4</sup>  
 uMalamb’ a-dhl’ itwani,<sup>5</sup>  
 Le inkomo zi ka Mzilikazi.  
 uMnyezan’ o engam’ iziziba.<sup>6</sup>  
 uNongqanga<sup>7</sup> kwa Zulu.

## 16

## UKUTUNG' ISICOCO

KUTE, kuse kwa Zulu, kwa ku jutshw’ ibuto, ku-tiwe ka li tung’ izicoco.<sup>8</sup> Se be zo citeka-ke, ba yo fun’ ungiyane. Abanye ba zo zi-kelel’ emahlatini, emrotsheni ye mfula, lapa ku kon’ imzungulu, o mila ku yona. Abanye

<sup>1</sup> Wa ye-dhla amasi e zinkomo zonke, ze zizwe zonke; ngoba ya i bi ya buye layo-mpi, i buya ne zinkomo, iNkos’ i bi si m’ ngamulela kuzo ngo kuhlabana kwake.

<sup>2</sup> Lesi wa si tol’ empini ka Mzilikazi. Sengati sa vela ngo munt’ o wat’ e bon’ uZul’ e se-za kuye, wa ye se kohlw’ ukut’ u zo sinda nga ip’ indhlela.

<sup>3</sup> Utungo lwe nkosikazi.

<sup>4</sup> Uyise ka Magaye, inkosi ya kwa Cele.

<sup>5</sup> Itwani la li-dhliwa zimbongi kwa Zulu; isona sito sazo.

<sup>6</sup> Loko o kwe-mpi ya kwa Nkentshane, abesutu; wi-wela pezu kwe cibi, isihlangu e si pete nge sandhla. Unnyezane umuti o nqunyw’ iziqu, lez’ e zi fakwa amaqawwe.

<sup>7</sup> Ukuba uyen’ o vile, o pumele pambi kwabo bonke kwa Zulu.

Ku ya bonakal’ ukut’ umuntu o bongwa kangaka, wa ye isilwan’ uqobo; e isimangaliso.

<sup>8</sup> Amabuto a ye jutshwa iNkosi; i qale ngokut’ a ba tunge. Kuzotike, nxa se be qedile bonk’ ukutunga, bese be pindela kon’ eNkosini, be-sa zon’ izicoco-ke. I si ba buka-k’ iNkosi. Se ku zo vel’ izwi-ke lokuti a ba ganwe, ba ganwe izintombi ze but’ elitile.

Ukwenziwa kwako, umunt’ a nga ku bonabona ku *Hlangakula*, k. 119; a ‘beke na ku *Tulasizive*, k. 104.

ba wu tengen kwa ba wu-kileyo. U se fika nawo-ke, e wu qobolonda (uku-wu-hluba, uku-kip’ izilwane; zi ne gaz’ elibomvu). U ya ku keta, a ket’ o ku ukudhla, ku sal’ izilokazana; a zi ntshinge.

E se wu bumb’ isigaxa, e si ngange sandhl’ e si fumbete. U mhlop’ ungiyane. Omunye uz’ u pekwe inyanga e yaz’ ukutunga; omunye a zi pekele yena. Ut’ u nga vutwa, abes’e yo biz’ inyanga.

Ukupekwa kwawo, u pekwa ngo dengezi (isihlepu so kamb’ olwafayo). U pekelw’ esibayeni pakati. A nga sondez’ eceleni kwo tango, eduze kwe zindhlu. W-esab’ ilangabi uku-tshis’ izindhlu. Ka telw’ amanzi; ku telwa yena yedwa nje (ungiyane); abes’e ncibilika, a ‘xwade. Sekuzauti izilokazana, eziseleyo, zi-ye ngapansi.

A bas’ umlilo. Ku bile nje. U za ukw-etuka se ku penduka; se ku ba mnyama, se ku pel’ ubuhlope. Se ku zo bona yon’ inyang’ ukuti: “Au ! U-tshile manje. U su vutiwe.” U se zo tel’ amanzi-ke, abandayo, nge ndebe (inkezo). A qub’ ingalo, a nga sondeli yen’ eduze; a vele ngalapa ku vela kon’ umoya. A wa tele-k’ amanzi. Ngo kuhlala kwa manzi ku ngiyane, kuti ‘Bū ! Se ku suk’ ilangabi, njengokuba ku-tsh’ isikota nje. Li suk’ ilangabi; li pele se li pakeme, se li kude, njengo munt’ omud’ impela; naye li m dhlule, li m dhlule ingal’ e y’elulile. U se lw-epula-k’ udengezi.

Ungiyane lapo u se tambile, u se upetepete.<sup>1</sup> U se tat’ udengezi. U se wu tel’ etsheni, njengo-ju lwe zinyosi. U se pala nge sipalo; e pal’ o ku sa namatel’ odengezini; e ku palel’ etsheni. U se wu gaya-ke, e wu hlanganisa. Used’ e tel’ amanz’ abandayo; uti, ka ku pole, ku qine.

Ubes’ a qale uku-m-pucula kuqala, ungyan’ e sa

<sup>1</sup> Impetempete.

pekiwe. Wa ye se tshiy' izinwele e zi isibaya ; e qale ngo ku bek' uqondo (ingqwanga). A lu bek' okakayini ; abes'e puca ngapakati na ngapandhle, a tshiy' isibaya se zinwele. U puca nge nsingo.

U se tat' uqondo ne ntamb' eyapotwayo, yo-zi.<sup>1</sup> U se tat' iva lo kutunga. Kwā cijw' upondo lwe nkomo. Lwa cijwa, lwa cijwa ; lwa diywa (nqunywa). U se tthis' usungul' oluncane. U se bobaiza. Imbobo lena-ke, i za u'ngen' intambo. Used' e hlab' ezinweleni, e hlab' oqondweni ; e dons' intambo njalo, e-nze ukuba ku ngawi (uqondo). Intamb' i ba-nde ; ikon' e zo zungez' ikanda, ay' a fike lap' e qale kona. Uma ku nga hlangene, ubuy' a yi xume nge-nye, e-nze ukuba kuze ku hlangane, a fike lap' e qale kona. Ngo kuhlangana kwako-ke, ku se uqondo lodwa.

Ungiyane lo, a wu tel' etsheni-ke, u se wu gaya-ke. Ka sa wu gayisi o kwo kudhla. U se wu goqonga nje, a w'enze u be njenge nduku nje ; ku be kude. A bon' ukuti 'Nhu ! Se ku yo hlangana.' A wu bambe nge zandhla zozibili ekugeineni, nga ndawo zombili ; a ku tamelis' emlilweni, e-nze ukuba u neibilike, uz' u namatel' oqondweni. U se ku beka-ke kahl' ekanda ; u su hlangana. Sekuti izihloko zozibili, zi hlangane ziti ngei. U se eindezela nge situpa ; e namatisel' oqondweni. U ya ngen' ungiyan' oqondweni, ngob' u manzi.

Ngo kuhlangana kwawo, u se tat' uti (se lwa cijwa), ö lwe nyanga—lo kutunga bonk' abantu. Wā lu cija, wa lw-enza njenge pini elibondayo ; lwa luncane kodwa ku ne pini. U se-ti : " Sondela-ke ! " Used' e wu tshayake ; a wu lungise. U se mmyama, ute buqe. U se diya

<sup>1</sup> Ku tungwa na ngo singa,—usinga o lwa lu landwa kud' ezizweni ku sa buswa kwa Zulu (ku-tshi'w izinkomo njalo, e zi-dhliwa amabuto ku baf)—usinga lwe zicoco za madoda lu zo puma kuzo-ke).

kahle-ke, e-nz' ukub' uqondo lu vel' obala ; a nga lu fuleli lonke. A linganise kahle, kuze ku hlangane.

Usez' o-me-ke, a qine, ati ngqi. U se tat' imbokojwan' encane, e ngange viyo,<sup>1</sup> noma ikiwane. U se wu gudhla-ke, uma u be muhle ; ku hlangane izihlepu (izifaca). U se pelile njalo. Naye, u sed' e gudhla. U se tat' amanzin ; u se wa tel' okambeni. U se zi buka kon' emanzin, (ngoba isona sibuko sakiti).

Ukutunga loku ku pela nge langa, um' ungiyan' e kona. Ilowo u no wake, ilowo u no wake. Inyanga nxa i-nye, i nga qed' abant' a ba isihlanu nge langa, nxa i ba vukele,—i ba qale ngo kufudumala kwe langa.

Uma i m qalisa, inyanga i nikw' imbuzi. Uma i m pinda, i nikw' umkonto, noma imbenge, noma isigabu sa manzi ; nom' e m nqumel' ugwayi. Ku ba kunye kona. Kuqala, uma i m qalis' umuntu, kwa ku ba umkonto nje, wo-ti, (ngob' u piselw' otini) ; noma ku imbenge, u kokile njalo. Se be bisa kakulu namhlanje.

Kuzoti-ke, se ku zimyang' ezimbili e tungile, u se zo ewala-ke, a ewalwe ény' indoda. Ba ewalane. Uku-ewala loku, u hlokoz' izinwele, a zi tshonise pansi ; e zi 'bekisa nga soqondweni. U ewala ngo-ti o lu qotshiweyo ngo mmese.

Uma ku ngeko ndoda, yen' e hamb' e-y' emsindweni, u ya-tsho nje na k'umfazi wake, a-ti : " Ak' u ngi ewale." Umfazi-ke a buyis' amadhlodhlongo a pumile ; a nga ewalisi njengokuba e ewalwa eny'indoda.

<sup>1</sup> Itulwa.

**IZIBONGO ZI KA NGQENGELELE KA MVUYANA**  
 (wa kwa Butelezi)

[uNgqengelele wa ye inkulelwana yo mdabuko wa kwa Zulu ; e nguyise' ka Tshaka. uTshaka na bafowabo bā kuleia pezu kwake, e ba pete ; e nge na mzizi. Wa ye tolef' amalongwé kwa Mtaniya (inkosikazi, umina ka Senzangakona). Inkosana yake, uSomfongoza. Ya tshetsha ya-fa. Izwe lake (li suk' eNkonjeni, laye la namatef' oPongolo) la patwa indodan' enye, (e se-fle yena) uXwana (induna ye buto, ku sa bus' uTshaka), o wat' e-fa yena, wa tshiy' umntanak' uBantubensumo. Eny' indodana ka Ngqengelele kwa ku uMnyamana, o wa ba undunaku ye-zwe ku Cetshwayo. Izbongo zi ka Mnyamana zi ku k. 195].

uMlamb' o Nyati !

uNqwababa, zi ne zinyembezi.

uMkon' o vikel' isibili.<sup>2</sup>

uTshitshiliza<sup>3</sup> kwe li marole.

uMlamb' o gewal' u senyuka,

Eminy' imlamb' i gewala y-eukela.

uMlamb' o-za ne zigodo.

uMqengqe<sup>4</sup> wakiti, kwa Nomahina ;<sup>5</sup>

O nge ku-fa nga madhliso,<sup>6</sup>

U ya u'fa nga maloyiso.<sup>7</sup>

iNyoni ka Makala !

E ya kalel' uZulu,

Nyak' uZul' e nge ku-lima kitu kwa Bulawayo,—

<sup>1</sup> Umfula.

<sup>2</sup> Isifuba so muntu, si kanye ne sisu na matumbu ; umzimba wake.

<sup>3</sup> Tshelela.

<sup>4</sup> Isitsh' e si njenge tunga, esibazwayo ; so kudhlel' izingane.

<sup>5</sup> Umuzi wake ; u magamu mabili, kuye ku-tiwe, futi, eNsukazi

<sup>6</sup> Uku-dhliswa ; uku-takatwa.

<sup>7</sup> Uku-qanganiswa ; uku-qalekiswa.

E ya u'lima nge nsimbi ya madoda.<sup>1</sup>

uSondhli<sup>2</sup> se mbunca,<sup>3</sup>

Inx' i 'bembese ;

Ingani uyena a nga zi bembeselayo.<sup>4</sup>

uMatang' a vik' imkonto.

iNgayi<sup>5</sup> e matayi,

E ya geayel' uZulu ;

Ya geayel' uMbelebele ;<sup>6</sup>

Ya geayel' uBulawayo ;<sup>6</sup>

Ya geayel' abaQulusi ;<sup>6</sup>

Ya geayel' iMpangiso ;<sup>6</sup>

Ya geayel' uGuqu ;<sup>6</sup>

Ya geayel' uZwéla.<sup>6</sup>

uMyutuz' a tshiye.

uNto zi m nengani ?

uMgubhi wa oLanga ;

uZisinde za manye.

<sup>1</sup> Ku kulunya nge sililo si ka Nandi, nyakana ku-tiwa a ku nga linya, ku nga sengwa, no tshwala bu nga gaywa [‘Bek’ indaba yokuti : uGala u-t' uTshaka ma fak' its' esiswini, ku Hlangakula, k. 22].

<sup>2</sup> Insimbi ya madoda’ izikali, imikonto,—e ya hamba ya yo “lim” emaMpundweni. Ukulima, pela, ku-tshiw’ ukulwa.

<sup>3</sup> Ukw-ondhla.

<sup>4</sup> Ingabé ku-tshiw’ into e si shwabene ini ? E njengo Tahaka nje, okwati e se mncane, uyise wa ye fun’ uku-m-bulala. U se hamb’ e yo hla! eLangeni-ke, na kwa Qwabe, na kwa Mtetwa. U imbunca-ke nga loko.

<sup>5</sup> Loku sengati ku kuluma ngo Tshaka, ngoba kwat’ e se mncane, wa ye patwa uy’ uNgqengelele lo. Kute-ke, e se busa, wa ye se xabano naye uNgqengelele, e nengwa ukukuza kwake, nxa e bulal’ abantu ; wa ye se-ti ka banjw’ uNgqengelele a botshozwe (endhlebeni), ngob’ e nge-zwa lap’ uTshak’ e kulumayo. Wa bembesa nga loko-k’ uTshaka, ngob’ ē-yis’ umondhli wake, a nga ye m hlonipe kakulu.

<sup>6</sup> Isikumba a z’embesa ngas’ umakoti.

<sup>7</sup> Amagam’ emiz’ eminye ye Nkosi (uTshaka).

## IMPI YA KWA MZILIKAZI, KA DINGANA

[uDingana wā hlasela *kabili* ku Mzilikazi. Le ndaba i kuluma nge ye sibili-ke, e ya-lwa ngo 1837. I xoxwa uNgidi (uMagambukazi) ka Mcikazisa, wa seLangeni, o wa ye yi pumile.]

## I

uDINGANA wa ye soDhlambedhlwini,<sup>1</sup> eMfoloz' emhlope. U se mem' impi yake-ke. Nembala, ya i si butanela kuye, emini. Kwase ku-tiwa, a si hambe si yo hlala. Kwa dhlul' izinsukwana; sa bizw' okwesibili. La' izwi a si hambe si yo keta kwa Nobamba, ku Senzangakona.<sup>2</sup>

Sā ket' emini kwa Nobamba (uMbambangwe<sup>3</sup>); kade si hlez' eSizebeni esangweni, lapa si butene kona. Sā wela ku Rabu (inyanga ye Nkosi yo ku-pal' izikumba), enhlanganweni yo Nzololo no Mkumbane; ezansi no dong' o lu lel' uMatiwana, inkosi ya semaNgwaneni.<sup>4</sup>

Sā ket' etuneni le Nkosi (li ka Mjokwane ka Ndaba), entaben, enhla no muzi, lapa ku lele wonk' amakos' a kwa Zulu. Kwa bongwa-ke, ku bongw' amakosi. Kwa blatshw' igam' elikulu le Nkosi, le-mpi. La rutshwa, la rutshwa, kwaze kwa qubuk' impahl' e semzimbeni, amabut' e se tukutele. Kwa bonakal' ukuti:

<sup>1</sup> Kutshiw' umuzi we buto, uDhlambedhlu; ibut' a qalisa ngal' uDingana. L'elam' iZinyosi zi ka Tshaka. iZinyosi lezi izibiza, ngoba, wāt' uTshak' e-fa, za zi se inkwebane, iNgobinga; zi nga k' enziwa buto.

<sup>2</sup> Etuneni la leyo Nkosi.

<sup>3</sup> Isitakazelso a lowo muz' omkulu wa kwa Žulu; o ngapambi kwayo yonk' imizi ya makosi ngo budala.

<sup>4</sup> O wa bulawa uDingan' eMgungundhlovu, eti yem' u zo konza kwa Zulu.

"Wotshi! Namuhla ku namuhla! Ku zo pel' abantu; si zo ba bulala." Kwa geina ngo kukuleka, ku kulekelwa yen' uSenzangakona, ku-tiwa: "Bayede!"

Sā qed' ukuketa kwa Nobamba lap' ilanga li mukayo. Ya yi si pakwa njalo kona lapo uDingana, uMpa-nkom'-ina-bele.<sup>1</sup> Naye wa ye kona kwa Nobamba. So ku-tiwa a yi hamb' i pume i-ye ku Mzilikazi. Si yo la' eMahlabaneni njalo, ku Mnkabayi (ka Jama). Yā tetelw' esangwen' oDhlambedhlwini, i si ketile. I kete qede kwa Nobamba, ya-y' oDhlambedhlwini.

Kute, si se soDhlambedhlwini, kwa giy' amabuto. Kwa suk' uMagwababa, wa seZinyosini, umfo ka Ngomane ka Mqomboli, naye wa giya; e giya ngo kuhlabana kwake kwa Wambaza (umuzi ka Ngwadi<sup>2</sup>). U se tshaywa uSigwebana, e m tshaya ngob' e-t' u m tintile,—u-tsho ngob' e ngo wo kuzalwa,—u m tinte nge ngalo, e nga m boni ngasemuva. iNkosi ya i si m ralamus' <sup>3</sup> uSigwebana. Ya-ti: "U ya kw-az' uku-tshay' umuntu wami, e mkul' e ngaka na? Funa ngi ku bulale kona manje. 'Ute, ngob' u zalwa uMudhli na, u su tshay' umuntu ngob emkulu naye na? Ngi ku yeka ngoba ngi pum' impi. Ngi ya ku cupisa. U nga pindi ngomuso w-enze njalo."

<sup>1</sup> Isibongo sa leyo Nkosi.

<sup>2</sup> Ka Gendeyana. uNandi, unina ka Tshaka, ukub' a muke kwa Zulu, e xotshwa umyeni wake (uSenzangakona), wā qala wa hlala kab' eLangeni na bantabake, uTshaka no Nomeoba. Usebuy' e dhlula futi lapo, e-ya kwa Qwabe, ekaya kwo nina,—unina ku uMfunda (ka Kondhlo), udadewab' uPakatwayo, inkosi ya kwa Qwabe. Lapo-ke, u se zo gan' uGendeyana, indoda yakona, ya semaMbedwini, abes'e m zaled' uNgwadi-ke, uTshaka wa ye m tanda kakul' uNgwadi.

Kwati-ke, ukub' a-f' uTshaka, e bulawa oMhlangana, no Dingana, no Mbopa, uDingana u se bulal' a ba be tandana no mnewabobo, oMagaye ka Dibandhlela, oZihlandhlo ka Gewabe, oNqeto ka Kondhlo, kanye no Ngwadi ka Gendeyana. U giya nga loko kuhlabana kwake-k' uMagwababa.

<sup>3</sup> Tetisa.

I si m yek' iNkosi. I si tet' impi-ke. I si y'isa ku Mnkabayi, eMahlabaneni (umuzi wake).

I-ya ku Mnkabayi ngob' i yo tat' itongo, itongo le Nkosi, noma e li ka Mjokwane, noma e li ka bani.<sup>1</sup> Sā-ya sonke, wonk' uZulu, eMahlabaneni. Ngā m bon' uMnkbayi. Ya yi tetwa uye. Wa ye indhlovukaz' enkulu, isitubesikazi;<sup>2</sup> e no mka'b' omkululu. Ku inkosi ya kwa Zul' e tet' impi. Amakos' a kwa Zulu a ye bekwa uye.

Sā fika kusas' eMahlabaneni. I si neama. Sa-piwa izinkomo. Sa gwaza, sa-dhla. Ya i si tetwa. Y'ak' umkumbi ngapandhle kwo muzi, eggumen' esa-ngweni. Nami nga ngi kon' emkunjini. Kwā bongw' amakosi; e bongwa uNdhlela; no Dambuza ka Sobadhli; no Msiyana ka Mhlana (inceku ka Dingana); no Mpangazita ka Mneumbata; no Xwana; no Sipingo; no Ngceba ka Nodanga (wakit' eLangeni, ubabekazi); no Gaqa ka Mendameli (wa seLangeni); no Ngungwini ka Menziwa; no Mapita ka Sojiyisa; no Tokotoko ka Sojiyisa,—izindun' ezinkulu. Ku kulum' izindun' ezi-nkulu, zo kuzalwa.

A be bongwa oNdhlela, no Dambuza, no Ngungwini, no Mapita, no Tokotoko, no Sipingo ka Rengqwa, no Mpangazita,<sup>3</sup>—ibona laba-ke a ba be kuluma, be bonga. Amadod' a njengō Fukwe; no Mbilini, wa kwa Mtetwa; no Mangena ka Sopata; no Sotobe ka Mpangalala; no Nongalaza ka Nondela, wa kwa Mngunyana, kwa Qwabe; no Zulu ka Nogandaya; no Manyosi ka Dhlekezele; no Xwana ka Ngqengelele; no Msiyana ka

<sup>1</sup> Yonk' impi ya kwa Zul' e pumayo, i tatel' eMahlabaneni. uTshaka wa ye tatela kona. No Cetshwayo, u-lwa no Mbuyazi nje, u tatel' eMahlabaneni (ebaQulusimi); na lap' e-lwa na beLungu, u tatela kona. No Dimuzulu wa ye tatela kona. Izibongo zi ka Mnkabayi, zi ku k. 165.

<sup>2</sup> E kulupele; e tambile.

<sup>3</sup> uSipingo no Mpangazita ba be pet' uFasimba (ibuto li ka Tshaka).

Mhlana; no Ngceba ka Nodanga; no Gaqa ka Mendameli,—kwa knti, lap' imp' i tetwa abakulu, bona be be vakatsha ngapambi kwa mabut' a petwe ibona; be nga teti nxa ku kona lab' abakulu, bo kuzalwa, ekade ngi ba-tsho. uManyosi, no Xwana, no Nongalaza, be be bonga um' abakulu be ngeko.

uManyosi wa ye bonga nxa ku hlatshw' e zo nzimu, eSixebeni,<sup>1</sup> kwa Nomgabi,—

Itung' e li gaba li nga zele;<sup>2</sup>  
Iqalahshu<sup>3</sup> lat' ukuvuka la kwel' intaba,  
Amany' amaqlashu et' ukuvuk' e-us' umfula.

Impi i si ya puma kusasa ku Mnkabayi, i si yo lala kwa Kumalo. I si yo lala ku Mandhlangampisi. I si yo lala ku Magonondo kusasa. I si yo lala ku Putile. I si yo lala ku Nhlapo. I si yo lala ku Maswähla. I si yo lala ku Myambo ka Mavundhla. Ku ya-sa kusasa, i si yo la'l' eGwa. I si hamba ngo kalo lu ka Dedangendhlale. I si yo la'l' oBalule. I si yo la'l' eNkutu. I si yo la'l' eMpama. I si yo la'l' eNzwabuhlungu. I si yo ngena kwe si ka Sikunyan'<sup>4</sup> isizwe. I si yo ngenis' eNkungwini kusasa, umuzi ka Mzilikazi. I si-y' eMhlahlandhlela.

Lonke lel' izwe si li dabula nje, ka si hambi nga ndhlela. Ukudhla kwa si pelel' eNkutu; indaw' e na mahlatshana. Kute kusasa, kwase ku bonw' izinyati ezansi ne Njisuti (umfula). Sa zi bulal' izinyati; sa ngenisa, sa-dhla. Sa-dhla zon' izinyati lezo, ne zimpofu.

<sup>1</sup> Ilap' uZulu wonke e ngo wakona. Iyona nzalamuzi ya makos onk' a kwa Zulu,—o landel' uNobamba (uMbambangwe).

<sup>2</sup> Li nga gewele.

<sup>3</sup> Izololo; iqili, eli sinda lap' umunt' eti li zo ku-fa,—njengo "Cakide bo geololo; uMpepi we zinduku za bafo."

<sup>4</sup> Ka Zwide, wa kwa Ndwandwe.

Si hamba nje, ka ku bonwa mizi ya bantu. A iko. Ka kuko no wodwa. Umuntu, uzot' e hamba, a qabuk' e bon' ilongwe, a li cotshe, abes'e-ti : "Ha! Nal' ilongwe le nkomo!" Kanti ca; e lidala le zinyati. Ku bonw' ubengu (lwe zele), o lu hlutshwa lap' umunt' e-dhl' imfe, bese ku-tiwa "se si fikile," kanti kwa bekwa izinhlolli, e zi hlol' impi ya kwa Zulu, ne ya besutu. Izinduna zase zi-ti : "Se si fikile! Qinisami, ni hambe."

Banigi a base b'ahlulekile ukuhamba; se ku buhlu-nlu izinyawo ne milenze. Bā ketwa-ke abanjalo, ba tshaywa; kwa-tiwa a ba hambe ba goduke. I bi si ya finyezwa-k' impi, ku-tiwe ma i hambe ngamandhla.

Izinkuni za geinwa ku Myambo uku-twala. Kwe li ngapambi kwa lapo, kwa ku basw' utshani; lowo, a be no mlilo wake; lowo, a be no wake. Kuze ku-se ni basa, zon' izibi lezo. Ungqoqwane e kahlele; e mhlope pansi. Kwa ku patw' uwatvi, lu patwa izinduna. Amalongw' ezinkomo a ye nga tolwa ndawo, ngoba lonke lel' izwé e sa si li hamba, izinkomo za zi ngeko kulo. A we zimpofo, ne zindhluzele, ne zindhlovu, a ye tolw' ezindogeni ze mifula; ku be kupela.

Izinduna za zi cobele' insangu, zi beme; zi bong' iNkosi lap' endhle. Ugwayi wa u sikew' ensengetheni, edwaleni, ku nga fikwa kulo. Kuti, nxa ugwayi e nga seko, ku sikh' umsuzwane; ku benywe wona. Impi ya i hamb' ebusuku. Sekuti, la i ngenisa kona, si-mis' izihlangu; si kumul' umfce emqalemi; si cataz' ugwayi; si beme; u mu-pe futi no mngane wako lo o ku bambel' isihlangu sako. O ku lula, ikon' o kwo mfece, ku no kwe tongwane; ngob' itongwane la li hlal' emhezweni wa matshoba. Li kude-ke njalo. At' a nga bem' umuntu, a qabuke; kan' e be sozela kakulu.

Kut' a nga pel' ngwayi, si bem' umsuzwane. Ugwayi

be zinduna be bu patwa nge zihlandhla; bn buningi. Izinduna za zi ba-p' abafana e zi b'aziyo, bo kuzalwa. Si-t' isikulu, (se si qed' uku-bem' igudu) : "Mina, hamb' u yo ku-cima loku." Wena-ke, u bu su raburabula, u kwehlela; u su zo eit' amanzi-ke, igud' u bu su li buyisel' enduneni u su li lungisile.

Ngo kufika kwe-mp' eMhlahlandhlela,<sup>1</sup> u se ya yi vez' eyak' uMzilikazi. Se si hlezina kusasa. I si ya-lwa. A se xotshw' amabandhl' a ka Mzilikazi; e xotshwa iti, tina Zulu. Se si ya lala; si ya ngenisa. Se si tut' abantu bakiti kusasa, a ba be gwazwa impi ka Mzilikazi; si ba fak' ezindongeni.

Kusasa, se si ya buza ko baba, ukuti: "Ni bulawa iqwa nje, li ni bulala nipi na?" Si buz' indaba. "Li si bulal' emuva, eNkutu, lap' uMzilikazi e citeke kona kuqala." Se si ya tula-ke. Si ya lala. Sokuti ku-sa, so ku dabuk' igoda, letu tina mabuto nō baba. Se s'ahlukana nabo. Se si hamba-ke.

A se hamb' ebusuku, tina Mvoko, no Dhlambedhlu, ne Zinyosi. Se si yo zi-dhla pezu kwe Nkomazi. Se si ya zi-dhla-ke lapo, eNkomazi. Se si ya buya, si buyela ko baba. Se si ya hlala kwo Mzilikazi. Si ya ngenisa; si-dhl' amabele. Se si ya hlala, se si ya hlala, se si ya hlala. Si-dhl' izinkom' ezibalekayo, e zi pambana ne-mpi; si zi-dhla kwa Mzilikazi. Ezinye zi-ya pambili; ezinye zi-y' emuva; ezinye zi sezinqabeni. Se si hamba nga maxiba, tina Zulu, kwa Mzilikazi. Se si ya buya njalo; se si goduka, si-z' ekaya.

A i sa buyi nge ndhlel' e si-ze ngayo. I si qamb' enye. I buye ngo kalo lwa Mafa. Yā nqamul' Undi pezulu. I si puma ku Nhlaka ka Dikane (wa seLangeni), be no Sikabalanjana ka Mungei; na ku Kumalo. I si

<sup>1</sup> Umuz' omkuu ka Mzilikazi.

dabula ku Kumalo ; i si y'ehl' eSandhlwana ;<sup>1</sup> i si bang' ekay' eMgungundhlovu.

A base b'ahlulekile uku-hamba, basale be bulawa amankengana, impi yakin' i si hambile. Kwa-tiwa : "A ku buy' izimpetu ! " Lapa kwa Myambo, ku-tiwe "ziboto" ku lab' ababuyayo ; ibon' a bā finyelela kwa Zulu.<sup>2</sup> Ka ba bulawanga luto labo. A bā buya, um' i yo dundubala eNkutu, mdhlana si bon' izilwan' eNjisuti, kwa-tiwa izimpetu, ngoba se be jiyelwe uku-hamba.

Osuk' e njalo-ke nxa ku vukw' ekuseni, kad' i ngenisile, la indun' i-ti kuye ka suk' a hambe, asimze a-ti nje yena : " Ni ya ngi hlupa." U-tsho ngob' e se pelelwé amandhla ; imisip' i nga sek' emlenzeni, ne zinyawo se zi zilonda zodwa, imveve. Abanye nabo se be-ti kuye : " Hamba bo ! " Be-tsho ngamandhla, yen' e kal' izinyembezi, e kala ngob' e s'ahlulekile ; se kw-opa ne gazi ezilondeni lap' et' u ya linganisa. Banningi noko, a ba pika ngo ku-ya pambili, kani ku njalo, be nga vum' uku-sal' emuva.

Mina ka ngi velewanga luto ngi sa-ya pambili, nalapa se ngi buya. Nga ba ne nhlanhla.

Impi, ite i si bang' ekay' eMgungundhlovu, ya i si hlakaziwe, tin' amnyama. So ku hamb' obaba bodwa, amadoda ; a-y' eNkosini, e se-ya ne zinkomo, e se yo kw-abelwa. Se si-y' emakaya tina, emapandhleni. So ku-y' izincek' e zi tandayo, zi-y' eNkosini ; zi yo tol' amatole, ā sala lapa z'abiwayo. Z'akelw' umkumbi pakati, zi nqanyulwe, ku-tiwe : " Bamba, bani ! " Ku nqanyulwe njalo, ku-tiwe : " Bamba, bani ! " Zi kitshwe

<sup>1</sup> Eleqinis' igamu le ntatshana, lap' uZulu w'älwa na maNgisi kona, u-t' uNgidi, ku seFenu (*iFenu*). Le ntab' o ku kulumywa ngay' endaben, sengati enye. Ku fanan' amagamu. Si kon' iSandhlwana e si ngapetsheya kwe Mfoloz' emhlope; si ne nqaba. Abanye bā balekela kona ngo kutsha kwo muzi wa soNdini (*July*, 1879).

<sup>2</sup> Bā-toiwa-luDhlambedhlu, se ku buywa.

ngambil, ngantatu,—ku-tiwe " e zi ka bani, no bani." Zi kitshwe nga-nye, nga-nye, ku-tiwe " e ka bani," " e ka bani," " e ka bani." Bese ku sal' isiqikili sa matole. So ku-tiwa : " Sā," kitina zinsizw' ematoleni. Se be zi bambela, be puma nawo. Se ku utelwa-wa-yeka lowo.

## 19

## IMPI YA KWA MZILIKAZI, KA DINGANA

## II

IYONA le-mpi, e bi punywe itina, e ya cit' izwe ; ngoba sa buya no mLungu, uPiti.<sup>1</sup> Wa bulawa. La citeka-ke. Kwa hlubuk' uMpande. Si butiwe njalo tina.

Impi lena ya i land' izinkomo ku Mzilikazi ; e yo kw-apucwa, ngo kw-ahlulwa. Sa zi-dhla ; sa zi qotuluza ; za ziningi. Sa sindwa izona. Sa-dhla no dadewabo ka Mzilikazi, uNozingwazi no Ntanase.

Mina, ngi " uDulela-ba-nge-zwa, iNsele-ka-Linda-mkonto." Ngi uNdabakadengizibona (iZigulutshane), e za hlanganiswa ne Mkulutshane, ne Hlaba, no Kokoti, kwase ku-tiwa-ke iMvoko.<sup>2</sup> Tina, s'elam' iMkulutshane

<sup>1</sup> Igamu li ka Piti, ngo kwe siBunu, ku-tiwa : *Pieter Retief*. Wā zalwa ngo November, 1780 ; wa-fa (na banye a ye haimba nabo) ngo 6 Feb. 1838 ; be bulawa uDingana, eMgungundhlovu.

A ba kwa Zulu ba-t' amaBunu e-za ku Dingana ngob' e landela zona lez' izinkomo e zā-dhliwa impi kwā Mzilikazi, be-ti ku kon' ezabo pakati kwazo. Lezo nkomo zabo-ke, kwā-tiwa e za marole, ngoba za rof' amaBunu, baze ba fika kwa Zulu. Kant' amaBunu ba be yo zi-zela nje, nom' impi i nga zi-dhlang' izinkomo zabo. A bon' izwe la seNatala l'akiwe kancane, a ye se fun' uku-l'aka-ke. Ba-ya ku Dingana nje, ba yo cela-loko ; nay' indaba ye zinkomo zabo yā kulumywa.

<sup>2</sup> iMvoko ya i no muzi wayo eNhlungwane (intaba), petsheya kwe Mfoloz' emhlope ; nganeno kwa kwa Denge (kwe la kwa Ndwandwe).

emkulu. Si bongwa ngokuti si "iNsele-ka-Lindamkonto," ngoba sa pakwa, sa-ya ku-yo-lind' amaSwazi. uMpande w'éq' uku-za ku Ngalonkulu<sup>1</sup> (emaBunwini), tina si seSwazini.

Ku le-mpi ka Mzilikazi, kwa hamb' iZinyosi, no Dhlambedhlu, ne Mvoko (iMkulutshane, no Ndabakade-nzibona, ne Mihaye, ne Hlaba), emabutwen' amnyama; lwa sal' uKokoti (ngoba ba be sa zeza). Tina, Mvoko, sa si ngapezu kwo Dhlambedhlu ngo buningi. iZinyosi za pela kwa Wambaza, mdhlana ku yo bulaw' uNgwadi ka Gendeyana, wa semaMbedwini, kwa Qwabe.<sup>2</sup>

Tina, Mvoko, sa hamba nal' udibi,—o lwa lu twal' izinkuko, ne zicamelo, ne zigubu, ne zimbiza zo kupeka, ne zipuku zo kwembata. Ukudhla kwa ku twalwa impi yonke; ne zinkuni zi twalwa impi yonke. uNdhlela naye wa zi twal' izinkuni, nokuba zi mbili, ku Dedange-ndhalle (itaf' e li banzi kakulu, enyakato). Kwa twalw' amabele no mbila. Futi, kwa ku qutshw' *uGibiqolo*, umhlambi we zinkomo ze nyama; e za zi butwe ku banumzana bonke, imfambele na magxanxana (izinkatshan' e zimponjwan' e zi nga finyeleli ndawo). E zi pum' eNkosini, nazoz i kona ku lowo mhlabi.

Ku *Gibiqolo* lo, ku fakwe inkomazan' e ne nkonyana (ingabe isitole), e kw-az' uku-kala. I qutshwa nazoz. Kuyoti-ke, la eyakit' impi i si bonana na le ehlaselwayo,

<sup>1</sup> Andries W. J. Pretorius, wa seGraaff Reinet, eKoloni.

<sup>2</sup> uNgwadi wa zalwa uNandi, umina ka Tshaka; "kwa Wambaza," igamu lo muzi wake. Yena wa ye nga i pumile impi (*uKukulela-ugogo*) à-t' uTshaka ma i hamb' i yo hilasela kwa Sotshangana.

Ukuba ba m bulale-k' uTshaka, uMbopa u se tat' impi (zon' iZinyosi lezi) zi kanye na banye, ku kona nab' oDingans no Mhlangana; u se yo bulal' uNgwadi, e m nyonyobela, ngob' uNgwad' e na bant' abaningi. Wa m ngenel' ekuseni ku nga ka-si. Yá-lwa kakulu mhlaboko. Wa bulaw' uNgwadi; wa-fa kódwa naye e s'endhlele kakulu, zon' iZinyosi lezo (za zi nga k'enziwa buto nga leyo nkati).

inkomazana<sup>1</sup> i bi si ye-mukw' inkonyana; inkonyana-ke i yo hamba no dibi emuva. I kale-ke inkomo. I kala njalo, ku-tiwa i tet' impi; i ya yi vusa; i yi qungis' izibindi. I sus' usinga;<sup>2</sup> ba tande uku-fik' eduze ku sa kanya; si-fe si 'bekile; si ba bulale, si 'bekile. Imbo-ngi-ke, uCocozibili, la i si-zw' inkom' i kala kanjalo, nayo i si memez' iNkosi, uMjokwane ka Ndaba; i yi bonga ngamandhla. I qala ngokuti:

"Sikhli! Sikhli! Sikhli!  
Utuli ngo! Utuli ngo!"

(Loku-ke, sengati kuti: "Si zo ba coboza; utuli—nxa se si-lwa—lu tunqe, lu qonde pezulu.")

Kwā pel' izinyang' eziyitshumi si hamba le-mpi ya kwa Mzilikazi. uMpande ne zikulu za kwa Zulu, abadala, à ba yi pumanga bona. Sa puma nge Ngultulazibuya (inyang' e gulul'<sup>3</sup> izibuya). Kwaze kwa-f' uMaquia, (uNtulini ommeane).<sup>4</sup>

Izinyanga zo kwelapa za zi ng'elapi munt' o gulel' endhleleni, ku hanjwa. Ba b'elape be hlez' ipi? Kwe li ka ban' izwe?

Indhlela yo kuhamba sa si yi-zwa nge zinhlozi ze Nkosi; zona-ke, zase zi li hlolile lel' izwe o ku-zo-hlase-lwa kulo, imp' i nga ka pum' emakaya. Ne-mpi le, konke ne mizi yakona, se be yi funde kahle.

Eyakit' impi yā zuzana ne ya kwa Mzilikazi. Emabutwen' a leyo nkosi, ng'az' *iZimpangele*, e za-lwa no Kangela, no Hlomendhlini, ne Ntontela, no Dhlangezwā, no Mgumanqa. Kw'ahlulw' *iZimpangele*. Ya-lw' ezansi

<sup>1</sup> Igama la le nkomo,—"Amabhobulukana, Inhilizyo-nhle ka Somhlola."

<sup>2</sup> Ku tshikiz' amakanda.

<sup>3</sup> Uku-gwengula; kuti futi a ku fane no kw-engula, no ku-kotulula.

<sup>4</sup> Ku qalisw' izinqin' uku-zingelwa nga le nyanga.

no mfula ; tina sa si pezulu. Kwa-lw' obaba, uMgungundhlovu. Tina mabuto, tina Mvoko, ne Mihaye, ne Zinyosi,—a si-lwanga. Bā bulawa kakul' a ba kwa Mzilikazi lapo. Ku lapo-ke la kwa-dhliw' izinkom' a bā-t' amaBunu ku Dingana ezabo,—izinkomo za marole. Izinkom' e za-dhliwayo za zi zining' isibili. Sā ding' umqubi ; impi ya ncane.

uMgungundhlovu wa-lwa nga seNkungwini (umuzi ka Mzilikazi). Sonke tina-ke zinsizwa sa si tukusiwe ; uma ba nga si boni a ba kwa Mzilikazi. Kwa vel' uZulu wa madod' odwa. uMgungundhlovu a u-lwanga wonke. 'Isizebe e si nga-lwanga,—si kanye no Mbelebele, no Fasimba, ne Sipezi, na maWombe, a nga-lwanga. Za-lw' iZimpohlo,—uNgqobolondo, no Fojisa, no Tshoyisa. Tina mabuto, sa vela se be yi susile, kude nati ; se be yi gwaza kude.

Tina zinsizwa, ka si yi nikwa pambil' impi kwa Zulu ; i nikw' amakanjan' amaneane, amakehla ; amadoda,—oMpangiso, no Guqu, no Ntshamate, no Mkandhlou, no Kuwela ; bese ku landel' iZimpohlo. Kwa ku-tiwa : "A yi banjwe ibona a ba nga balekiyo, amadoda."

Ku Dingana, za zi nga yi pum' impi izintombi ; za zi yi puma ku Tshaka kupela. A zik' izintombi e za hamba n'eyet' impi.

Izulu ka li-nanga. Sa li geina kwa Myambo, eGwa ; mdhlana si-dhl' isilulu se sicwe, sa mabele. Izulu la duma kabi nga lelo langa : la kota pansi. Isicwe sitshilo, sa-ti : "Loku ni-dhl' amabel' ami, a noze na wa-dhl' amabele ! " Si-tsho si sempandwini, ezindhlwaneni ze ziduli ; lapa ku lala kon' oKahlambeni.

Impi yakiti ya ihamb' i ngenis' emfuleni, lapa ku kon' amanzi ; na sezikoteni ; na sezihlahleni.

A ba dabuk' ezinyaweni, into a ba be y'esaba kakulu,

izinhlwati za mahlungu, ne nsindwane ; b'enqena futi izigaxana lezi ze nhlabat' e bunjwa imisundu. Izicatulo za zi ngeko, ngoba kwa ku ntulek' isikumba ; kakulu ku sa-yiwa pambil.

Ku le-mpi, mina nga ngi fak' amatshob' ezinkom' emqaleni, a tungelw' oqotweni,—e mixeo. Nga twal' isiqov' esikulu sa manqe, e si nga kete mbala ; si mnyama, si mpofu (amanq' a soPongolo ā mpofu ; lan' a-dhl' abantu). Esiqoveni, kwa ku fakw' unohemu ; ezibomvu, e zite zubu ; e zi fana ne zindwangu lez' ezibomvu. Nga ngi vate umbhembesu (isikumb' e si datshulwa pakati, si qotshame, si-me). Ishilangu sami sa si mnyama, si waba ; umsila waso wa u kaul' emhlatini. Nga pat' imkont' embili, izwa ne sjula. Izwa lami, é nga l'abelwa iNkosi (uDingana), kwa Msiyana, eMfoloz' emnyama. Li se kona. Nga l'abelwa nyakana si yo lind' amaSwazi. Lā betwa kwa Nxumalo. Imikonto ya yi betwa kona ; i twalwe, i letw' eNkosini. Nga ngi twala futi amabeq' ensimango, ngi wa tungel' emqeleni wo mtini—a be ngapambili na ngasemuva ; la a ngasemuva-ke wona, a be made.

uMzilikazi, na bantu bake, ba be vunulis' o kwa kwa Zulu ; ne zihlangu zabo be zi sika kahle. Bā hlubuka pakati kwe-zwe lakiti.

Indun' enkuwu, e ya i pete yonk' impi, kwa ku uNdhlela ka Sompisi,—

"uMzac' o komb' amaNgwane ;

uMwelela kwe li petsheya.

uZinsonge zi ngapetsheya kwo Tukela."

uNdhlela wa be iNtontela ("Amehlo-ka-m-boni"). uNgungwini ka Menziwá kwa ku eny' indun' enkuwu,—

"iNkomankoma, i sembizeni kwa Nandi,"

ngoba wa ye blabana. Wa ye uMgumanqa ("uZandhlela,

itshe lo kudingqa ; uGingqimpi,"—izitakazelo zo muzi wa seMgumanqeni). Eny' induna, kwa ku uMpangazita ka Mncumbata, kwa Ndwandwe. Wa be uBulawayo lowo ; e kanye no Manqondo ka Mazwana, kwa Magwaza, kit' eLangeni.

Nga ngi m azi kahl' uNdhlela. U-f' eMaqongqo. Wa ye mdanyanyama ; e mbalana ; e mkulu nge sipezulu, e fana no Manyosi ka Dhlekezele, wa semaMbateni. Wa ye mnyamana ; e luhlazanyana ; e kanya kancane. U zi tshaya sengati wa ye nsunjwanyana. Wa ye nge nal' ulaka. Nalapa ku bulaw' abantu, wa ye nga vumi. Wa ye tungile. E ngo wa semaBheleni, kwa Ntuli (ka Mavela).

úNdhlela o wa ye indun' enkuIu kuzo zonke ; e ngapezu ku ka Dambuza (uNzobo) ka Sobadhli ; no Sipingo ka Rengqwa ; no Mnyamana ka Ngqengelele. Wa ye twal' izindhlazi e zi imitshivovo ; ezimpofu. Ba vunule nge zikaka ; e si njeng' e so mfazi. Ku tungw' izinsimango, zi hlangan' ezinkalweni izinsimango, ne zinsimba, ne mvuzi. Zi potwe ; zi tungelw' emqotwemi.<sup>1</sup> Ba twal' indwa ngapambili, njengo Tshaka.

§ Le ndaba ku fanel' ukub' i gwallisew nge zibongo zi ka Dingana, e zi ku *Hlangakula*, k. 63. Zi qal' ohlamvini lokuti : "Inkom' e kal' osizini kwa ka Nhlapo," ziye zi geine ku k. 65. 'Ezayo yona le-mpi-ke ya kwa Mzilikazi zonke lezo.

## 20

## IZIBONGO ZI KA DINGANA—III

UMATSHIULANA, o nga zembe lo mLungu ;  
U be nga babel' uku-ya kwa Matshobana,

<sup>1</sup> Loku-ke, ku-tiwa, ogungube.

## IZIBONGO ZI KA DINGANA—III

## 123

U be yo cel' inkwelo eMhlahlandhlela,<sup>1</sup>  
Eti kumbe ba nga m 'tshwekela.<sup>2</sup>  
Isihlangu si ka Mzilikazi,  
Sa sal' entaben' ende ye Mpama,  
Se si swele ne ndod' e si tatayo.

uMancwaba we-zwe la mapetelo,<sup>3</sup>  
Lona li newaba<sup>4</sup> nge mikemezel.  
uVezi<sup>5</sup> ba-t' umoya mnandi, ngo ku-nuk' inyama.  
u'Bungebu,<sup>6</sup> o nga boyo be ngonyama.  
u'Vez' u ya dhlala, umhlandhl' u vele,  
Ngo ku-swela qoqo li m sitayo.<sup>7</sup>

iZibuko li ka Ndaba,  
E li madwal' abutshelezi ;  
La tshelel' uPiti ne ndodana.<sup>8</sup>  
O-dhl' uMzibelibeli,<sup>9</sup> ku Mabunu ;  
Wa-dhl' uPuzukuhlokoza, ku Mabunu ;  
Wa-dhl' uHwahwini, ku Mabunu ;  
Wa-dhl' uJanomude, ku Mabunu ;  
Wa-dhl' uJanejembuluki, ku Mabunu ;  
Wa-dhl' uMazinyansasa, ku Mabunu ;  
Wa-dhl' oSisini, ku Mabunu ;

<sup>1</sup> uMhlahlandhlela úmuzi ka Mzilikazi ; inkwelo, ku-tshiy' ikwelo,—e li hlatsiwa amabuto, b'enza kanyekanye, nxa so ku sondelenwe nempi o ku zo-liwa nayo.

<sup>2</sup> Nxa ikwelo li betwa kanyekanye áabant' abanigi, úkutshwekela-ke loko.

<sup>3</sup> Emikaulweni ye-zwe.

<sup>4</sup> Li luhlaza (utshani balo).

<sup>5</sup> Ku-tiwa wa vez' abantu ngo ku-bulal' uTshaka ; ba buyela kuyena.

<sup>6</sup> Ngob' e ne mbung' eningi, entanyen' emuva.

<sup>7</sup> Wa ye dhlalet' obala ; iqoqo, ku-tshiy' e la bantu ; iviyo.

<sup>8</sup> uPiti wa-fa ne ndodana yake, mhla e bulawa uDingan' eMgungundhlovu.

<sup>9</sup> O-b = 'b. Lel' igamu, kanye na la alandelayo, á ku won' a we qiniso. A ba kwa Zulu ba-be nga w'az' amagam' abo.

Wa-dhl' imhlop' i mbili,  
Omunye ku nguPiti, omunye ku nguNoziwawa.  
uMkwamude,<sup>1</sup> wa ngi sik' isilevu,  
uSungulo, Iwa ngi tung' impumulo.  
iNdira<sup>2</sup> lebabayo,<sup>3</sup> e njenge sibara,  
Sona si mababa ku maHatshanga.<sup>4</sup>  
uVezi ngi m funyene be m zila,  
Ngafike nga mu-dhla;  
Kanti ngi zi fak' iloyi<sup>5</sup> sesiswini.<sup>6</sup>  
Vezi, kwo-f' abantu, kwo sal' izibongo,  
Izona zo sale zi ba dabula;<sup>7</sup>  
Izona zo sale zi ba lilel' emanxiweni.  
uJonono, u be nga ntonga ye zulu.  
iBaka<sup>8</sup> la manzi, la oNdiKidi,  
Li sibekel' inkomo za maSwazi, za nyamalala;<sup>9</sup>  
Ne zi mpondonde,<sup>10</sup> za nyamalala;  
No Ngwane ka Zikode, wa nyamalala.  
O fingq' amehl'<sup>11</sup> etunzini le ntaba,  
Wa nga bazingeli ba kwo Nogenya,

<sup>1</sup> Umukwa, ummese; umkont' o nqunyw' umsuka.

<sup>2</sup> Ku kon' umuti wo kwelapa, o bizwa kanje.

<sup>3</sup> U-lapa, u ngeniswa ngabomu, ngoba ku nga hambisi kamnandi ukuti; iNdira ebabayo.

<sup>4</sup> Sengati ku patw' a maBunu lapa; ingabe ku-tshio ngoba, nxa be hamba, kwa ku hatshaz' amabulukwe. Kwa ku-tiwa futi, amaBunu, imiHanga; amaQadasi.

<sup>5</sup> Iyolo; umunt' o-dhl' ukudhla, nxa ku-f' owakubo, (inkom' i nga ka hlatshwa, e nga ka telwa nge nyongo yayo), ku-tiwa-ke lowo, idhlakubi; u zi bangel ukufa, u zi fak' iloyi.

<sup>6</sup> U-e wakuqala lapa, u fana no l, la ku-tiwa: iNdira lebabayo. Bek' ukucaza 3.

<sup>7</sup> Dabukisa.

<sup>8</sup> Ibanga (ibhang); isigub' esikulu, so selwa. Ku kuluma nge baka nje, ku-tshiw' impi. uNdiki, o ka Jama ka Ndaba.

<sup>9</sup> Zä nyamalala ngob' impi yä zi-dhla.

<sup>10</sup> Zo 'belu; "uSatu o lu mpondonde."

<sup>11</sup> Wa w'akel' umkanya. Kuye ku-tiwe futi: "O fie' iso."

E be be zingel' izimbongolwana.<sup>1</sup>  
O 'bambat' iNgome<sup>2</sup> ngapezulu,  
Za pum' izinkomo zi ka 'Beje, za m landela,  
Zi pume zi mnqini zonkana.  
uPeqe,<sup>3</sup> o nga kumana kwa maqikiza.  
uMsutu o wa-dhla nyosi, z'emukela,  
Abanye be zi-dhla, zi ya zalela.<sup>4</sup>  
uVezi, o wa-dhl' ezivezayo:  
O wa-dhl' e zi ku Mandeku,<sup>5</sup>  
Ne zi ka Guluzana, wa kwa Manaba;  
Wa-dhl' e za oMgqueren, kwa Nonkonkela,  
Ne za soPondweni, emaNzimeleni.

## 21

## UKUHAMB' OLWANDHLE

[Mhla ku-lw' imp' enkuIlu ya beLungu (1914-1918)]

## I

Kwāti, ku hlezwi nje, ngo August 1914, se-zwa ku-tiwa amaNgisi (e kanye ne zizw' ezinye) a xabene na maJalima, nawo e hlangene ne zizw' ezinye. Se ku-liwa kwe

<sup>1</sup> Ku Hlangakula, k. 63, ku kon' uhlamu o lutu:

"Wa nga ngabazingeli ba kwa Mayela,

E be be zingel' izimbongolwane."

Izimbongolwana, izintutwan' ezimnyam' ezindizayo; e zi puma nxa li balele.

<sup>2</sup> Le ntob' i nga kwa Nongoma, kwa Zulu.

<sup>3</sup> Kumbe ku-tshio ngoba, nxa e-mi, umzimba wake wa uti 'twi!

<sup>4</sup> Mhlaumbe ku-tshiw' iZinyosi, inkwebane ka Tshaka (iNgobinga); ngoba wā bulawa qed' uTshaka, uDingana wa ye se yo hlasel' uNgwadi, kwa Wambaza. iZinyosi-ke zi nga ku Ngwadi. uDingana wā zi tshaya wa zi qotula. 'Bek' ukucaza 2, ku k. 118. E zä salayo-ke iZinyosi lapo, z'emukela, ngoba ze-za kuy' uDingana; za ba ibuto lake.

<sup>5</sup> Lo, mhlaumbe, o wa kwa Mlambo, enhla ne-zwe.

li ngapetsheya. Kwase ku fik' izwi la kwomkulu eMgungundhlovu, lokuti, inDhl' eMnyama nayo i nga sali; i yi ngene le-mpi; i-lwe nayo. abeLungu ba-ti-ke natu, ba kwo Mpofu ka Wohlo,<sup>1</sup> a si-lwe.

Kwa bonakal' ukuti-ke le-mpi, e si menyezelwa yona ngempela, e ya se*East Africa*; ngoba nalapo kwā-tiwa ku kon' izwe e li buswa amaJalimana. Mina-ke, o ngu-Fulenge ka Mpofu, nga ngi nga funi ngokwami uku-ya ku lelo-zwe, ngob'abantu ba be bulawa ukufa, ngi-tsho noma be nga ka finyeleli kona; be nga wa bonang' ama-Jalimana. Ngati, o ku ngcono, uku-sebenz' ezitimeleni —lez' e zi hamb' emanzini.

Nempela, nga wu tol' umsebenz' ezitimeleni. Nga hamba ngo mkumbi, o bizwa ngokuti u*Mangola*. Nga sukel' e*Tekwini*, nga-y' e*Cape Town*. Ngā pum' e*Tekwini* ngo *June 1916*. Ngite ngi fik' e*Cape Town*, impi ya i qin' impela. Nga ng'esaba; kodwa ngi nge na ku-nceda, ngoba nga ngi vumile ukuti ngo sebenz' emanzini.

Umsebenzi, emanzini lapa, uku-basa pansi, pakat' emkunjini, ukuze ku suk' izinsimbi zi hambe,—izinsimb' e zi gwedhl' umkumbi.

Sā suk' e*Cape Town*, sa-y' e*Saint Helena*. Ngite ngi fik' e*St. Helena*, kwa ku kubi. Nami nga zi sola ngi fika kona. Kodw' indoda, e nguKapteni, ya i lung' impela. Izwe la se*Saint Helena* li isiqingi; kwake kwa botshwa kona (ngo 1815) inkos' enkulu ya ma-Fulanshimana (*French*), u*Napoleon*, yaze ya-fela kona ngo 1821. Sa si nga kw-azi no ku-pumela ngapandhle. Sa tshiyi lapo.

Site, si sa tshiyil' izinsuk' ezimbili, nga bon' isitimela. Sa si fakw' iduku la maNgisi, le sitimela (*Union Jack*).

<sup>1</sup> Henry Ogle,—umLung' o wā fik' e*Natala*, ngo 1824, e hamba no Febana no Mbuyazi.

Kute, nga sona leso sikatshana, nga bona so ku ndiz' iduku la maJalimana; se li ngaseko leli la maNgisi. Base be vntel' umbayimbayi ngapambili kwe sitimela setu. Inhlamyu ya tshaya ngapambi kwe kanda le sitimela; i tshay' emanzini. Sē-ma.

Base b'ehlis' isikebe, si ne nduna yakona, na banye. Se-za ko wet' umkumbi. Ba buza ku Kapteni, lo wakiti, nkut' u-ya ngapi. Wa-t' uKapteni u-y' Engilande. Ba buz' nkut' u tweleni. Wa-ti: "Ngi twel' umbila." Ba m nik' indhlela yokuti ma hamb' a-y' e*Sierra Leone*. i*Sierra Leone* izwe e li sendaweni yakona kwe lakit' eAfrika—enhla nalo kačulu.

Kute ku njalo, base be tat' ukudhla e sa si nako esitimeleni, o ku njenga ne zinkwa, na mazambane, ne nyama. Ba-ti-ke, a si hambe. S'ahlukana nabo, sa hamba.

Kute, ngemva kwa masont' amabili, sa hlangana no manola,<sup>1</sup> isitimela se-mpi, e si nō mbayimbayi. Umanola wa ye blezi nje; e 'bekile, e 'bek' o-submarine.

O-submarine labo, imkumbi e kw-az' uku-tshona pakat' emanzini ingab' i sa bonakala nakancane ngapandhle; i si zo tshuza-ke lapo, i-ye lap' i tanda kona. Leyo mkumbi-ke, e ye-mpi nayo; i twel' ombayimbayi. Futi, i pet' o-torpedo, izinto ze nsimbi, e ziti a zi fane ne mqulu yo gwayi, emide; kepa-ke kona, ku cijile ngase-muya na ngapambili. Lezo zinto-ke zi fakw' emanzini; zi fana ne moto nje, ukuti nxa u ku vulele, bese ku zi gjimela nje kodw' emanzini. Kuti, ku nga hlangana ne sitimel' esinye, bese ku quma, ku si bulala leso sitimela.

Umanola lowo wa si pelekezelə, wa yo si bek' e*Sierra Leone*. Bakiti, nga ng'esaba kabi. Ukuba nga ngi qonda kahle, nga ngeke ngi wu tate lo msebenzi.

<sup>1</sup> Man-of-war. Umkumb' omkulu wo kulwa.

Kute, ku izinsuk' ezimbili si fikil' eSierra Leone, ngā qabuka ngi bona ku ntant' abant' abafileyo emanzini. Ba be baningi, be ngapambi kwe tshumi ; kodwa a ngi ba balanga. Ngiti kwa ku abant' abamhlope bodwa ; ba bulewe i-submarine kwe siny' isitimel' a bā si cwilisayo, kona se ku seduz' eSierra Leone. Ba ntanta ba ntanta, be se-zwa ; ba ntanta ba ntanta, baze ba-fa.

Wa si biz' uKapteni, wa-ti : " Ni ng'esabi, bantabami. Si za u'fika lapa si-ya kona. Ku yo dhlul' izinsuk' ezimbili si like." Po-ke, sa si lamba. Sa si-dhla won' umbila lo, e sa si wu tate kwe lakiti. Sa si wu pek' izinkobe, amaJalimana ā s'amuka konk' ukudhla kwetu, kwa sal' umbila e sa si wu twele ; kwa sala wona wodwa. Iwona o wa u si siza, ngoba si-dhla wona.

Indoda ya si biza, ya-ti : " Ize, zingane zami ; ku ya-liwa ! Ni ng'esabi. Noma si nga-fa, si-fel' empini." Nempela-ke, saze sa finyelela lapa si-ya kona, eSierra Leone.

Site, si fikile kona, indoda ya si nik' ompondwe, ya-ti a si hambe si-ye ngapandhl' emzini wakona. Igamu lawo, ku-tiwa *Freetown*. Lowo muzi-ke u ngang' o wa se-Mnambiti nje. Izitimela za zi ziningi e sa zi bona zi-mise kona. abeLungu ba b'enqab' uku-hamba nazo ; ngi-tsh' abeLungu a ba sebenza ku zona. Kwa ku gewel' ijele.

Nami nga ngiti ngi za u'hlala kona. Ka nga bona kodwa ukuti ku yo sizani ; ngoba, ba si valel' ejele njalo, ba si neitsh' ukudhla ; badhlule ba si tshay' emhlane ma si nga vum' uku-sebenza. Kwat' ukuba si bon' ukuti ku njalo, sa hamba, sa pindel' emkunjini. Wa ye se-t' uKapteni wetu, a ku sizi luto uku-hlal' ejele ; o ku ngeono ukuba si qubekele pambili, si-y' Engilande.

Nempela, ngo kupela kwe zinsuk' ezitshiyagalolunye, abeLungu ba seSierra Leone ba si nik' ukudhla e si zo

hamba si ku-dhl' emanzini. Sa suka. Izitimel' e sa suka nazo kanyekanye, za zi ngamatshum' amabili ne zitimel' ezitatu. Izitimela ze-mpi, omanola, e za zi si pelekezelə, zi si 'bekile, za zi isikombisa. Kwa ba imikumb' e matshumi matatu, i si pela yonkana.

Site si sukile, ku sa dhlul' izinsuk' ezimbili nje, sa bona se si bizwa uKapteni ekuseni, ngo kupuma kwe langa, u se-ti : " Qapelani, bantabami, nasi isitimel' e si hamba ngapansi kwa manzi," e-tsho i-submarine. Wa-ti a si fak' amabantsh' a okoko (*cork-belts*)—ku fakisw' o kwe bantshi. O fake int' enjalo-ke, noma si cwil' isitimela, u yo ntanta yena ; ngek' a cwile, a tshone pakat' emanzini ; angaz' a bulawe indhlala kupela. Ya si qoqela ndawonye sonk' indoda ; ya i si tandaza. Yati : " Zingane, noma si cwila, si-lwel' iNkosi yetu."

Ngaso sona lesò sikati, indod' i sa kuluma nati, nga bona se ku tshon' esiny' isitimela e si nga sesandhleni sokuponsa kwe setu. Kwase kuti ngaso sona lesò sikatshana futi, so ku cwil' eziny' ezitatu e zi ngapambi kwe setu. Sa bona kaloku ukuti si sebubini obunzim' isibili, i ngeko ne ndawo lapa si nga balekela ngakona, ngoba ku ulwandhle indawo yonke. Kwati futi, nga sona lesò sikati, sa bon' isitimela e si hamba pansi kwa manzi (sona lesi—i-submarine, e si tshaya lez' ezinye) se si pumela ngapandhle. S'anel' ukuti 'qamu nje, base be si dubul' abakiti. Ka ba si tshaya kodwa. Sabuye sa cwila kuko loko.

Ya i si-t' indun' enkulu ka manola, ma zi-me zonk' izitimela, zi nga hambi. Nembala, ze-ma. Kute, zi-mile, ba suka ba hamb' omanola a ba isitupa be yo zingel' i-submarine. Kwa sala wa munye, u sal' u 'bek' imkumb' eminye le, e kanye no wetu. Kwa dhlul' isikatshana, kwat' ukuba ku tshay' isikati sa madina (*dinner*), sase si pumil' isitimela sa maJalimana pansi kwa manzi. Ba vul'

iduk' elimhlope. Ba li pakamisa. B'anel' ukw-enze njalo, a ye se dubul' amaNgisi, e dubul' ombayimbayi. 'Qū! 'Qū! 'Qū! Ba si tshaya, ba si bodhloza; sase si ewila si-ya pansi. A bā sindayo lapo, batatu kupela. Ba tatwa uyen' umanola lo wakiti.



Si vinyelwe a ba se [Topical Press Agency.]

**o-SUBMARINE.**

A ba be-lwa ngak' olwandhl' amaJalimana.

Să suka lapo. Kw-eq' isonto la linye, sa fik' Engilande. Sa fikel' emzin' omkulu, o ngapezu kwayo yonk' imiz' eminye yo mhlabab,—eLondon. Sa fika ku kub'

impela na lapo. Ngob' imizi ya sEngilande be be yi tshis' amaJalimana, be yi qumisa ngō mbayimbayi, na nga mabhomu (*bombs*) a vel' ezulwini; a ba ndiza nawo. Isikati o kwa ku punyulwa ngaso, ku semimi; ngob' ebusuku, kwa kuti, ku nga qal' uku-rwelela, abes'e fikile.



Si vinyelwe a ba se [Topical Press Agency.]

Nali-ke i-bomb e la-wiswa amaJalimana eLondon. Li petwe ipoyisa lakona (eLondon).

Kuze ku-se; ku be ikan' e mukayo. Ehe, bakiti! Ngi li hambil' impel' ugobo.

Ngā hlal' itshumi le zinsuku ne zinsuk' ezine, kwase ku-tiwa a ngi hambe ngi pindel' olwandhle. Kwa-tiwa, ma ngi nga tandi, kuhle ngi balwe, ngi butwe, ngi be ibuto le Nkosi. Nga ngi-zwa belu ukut' izinsizwa zi

ya-fa, kon' empin' enkul' e-lw' eFrance. Ngati a ku sizi luto ; kuhl' ukuba ngi buyel' emsebenzini wami lowo wo kubasa.

Nempela, nga lona lolo suku, nga hamba nge sitimel' esinye, e si bizwa ngokuti : *Indeeman*. Sa qond' eFrance. Isitimela lesu sa si twel' izinhlamvu za ombayimbai. Site si fik' eFrance, (lelo-zwe li seduze ne la sEngilande), sa fikel' emzini wakona wa seBoulogne.<sup>1</sup> Na kona lapo kwa ku tshisa, ku kubi.

Kwa kuti, kon' emini, ilanga li balele, a fik' amaJaliman' a ndiza pezulu ; a-wis' izinhlamvu e zi twelwe izinqola zabo, lez' e zi ndiz' emoyeni. Iti-ke, i nga-w' inhla-mvu, i bi si quma, i ku tshay' i ku sakaze konk' o ku seduze nalap' i-wele kona. I bulal' izindhl' eziningi. La i-wa kona, a ku sindi muntu ; ku-fa ne mbokodwe ne sisekelo.

Kwati, si sa hlezzi nje kona lap' eBoulogne, insizw' enye e sa si basa nayo emkunjuni, ya vakatshela pakati kwo muzi ; kwase ku-w' inhla-mv' endaweni la ya i kona ; ya quma, ya yi bulala. Ya ikad' i-te leyo nsizwa a si hambe nayo, si vakatshe. Ukuba mina nga vuma, ngiti nga ngi ngaseko namhlanje. Insizwa le ya i semgwa-qweni ; ku semini nje, i langa li balele. Bakiti ! Sa si hamb' ebubini.

Kute, nga lona lelo langa, sa puma, sa qond' Engilande ; si yo tat' eziny' izinhlamvu. Nga-ti : "Ca ! Kuhle ngi baleke." Kepa-ke, kwa ku nga sizi luto ; ngoba na semanzini kwa ku kubi, na sezweni eBoulogne ku kubi. Isitimela site se si zo puma, nga baleka, nga yo catsha. Nga bacel' emashedeni,<sup>2</sup> kon' eBoulogne. Nga lona lolo suku, a ngi bamb' amapoyis' akona. A ngi bamba njalo, isitimela sami sase si hambile ; se si ngi tshiyile. Ba ngi valel' ejele.

<sup>1</sup> 'B. i-map. k. 138.

<sup>2</sup> Sheds.

Ngite ngi valelw' ejele, kwa-tiwa a ngi kete ukuba ngi tanda kupi, no ku-y' empini, no ku-y' olwandhle. Nga ngi ng' azi ukuba ngi zo-tini. Izwi e nga vela nalo, e-lokuti ngi ya gula. Kwase ku landw' udokotela nga sona lesu sikatshana. Udokotela-ke yena wa-ti a ngi na luto.

Base be-ti-ke a ngi hambe ngi-y' emanzini, ngob' umsebenzi wami, ezikatini zonke, kwa ku ngowakon' emanzini. Ngase ngi cel' uku-pindel' esitimeleni sami ; nga cel' uku-hlal' izinsukwana kuze ku buye sona. Ba vuma ; base be ngi buyisela kon' ejele ; ba-ti ba yo ngi kipa ma so ku fike lesu sitimela. Nembala-ke nga hlala, nga qed' izinsuk' ezisikombisa. Sa buy' isitimela. Base be ngi tata, ba ngi pindisela kuso.

Induna ya lesu sitimela, ya i lungile. Ya-ti ngi ne ngqondo. Ya-ti kimi : "Hlala nje esitimeleni la ; a ku sizi luto uku-y' empini. O ku ngcono, o kwa kona la, ngoba les' isitimela si neane. amaJalimana ka zi nakile lez' ezincane ; a bulal' ezikul' izitimela."

Wa-t' uKapteni : "Isitimela si-dhl' ama-hour ayisi-tupa nxa si sukel' eNewhaven si-y' eBoulogne,<sup>1</sup> kuhle-ke ukub' u hlale nje kon' esitimeleni ; kuyoti nom' u velelwa ingozi, u nga ntant' emanzini uz' u pumele ngapandhle." Nga bon' ukut' i qinisil' indoda.

Kodwa-ke, ku njalo nje, za zi ningi isitimel' a ba be zi bulala ngapambi kwo buso bami. A ngizange ngi bon' ut' olubi esitimeleni e nga ngi ku sona. Ngā qed' izinyang' ezintatku kuso, ngi nga boni luto nga lesu sikati.

Ma ngi seBoulogne, nga ngike ngi ba bon' abant' abamnyama, okungati a ba seAfrika. A ngi kulumanga nabo ngi sa qal' uku-b'elamela. Ngize nga bonana kahle nabo kamuva, kade ngi hambile nga-y' Englande :

<sup>1</sup> 'BeK' i-map, ku k. 138.

ngabuye nga pindela kon' eBoulogne. Nga be-zwa be kulum' isiSutu. Nga buza, nga-ti: "Sa ni bona, madoda! Ni puma ku lipi na?"

Kwase ku vel' omunye pakati kwabo o wa ye puma kona kitu kwa Zulu. Wa-ti: "Au! Wetu! U-dhl' olwakit' ulimi?" Wa-ti: "Wena, u puma ku lipi?" Nga-ti: "Ngi puma kon' ekaya, eNatala." Wa buza, wa-ti: "Isikat' e si ngakanani u la?" Nga-ti: "Ngi ne myayk' embili." Wa-ti: "A w-esab' uku-sebenz' emanzini?" Nga-ti: "Ngi y'esaba; kepa, a ngi na ku-needa, ngoba nga 'bala.' Nga-ti: "Ku ya fana, njeng' awe nje; ngob' a nga fik' amajalimana, a-wis' ubhomu,<sup>1</sup> a ku bulale." Wa-ti: "Nempela, iqiniso lelo. Akuko la ku nga balekelwa ngakona."

Wa buza kimina, wa-ti: "U y'azi lapa ngi nga tola kon' insangu na?" Nga-ti: "U zo kw-enzani nge nsangu?" Wa-ti: "Ngi zo qed' isizungu. Ngoba ma ngike nga bema, ngeke ngi katale nga luto. Nginyaye ngi fike lap' i-lwa kona." Nga-ti: "Ngi ya kw-azi kodwa uku-yi-tol' insangu; ngi nga yi tol' endhlini lapa ku tengiswa kon' imiti."<sup>2</sup> Wa-ti: "U qinisile? U nga yi tola?" Nga-ti: "Ehe! Ngi nga yi tola."

Wa-ti: "Wetu! Bamba la!" Wa-ti: "Xawula!" Sa xawula. Wa-ti: "Kuhle no ku-bon' abantu bakiti u hamb' izwe. Wetu! Kahl' ingeozana." Wa ye se hamba, e-y' ekamu lake; wa-ti u zo buya kona manje. Nempel' u hamb' umzuzwan' omnecane. Wa buya. Wa-ti: "U nga yi tolapi?" Nga-ti: "Ngi nga yi tol' Engilande." Wa-ti: "Au! Be ngiti u zo yi tola kona la?" Nga-ti mina: "Ca! Ngi nga yi tola kanjani, ngoba ka ngi kw-az' uku-kulum' ulimi lwabo (lwa maFulanshimana<sup>3</sup>). Wa-ti: "Ku lungile, Ndaba."

<sup>1</sup> Bombs.

<sup>2</sup> Invikilli le chemist.

<sup>3</sup> French.

Wa-ti: "Nang' umpondwe; u ngi size, u bnye nayo." Nga-ti mina: "U bem' insangu?" Wa-ti: "Ehe!" Nga-ti: "U ya y'az' insangu ukut' i did' umngqondo?" Wa-ti: "A yi wu did' owami. Ma ngi yi bemile, no mmeli angek' a ng' enze luto nge ngqondo yami, ngoba mina i ngi nik' eny' ingqondo."

Nga m tat' umpondo. Nga-ti ngi zo buya nayo. Isitimela e nga ngi sebenza kuso sa puma nga lona lelo langa, ntambama. Nga fik' Engilande. Nga yi teng, insang' uqobo Iwayo. Nga yi teng' ema-chemist. Nga buya. Nga m bona. We-za kimin' e gjijima. Wa-ti: "Sa ku bona, wetu! U sa pila?" Nga-ti: "Ehe! Ngi sa pila."

Wa-ti: "U ku tolile lok' okwami?" Nga-ti: "Ca, wetu. A ngi ku tolanga." Wa-ti: "Hau! U ngi tembiselani?" Wa-ti: "Ip' imali yami?" Nga-ti: "Woz' u zo yi tata." Si kuluma njalo, si ngapandhle kwe sitimela, ewofu.<sup>1</sup> We-za-ke; sa hamba naye sa-y' esitimeleni. Ngase ngi yi kipa-ke insangu; se ngi m nika. Wa jabula kabi; wa citshe wa ngi qabula.

Wa-ti: "Wetu! Li cobele!" (E-tsho nje, ngob' igudu lona la li ngeko lapo). Nga-ti: "A ngi yi bemini." Wa-ti: "Au! U isipukupuku! A u wu bemini umuti wa manxiwa?" Wa-ti: "A ngi na ku-li-tol' ipipi ngi yi gandele."

Nga-ti mina: "I bope nge pepa; u yi bemise ku ka sigaleti."<sup>2</sup> Nempela, nga m nik' ipeda. Wa yi bema. Nga-ti: "A u yi xubanisi no sigaleti?" Wa-ti: "Ca! Ngi yi bem' isiZulu. ámaBusumana a yi fak' ugwayi." E se qedil' ukubema, wa-ti: "Wetu! I ngi dakile!" Nga-ti: "Ingati u umbemi wayo? U su dakwe kanjani?"

<sup>1</sup> Wharf.

<sup>2</sup> Cigarette.

Wa-ti : "Ngoba ngi ya yi qala." Ngase ngi m nik ukudhila. Wa-dhla. Wa-t' a si hambe si yo puza. Nga-ti : "Ca ! A ngi tandi tshwala, funa ngi dakwe, kanti ngi sa sebenza." Nga-ti : "Ma u yo puz' utshwala manje, u zo dakw' impela, ngob' u xubanise ne nsangu." Wa-ti : "Wetu ! A ngi dakwa." Wa-ti : "Ngi umgovu."<sup>1</sup> Wa.ye se-ti : "Sala, wetu ! Ngi zo ku bona ntambama."

Kut' e pumil' esitimeleni, we-m' ewofu. We-m' e hleka yedwa. Ngiti we-m' ama-hour amatatu e hleka, ku ngeko munt' a hleka naye,—e dakwe insangu leyo. Ngase ngi-ya kuye. Nga-ti : "Ini wetu ? Uhlekani kangaka ?" Wa-t' : "Insang' i ngi pupisile." Nga-ti : "Ingati u-te u ne ngqond' e yahlul' ummeli um' u yi bemile ?" Wa-ti : "Ng' enziwa ngob' i ngamalongwe."

Wa-ti : "Ize, wetu." Nga-ti : "Uzobuy' u yi beme ?" Wa-ti : "U cabang' ukuti ngi zo yi cita ?" "Ngi-tsho ngob' i si ku pupisile." Wa-ti : "Ng' enziwa ngoba ngi ya yi qala ; isikati si kulu ngi nga yi bemi." Sā tshiyana lapo. Wa hamba, wa-y' ekamu.

Kwa fik' eny' insizwa yo mSutu kimina nga kusasa. Wa buza wa-ti : "U yi tatepi insangu e dakisa lo muntu wakini ?" Nga-ti : "Ngi m tengel' Engilande." Wa-ti : "U nga ngi tolela yona ?" Nga-ti : "Ngingeke ngibuye ngi m tengel' umuntu, ngoba le nsizwa yakiti ite a yi gaywe isitimela, i-mile." Wa-ti : "Ca ! Ka ngi fani naye. Ngob' u ngi nikil' ekuseni namhlanje, nga yi bema."

Wa-ti : "Ngi size wetu ; ngi yo ku rolela." Nga-t' : "Insangu a yi lungile ; i zo ku pupisa." Wa-ti : "Um' u yi tenga, wa fika nayo la, u ng' enz' imal' eningi kabi." Nga-ti mina : "Ca ! Mina ngingeke ngi kw-enze loko. Ngob' insangu i nga m bulal' umuntu."

<sup>1</sup> Int' e na mandhla kakulu, e njenge silwane.

Nga-ti : "Izolo, lo muntu wakiti u be-mi lap' ewofu, ukuqedha kwak' ukubema ; e hleka yedwa, ku ngeko munt' a hleka naye. Bonk' abantu be be-m buka, be-t' u ya hlanya, kepa yena e nga katali neze nga bant' a ba m hlekayo ; u be zi hlekela yena yedwa nje. Abantu ba hleka yena, yen' u hlek' ubala ; e zi hlekela yedwa."

Ba ning' abantu a ba pum' eNatala, na seKipi, na ku beSutu, na maTshangana, na baVenda, e nga ngi kuluma nabo. Zonk' izinhlobo ze-zwe lakiti za zi pelele kona ; zi zo kw-etul' izinhlamvu za ombayimbayi, e zi pum' Engilande zi-y' eFrance, zi letwa imikumbi.


## 22

## UKUHAMB' OLWANDHLE

## II

SABUYE sa pindel' eNewhaven ; (ngi se ku *Indeeman* njalo lapo). Sa pum' eBoulogne ne zitimel' ezimbili. Sa hlangana ne ziny' ezimbil' olwandhle. Kwati ntambama, sa fik' eNewhaven. Ya i si-ma yonk' imikumbi, le eyisi-hlanu, i lindel' idobelua ukuba li gewale ; bese si ngena kanyekanye sonke. Kanti ku leyo ndawana kwa ku kon' i-mine.

I-mine lena, into e ya yi fakwa amajaliman' emanzini. I fana ne sigubu sa manzi, kepa-ke yona, i nkulu kakulu ; i ngange mbiza yo tshwala, nom' i nga ngapezulu. Emanzini lapa, i ya ntanta. Iti, ma i hlangene ne sitimela, i qume ; i bulale yonk' into. Izitimela lezi ezisihlanu, e sa si zo ngena nazo, sa fikelwa i-mine esinye ; i-mine



i-MAP ye-zwe la sEngilande, na mazw' amanye a ngakona.

leyo i ntanta. I si quma njalo, i qunyiswa isitimela, ngoba si tshayene nayo si nga yi boni.

Sā-fa lesi sitimela. Ngo kuquma kwaso, (si qunyiswa *i-mine*), amapizel' aso a gxum' a-ya pezulu, a ye se zo-wela kitina, kwe set' isitimela. Wa u su tshon' emanzini njalo lowo mkumbi, ngaso sona lesi sikati. Abant' a ba be kuwo ba-fa, ba pela bonke. Nga tol' ukwesab' okunzima mhla kwa loko.

Sā ngena ngapakat' emzini ku nga ka bi sikati so kuba si ngene. Emihleni, ku ngenwa ngo kugewala kwe buya. U bulawe qede lowo mkumbi, kwase ku fik' omanola. A ba sizanga luto kodwa, ngob' indaba ya i si dhlulile; isitimela se si ewilile; ku nga sa bonakali luto no lu nei.

Kute, kusas' ekuseni, sa bon' isitimel' *esikulu*, si gewel' amabuto (amasotsha). Sa si pum' eFrance, si qond' Engilande. Sa si ngapambili kwo muzi wa seNewhaven. Lowo mkumbi wa u na makul' a tobemunwemunye (900) a masotsha. A si bulal' amaJalimana; e si qumisa ngo ku-si-tshaya nge *torpedo*.

*I-torpedo* into e nje: Umuntu u yi dedel' emanzini, i bi si zi gwedhla; i zi hambele nje emanzini, ngob' i nō pepel' o zi gwedhlayo. I si zo tshuza-ke, i qond' endaweni o funa ma i-ye kuyona, njenge sitimela nje; iyoti-ke i nga betana naso, i si qumise, si-fe, si hlakazeke.

Kodwa, ngiti mina *i-torpedo* i ngecono ku ne *nine*, ngob' *i-mine*, ma i quma, ku-fa wonk' umuntu konakona lapo, masinyane. Isitimela, ma si qunyiswe nge *nine*, si ya hlakazeka. A u boni luto neze, o ku njengo muntu nje: uy' u bon' int' entantayo ku be kupela, e fana ne pulangwe; ngob' into, e njenge nsimbi, i cwila nga sona lesi sikatshana. Mi ning' imikumbi e yākiwa nge nsimbi, ngapakati na ngapandhle.

Kute-ke, bakiti, nga sona leso sitimel' esikulu, e ngi ni tshela ngaso, a sinda wonk' amabuto. Kwa-f' ababasi, a ba be bas' umlilo ngapansi, kwa kupela. Amasotsh' a sinda ngoba lowo nkumbi wa puz' uku-ewila. Kuze kwa *ama-hour* amatatu ub' u ewile. Onk' amasotsh' ay' a fikel' ezweni ngapandhle, izwe la semzini wa seNew-haven. Amanye a ye ntanta; amanye a landwa izikebe. Abantantayo, ba be fak' amabantsh' a okoko.<sup>1</sup> Kwa ku kubi!

Kwake kwati-ke nge liny' ilanga, si puma eBoulogne, si bang' Engilande, sa qabuka si hlangana ne *mine*. Ya i zi ntantela nje leyo, i nga kungelwe ndawo. Ya i bona-kala kahle nje; ngoba nxia i kungelwe, a yi bonwa. Ukuba kwa ku njalo-ke, sa si yo limala. Kwa siza futi ngoba ku semini. Ingabe kwa ku sebusuku, nga sa limala. Sa yi dhlula.

Sa dhlula qede, sa yi dubula ngo mbayimbayi. Sa yi tshaya. Ya quma. Umsind' e nga wu-zwayo lapo, ukuquma kwayo, wa ngi vimb' izindhlebe, kwaze kwa izinsuk' ezintatu umuntu ngi nga mu-zwa ukut' u-tini nxia e kuluma nami.

Sabuye sa puma nga sona leso sikati; sa pindel' eFrance. Sa fika kona ku-wiswe ikamu la masotsha; li dutshulwe amaJalimana kon' eBoulogne. Zi ning' izinsizw' e za limala kona. Sa y'etul' impahla e sa si yi twele (izinhlamvu). Kute, ngo busuku ba lelo langa, ya i si fikil' *i-submarine* ya maJalimana. Ya limaz' izitimel' ezsikombisa ngapakati, ewofu.<sup>2</sup> Ya banjwa leyo, i si limazile kodwa. Ya-miswa kona konalapo. Nga sinda, ngoba ya i dubula zonk' izitimela ngapakat' ewofu, esami ka sa velelwa luto. Ngi ya bon' ukuti iNkosi ya i nami mhla kwa loko.

<sup>1</sup> Cork-belts.

<sup>2</sup> Harbour. Amawofu a ngapakati kwe harbour.

Yā banjw' induna ye *submarine*. Ya fakw' ejele. Ngi ya bon' ukuti ba yi nquma. abeLungu bā jabula kabi ukuba ku banjwe leyo *submarine*, ngoba ya imbi; ya i si zi qedil' izitimela. Leyo nduna ya maJalimana ya i hlakanipe kabi; ne sibindi sayo si sabeka.

Kute, ekuseni nge la ngomuso, zase zi fikil' izinqol' e zi ndiz' emoyeni, oku-tiwa *ama-aeroplane*. Za-wis' obhomu (*bombs*), zi ba-wisela pakati no muzi wa



Si vunyelwe a ba seTopical Press Agency.]

i-AEROPLANE ya maJalimana.

seBoulogne. Nga leyo mini kwa ku nzim' impela. Kwaze kwa tshay' o-three ntambama, kwa ikati si kululekayo, si pumula. Kwā-f' abant' abanagi lapo,—izingane, na bafazi, na madoda. Izindhlu e za-fayo nazo zā ba ningi.

Sase si puma si-y' Engilande. Si hamba njalo, si yo layitsh' izinhlamvu (*shells*) futi. Lezi-ke, za zi-y' eAntwerp, umuz' omkulu, o wak' eduze no lwandhle, ezweni la seBelgium. Sa fika kona ntambama. Sa funyanisa ku kubi,—ku fana na kon' eFrance.

amaJalimana acitsh' a wu bulal' umuzi wakona;

ngob' a ye nga katali. A ye bulal' umfazi, a m-sik' amabele; ingan' encane ba yi sakaz' ematsheni. Ba be-lwa kabi labo bantu; ngoba ba be nga katali neze.

A ba seAntwerp, abant' a ba lunge kakulu. Ngā dabuka kabi ma ngi bon' amaJalimana enz' izint' ezimbi pambi kwo buso bami. Nobani nobani wa ye nga dabuka uku-bon' imikub' emibi e gilwa ibona.

Sa puma lapo, sa pindel' Engilande, eLondon. Kanti, site si fik' eLondon, ekuseni, a ye fikil' amaJalimana ngo busuku ba izolo; e fik' e ndiza pezulu. Lapo-ke, ba be nga hambi nga ma-aeroplane; ba be kwelele ku ma-Zepelin.<sup>1</sup>

Se-zw' ukuti bā-wis' uswide (*sweets*) emgwaqweni, pakati kwo muzi wa seLondon. Izingane za wu cotsha, za wu-dhla. Kanti lo swidi ku takatwa ngawo; u xutshwe no buhlung' obubi, obubulalayo. Zi ning' izingane e za pelayo lapo, ngoba zi-dhle lowo swidi. amaJalimana lana a ye nga-lwi ngo kufanele; kwase ku bonakala nje ukuti so ku ukwahluleka kwawo. A ye nga s'azi ukut' a se zo kw-enze njani.

Lo mkumbi e nga ngi kuwo, o bizwa ngokuti: *Indeeman*, ubuye wa pindel' eBoulogne na seAntwerp u twel' izinhlamvu. Ngazo zonk' izikati, ngemva kwe zinyang' eziyisitupa, imikumbi ya yi lungiswa ngapansi, i pendwe.<sup>2</sup> Kuti futi, ma ku kon' amapuleti a nga lungile, a kunyulw' amadala ku fakw' amatsha. Na kwe set' isitimela kwa ba njalo.

Sā hamba sa-y' emuzini o senhla ne-zwe la sEngilande, wa seLiverpool;<sup>3</sup> sabuye sa qubekela saze sa fik' emzini


<sup>1</sup> Izinto ezinkolu, e zi ngange mikumbi, le e hamb' olwandhe; kepa-ke kona, ku hambela pezul' ezelwini; ku futwe ngo moyo, kw' enziwa kwa lula. Ku kunye, ku twal' abantu a ba amatshum' ayisi-hlanu; ku pete futi amabomu (*bombs*) amaningi.

<sup>2</sup> Painted.

<sup>3</sup> 'B. i-map, k. 138.

omuny' omkulu, o pakati ne-zwe, wa seManchester. Umkumbi wetu wā lungiselwa kona-ke. Ilapa-ke nami nga wu tshiya kona, ng' ahlukana nawo. Se ngi-y' eLondon lapo.

Kute, nge liny' ilanga, nga ngi ne mal' ening' epake-teni; e nga yi rol' esitimeleni lesi e ngi si tshiy' eManchester. Kwase kuti-ke, nga kusihlwa, se ngi tol' indhlu yo kulala: kanti lapo ku zo ba kon' isela. Ngite ngi



Si vunyelwe a ba seTopical Press Agency.]

i-ZEPPELIN.

Intokazi e ndizayo, a ba be-lwa ngako amaJalimana.

papama ngakusasa, nga bon' imali yami i ngaseko; ne sel a li nga bonakali. Nga kohlwa nje ukuti ngi zo kw-enze njani. Ngoba nga lahlekelwa imali yami yonk' i pela; ngi-tsho ne yo kudhla kodwa loku.

Nga puma nga hamba. Se ngi qabuka ngi hlangana ne zinsizw' eziny' ezimnyama za seWest Indies; ngi tolana nazo pakati no muzi wa seLondon. Ngati a zi ngi-p' utsheleni ngi yo ku-dhla, ngoba nans' imali yami i

ntshontshiwe. Zati: "Nati, a si nay' imali." Ngase ngi-y' eofisi, la ku tolwa kon' umsebenzi we zitimela (e zi hamb' olwandhle). Nga qonda ku mLung' onkulu wakona, ngati ngi lambile, imali yami y'ebiwe.

Wa-ti-ke yena lowo, imali ka nayo; a ngi pume ngi hambe. Ngapinda nga yi cela fut' imali. Wa-ti uma ngi pike ngo ku-biz' imali, u zo ngi bichel' amapoyisa. Nga ngi lambe kakulu mhla kwa loko. Nga hamba ngaya ko muny' umLungu, e ngi m aziyo. Lowo-ke, wa ye pum' eAfrica; kuti, ma u tshonile, yena-ke a kw-elekelele.

Nga zi bik' ukuti ngi lambile; nga cel' ukudhla. Wa-t' ukudhla ka nako. Nga-ti a ku sizi luto; ma e nga ngi nik'i, ngi zo qamb' ubusela. Nga-ti ngi yoke ngi linganis' uku-kweleta;<sup>1</sup> nxa ng' ahluleka, ngi yo ntshontsha. Wa-ti: "Ma be ku bamba, u zo kw-enze njani?" Nga-ti: "Ngi y'az' ukuti ngi yo-y' ejele." Wa-ti: "Hamb' u yo kweleta, ma ku kweleteka. Ma e nga vumi, u ntshontshe." Wa-ti: "Imali i yo kokwa imina."

Ngase ngi-ya-k' esitolo. Nga biz' inyama, na mazambane, ne tiye, ne zinkwa. Nga ku-dhla; nga ku qeda. Nga-ya ku mmumzana o wa ye kona lapo. Wa-ti: "Kok' imali." Nga-ti: "Imali a ngi nayo." Wa ye se fun' uku-biz' amapoyisa. Nga-ti: "U nga qal' ukw-enze njalo; woza, si-ye ku lowa mLungu." Sase si-ya-ke. Nga-ti: "Nansi le ndoda; ngi-dhl' ukudhla kwayo ngi nge na mali. Ku-tsho wen' ukut' u yo yi kokela. I nik' imali." Wa ye se yi kokela.

Wa-ti a ngi hambe, ngize ngi buye kusasa. Nga buya. Wa ye se-ti u wu tolil' umsebenzi. Nga-ti: "Msebenzi muni?" Wa-ti: "O we sitimela." Nga-ti: "Si ku yip' indawo?" Wa-ti: "Si kona la eLondon." Wa

<sup>1</sup> Ukw-enz' isikweleti.


ye se ngi nik' incwadi, wa-t' a ngi-ye nayo eofisi. Nga yi tat' incwadi. Nga yi-sa kon' eofisi. Ba-ti-ke lapo ngi tolelwe umsebenz' omuhle kabi; ngize ngi buye kusasa.

Se ngi fikile nga kusasa, nga bona ku kon' amapoyisa (amatilos) amabili. Nga hamba nawo lawo mapoyisa. Sa kwel' esitimeleni (e si hamba pansi). Ba ngi-sa kwe sikul' isitimela, lesi se-mpi, sa solwandhle, umanola.<sup>1</sup> Igamu la lesu sitimela u-Susie. Ngite ngi fika lapo, base be ngi kumulis' izingubo, ba-ti a ngi fak' ezabo, za matilosi. Nga ngi nge na kw-enza luto. Nga zi gqoka lezo ngubo zakona. Ba tata lezi zami, ba yo zi valela kwe-ny' indawo.

Ba ngi nika zonk' izinto,—ibakede lami, ne zingubo zo kulala, yonk' int' o nikwa yona nxa u su itilos. Kepake mina, nga ngi nga wu funi nakancane umsebenz' onjalo; ngoba ngi bon' ukuti ku isitimela se-mpi. Sa si sikulu futi; si nō mbayimbayi a ba ngamatshum' amane. Nga ngi fun' ukw-eqa, kodwa ngi nga si toli isikati so kw-eqa. Umsebenzi wona wa u nga sindi. Into kodwa, a u lali. Baye ba ku vus' embedeni. Ba-ti: "Lala pansi," u lale; babuye ba ku vuse, bese be-ti: "Pindel' embedeni."

Kute, nga kusasa, ekuseni, sa puma lesu sitimela, sa hamba. Ilapa-ke mina se ngi zo tol' ituba lo kubaleka. Nga bon' isitimel' esincane (i-tug), si hamb' emfuleni. Ngase ngi ngqabitshela ku sona. Sona-ke, sa hamba sa-y' ewofu; si 'beke nga seLondon. Ngite ng' ehlika kon' esitimeleni esincane, nga bon' amapoyis' amabili. A-ti: "U ya ngapi? Ingati isitimela sako si ya hamba na?" Nga-ti: "Ca! Ngi ya buya kona manje. Ngi-y' eofisi."

<sup>1</sup> Man-of-war.



Si vunyelwe a ba se [Topical Press Agency.]  
vMASOLA (*Man-of-war*) wa sema Ngismi.

Ngase ngi hlangana ne tilosi le siny' isitimela, e sa si seduze kwe setu. La-ti kimi: "Mina a ngi pindeli esitumele ni sami." La-ti: "Ku pume izitimel' ezimbili la kutangi; ama Jalimana a zi cwilisile zombili. Be ngi na bafowet' ababili a ba ku lesu sitimela." Nga-ti: "Nami, ngi zam' ukw-eqa; kodwa ka ngi y'azi le ndawo, ukuti si zo-yapi;" ngoba be ku makaza futi. La-ti itilosu: "A si hambe. Ngi no mame. Ubab' u sempini." Nempele, la ngi tata; sa-ya kubo.

Sase si hlala nje ekaya kubo, kon' eLondon. Sa hlal' izinsuk' ezintatu. Kunjalonje, sa si nge na mali. Site si-zwa, kwa ku-tiwa isitimel' e nga ngi ku sona si cwilile. Ngā sind' ebubini lapo. Nga zi siza ukuba ng' eqe. Ukuba ngi-zwe ukuti si cwilile (a ku sindanga nom' emuny' umuntu), ngase ngi-y' eofisi, la ba ngi 'balisa kona.

Ba buz' ukuti: "U pumapi?" Nga-ti: "Imina ngedwa e ngi sindileyo." Ba buza, ba-ti: "U sinde kanjani na?" Nga-ti: "A ng'azi; ngite ngi qabuka, ngase ngi ngapandhl' ezweni." Ba tshetsha ba ngi bopa; ba-ti ngi kulum' amanga. Nga ngi nga katali, ngoba ngi sind' ekufeni. Abaningi, abeLungu ne zintombi e za zi sebenz' eofisi, ba ngi bukisisa ngoba ngi hambe nge sitimela qede, sa tshona, kwa sinda mina kupela.

Nga ngi nge na luto. umLung' omkulu wa seofisi wa ngi nik' imali, ompond' abayisikombisa. Wa-t' u zo tumela nxu e se ngi funa. Wa ngi niha ne ndawo yo kuhlala. Ngite ngi hlezi, ngemva kwe zinsuk' ezintatu, kwa fik' incwadi ya seofisi la ömanola. Ya-ti ma ngi fike nga sona lesu sikati. Nga-ya. Base be buza, be-ti: "Kwa kw-enze njani ukub' u tshiy' isitimela o wa u ku sona na?" Nga-ti kwati ngi lele, ngase ngi pupa, ngi pup' isitimela si sebunzimeni. Ngase ng'eqa. Se ng'e-qile, nge-zw' ukuti si tshonile.

Ba buz' ukuti ngi pumapi. Nga-ti: "Ngi pum' eAfrica, eNatala." Ba-ti: "U ne sikat' esingakanani la?" Nga-ti: "Ngi ne sikat' esikulu." Ba-ti: "U y'az' ukuti si zo ku-fak' ejele?" Nga-ti: "Ka ngi katali ma ni nga ngi nqumi, ngoba naku ngi sa hlezzi; kanti isitimela son' e nga ngi kuso, se ba si limaza, mina nga sinda ngoba ngi balekile." Ba-ti bangeke ba ngi fak' ejele; ba zo ngi-s' ejele la seFrance, lapa ngi zo kwaluswa amaJalimana.

Ngase ngi-ti: "Ngeke ngi size luto ma inkosi i ngi-sa lapo. A ngi kw-enqaba." Lapo-ke umuntu wa ye ngek' e-qe. Ngite ngi sa-tsho njalo, ya-t' inkosi yakona: "Ize; ku lingile. Goduk' u yo hlala la u hlala kona." Nga hamba, nga-ya kona.

## 23

## UKUHAMB' OLWANDHLE

## III

Kwa pel' izinsukwana, base be ngi bisa futi. Ba-ti ma ngi hambe nge sitimel' esinye, e si qond' eNew Zealand, na seAustralia. Sa qala ngo ku-y' eNew Zealand. Sa gen' emzini wakona, wa seAuckland. Lowo muzi w-a'k' endaweni e itafa. Li ya balela kona, li tshisa kabi. Sa puma, sa-ya ngapandhle kwo muzi.

Abanumzana bakona ba fuyile, izinkomo ne zimbuzi. A ngi bonanga ngi zi bon' izinkom' ezingakaya kwe liny' izwe, ngi-tsho ngo buningi bazo. Kunjalonje, zi kulupele. Liti, ma li balele, isuk' i qume nje (i qum' inyongo) inkabi; i qunyiswa ilanga lakona.

Sā hlal' izinsuk' eziyisihlanu. Sase si-y' emzini wa

seAustralia, oku-tiwa Sydney. Sa fika kona. Kwa ku itina bant' abamnyama ku lesi sitimela. Abant' abamhlope kwa ku izinduna ze sitimela kupela. Site si fikile ku lowo muzi, abantu bakona ba si tanda kabi. Sa si puz' utshwala nge-ze (si-piwe nje, ku nga-tshiwo ukuti a si kip' imali). Kwa ku ngabant' a ba lung' impela.

Tina zinsizwa za kwa Zulu, sa si babili. Abanye kwa ku nga ba seWest Indies. Ba be tanda tina sobabili; ngoba sa si nge nal' ulaka. Ngi-tsho ne ndoda, o kwa ku uKapteni, ya i si tanda kabi; na bantu bakona ba be si tanda kabi. Ku lowo muzi sa hlal' amasont' amatatu.

Sā fika lap' eSidney si twel' impahla; yonke nje, ye zingubo, no kudhla, ne ye zinsimbi. Ukuba si y' etule yonk' impahla le, sase si tat' enye e-z' Engilande, e fana no volo (uboya be zimvu). Sa puma lapo. Ya i sa-lwa bel' impi. Kodw' ezweni la seAustralia, kwa ku ngcono.

Se si pumil' amasont' amane, sa hlangana ne sitimel' esikulu sō mbayimbayi, umanola.<sup>1</sup> Lo mkumbi wa qamuk' u kude nati—u vela nge sandhla setu sokuponsa. Base be kuluma nati nge zandhla. Ukukuluma nge zandhla loku, kuye ku pakanyisw' isandhla sokuponsa, esobunxele naso si pakame, kodwa si nga pakami kakulu. Umuntu-ke, u se pakamis' esobunxele; esokuponsa a si lalise. Abes'e zi-misa zombili, a zi 'bekis' ezulwini. U-zolok' enzayenza njalo-ke nge zandhla, kant'u ya kuluma; iz' i pel' indab' a yi kulumayo, a yi kuluma no munye,—o semkunjin' omunye, nom' u kude.

Ku sa kulunywa nge zandhla, a ba ko wet' umkumbi ba bet' esakiti lesiya. Baze ba bona se si seduze naso ukuti kanti izita, kanti impi; amaJaliman' ugobo lwawo! So ku ukwetuka njalo. Kute, ukuba ku pel' ukukuluma nge zandhla, base be kupul' amaduku; ku ya kulunywa

<sup>1</sup> Man-of-war.

futi na ngawo, ba-fi : "A si-m' isitimela senu," (be-tsh' esetu). Nempela, se-ma.

Base be si zungeza kibili. Base be-ma-ke nabo. B'ehlis<sup>1</sup> isikebe. Kw-ehl' izinsizw' eziyisitupa, za ngen' esikebeni; zase zi fik' esitimeleni setu. B'anel' ukukwela, base be bang' ekamelweni lo eingō ; ba lu bulala.

Ucingo lolu a lu njeng' o lu hamba lu-misw' ezinsikeni pakati kwe-zwe. Lona lu betelw' ezinsikeni zo mkumbi. Lu suka kwe-ny' insika (pezulu nayo), luye lu yo namatela kwe-nye. Yonk' imikumbi ye zizw' ezimhlope i si nal' ucing' olunje ; kodwa a lu betelwa emkunjini emneane. Lol' ucingo-ke, izindaba luye lu zi cotsh' emoyeni, nom' i vela ku lip' izwe ; nom' i vel' emkunjin' omunye o kude, o nga bonakaliyo. Ilona-ke, o lwa b' elekelelayo abany' abaningi mhla ku-liwa ; bā sinda, kanti be be zo ku-fa, ba tshon' emanzini.

Lu into e yinqaba,—futi, indaba a lu yi fihli. Ngangati mina, ngi seTekwini, ngi kuluma nawe, u seJozi-beke,<sup>1</sup> u nge-zwa ma u nal' olwak' ucing' olunjalo. Lonk' izwe-ke li zo ku-yi-zw' indab' e si yi kulumayo, i-zwiwe a ba no cing' olunjalo. Indab' e nge ku-zwakala (e yo-zwiwa uwe wedwa) è kulunywa ngo kufihla, njeng' abant' abahlonipayo ; njeng' omame be hlonip' amagam' a obaba.

amaJalimana-ke a lu bulala qed' ucingo lwetu, a ye se-za ku Kapteni. Se be buz' ukut' u twele mpahlani, no kut' u-ya ngapi. Wa-t' uKapteni u-y' Engilande. Wa-ti futi u twel' impahla ye zinhlobo zonke—uboya, no kudhla, ne zingubo. Ba si bopa. Ba-ti a si hambe sonke si-ye ku manola wabo. Kwase ku fik' izikeb' eziningi zi ka manola, zi zo si tata. Ba si tata, ba si ngenis' esitimeleni sabo. Sa si tshiy' isitimela setū ; sase si

<sup>1</sup> Johannesburg.

zi ntantela sodwa, ku ngeko no yedw' umunt' o pakati kwaso.

Se-nel' uku-fik' emkunjini wabo, base be buz' ukuti si pumapi. Ba buz' izindawo lapa sa zalelwa kona. Sa ba tshela. Sa fuman' abant' abaningi kabi ku leso sitimela sa maJalimana. Kwa ku kon' amaKula, na beLungu, na bant' abamnyama ; zonk' izinhlobo za zi pelele kona. Bonke labo bantu-ke, à ba be banjw' ezitimeleni zonke a ba behamba be zi bamba. Umkumbi wetu a ba w'enzanga luto ; basimze ba wu yeka nje, wa zi ntantela. Ne mpahla e bi kuwo à ba yi tatanga ; ba ku yeka nje konke. Kwa ku kubi nga lelo langa.

Sā suka lapo. Kute, si sa hamb' izinsuk' ezimbili, sa hilangana nō manola ba beLungu bakiti. Ba dubul' abeLungu bakiti, be dubula lo manol' e si kuwo ; kodwa a bā si tshayanga, ngob' isitimela sa maJalimana si tsheethe sa kupul' iduk' elimhlope, lokuti "si nkomo, a si-lwi." Ba fik' omanola eduze kwetu.

Ba buza ba-t' owetu u-ya ngapi ? Wa-t' uKapteni wa maJalimana u lahlekewa indhlela. Ba-fi : " U peteni ? " Kodwa, be be kuluma be kude ; be kuluma nge mibobo yabo e yenz' ukub' izwi lo muntu li be likulu ; li-zwakale kude. Baze ba sôndel' eceleni kwetu. B'ehlis<sup>1</sup> izikebe. Tina-ke, e si botshiwedo, sa jabula kabi ; ngoba sa si lamba. Umuntu wa ye nikw' ucezu nje lwe sinkwa nge langa. Pind' u ku tol' okuny' ukudhla, uyoz' u ku tole ngakusasa ; na kusasa, ba ku nik' ucezwana lu be lunye—njalo, malang' onke.

Baze ba kwel' abeLung' esitimeleni e sa si kuso. Baze ba si bona, tina zibotshwa zakona ; ngoba tina sa si valelwé pans' emgodini, lapa wa u nga li boni nez' ilanga. Sa si nga hlali ngapandhle ; sa si semgodini ngaso sonk' isikati. Sa ba bon' abeLungu bakiti be fika kitu ngapansi,

kon' emgodini lapo. Ba si kipa, ba si kipela ngapandhle, ngapezulu. Sase si bona ukuti kant' omanola baningi; ba isikombisa. Sase si tol' ukujabul' okukulu-ke lapo. Kwa fik' uKapteni we sitimel' esinye, wa zo ba uKapteni ku lo mkumbi e sa si kuwo.

Sase si nikw' ukudhla-ke lapo; se si-dhl' impela. Sa hamba, sa qond' ezwen' elinye oku-tiwa ku seSouth America. Igamu lo muzi e sa-ya kuwo ku seMonte Video. Sa pumela ngapandhle lapo. Ba si fak' ehota. Sa hlala kona. Ba be si pete kahl' impela lapo, ngoba futi sa si tol' ukubema. I—*consul*<sup>1</sup> yakona ya i si nik' umpondo nge langa; si teng' into e si yi tandayo. Sā hlala lapo kwaze kwa dhlul' amasont' amabili. Zonk' izinsuku lezi sa si yi rol' imali, si-piwa nje, umpondo nge langa,—si nikwa uRulumeni wa maNgisi.

Sa suka lapo, se si kwele kwe siny' isitimela. Leso sitimela-ke sa qond' eLondon. Sā hamba kahle. A si bonanga luto nge ndhlela, saze sa fika kon' eLondon. Sase si rolelwa imali yetu, yonk' i pela; ngoba sa si ne zinyanga eziyisihlanu si hambile. Impi ya i si tand' uku-pela-ke nga leso sikati. Kodwa, s'anel' uku-fika nje, kwase ku-tiwa a si hambe nge siny' isitimela. Sa cel' uku-pumula kancane. Base be s'enzel' isikati so kupumula; ba si nik' itshumi le zinsuku ne zinsuk' ezine. Kako o wa ye nqunyelw' isikati e si ngapambi kwa leso, ngoba kwa ku sa-liwa.

Sase si tol' esiny' isitimela, e si bizwa ngokuti: *Princessa*. Kwase ku ngeono-ke nga leyo mini, int' embi i ngaseko; ngoba imp' enku lu ya i si pelile. Sa jabula sonke, ngoba sākade si hlez' ebunyameni. Bakiti! Si yi-lwil' impi, nom' i pelile nje. Ngi tol' i-medal manje; ngā li-piwa iNkosi ya eEngilande.

<sup>1</sup> Indun' e ya bekwa lapo, ukuba i be iso le Nkosi ya sEngilande.

Les' isitimela sa si-y' eBuenos Aires (eSouth America), endaweni ya seSpainola.<sup>1</sup> Sa fika kona si nga twele luto; si land' inyama. Be si sebenza kahle ku leso sitimela, ngoba sa si petwe indoda. Ngize ng'enz' izindhlela zo kuwel' amanzi eziyisihlanu; ngi wela ngi buya, ngi wela ngi buya. Zonke lezo ndhlela za zi qonde kon' eBuenos Aires—siloku si land' inyama njalo, e zo-dhliwa abe-Lungu ba seLondon.

Umuzi wa seBuenos Aires u mkulu; w-ak' izindhl' ezisabekayo ngo bukulu bazo. 'Umuz' omuhle. Ngi-ke nga hamba, nga vakatshela ngapandhle; nga bon' amakambi e ngiye ngi wa bone kwe lakiti,—a nga siz' umuntu ma e gula. Ngi bone unsukumbili, no *klamvuhlotshana*, no *buvumba*, no *mguene*, ne minye nje imiti e ngiye ngi yi bone kwe lakiti; e ngi nga y'az' amagam' ayo. Izint' ezinye e nga zi bona kona,—intaka, na majuba, na mapotwe, no mbalane.

abantu bakona à ba fami na beLungu. B'ahluke ngo ku-ba mnyama kancane. Abanye ba fana nati nje, ubunyama babo. Ulimi lwabo, lwe siSpainola, lu lukuni. A u kw-az' uku-lu-bamba; lu lukuni kabi. Lu mnandi kodwa nxo be kuluma bodwa. Ngi no nyaka ngi hamba kona, ne zinyang' eziyisihlanu, kepa a ngi kw-azi no ku-ti Ca! no ku-ti Yebo!

Le ndaba ngi yi xoxa nje, ngi yi xoxel' eLondon. Umsebenzi wami e nga geina ngawo, wa seBuenos Aires, u su wa pela. Mina kodwa a ngi sa tandi nakancane uku-ya kwe ziny' izindawo; se ngi fun' uku-goduka. Sokuze kwa dhlul' izinyanga ngi qapelene no mkumbi o yo ngi tata u ngi-se kwe lakiti; imali ye ndhlela ngi fun' ukuba ngi yi tole ngo *kubasa ngapansi* ku sona leso

<sup>1</sup> Spain.

sitimela ; ngob' ukubas' amalahle ngapansi, umsebenzi engati ngi suk' eNatala ngo 1916 nga ngi sebenza wona.

Ngoba-ke isitimela, lesi e ngi si funayo, si puz' ukubonakala, kade ngi zi libazisa ngo kw-enz' umsebenzan' omunye kona lap' eLondon, omuhile. Kodwa ubuye wa ngi pelela. Kwa ba amasont' ayisikombisa ngi na lowo msebenzi—umsebenzi wo kudhlal' izicatulo. Nga ngi tshaya son' isicatulo sakiti;<sup>1</sup> no nyaw' olunye e ngi lu tola kona lap' eLondon.<sup>2</sup> Be ngi si tshaya kakulu, kahle. Imali, nga ngi tol' ompond' abayisikombisa nge sonto li linye. Be ngi sa wu fun' umsebenz' onjalo, kodwa a ngi bon' ukuti ngi nga wu fumanapi manje.

Umsebenzi wa solwandhle, ngob' imp' i nga sa-lwi uje, muhle, muhl' impela ; ngoba uy' u 'bale, u hambe nge sitimela ; mhlatumbe u hamb' izinyang' eziyitshumi. A u rolelwa ngaso sonke lesosikati. Uz' u rolelwesu qede lesosikati o wa si 'balayo. Kodwa-ke, à yi sizi luto yonke leyo mali, nom' u yi rolile, ngoba si ya yi-dhla la. Si yi-dhla ngoba, ma u-file, i yo sal' i-dhliwe uba ?

## 24

## IZIBONGO ZI KA SOTOBE KA MPANGALALA

(wa kwa Gazu, kwa Sibiya)

[abelung' a bā fika kuqal' eSibubulungu (eTekwini) ðMbwayazi, no Febana, no Wohl. Bā fika ngo May no July, 1824,—be hamba na banye. Base be-ya ku Tshaka,—e kwa Bulawayo (kwa Gibixegu), kwa Zulu,—be yo cel' indawo yo kwaka, uTshaka-ke u se ba sikel' izw' elibanzi, kona nga seSibubulungu ; ngasenhla, liye la fik' eMdholi ; ngezansi, la gemä nga seZimbokodweni.

So ku hhalwa kahle-ke. uTshak' u se tandana kakulu na beLungu

<sup>1</sup> Isicatulo sa makolwa.<sup>2</sup> Clog dance.

## IZIBONGO ZI KA SOTOBE KA MPANGALALA 155

bake ; e ba-p' izinkom' eziningi, zikati zonke. W-etuk' isibamu sabo, e nga s'azi ; ne zimpahl' a ba zi lumbayo ; ne miti yabo yo kwelapa.

Sekuti-ke, ngo 1828, u se nxus' u-Lieutenant J. S. King (o wē-z' eNatala ngo 1825) ukub' a hambis' amanxus' ake, oSotobe ka Mpangalala, no Mbozamboza, (ba ne nceku lu Sotobe, uPikicana ka Bizwayo, wa kwa Nduli, kwa Qwabe), a be-se ku Mjoji (George IV.), iNkosi ya maNgisi, ngob' e fis' uku-hlangana no ku-vumelana na leyo Nkosi, e yi bon' ukut' i na mandhla ; e tanda fut' uku-bon' izwe li beLungu (nga leyo nkati, abeLungu kwa ku-tiwa, aboBomvana, iziLwanyana) ; a bon' ukukandwa kwe zihainu, no kwalukwa kwe zingubo.

Se be hamba-k' oSotobe. Umkumbi bā wu ngen' eSibubulungu. Lowo mkumbi (igamu lawo u-Elizabeth and Susan) w-ēnziwa ibo labo beLungu ba seSibubulungu. Wā puma lapo ngo May 1828, wa qond' eBayi (Port Elizabeth). Ka ya vuma kodw' induna ya seBayi (ya mabuto) ukuba ba dhlule, i-ti yona, nxa i si zi cabangela, ba izinholi zt ka Tshaka. Kwa hla-w' izinyang' ezintatu ; i ba vimbele njalo leyo nduna. Baze ba katala. Base be buyela ku Tshaka,—e kwa Dukuza.

Izibongo lezi zi pata kona loko kuhamba,—ukuhamb' o kwa duma kakulu pakati ne-zwe.

uSotobe wa ye umdudhla wo muntu ; e mkulu ; e mude ; isicoco siti a si be ngemva kwe kanda. Intondolo ye mbuzi wa ye yi-dhl' az' a yi qede e yedwana ; ukuminza kwake ku fana no ku ka Manyosi ka Dhlekezele. Kuti, nxa e zi hambela nje ebeleni, emzini wake, ku be ku kon' incek' e landelayo, e pet' nqembe lo kudhlela, lu gewel' inyama ; u hamba nje-ke, u ya-dhla, u-dhla leyo nyama. Ati lap' e se yi qedile, abes'e-t' a ku landw' isicumu so tshwala. U se puza-ke ; nalapo futi ka ku sall luto.

Wa yek' a hla' eMgungundhlovu, so ku ku Dingana ; e induna ; ku-tiwa 'uyise we Nkosi,' ku-tshiwo ngob' e ngumant' omdala wakona. Wāfa ku sa bus' uDingana. Inkosana yake uNobiya.]

uGXUBUZA nge tshoba !

uMkunjini<sup>1</sup> wo lwandhle ;

Uwandhle ka lu welwa,

Lu welwa 'zinkonjane na beLungu.

uDungamanz'<sup>2</sup> a puzwa uNtunja.<sup>2</sup>

uMten' o wa-dhl' omuny' umteno ;

Ngoba wa-dhl' o wa kwa Zinkwembu.

<sup>1</sup> Ulimi lapa ka lu-tsh' ukut' emkunjini,—okungati ikon' o te ku fanele.<sup>2</sup> uNtunja kwa ku inkosi ya kwa Ngeobo ; e liqawe li ka Tshaka. uSotobe wā pakwa uTshaka uku-yo-bulal' uNtunja ; wā m bulala ngano ku ka Ntunjambili, eHlimbitwa.

Lo mfanekiso u ipuma ku Cory. *Rise of South Africa.*

E'BAYI

(Port Elizabeth).

Two-ke lo mazi a-y' a fika kuwo uSotobe, e hambas ngo inkumbhi.  
eKipi (Cape Town). Umanekiso lo wönzawa ngeno 1822, eduze no nyak' i fika ngawo (1828).

uNdaba zi ngapetsheya kwo lwandhile ;  
uNdaba zi ku Mjoji,<sup>1</sup> ku beLungu ;  
Indaba ka Mkingi,<sup>2</sup> be no Febana.<sup>3</sup>

O-ze no lembu oluluhlaza, nga sEngilande,  
Lu nga k'embatwa muntu kwa Zulu ;  
We-za no Sembatwa-ngapi,<sup>4</sup> nga sEngilande,  
Abantu be nga ka z'embat' izingubo,—  
Be s'embat' izipuku.

O-ze na makati<sup>5</sup> nga sEngilande,  
Amakat' e sa-dhl' ubisi ;  
Namhlanje, amakat' a se-dhl' izinkobe.

uMpisha nganxanye,  
'A ku-piwa, ku ya buyiselwana ;  
Ku njenge nyama yo kuqomisana.<sup>6</sup>

uNtukuntuku<sup>7</sup> ye zinduna za kwa Dhlungwane.  
uNdaba zā fika nqangi<sup>8</sup> ku Dhlungwan' embelebeni.

uBunge !<sup>9</sup>uBunge wo Kuntwayiza.<sup>10</sup><sup>1</sup> George IV., iNkosi ya sEngilande.<sup>2</sup> u-Lieut. J. S. King, yen' o wa hamb' emkunjini no Sotobe.<sup>3</sup> u-Lieut. F. G. Farewell; o wa fika kuqal' eNatala, be hamba no Mbuyazi (H. F. Fynn.)<sup>4</sup> Ku-tshiw' izingubo e zi mabalabal' a maningi, nhlangoti zombili ; umunt' abe s'e kohlwa nje ukuti z'embatwa ngapi.<sup>5</sup> Amakati a ye funeka kwa Zulu, ngob' izihlangu za mabuto za zi qedwa amagundane.<sup>6</sup> Ku fana ne siga sokuti : *Imikombe i y'enanana.*<sup>7</sup> Isitukutuku ; ukujuluka. Ingabe ku-tshiwu ngoba wa ye tutuketela ini, e fun' uku-lwa.<sup>8</sup> Lol' uhlamu lu fana no lu ku k. 103, c. 3.<sup>9</sup> Loku ka ku sibongo ; igamu nje lo kufeketisa.<sup>10</sup> Umuzi ka Sotobe kwa ku seKuntwayizeni ; uku-ntwayiza, uku-dinga ne-zwe. Ku-tshiwu ngoba, wāt' e ngen' emkunjini, wa ye ng'azi lapa ku-yiwa kona ; nokuti ku hanjwa kanjani nxa ku qondwe lapo.

## UKUSIKISWA KWO MLOBOKAZI

EZIBONGWENI zi ka Twayisa (e li ka yise, uZukumkonto) ka Cabazana, wa seMbo, ku kon' esokuti :

"Umlobokazi wa kwa Mabala,  
O wa sikwa ubengu emlonyeni;  
E-ti inyama y'emvu ka yi-dhli."

Kwa Mabala, isizwe a ba be hlaele kuso ; e si pambili, kwa Mbicini ; ngapambili kwa seSwazini.

Ubengu lolu, ku-tshi'w o lwe-mfe. Umlobokazi eMbo, na kwa Magwaza, na kwe ziny' izizwe za kwa Zulu, u qal' a sikiswe. Ku hlatshw' imvu, abes'e yo sikiswa ; isitebe se nyama si bekwe pambi kwake. Inyama i bi si sikwa umuntu<sup>1</sup> o-ye nayo ku mlobokazi (i si pekiwe) ; a sike ngo mese, a sik' ivēnge ;<sup>2</sup> abes'e m kuhla ngal' iveng' emlonyeni. Bese ikon' i si zo hlatshwa-ke o za ku-yi-dhla. 'A yi qal' i hlatshwe nge lang' a sikiswe ngalo ; i hlatshwa nga kusasa ; na nge liny' ilanga nje.

Ubengu lu patwa lap' ezibongweni zi ka Twayisa nje, ngoba lowo mlobokazi, wa kwa Mabala, wa ye no bugagu, kanti uzobuy' a yi-dhle (inyama nje, yonke). Abalobokaz' abanye á ba na bugagu. Ba ya 'qikila, inx' e fuzwayo. Kwa ku nge mdabu ; kw-enziwa ib' ubugagu ; ub' a qal' a y'ale, kanti uzobuy' a yi tande

<sup>1</sup> Umuntu nje wa sekaya. Ka ku ketile. Noma o wo mlisa, noma intombazana. Umyeni ka veli nempela. U ya puma lap' e se zo ku-dhla. U ya tshelw' ukuti umlobokazi u se zo sikiswa. Ku qanjwa onina bo myeni, ba-ti : "Kād' e hamb' emva kwe zindhlu!"

<sup>2</sup> Inyama edatshuliweyo, enguminswenswe nje.

kakulu ; a yi-dhle ; ne ye-mvu, abuy' a yi-dhle. Se be m qopa, ngoba be bon' e yi-dhla kakulu.

Nxa umuntu imfe e yi-dhla masinyane, e nga nakile, uqabuk' e sikwa ubeng' emlonyeni. Na ku mlobokaz' o no bugagu, o nqab' uku-kuhlw' emlonyeni e sikiswa, kunjalo-ke. Naye, futi, u ya limala ; kant' uzobuy' a yi tande kakulu yona le nyam' a y'alayo. Kw-enza ngoba, bē kubo, kade be nga yi-dhl' inyama ya semzini ; na mas' a semzini ba nga wa-dhli. Nonxe e hambel' esokeni, kon' e funyanisa ku hlatshiwe lapa ko soka, ka yi-dhli.

Nxa e kuhlway' umlobokazi, u kuhlwa ngamandhla ; e ngaba. Bonke ba y'enqaba ; umdabuko wabo.

Umlobokazi u sikiswa nge nyama ye-mvu, ub' angaz' a be uhlanya. Abes'e yo nikw' amasi-ke. U ya geagea nje, ati du, kad' ub' a sikiswe. A ku sikiswa nge mbuzi ; ngob' i ya kala, iti mē. Ku-tiwa i bang' ubuhlanya. Futi, ka sikiswa nge nkomo. U sikiswa nge ye-mvu, ub' u se zo-dhl' e yenkomu. Ka qal' a yi-dhle e ye nkomo e nga ka sikiswa nge ye-mvu. Usuk' e sa hamb' emva kwe zindhlu (zo muzi) ; a nga hamb' emabaleni a nga semnyango. Ku sikiswa lonk' izwe la kwa Zulu. Isigameko esikulu, ukusikis' umlobokazi.

U sikiswa nje umlobokazi, u twalisw' ingan' encane yo muntu. Ku-tiwa : "Nans' ingane yako !" So kw-enzelw' ukub' a tshetsh' a yi tole nay' eyake. Le o wa ye yi beletisiwe, ka sez' ab' e sa yi kohlwa ; usez' ad' e y'ip' ukudhla. U ya zala, so ku ba umzanyane we ngane yake. Ka se ku y'apuewa njalo le ngane (o wa yi beletiswayo) ; isoze i sale ne yake ; i be umzanyane we ngane. Na manje kw-enziwa njalo. U beletiswa njalo, u se za u'-m-gcoba-ke umntwana, a muti 'te,' nga mafuta. Ivengo leli, li nikw' umntwana, lo o beletiswe yen' emhlana.

U sikiswa nge-mvu, ngob' i lungile. Ka yi kali nom' i gwazwa. I isipukupuku nje yona. Ka yi keti mbala imvu a za u'sikiswa ngayo. Ku bangwa nge-mvu; ukuba ku imvu.

Ukusikiswa loku, ukunikezelw' ukuzala, ub' e ngenisw' ekaya; ub' a hambe pambi kwe zindhlu, emabaleni.

## 26

**UTIFOKATI, INKOSAZANA YA KWA NGWANE,  
E Y'ENDISELW' USOMSEWU**


KWĀTI, ukuba ba bone kaloku a ba kwa Ngwane ukuti se be pahlwe izimpi ndawozonke, e ya maBunu i be nge-nhla kwe-zwe lakubo, e ya kwa Zulu, eyon' i ba bangis' ezinkul' izimvalo, i be ngezansi; ukuba ba bone fati ukut' amanxus' abade be wa tumela ku Somsewu, eMgungundhlovu, a bulawa a ba kwa Zulu, nxa e dabul' ezweni lakona, (la nga seNqutu), ku pangwe futi ne mpahl' a ba yi peteyo—a ba kwa Zulu be nga vum' ukuba ku hanjw' ezweni lakubo,—kwase ku qamuk' oMalunge no Mpikeléli, amadod' amakul' a kwa Ngwane, a-t' eNkosini yakubo, uMswazi:

"Weu! Nkosi! Ngoba naku se ku njenje, ku ya bonakal' ukut' izwe lakiti se li zo ku-f' impela. ama-Bunu aselok' e sondezela nga senyakato e fun' uku-l'aka lonke; a ba kwa Zulu nabo, (ngoba nang' uCetshwayo u se m ahlul' umfowabó<sup>1</sup> eNdondakusuka), bazobuye ba zo hlasela la kiti; ba zi kukule zonk' izinkomana zetu e zi sa sele; tina sisale si bulawa indhlala, ku-f' izingane zetu. Ngoba ku nje-ke, Nkosi, ku fanel' ukub' iNkosi

<sup>1</sup> uMbuyazi. E ya seNondakusuka yā-lwa ngo 2 Dec. 1856.

i fun' isu, ukuba ku ng'enziwa njani; i cing' umpeme wo kupepela. Tina, Nkosi, si-t' indhlua mandhla inye kupel' e si yi bonayo, e nga tiy' amaBunu, idhlul' i tiy' uZulu; si-tsh' amaNgis' a seMgungundhlovu. iNkosi-ke sengat' ingak' i cinge lapa ku bantabayò, inkosazan' enhle, i bi si y'endisel' uSomsewu,—

uMhlope wakit' eTawini, eMgungundhlovu,  
O ndlebe zí kany' ilanga.  
O wa fika ne'mkumb' embili.<sup>1</sup>  
O hlamb' izandhla, z'omel' emadoden;  
Z'omela ku Ngoza ka Ludaba;  
Z'omela ku Mfulatelwa ka Ludaba;  
Z'omela ku Teteleku, umnta ka Nobanda;  
Z'omela ku Zatshuke, umnta ka Mbeswa,—



uSOMSEWU ka Sonzica.

ikon' uSomsewu e zo si lamulela ku lez' izizwe e zi cupene nati, zi fun' uku-si-bulala. A ku qinisw' ubuhlobo no Somsewu, ikon' izwe lakiti e zo li gcina kahle, a li londoloze. A si kulumel' emaBunwini, kanye na kwa Zulu; si tol' ukupufumula."

Kute-ke, ukub' uMswazi e-zwe lawo mazwi, wa ye se-ti: "Ni qinisile, Malunge! Nami se ngi bonil' ukut' izwe lakiti se li sebungozin' impela. Si hlezí kabi. Loku, e ni ku-tshoyo, ku izwi impela. Nom' uSomsewu e nga tand' uku-ganwa abafaz' abanangi (ngoba, pela, u ngumLungu,—isizwe e si ba tata ngabanye, ngabany' abafazi), ngoba futi ngi-zw' ukut' inkosikazi u se nayo; ngi-ti-ke, noma ku njalo, umntanami angez' a m ala;

<sup>1</sup> Ku-tshiw' ukuhambela kwak' eTekwini ngo December 1838, e fike na mabuto a petwe uMajor Charters.

u yo m vuma nje; kokunye, a m nik' induna yake. Nako loko kungabe kw-anele, ngoba ku se iko njal' ukuninis' ubuhlobo." Ba yi vumel' iNkos' oMalunge. "Yebo, Nkosi! iNkos' i qinisile!" Kwase ku ba ukupela njalo.

uMswaz' u se kip' amanxusa-ke, u ba patisa lel' izwi lo muzi wa kwa Ngwane, lokut' inkosazana iNkosi i tand' ukun-y' endisel' emaNgisini. Amanxus' a hamba nge ya seMajuba; e nquma ngenhla kwe la kwa Zulu. Az' a fika-k' eMgungundhlovu.

Kwāt' ukuba ba m tshel' uSomsewu, u qale ngo kwetuka kakulu; wa mangala, e-zwa ku linganiswa nge-nto e nga y'aziyo nakancane, e nga bonang' e yi bona. Wa kohlwa nje, umfo ka Sonzica, ukuti le ndab' engaka u zo ku y'enze njani. Wa-ti (e se zi kulumela yedwana): "Weu! Ndi zo ku m enze njani nje; loku, mina mLu-nlu, se ndi ganiwe, na bantwana se ndi nabo, oGebuza, no Mhlakuvana, no Mmango, no bani na? Ca, a ndi m amukele; bese ndi m nik' induna yami le, yon' e tand' abafaz' abaningi." Wa ye se yi vuma njal' inkosazan' a m endisela yon' uMswazi. Wā bonga; wa bonga kakulu. Usebuy' e bonga nge mpahl' ening' enhle, ye zingubo, nani-nani; e ya twalwa izinqol' ezimbili i si-y' eSwazini.

U se tumela-ke ku Mpande, e cel' ukub' amanxus' a kwa Zulu ak' e-ze kuye. Nembala, bā fika. Wa ye se ba tshela loku o kw-enziwe a ba kwa Ngwane kuye. Wa-ti yena u tand' ukub' udwendwe lwake lu dabul' ezweni la kwa Zulu; lu hambe nge ndhlel' enhle, e nqamulayo, ya kwo Sirayo, nga seNqutu. Wa-ti a ba kwa Zulu ba nga Iw-etuki-ke, nxa so lu-za; ba nga lu tinti; ba nga lu hlipi nga luto; ngoba naku se ku sebukweni bake kona lapo eSwazini. Na maSwazi lawo, uMpande

asal' e se wa yeka; angab' e sa ba hlasela, angab' e sa zi pang' izinkomo zabo. Nembala, kwa-ya ngal' izwi li ka Somsewu.

Udwendwe luye lwa dabula kahle-ke kwa Zulu, lu hamba kona nga kwo Sirayo lapo; ngob' uMpande wa ye se tumele uku-yo-m-tshela, lo o wa semaQungebeni. Udwendwe lolo ka lu hlupekanga nga lut' endhleleni; kwā ba kuhl' indawo yonke; a ba kwa Zulu bede be ba-p' ukudhla, be ba hlabis' izinkomo; be b'enzela ne zindawo zo kulala.

Inkosazana leyo, igamu layo, kwa ku *uTifokati*. Futi, i nga hambi yodwa. Ya i pelekezelwa amantombazan' amanye, njengo mkuba we-zwe lakubo; nawo ku-tiwa e-ze ku Somsewu; awake, uSomsewu ka m lobolang' uTifokati, ngoba naku, pela, wa ye-piwa, e nga celile. Ut' e fik' uTifokati eMgungundhlovu, uSomsewu u se m nik' induna yak' enkulu, uNgoza<sup>1</sup> ka Ludaba. Wa ye se m zalel' abantwana-ke; na namuhla loku, kumbe base kon' abanye.

Se ku isikatshana ku dhlulile loku ku ka Tifokati, wa ye se-f' uMswazi. So ku tumel' uMpande ku Somsewu, e cel' uku-yo-kal' eSwazini, ngoba ku-fiwe. Wa buz' o ka Sonzica, ukuti: "U cel' uku-kala nje, ukukal' o ku njani kona loko o ku funayo na? Konje, nina ba kwa Zulu, ni kala ngo ku-yo-hlasela kubo na? Ni-dhl' izinkomo za bantu, nitshaye ni buqe na?" A vum' amanxusa; a-ti ku celw' ukukal' okunjalo-ke. Uku-kalel' iNkos, ba-i' a ba kwa Zulu kw-enziwa njalo. U

<sup>1</sup> uNgoza, nga leyo nkati, wa ye s'ake nga seMkambatini. Ubuye wa suka lapo wa yo kw-aka nga seMsinga, endaweni ka Matshana (ka Mondise, ka Jobe). uMatshana wā bafeka, wa ponsaka kwa Zulu (ngó 1858), ngob' e bulēl' umuntu wakwake, e-t' u ya takata. Namhlanje, izwe li ka Ngoza, eMsinga, li petwe umzukulwana wake nkula.

s'enqaba-k' uSomsewu, e-nqab' impela ukuba ku-y' impi ; e-ti a ku hamb' amadoda nje, a lingene ; njeng' a we Nkosi i yo kalel' eny' iNkosi. Lu nga biko utuli lwe-mpi.

uMpande-ke u se tum' abant' abaningana. amaSwazi a-nel' uku-ba-bona labo bantu, ayes'e balek' e yo eatsha, e-ti *impi* (ya kwa Zulu) ; kanti ca. Ka b'enzanga lut' a ba kwa Zulu ezweni la kwa Ngwane mhla kwa loko ; bā simze ba kala nje, base be pindela kwe lakubo.

uNgoza lo, ku-tiwa wa ye nga m tandi kakul' uTifokati, e tand' uSikutana, intombazan' enye e ya i-ze nay' uTifokati. U se tukutela-k' uMswazi ukub' a ku-zwe loko ; u se m bulal' uSamukedi, uyise ka Sikutana, kanye no muzi wake ; wā-dhla konke ne zinkomo, ne zimbuzi.

Nom' uSomsewu, ngokwake, e nga m lobolang' uTifokati, wā-ti, izimpahla lezi ā zi hambisa nge zinqola, ma ku funw' izinkomo ngazo ; lezo nkomo-ke zi be nge zo ku-lobola, ukuba *ku lobol'* uNgoza. Nembala-ke, kwa tengiswa ngaz' izimpahla (ezinye za tengwa uMswaz' uqobo Iwake). Kwati-ke, izinkom' e za vela lapo, zase zi-ya ku Mswazi zonkana. Zi zodwa, belu, izimpahl' e za puma ku Somsewu uqobo ; lezo-ke wā zi nik' uMswazi, e mu-pa nje ; ku nga-tshiwo ukut' u lobola ngazo.

Umgano ka Tifokati, ku-tiwa kwa ba zimpondo ze ndhlovu ; uMswazi e tumela zona ngob' e fun' ukuba le ndab' a y'enzayo i be nkulu, i dume na sezizwen' ezikude. Izimbedu za yekwa ngabomu, ka za patwa nempela ; ngoba ku bonw' ukuti loko se ku into e nge na mkub' ezweni la seNatala ; ku into ya sendulo nje, e nga sa sebenzi luto.

Emuva kwa lok' ukwenza ku ka Mswazi, indhlu ya

kwa Ngwane ya hlalisana kahle njalo ne ya semaNgisini, ka Kwini.

uSomsewu, mhla kwa loko, wā cel' izimpondo ze zinyamazane ku Mswazi, e-ti ma zi layitshw' ezinqoleni e za zi pet' impahla. Nembala-ke, uMswazi wa ye se mem' inqina ; izinyamazane la zi bulala kakulu, ze zinhlobo zonke. Izinqola, zite zi buyel' eMgungundhlovu, za zi twele kakulu, zi twele zon' izimpondo lezo e za zi celve "umkwenyana."

## 27

## IZIBONGO ZI KA MNKABAYI KA JAMA

[uMnkabayi údadewab' uSenzangakona. Wā zalwa uJama ka Ndaba ; wi zalwa langalinye no Mmama,—be ngamawele ; elikulu ku nguy' uMnkabayi. Wa ye umunt' omkul' impela kwa Zulu ; e inkosi : amakos' e-zwe e bekwa uye. uDingana wa bekwa uye, ngo kubulawa ku ka Tshaka. Naye, wāke wa patapata, uDingan' e sa banga no Mhlangu ; e nga ka m bulali.

Nxa ku pum' impi, i yo ku-lw' eziwzeni, ya i nga yek' uku-y' emzini wake, eMahlabaneni, ebaQulusini, i yo tat' itongo. It' i nga fika lapo-ke, yen' abes'e bincis' o kwe ndoda ; a fak' umqubula ; a pat' isihlangu no mkontu ; a hambe pakati kwo mkumbi.

Lapa ku bongw' amakos' a kwa Zulu, na namuhla loku, nay' u ya ngeniswa ; ku gcinwa ngaye, ngob' e ngowesifazane. I ning' indaba ye-zwe e pata le nkosazana yo hlanga. U no dum' olukulu.

'B. ku k. 112, la ku kon' amazwan' amanye a pata yena, ne simo sake.]

uSoqili!<sup>1</sup>

Iqili la kwa Rotshoza,<sup>2</sup>

E li-dhl' umuntu, li m yenga nge ndaba.

Li-dhl' uBedu, nga sezinyangeni ;

<sup>1</sup> Kwā-tsh'unina, isangeno (isangelo) sake, lap' umunt' emu-p' into ; a bonge-k' umuntu.

<sup>2</sup> Umuzi ka Mnkabayi. Wa w-akelw' uTshaka ; nga sebaQulusini.

Wa-dhl' uMahamule ka Mlōmo ;  
 Wa-dhl' uMkongoyiyana, nga sema Ngadeni ;  
 Wa-dhl' uBeje,<sup>1</sup> nga sezanuseni.<sup>2</sup>  
 u'Buku<sup>3</sup> lu ka Menzi !<sup>4</sup>  
 O lu bamb' abantu ;  
 Ngi bone ngo Nohēla ka Mlilo ;<sup>5</sup>  
 O lu m bambe, wa nyamalala.  
 Inkom' e kal' eSangoyāna,<sup>6</sup>  
 I kale, umlomo waye wa boboz' izulu ;<sup>7</sup>  
 Iye ye-zwiwa uGwabalānda,<sup>8</sup>  
 E zalwa uMndaba, kwa Kumalo.  
 Intombi e tombe, y'om' umlomo,<sup>9</sup>  
 Zase zi yi hlab' intanti, e za onina.  
 uMtobela<sup>10</sup> bantu izinyoni ;  
 Ba ya zi bamba, u se zi buka nga mehlo.  
 uVula-ba-ngene, ngaw' önk' amasango ;  
 Abanikaz' umuzi ba ngene nge zintuba,<sup>11</sup>  
 uMncindēla ka Nobiya,<sup>12</sup>  
 uMhlatuz' u zo gewal' emini.

<sup>1</sup> Ka kuye o wa seNgome : ómunye.

<sup>2</sup> Ku ya bonakal' ukut' uMnksbay' wake wa busa, wa ba iNkosi ;  
 ngoba naku wa ye bulal' abantu. Izibongo zake zi njeng' e ze ndoda.  
 Wa busa pakati kwo kufa ku ka Tshaka, no kungena ku ka Dingana.

<sup>3</sup> Amanz' a no daka, njenga semhlängeni.

<sup>4</sup> uSenzangakona.

<sup>5</sup> Isibongo so muzi ka Dingana,—uMgungundhlovu. Ku-tiwa :

“ Kwa Nohela ka Mlilo !  
 Umlil' o vut' izintaba zonke.”

<sup>6</sup> Intatshanyanyana, i senhla kwo muzi, eMgungundhlovu ; eduze.  
 Iyo le e bonakalayo emfanckisweni o ku Hlangakula, k. 64, emnyama. Kwa ku kon' imizan' emtatu lapa, ye Nkosi.

<sup>7</sup> Urukala kwayo o kwā boboz' izulu.

<sup>8</sup> Kwaya kwe-zwa no munt' okude.

<sup>9</sup> Sengati wa ye zil' ukudhla ngob' e tombile.

<sup>10</sup> Uku-tobelā, ükw-eqel' into ; i bi si-za lapa.

<sup>11</sup> Ku-tiwa futi : “ Na bannimuzi ba zo ngena nge zintuba.”

<sup>12</sup> Abanye ba-ti : “ uMnqindela ka Noyile.”

Imbibakazana,<sup>1</sup>  
 E ya qamb' imingqa,<sup>2</sup> kwa Malandela,  
 Ngob' e lungis' izwe, la lunga ;  
 Kwa hlalwa pansi ;  
 Ya-ti : “ A ba kwa Malandela,  
 Kona be zo qananaza<sup>3</sup> ngazo zonk' izindhlela.”  
 uNdamase,<sup>4</sup> ngo kw-onde' amadoda,

## 28

Ku qala ngo ku-yo-gaul' izintungo ehlatini, ezincane,  
 e zi ngango munw' omkulu, ne zi ngapezulwana. Bese  
 kw-ebulw' inxoza (emungeni, na kwe miny' imiti nje).  
 Bese kw-akiwa-ke. Se ku-mbiw' umsele-ke. Se ku  
 gxunyekwa kuwo : ku gxunyekw' izintungo. Se kw-  
 akiwa-ke. Ku tekelezwe. Ezinye zi-miswe ; ezinye zi  
 gotshwe. Ku balw' amaqondo ; kuye ku pele ku teke-  
 lezw. Ku tekelezwa nge nxoza.

Ku zo qanjw' ufido emuva ; ezinye zi gotshwe,  
 ezinye zi-miswe. Bese ku yo fik' ezininini ze-ndhlu ;  
 se ku dhlula ku-y' emnyango. Bese ku sal' imbob'  
 emnyango ; kw-akisw' o kwa sofindo.<sup>5</sup> Ngo kupela kwa  
 loko, se ku hanjwa ku-yo-gaul' izinsika. Se zi-mbelwa ;  
 se zi fakwa. Se ku paswa pezulu ; ku paswa nge mtshayo.

<sup>1</sup> Umtendekazana.


<sup>2</sup> Imdende.

<sup>3</sup> Uku-hamba nje ; uku-gijima nge ndhlela. 'B. ku Hlangakula  
 k. 41, c. 6.

<sup>4</sup> Uku-damase, ükw-enama ; uku-busa.

<sup>5</sup> 'B. umfanckiso, k. 108.

Umtshay' omkulu, o suk' emnyango uy' u tshay' ofindo, ku-tiwa 'umqadi.'



Si vunyelwe o-Messrs. Stantial and Allerton, Pietermaritzburg.]  
Ukwakiwa kwe-ndhlu.

Bese ku tatw' utshani ; bese ku fulelwa-ke. Utshani lobu, bu sikwe umfazi, o ku uyena mmini wa leyo-ndhlu. Bese kuti, ku nga pel' ukufulela, edan' e yi bopa nge

ntambo, ukub' utshani bu nga muki no moyo. U yi bopa na bany' abafazi. U se zo tand' isala ; abes'e si beka pezul' okakayini. U si beka qede, ku kon' izintambo e zi za u'bamb' utshani ; z'ehle, ziye zi hlabe pansi. Bese ku ba kon' e zi nquma kibili. Uzohamb' e pamba-ke, e pamba lez' e z'ehlileyo ; na lez' e zi nquma kibili.

Ku ya pela loko-ke, u se land' inhlabat' enhle, ye siduli. U se-mba pakati kway' indhlu yonke ; e-mba nge geja. U se yi ngemisa-ke, e yi hlela, e yi tela nga manzi ; i tambe. U se tat' izitebe ezidala, ne mbokodwe ; u se tshaya nge-tshe ngapezulu ; e gxoba. W-enze nje, ka yedwa. U na bany' abafazi, ne zingane.

Ngo kupela kwa loko-ke, se ku ya punywa. Se ku ya-sa kusasa. U se yi sinda-ke ngo bulongwe. U se yi gudhla-ke nge mbokodwe. Isiz' i yome e yi gudhla kancane. U ya yi yeka nge liny' ilanga iz' i dabuk' izimfa. U zo yi gudhl' a yi qinise ; ed' e nyenyeza nga manzi, ed' eti 'pu, ngo mlomo ; e yi gudhla. Isiz' i pele-ke.

Utshani lobu, o bu fulelayo, insinde ne ntunga. Izinsika a zi kete muti ; ku ketw' umut' oqinileyo, o ngez' u'tshetsh' u-dhliwe umuhlwa. Izinsik' e zi faneleyo e zo mtomboti, no mtolo, no mnquma.

Ukugau! izintungo ne zinsika, umsebenzi wa madoda ; no kupasa. O ku-yi-fulela, o kwo mfazi ; no kusipul' utshani ; no kupot' izintambo.

Iziko li ketelw' o kw-aziyo. Ku ne zinyanga. Umbu ndu, o zo bekw' izitsha no tshwala, a wu ketelwa nyanga.

## UKUBUYISWA KWA MADHLOZI

UKUBUYISWA kwē dhlozi loku—ku-f' umnumzana, mhla-umbe ku-f' inkosikazi ; a ba buyiswa bonk' abantu. Ku buyisw' izinhloko zo muzi. Ma ku-f' umnumzana, ku hlatshw' inkomo, ku-dhliw' imiti, ku-tiwe "ku-dhliw' amakubalo." Bese ku hlalwa-ke, ku ziliwe, ngoba ku-fiwe. Amakosikazi a hlal' a nga puc' ekanda ; a nga fak' isibuda ezinhlokweni—abafelokazi. Kuzoti-ke, nxa so ku lungisw' umuzi, se be zo puca ; izinhloko ba zi fak' ibomvu. Ukuti-ke loko, se be hlambulukile. Bese ku hlatshwa-ke ; so ku tetw' amadhlozi ; so ku bongwa ; so kw-enziw' utshwal' obuningi.

Ukubuyisa loku, ukuti so ku buyiswa lo munt' o se wa-fa, ukub' e-z' ekaya, a bē idhlozi e li zo ba 'beka lap' ekaya ; e li bongwayo. Ku-tiwe ilona e li ba sindisayo.

Se ng'etemba lapa ; ngi hamba nje, ingabe ngi-y' empini, ngi bonga yena ; ngi temb' ukuti ubaba u yo ngi 'beka, ngi sinde, ngize ngi buye. Iwona lowo-ke umkuba we dhlozi ku bantu.

Kuyoti lap' e-fil' umuntu, ku gwazw' inkomo, ku-tiwe ka buy' a hlangane na wa banye e se ba-fa. Ku gwazw' inkomo qede, lo ofileyo a menyewze nge zibongo zake. Uma ku kon' uyise, u zo menyewza uyé ; ingabe ka seko, a menyewze umfowabo. U m memeza njalo, u-mi esibayeni, enhla naso, lapa ku zo gwazw' inkomo.

U-ti-ke omemezayo : "Izwa-ke ! Se si ya ku buyisa namuhla ! Se si-ti, hlangana na lab' abanye, okad' u nga hlangani nabo !" U sē m biza nge zibongo, e-ti : "O wāti, wāti." Ubuy' u 'bek' umuzi wakwenu nawe. U

nga wu tebesela umuzi wakwenu, ka u seze wa menyewza ndawo ; loku lowo munt' u 'bek' indhlu yakwabo, lap' e zo dan' e menyewza kona. Woti, lapa se be ku bona, u su inyoka, u sotangweni, u nga sezindhlini za banye, bese be ku bulala ; be ku bulala be nga kw-azi, beti u inyoka."

Iloko-ke ukubuyiswa kwo muntu. Ku menyewza njalo, amadod' a se kon' esibayeni ; a zelile, e-mi nge-zansi kwe zinkomo, a fulatel' esangweni. Izinkomo zi-mi enhla ne sibaya ; le, e zo gwazwa, i si y' ablukamisiwe kwe zimye ; i-mi yodwa. Lo omemezayo u-mi pakati kwa bantu ne zinkomo, u 'beke nga kuzo ; u ba fulatele lab' a ba zelile. U zoti-ke futi : "Nans' inkomo e se ngi ku buyisa ngayo," a yi-tsh' umbala. Osuk' e ne zinkabi, ku gwazwe ne zinkabi ezimbili, nom' inye. Se ku zo-tiwa ku lo, a zo ku-yi-gwaza : "Igwaze-ke, ngoba se si m tshelile-ke !" Lo ogwazayo, ó wa sohlotsheni lwa labo bantu ; a ba zalwa muntu munye bonke, na-lo ofileyo. U se zo yi gwaza-ke, esihlabankomo.

Omuny' u kutshulwa ku dhlule umnyak' umunye ; omunye u kutshulwa noma se ku pel' imnyak' embili ; ko munye i be mtatu ; omunye a kutshulwe kon' izinya-nga zi zine, noma zi isitupa. Ukudhlulana kwe zikati loku, ku-ya nga bantu, ukuba ba-ti : "A si yek' ukuhamb' ebunmyameni ; ku kanye, ku be mhlope ; ngoba se si m buyisile lo muntu." Ukubuyiswa kwe dblozi ku-ya nga bazali bake (lo ofileyo).

Abanye kuze kú qubek' imnyaka nje, ku-ya ngob' e swel' izinto zo ku-m-lungisa. Kw-enziwa iloko. Nxa umuntu e ne mpahla eningi, kanti u zo hlala nje li nga buyisw' idhlozi, ku zo-tiwa : "W-enzelani, izimpahla zi nga ntuleki na, u nga m buyisi na ?" Sekuzoti, lapa ku-f' omunye-ke, e nga kutshulwanga lo, se li sol' ibandhla,

li-ti : "Ini ukuba, so kwa-f' umuntu, izimpahla zi kona, sekuze ku-f' omunye, kanti lo nga se wa lungiswa wa dhlula na ? "

Ku menyewa ntambama kon' esibayeni, se ku buy' izinkomo. Ku lalwa nje, se kw-aziwa ukut' i ya u' bulawa kusas' inkomo. Naye (idhlozi lelo) usuk' e tshelwa, ukuti ka lal' azi ukut' inkomo yake i si yo bulawa kusasa. Ku nga loko-ke ukuba lo ofileyo a menyewze kibili, ntambama na kusasa. Ku gaywe-ke no tshwala lap' ekaya. Ku gaye umuzi wonke.

Ku menyewa ntambama njalo, amadod' a kona ; na kusasa fut' a kona. Uku memeza kwa ntambama ku zo fana no kumemeza kwa kusasa.

Inkom' i zo gwazw' amadod' e bukela. Iti, i nga kala lap' i gwazwayo, abes'e yi yumela lo o ku uyen' omemeyayo, a-ti : "Kala, nkomo ka baba !" Abes'e pinda zon' izibongo zake, a zi pelelisele, kon' e nga sa zi qedile ; a-ti a ku kanye, ku be mhlope. Ku-tiwa, nxa i kalile, inhle ; y' amukeleke kahl' emadhlozini. Imvu, e nga kaliyo, ka i wa bong' amadhlozi, ngako ngob' i nga kali.

Iti, i nga-w' inkomo, amadod' abes'e yi pendula e yi 'bekis' enhla ; ukanda bese be lu hlabisa pansi, ukaka (umrula wayo) u 'beke pezulu. A se dilik' amadod' e yo lol' izinqindi. Se be yi hlinza-ke, be yi hlinza-ke. Se be yi kip' izito, be yi kip' izito. I si pela-ke ; i si tutwa, i yo ngenisw' endhlini—i yo ba kon' indhlu e tutelw' izinkomo nxa zi hlatshiwe ; i sekaya ; ka ku keti noma i nga senhla, nom' i seceleni. Se ku zo-dhliw' inyam' e bi ntshontshiwe, na macwiyo a cwiyyevo.

Indhlu le e tutelw' inyama, é lal' umunt' omdala, noma isalukazi nje. I zo qal' i sindwe. I ngena nje inyama, se ku sindiwe ; se ku tshanelwe. Inkomo i yo bekw' endhlini ngo hlangoti lwa madoda, i bekewe pezu kwe

sikumba sa leyo nkomo ; s' endhlalwe pansi sonke ; i bi si bekwa pezu kwaso. I ngaze ya fulelw. I hlale nje. Ku kona no tshwala o bu bekwe nayo emsamo,—ukamba noma lu lunye nje, lu gewele, lwa madhlozi.

Inxa ku kon' isalukazi e si lala ku leyo-ndhlu, ku lale sona. Ingabe ka kuko salukazi, ku la'l' abafana. Abafaz' abatsha, abaganileyo, ba nga-yi ngakona ku leyo-ndhlu ; no kudhlula nje, ka ba sa dhluli nga ku lolo hlangoti. Ba hamba ngapandhle, ba hamba nganhlanye kwaw' umuzi. Abafazi-ke lapo, se b'embet' izingubo zab' ezinhle ; se be bince fut' izidwaba zab' ezinhle, ezhilalayo : a ba nga sebenziyo ngazo. Se be lungise izinhloko zab' , se zi zinhle. Ba twel' imnqwaz' emihle ; eminye i be eyobuhlalu, eminye i be eyolembu—imnqwazi leyo i bekw' ezansi kwe zinhloko.

Amadoda wona ka vunuli. Ku ya-sa kusasa, inkom' i si pekw' esibayeni nga mabodwe ne zimbiza. I pekwa amadoda ; abesifazana ka ba yi peki. Ne yo k'osa, umhlubulo, y-osiwa amadoda ; i si-siwa ku bafaz' endhlini, ba yi-dhlele kona. Se be ngeniselw' utshwala (abafazi) ; se be puza. Ba ngeniselwa iwo amadoda. Na madoda a ya puza ku le-ndhlu a hlez kuyo. Inkomo le i-dhliwa isifazana naw' amadoda. Abafazi ba sezizweni ka ba yi-dhli. I-dhliwa a bo hloba lwa lo ofileyo, na bafazi babo. Ku zo fika futi a ba sezizweni,—amadoda, na ba nge yiyo le nhloba, be zo cel' inyama no tshwala ; ba-piwe. Ba fike mhla i si pekiwe.

Insonyama yo kubuyis' umunt' ofile ka y'etulwa ; i-dhliwa iwo nje umuzi kon' ekaya. Amadoda a ya yi-dhla, ne sifazana si yi-dhle.

Amatamb' a le nkomo-ke a zo qoqwa ; abelok' e qoqwa, a buyiselwe kuyo le-ndhlu, lap' inkom' i bi tutelwe kona. Aseyoti, mhla se ku pekw' amanqina,

a-dhliw' a pele, a se tutelw' esibayeni, enhla naso ; a se tshiselwa kona. Kuqala ku basw' izinkuni, abes'e bekwa pezu kwazo emlilweni. Abes'e-tsha wonk' e pela, a be umlota. Ku vuza la mafut' a kuwo, abes'e hlangana no mlilo, bese ku ba izoba nje; abes'e-tsh' e pela nya.

Lap' u su cimil' umlilo, u bu su tatwa umlota u citw' emqubeni we sibaya sonke. Loku kw-enzelw' ukuba ku lungiswe, ngoba ku kon' abatakati. Kw-esatshw' ukuti ba zo tat' amatambo ba takate ngawo, b' on' idhlozi, li be libi; mhlaumbe, li bulal' umuzi walo. Ngoba no mswani u ya kwezwa; ku ngene izalukazi e zi zala lab' abant' a se be kulile, e zi ng' esabiy' uku-ngen' esibayeni. Zi wu tate, zi wu buqe; zi hlanganise no mquba, umuntu angabe e sa wu bona.

Ukubuyis' idhlozi kw-enziwa kuwo wonk' umhlaba wa kwa Zulu, na seSilungwini.

Amadhlozi ak' a baleke; a balekiswa abant' a ba pet' imiti. Kuzauti lo, um' e bona ukut' a se balekile, ukut' a se-za ngob' e se zo bulala, yena u se zo biz' umunt' o waziyo, a zo m tshela; e s' enz' umuti wake, a-ti ake abantu ba hlanze bonke, ba geze nga lowo muti-ke, kw-enza ukuba ku lunge, ku be kuhle.

Bese ku qalwa ku gwazwa imbu' emhlope, e za u' dhliwa-ke ilabo bantu bodwa bo kuzalwa. Nayo-ke i si yo bekwa na manzi lapaya, endhlini ye nyama. (Imbu'i siwa lapa ne nyama ye nkomo i tutelwe kona.) Kudhliw' imbuzi qede, bese ku gwazw' inkomo, ku tetwe ngayo; i tetis' o ku njenga loku kade ku landwa. Na lapo-ke, se be vunula abalobokazi, be vunula kahle.

Amanzi lana, a xutshwe no muti okad' u gxtotshwa inyanga. A se zo pehlwa-ke. A qalwe ngo mkulu kuqala; ku-ye ngo kubekwa kwabo uyise. Ku zo pehla bonke

na mantombazana, njengo kuzalwa kwabo. O nga pehliyo osuk' e se ganile. Amadod' a ganiwe a ya pehla wona. Ku-tiwa, la ku pehlwayo : "Si 'bekeni, loku kade ni si fulatele. Ubani lo u se si pendukele; se ni zo si bulala njena na ?" Kuti, ukuba kw-enziwe loko, ku geine, bala, so ku bonakal' ukuti lo muntu (inyanga) u na manzi amahle, ngoba so ku hlezwiwe kahle.

Impepo ka yi tunqiselwa nxa ku buyisw' idhlozi; i tunqiswa lap' inkom' i hlatchelw' amadhlozi ngoba ku gul' umuntu; kw-enziwe ukub' amadhlozi e-ze kahle kuye, a nge-zi ngamawala, a zo m bulala.

## 30

## UKUBANGA KWA MAKOS' A PANSI, UTSHAKA NO DINGANA

Kwā bang' amakosi a pansi, a bang' umbango kwa Nodwengu, amabel' e hlakulwa, iNkos' i si za u'kot' igeja,<sup>1</sup>—ku sa zeza uKandempemvu; base be hlangana kwa Nodwengu.<sup>2</sup>

A-lwa-ke amakosi lana, ku-lw' uDingana no Tshaka; ba kwelisan' otangweni, emnyango ye-ndhlu ka Masipula; baze b'ehlisan' otangweni, ba wisana pans' ebaleni. Ba qalana li fudumala nje ilanga, kwaze kwa semini ya ntambama. Zi-lwa zi tandelana; ku be e ngapansi, ku be e ngapezulu; ku be e ngapansi, ku be e ngapezulu. Se zi bomvu; zi ya lumana.

So ku ukutsho ku ka Masipul' ukuti : "A ku yo

<sup>1</sup> 'B. uHlangakula. k. 106.

<sup>2</sup> Kwa ku nyakan' uKandempemvu lu hlanganayo; si fanisela nga ku 1866.

tshelw' iNkosi." I si-t' iNkosi a z'ehle zonk' izinduna zi yo bona. Zā-lwa, zā-lwa. Ku ya pindelw' eNkosini, ukuti: "Hau! I sa-lwa, Nkosi, na manje." Ukutsho kwake-ke, ukuti: "Li xotshen' itshinga la seMgungundhlovu. Ni li bambe. Ni li tshire; ni yo tel' umlota wal' eMfolozi."

Se zi lamul' izinduna, zi lamula ngo kuteta, ngokuti: "Tshele, makosi! Kw-enze njani na?" Se ku fika lona lelo li ka Mpande, ukuti: "Li xotshen' itshinga lelo la seMgungundhlovu. So ku ilona e li zo ku-lwa no Tshaka lapa, ingan' abanta ba ka Senzangakona ba qedwa ilo na? Lāti lona li bulal' uTshaka; la liti u hlup' abantu; kant' uyen' e za u'qotul' umuzi wa kwa Zulu." So ku ba njalo.

Ngo ku m xotsha kwabo-ke, uGiba, inyanga ye Nkosi ye silihlu, u se hlangana naye uDingana ngapandhle. (uGib' u be yo fun' amakamb' e silihlu.) uGiba wa ye se m bamba njalo; lok' uGiba, ubet' a nga hlangana ne nyoka, i bi si tonyeka; abes'e yi bamba, a yo yi fak' emhlantini wake we sikumba. (Kwā tungw' isikumba si pela; sa palwa sa palwa, sa tungwa).

Ngo ku-yi-faka kwake, kwase ku-tsh' umuzi njalo, wa kwa Nodwengu. Sekuti, abafana be pekile, egemfini,<sup>1</sup> se ku suk' ilangabi lo mlilo, li xuma, li namatel' ezindhlini ezinye, se ku ba unikela lo mpakati; uti 'bidhli. Se ku-tiwa: "Wa-tsh' umuzi!"

Se lu wu nquma ngenhla, uKandempemvu. Se lu sus' izindhlu, lu zi simbula, (ngob' umlil' onjalo ka wu bulwa nga mahlamvu). Se li vuk' ilangabi. Sekubuye ku yo hlonyw' imkont' ezindhlini; izinduna ziti zi tet' amakosi, ikon' u zo tamb' umlilo. Kwakuyate kumbiwa ne nhlabati, kuti u falakahlw ngay' inhlabati,

<sup>1</sup> Igemfu, 'ixiba o ku pekelwa kulo.

wa vuk' umlilo. A ye se wu nquma-ke amabuto, ub' a bon' ukut' u su za u'tshis' iNkosi; u su za u' namatel' esigodhlweni. Se ku ukwahluleka kwawo-ke.

I si-t' iNkosi ake ku yo-zwiw' ezinyangeni, ukuti, umuz' u-tsha kanje, ini? Izinyanga se zi-ti: "'Ama-kosi! Nank' e be-lwa kon' ekaya, u'Tshak' u be-lwa no Dingana. uDingana u se buz' ukuti: 'Sengize ngi bulawe izinyanga na?' U ya buza-ke uTshaka, u-ti: 'Ini ukuba ngi nga 'tshatshazelwa <sup>1</sup> amanxeba nge nyongo na?'" iNkos' i si ye-zwa-ke.

So ku-tiwa no Giba (o wa kwa Xaba) ka land' inkabi, a yo hlaula. Se ku-tiwa, na kwa Dukuza a ku funw' izinkomo. Ne zi puma kwa Nodwengu se zi-ya kona kwa Dakuza; ezinye zi-ya kwa Bulawayo; ezinye zi-y' eMbeleleni; ezinye zi-y' eSizebeni. I-t' iNkosi ka zi funw' amakand' onke, zi tetwe kona; ku nxatshazelw' amakosi.

iNkos' i si-ti: "Hau! Ni ya li bona lel' iqilan' e la qed' umuzi na? E li ntete z'osiwa muva na? Besi li-t' ezetu si ya ku-z'osa ekaya? Ingani be li-te ka z'osiwe zonke, zi-dhliwe. Selit' uba ba zi-dhl' e za banye, u se-ti ezetu si ya u' z'os' ekaya." U-tsho njalo-k' uMpande. Abuy' a-ti: "Sā bona kanjalo tina, ub' ulimi lwake lu mbaxa; okut' e bulal' uTshaka, ab'e-t' u hlup' izwe, kanti uyen' e za u' qotul' izwe. A-t' umuzi ka Senzangakona à wu hlatshelw' amanqe,—u-t' a lambile; a hlatshelwe irwanqa la seMgungundhlovu."

uGiba wabuya wa m dedela. Wā banjwa qed' uDingana, wa kunyulw' amazinyo; wa ye se dedelwa. Ba-t' amabal' a ka Dingana a ye fana na we nhlwati. Amabal' a ka Tshaka a ye luhlaza; amany' emhlope.

Izinyoka za-lwela kwe sikulu,<sup>2</sup> emnyango kwa ndu-

<sup>1</sup> Ncepezelwa; ukuti nxepé (nxepépa) ko munye, nxa e limele.

<sup>2</sup> Isibayesikulu.

nankulu ; ku Masipula. Zā tolana esironqeni, kona kwa Masipula.<sup>1</sup>

uGiba kwa ku inyanga ye shlungu. Inyoka, ubet' a nga y'eleka nge situnzi sake, i bi si cobeka ; abes'e yi dumel' e se yi bamba. Ne mamba i ngā bi se-ma. U se buya nayo, i hamb' i m tandēla. U ya fik' ekaya nayo, u se yi kumukumula amazinyo ; u se yi futa nge sibiba sake. I bi si y'ahlulek' inyoka ; bese ku pol' emazinyweni. I si fakwa kwe ziny' endhlini.

Beke kw-euke ne sigodhlo na makosikazi, ba-ti : " Ake si yo bon' izinyoka kwa Giba." Koti, be sat' uku-hlal' emnyango, a be sehle wa yi tukulul' emgodhlweni wake. I ye-zw' iNkosi, se be kala ; se be baleka, be qond' esigodhlweni. I si hlekaka-ke iNkosi ngapakati ; i si y' omile ite qa.

Indhlū ka Giba i lap' ezinčekwini ; zi kon' ezindawen' ezimbili, esicamelweni.<sup>2</sup> Yena-ke, u lapa, nga kwe sikulu. iNkos' i bi si-ti : " Be ni yo kw-enzani ku Giba, lok' uGiba ka ni m azi ukut' u iqili na ? A ni ba bona-naga-k' abafana' bake ? " Amakosikazi : " Hau ! Nda-bezita ! Kant' u hlezzi no mtakati ? " " Umtakati wami. Ngi ya u' ni-tshaya ngazo ; ngiye ngi ni ngenise kwa Gib' endhlini."

Kwā duma kakulu lok' ukulwa kwe zinyoka, kwa ba isic' esikulu ; ngoba kwa ku nga nakekelwe muntu, ukuti kant' izinyoka zike zi-lwe na. Kwā-tiwa a bang' umbango ; ngob' ā bulalana ngapezulu.

<sup>1</sup> Pakati no hlangoti lwo muzi, lwa sebunxele,—umunt' e 'beke nga sesangweni.

<sup>2</sup> Isicamelo,—ku-tshiw' izindhlū za mabuto, e zi geine nga sesigodhlweni, enhla ne sibaya, nhlangoti zombili (zo muzi).

## 31

## UKUFA KU KA MPANDE

uMPANDE, e se hamb' emhilaben'i, e se-zw' ukut' u se zo ku-fa, wā kuluma ne zinduna zake, wa-ti : " Isikati sami si pelile manje ; se ngi ya hamba. Tumelani ku Mapita, uMapit' a kip' inkabi emhlope, endala. A kip' abant' abane. Ba qube le nkab' endala, e yintanga yami, ba ya u'tat' ingubo yami," e-tsh' ingubo yake,—isikumba se ngonyama, endala, e si inkosi ye zingonyama ; e nga sa zi bambeliyo izinyamazane ; e si banjewa ézinye.

Wa yi kip' uMapita inkab' endala. uMpande wa ye m layil' uMapita, wa-ti bayoti ba nga fik' ehlatini, ba memeze, bat'i : " U ya ku biz' uwenu ! U-ti, u m pelekezele, ni hambe." Be-tsho lap' izingonyama zi ningi kakulu ; zi ngang' otshani ; inkom' i nga hambi ku leyo ndawo. Zi yi bambe, zi pangelane ngayo.

Kodwa le nkomo, e ya i puma ku Mpande, (inkab' emhlop' endala), ka zi yi nakanga ; ka zi sondelang' eduzé nayo. Ba fika li tshon' ehlatini, eZiyendhle, (li le, kwa Mandhlakazi ; pambi ku ka Mandhlakazi, lapa se ku seduz' eNhengeni).

Ba memeza-ke. Za 'bong' izingonyama. Kute, lapa ku-hlwayo, ye-zwakal' inkunz' endala, intanga ka Mpande. Ye-zwakala pānsi ne hlati. Kwaze kwa pakati ko busuku ilok' i 'bonga. Kanti-ke, i-za kubo. Kute, se ku-sa, ba yi-zw' i si 'bong' eduze kwabo. Lite li pum' ilanga, ya i si qamuka kubo.

Ya i si sondel' impela, i-za kubo. Ya i si lala pansi inkabi ye nkomo. Amadoda a ye se sukuma, omane.

E se bong' amakos' a kwa Zulu. Ya i si fik' enkomeni ingonyama. Ya isifik' i yi hlab' entanyeni, inxeba. Ya-f' inkomo. Ya i si puz' igazi ingonyama, e li pum' enxebeni. Ya i si lala pansi ingonyama lapo. Kwa suk' indoda ya-nye, ya-ti: "Bayede!" I-tsh' engonyameni. Ya-t': "U ng'etuki, se ngi ya ku tata!" Ya-tsho i si pons' umkont' engonyameni. Ya-f' ingonyama. 'A yi zange i-lwe.

Kwase ku hamb' eny' indoda: yesine. I si yo bika ku Mapita. uMapita wa ye se gjima e ya u'bik'eNkosini. iNkosi ya i si-t' a yi botshiwe nge sikumba se nkabi, le emhlope—i twalwe, i hamb' ubusuku ne mini; i tsheetshiswe. Bala, kwa ba njalo. Ya i si fika kwa Nodwengu.

Se ku pum' uZulu wonke. E se hlab' amarubo. E se-t' uMpande: "A yi hlizwe; i tsheetshiswe." E se-ti a ku-mbiw' igodi lake, lap' e zo lahlwa kona. Kwa tsheetshiswa kokubili,—ukuhlinz' ingonyama, no kumb' igodi. Wa ye se-t' uMpande: "Ngiyauti, uma se ngi hambile, se ngi-file, ni ngi bope nge sikumba se ngo-nyama leso; ni ngi lahle ngaso." Wa ye se-t' uMpande: "Se ngi ya hamba-ke manje Salani kahle! uCetshwayo az'a ba pate kahl' abantu bami. Kodw' u yo bus' imnyak' emhlani kupela." Wa ye se-fa-k' uMpande;

Nembala, kwati ukub' a-fe, base be m bopa ngas' isikumba se ngonyama leso; ba m bopa ngaso si se manzi. Wā lahlwa ngaso.

§ Lé ndaba sa yi xoxelwa umzukulwana omunye ka Mpande.

## 32

## IZIBONGO ZI KA MPANDE—III

NKOMO zā-y' eHluhluwe, za buyelela;

Za buya, se zi ne mbali ya mazwi.<sup>1</sup>

Nkomo zā kupuka,<sup>2</sup>

Zi twel' iningizimu, na nge zimpondo;

Zi ya buya,

Se zi twel' inyakato,<sup>3</sup> na nge zimpondo.

We-za ne zibaxa<sup>4</sup> zi zibili,

Esinyé singati si nguNomampo;<sup>5</sup>

Esinye singati si nguNoziqubu.<sup>6</sup>

We-za no Malambule, kwa ba ka Sobuza;

We-za no Sidubelo, kwa ba ka Sobuza;

We-za no Tekwane, kwa ba ka Sobuza;

We-za no Mgidhla, kwa ba ka Sobuza;

amaSwaz' a kaul' uku-m-fung' uSomhlola,—

A yi rulul' imfibinga<sup>6</sup> ngapakati kwa Nodwengu.

uMakalimakānde<sup>7</sup> njenge zulu,

Lona li makalima, li mandindizela.

<sup>1</sup> Ukuba se zi ne ndaba; se zi icala.

<sup>2</sup> E za-y' eSwazini, zi hamba ne-mpi; zo ku-dhliwa impi.

<sup>3</sup> Ku buywa ne zinkom ezinyo e zi-dhliwe imp' enyakato.

<sup>4</sup> Amantombazana,—a tunjiweyo.

<sup>5</sup> Ku-tshivo ngoba be fana no Nomampo no Noziqubu; laba-ke, be ngumdhunkulu ka Mpande.

<sup>6</sup> Nxa umunt' e funga, wa ye-ti: "Ngingahle ngi rulul' imfibinga!"

Se be fung' isifungo sa lapa be konze kona.

<sup>7</sup> iNkos' i nga kuza, beso kungati ku dum' izulu. Li makalima li makanda (izulu) ngo kukanda li ndindizela, ukuba se li talalisa, se li hamba; se li fulatela. A ku lalwā li se-z' izulu; abantu ba juluke, ba be manzi. Li su kalima nje, kak' o la'l ubutongo. A siko isilwane e si njenge zulu. Li makalima li ndindizela, ngoba se li jokola; se l'enzile la lisuke li-we kona. Se li jokola, li bodhla. Uku-kalima, ukw-eqela; abantu li b'eqela ngo kuzaazazi kwalo.

Isikapukapu,<sup>1</sup> si ngamanz' oMkuze,  
uMkuze si wu wele si wu kapuza,  
uMfaki wa majomel<sup>2</sup> ezimpopomeni,  
Kuze ku-s' amajomel<sup>3</sup> e bikelana ne mqele.<sup>3</sup>  
uSongo<sup>4</sup> lwe nsimbi, ya ko Ndikidi,  
E li-dhl' uDambuza,<sup>5</sup> be no Sikombazana.

Inzingelezi ka Ndaba !

E mabal' a zizinge,

Sengat' a bekwe ngabomu :

Ngo kuzingezel' izinkomo zi ka Mswazi ka Sobuza ;  
Wa zingezel' izinkomo zi ka Jobe ka Gece.

uMgwaqo we zinqola,<sup>6</sup> uMatshitsiliza ;

Umunt' e wu landela,

Angaz' a fike kwa Hlatikulu.<sup>7</sup>

U hlasele li balele, kwo Mletshe ;<sup>8</sup>

Wa hlasela li balele, kwo Fabase ;

<sup>1</sup> Uku-kapuzela, uku-fak' amatshoba, abes'eti-ke kapu, kapu, umuntu nxa e se hamba.

<sup>2</sup> Imbangayiye ye-ntshe.

<sup>3</sup> Wahlu! impi, abes'yi xotsha ; iye ya kalakatel' ezimpopomeni ; na ba ne mqele ba kalakatela lapo. O ne jomela-ke u se-fela pezu kwo no mqele. Ba-fela ndawonye. Amajomela ne mqele so ku · bikelana'ke.

<sup>4</sup> Insimbi le e fakw' emasondwen' e zinqola ; e wa zungelezelo.

<sup>5</sup> uNzobo ka Sobadhli, wa kwa Ntombela ; iWombe (ibuto lake).

" uQwangubana wo kuni ;

uMahala nga nzipo."<sup>9</sup>

(Uqwangubana isilwan' esilukunyana,—e si pehl' ukumi). Ku-tiwa wā botshew' esondweni le nqola, kwase ku-tiwa-ke izinkabi a zi hambe. U se-fa. Loko-ke kodwa, amaBun' a ku-pik' impela. Ba-ti bona bā m tshaya nge sibamu, e kanye nay' uSikombazana lowo. uMpande o wa ye-te emaBunwini ma ba bulawe bobabili, ba nga yekwa; u-t' uPiti wā bulaw' eMgungundhlovu nje, ngoba kwa ku-tsho yen' uNzobo.

<sup>6</sup> Ngoba wā namatel' emaBunwini, bona banikaz' izinqola.

<sup>7</sup> Lapo kwā-fela kon' uDingana ; oBonjeni, kwa Nyawo.

<sup>8</sup> Abanye ba-ti 'uMlotsha.'

Wa hlasela li balele, kwa Sikwata

Wa boboz' umtombo we mvula,


Imvula sa si nga sa kw-azi

Uku-yi-bona kiti, kwa Malandela.

Utshwala bu ka gologo,<sup>1</sup>

Ba bu nga puzwa muntu kwa Malandela,

Bu puzwa imhlambi ye zinyamazane.



Isitombe e senziwa u-J. Wallace Bradley, Durban.]

nSiteku ka Mpande.

uSi-basa-ndhleleni,<sup>2</sup>

Za bamukayo, na bahleziyo ;

Ba-t' abahleziyo,

Ikona be zo sala be sok'<sup>3</sup> umlilo.

<sup>1</sup> Lob' utshwala uMpande wā bu bon' eSilungwini ; a ba kwa Zulu kodwa (a ba be nayo lapo), a ba bu puzanga.

<sup>2</sup> Ngo kuvela kwak' uMpande no Zul' omunye, e-y' eSilungwini, wa ye hamb' e basa nge ndhlela. 'B. uTulasizwe. k. 68, la ku-tiwa :

" Izalukazi zi ya u'sal' emanxiweni,  
Amaxeg' a ya u' sala semzileni."

<sup>3</sup> Ukw-oka.

uMhlane ka mama,  
Hamba si muke,  
Si qonde petsheya,<sup>1</sup> lap' abantu bakona  
Be ngange mhlambi ye zinyamazane.  
Indab' e ngi yi-zwe ngi petsheya.<sup>1</sup>  
Ba-ti: "Na kwa Malandela,  
Izwe li mangqepungqepu,<sup>2</sup>  
Eminy' imtwalo i qonde kwa Vuma,<sup>3</sup>  
Eminy' i qonde kwa Nyawo."<sup>3</sup>

## 33

## "UMBEKI WE NKOSI KA BUSI NAYO"

uNomleti<sup>4</sup> ka Madinane wā suka kwa Zulu wa yo konza ku Tshaka, e seLangeni. Kute, uTshaka e se busa, ku dhlalw' umkosi, wa but' izinkomo zake kuwo wonk' amakanda. Kwa sal' amankonyan' odwa. Izinkomo se zi-ma nge mhlambi nge mhlambi. Ku ya pel' ukusin' emkosini, umuntu wonke u se hamb' e yo geza.

uNomleti wā buy' emfulen' e hamba yedwa, e z' etemba, e qotshile; e-ti u nguTshaka. Wa ye se dabula pakati kwe zinkomo zi ka Tshaka (loku ka zi datshulwa). A m bon' uTshak' e dabula kuzo, e-z' ekaya. A-t' uTshaka: "Iipi Iel' ifeka<sup>5</sup> e li dabul' izinkomo zami?" Ba-ti: "uNomleti, Nkosi!" "M bambeni, ni m bulale!"

<sup>1</sup> eNatala, (eSilungwini).

<sup>2</sup> Uku' abantu be nga sa hambi ndawonye; se be citekile.

<sup>3</sup> oBonjeni, o Ju nganeno kwo Pongolo; kwa Nyawo, ku ngapetsheya kwo Pongolo.

<sup>4</sup> Loku a ku gama, isibongo.

<sup>5</sup> O-felwa abantwana.

Nembala, wa bulawa. Kanti, ó wa ye ntule<sup>1</sup> no Tshaka; wa-yá naye kwa Mtetwa. Ku bonakala nga loko-ke, ukut' umbeki we nkosi ka busi nayo.

Wa ye nga bulaw' umuntu ku dhlalw' umkosi; kwā-hluka ngo Nomleti. Ku ya bonakal' ukut' uTshaka wa y'azi ukut' uNomleti lo, o dabul' izinkom' zake, ngoba wa ye m bona ngo mbala we sihlangu sake.

Ukuti, "umbeki we nkosi ka busi nayo," kwā bonakala futi ngo Nocola, udibi lu ka Pakade, e nga ka bi nkosi. Kwa gul' intombazana, e ya gana ku Mqawe, inkosi ya semaQadini. Ya yo bulw' ezinyangeni. Izinyanga za-ti uyen' uNocola.

uPakade wa ye se-ti-ke izinyanga a zi hlonyelw' endhleleni, ukuba zi nga-y' eKunengeleni, lap' intombazan' i kona. U-ti, ma zi zo bona yena kuqala, yen' e seKuyukeni. Bāhlulek' uku-zi-vimbela. Ziye za fik' uKunengeleni; zaye za bikel' umaMacoboza, unima ka Gabangaye.

Wa ye se tumela ku Pakade, e yo bik' ukuti, ku bulwe qede, kwa-tiwani. W'etuka kakul' uPakade, ub' e-zwe ukuti ku nukw' uNocola, ngob' izinyanga u zi hlomel' endhleleni nje, u bet' u vimbel' izwi elinjalo.

U be nga tand' uku-m-bulal' uNocola, ngoba wa b'e ya dingé, e nga ka bi nkosi, a hambe naye. uNocola wa ye se xotshwa-ke uGabangaye, be no nina; ngoba ku-tiwa uyen' o gulis' intombazana. Ya i si lotsholwe yona, i lotsholwe uMqawe. Kwa-tiwa wā hlatshwa ukufa ngob' e-qive impukutshoba,<sup>2</sup>—e lel' ebusuku, e-mbet' ingubo. Isilwane se-z' okwesibili. Kwase ku-tiwa umhlola lo w-enziwe uNocola; uyen' o bang' ukugula loko. Wa ye kal' uPakade, e se-ti: "Bala! Umbeki we nkosi ka busi nayo."

<sup>1</sup> E dingé naye.

<sup>2</sup> Impuknoluti.

Kwaye kwa bonakala futi ku Mbopa ka Sitayi ; ngoba uyen' o wa tat' imkonto ka Tshaka, wa yi nik' uDingana, no Mhlangana. W'elekelel' uDingana-ke ngaloko ; u ya m beka. Wadhlula wa m bulala-k' uDingana,—kon' eduze.

## 34

## IZIGA

## I

1. AMATONYA a ya tonyana.
2. Ukwanda kw-aliwa umtakati.
3. Impi yo mndeni a yi ngenwa o we zizwe.
4. A ku hlanga lwa lahlana lodwa.
5. Igugu li ya donsiswana.
6. Li bunjwa li se-va.
7. Indololwane ya xotsh' umakot' e gobile.
8. uZenzile ka kalelw, ku kalelw' uZumekile.
9. Umzimba u-zwiwa umniniwo.
10. Indhlovu i hlatshwa abantu bonke, kand' ib' i-we.
11. Iso li wel' umful' u gewele.
12. O kuke kw-enza, kupinda kw-enze.
13. Inyoka a yi tshaywa isibili ikanda li nga bonwa.
14. Wo ! A ku buyiselwa muva.
15. Injob' enhle, é tungelw' ebandhla.
16. Inhlambi ya manzi i muka na manzi.
17. Umlungisi u zi tel' isisila.
18. Intandan' enhle, é kotwa unina.
19. Ukuhamba ku zal' induna.
20. Imbilapo i vun' isolonda.

21. Umrawu u suk' esweni, u hhal' enhliziyweni.
22. Isisuso si mnandi ngo kupindwa.
23. A ku nsimba ya zuz' ibuzi ngo kuhlala.
24. 'U ya ku lu tez' ukuni o lu ne nkume.
25. Insimb' i bajw' amagod' e bolile.

## 35

UDADEWAB' UZIHLANDHLO W-ALIWA UZOMBANE;  
UZWANI LU KA PAPU O LWA NQAMUKAYO

Kwā suk' intombi, udadewabo ka Zihlandhlo ka Gewabe, wa seMbo, ya yo gana emaBomvini,—i balekel' inkos' uZombane. Ngob' intombi ye nkos' i bi gan' eny' inkosi. Wafike wa y'ala. Ya buya, ngob' i telwe ngo mlota. Ba-ti, se be-zw' abaMbo ukuti ku gan' e ka Jobe (ka Mapita, ka Mnyanda, wa kwa Sitole), eyakubo y'aliwe nje, ngoba ku tandw' e ka Jobe, (bala, i m gane qede, wa yi lobola), abaMbo ba-ti : " Ha ! Kanti w-al' eyakiti nje inkosazana, w-etemb' ukub' e zo tat' intombi ka Jobe ! "

Base be-ti a ku qatshelwe ilanga lo mtimba, o zo fika ngal' emaBomvini ; o pum' ebaTenjini. Kwa pakw' izinhlolzi zi yo lalela ub' i zo puma nini, i zo sima. Ba li-zwa-ke ilang' e-za ngalo, izinhlolzi zi ka Zihlandhlo. È se yi hlomis' uZihlandhlo. U se yi paka.

U se-ti : " Ngoke ngi-zwe mabandhl' e nkosi ! Nô ba ni kalipile, ni nga nqum' uZombane. Ni m nqume ne ntombi yake, le a yi tandayo. Ni hlanganisele konke no mtimba ; ákaz' a pez' ukuti eyakwetu wa y'ala ngani. A si yon' e yo muntu, nayo e ye nkosi." Yâ puma-ke impi, ya hamba.

Ba wu hlanganisa-ke umuzi, lapa ku-sayo. Ba qala ngo ku bon' izinja zi puma ngapakati ekaya, zi dhlula ngapambili kwabo. Base be bon' umuntu e landel' izinja, ku izinja ngapambili; e landel' emva kwazo. Ba sa petile-ke. Ngob' impi i bi wu hlanganisa qed' umuzi, i nga qal' i ngene ngapakati, ngoba be bon' ukuti, "Qa, ku sa-hlwe kakulu, funa si gwazane sodwa. Ake kungat' uku-kanya kancane." 'Ukwenza kwe-mpi yonke, ne ka Tshaka; ngob' e ngen' ebusuku, a yi bonani; b'etuka se be gwaz' abakubo, a ba qamuka ngalapa kwo muzi.

I ye-za-ke inyanga leyo, ka Zombane; e pote umyeko njengo mngoma. I ya ba bona, se be seduze. Wa ye se tatela-ke uPapu, (yena u ku le ya kwa Zihlandhlo). U se yi gwaz' amahlanze; ka yi cibanga no ku yi ciba. Wa yi gwaza, wa yi qeda. Base be hlanganisa, se be ngena ngapakat' ekaya; ngoba se ku mpondozankomo, ku qamb' ukukanya. Ba gwaza ntombi, ba gwaza ndoda, ba gwaza mfazi, ba gwaza ngane; ba tshaya ba 'buqa. Ba gwaza ne ntombi ka Jobe, le e bi zo gana.

Ngo ku-ba-qotula kwabo, se ku pume ne langa, se be cing' izidumbu. Se be yi bona-ke le ntombi, ukuti nansi lap' i-fele kona; i si-file. Se be yi rudula-ke, be yo yi pons' odongeni; lu seceleni kwo muzi ka Zombane. Se be rudul' ezinye-ke, se be zi ponsa ngapezulu kwayo. Seluze lu gewal' udonga, 'pama! Umtimba wa umningi, u zo ganis' inkosazana. Yona ya geina ngapansi.

Ba-ti: "Bayoke be-zwe be tatululwa, be funa yona ngapansi; ngoba, pela, bazauti, lapa be lunguz' odongeni, ba nga yi boni; ba bon' abafowabo." Se be zi-dhla-ke izinkomo lezi,—lezi a se bongwa ngazo uZihlandhlo. I si ya buya-k' impi.

Se be-zwile-ke ukut' izinja lezi be zi landela yon' inkosi, uZombane, ngoba kut' e lele, wa pup' impi i m-

gwaza; w'etuka, wa vuka. Wa ye se yo vus' inyanga yake, e se yi tshela: "Ngi landela ne miti yami." Kant' myanga le, uPapu u yi gwaza nje, i bi landelana ne nkosi. Kwala kancane ukuba i m fice yen' uZombane, ngob' izinja zake e za zi m landela, bā zi bona. Úyena yedwa a ba nga m bonanga. Ngoba naye, a ba m bonanga ukuba ku-hlwile. Na sezidunjini, a be be zi bulala, bā tol' umlobokazi yedwa. Ba be sa yi fune inkosi ezidunjini, a baze ba yi tola. Se be bon' ukuti inkosi y-eqile.

Se zi ketwa pel' izingwazi, ngoba zi hamba zodwa. Se zi nikew' inyanga-ke, e za u-b'elapa, uGabazana; o welap' izingwazi ze zimpi zonke. Ya buya-ke impi ya seMbo. Ya buy' i jabulile, ngoba be bulel' intombi e y'ahlul' eyakubo. Ba-ti: "Kodwa, be si zo jabula kakulu, ukuba be si ba bulele bobabili ne ndoda yake; uZombane az' a peze ngomuso."

Ukuba ba fik' ekaya, se z'elatshwa njal' izingwazi lezo-ke. U se ba potula; u bese ba dedela no kndhla akade be nga ku-dhli. Ngob' i kon' inyam' a ba nga yi-dhliyo, uma be nga k'elatshwa, ba potula. 'A ba lu-dhl' usu. A ba wa-dhl' amatumbu. Konke kwa ngapakati, kwo mbilini, a ku-dhliwa.

uPapu,—se ku iminyaka nje, wā gula; ku-tiwa 'iqungo', wā gwaz' inyanga ka Zombane; k' elapekanga. Kwa pindelwa ku yen' uGabazana. Wa sinda. Kwaze kwabuya kwa-f' izwe la seMbo, li bulawa uDingana, mdhlana ku-f' oSambela nō Zihlandhlo, be bulawa impi ka Dingana. Ngob' oSambela no Zihlandhlo, ka ba bulawanga umkuhlane, ba bulawa umkonto.

uPapu, nga leyo-mpi, wa ye gwaze kakulu, abant' abaningi (impi ka Dingana, iZinyosi no Mbelebele). B'elatshwa futi-ke.

Kwati, e se seSilungwini uPapu (nge mnyak' eminye, se ku bus' uSomsewu), la m vuk' iqungo. Kwase ku vuvuk' amazwan' o nyawo, e nqamuka. Se li-dhla lel e li landel' elikulu, (nga kwesinxele), ku li tshokotshela, kuze ku fike pansi ku matamb' alo, lapa li mile kona. Se b'ahluleka (izinyanga) nge zihlungu, ngob' e kal' a juluke; inhliziyo pakati i-ti: "Fana! Fana!" I ncanyanyana, iti a i pele.

So ku yo bulw' enyangeni. I-ti: "U vukwe iqung' uPapu. Inganti wā gwaz' inyanga ka Zombane na? W'elatshwa uGabazana na? Kwabuya kwapinda kwa vuka na? Wabuye wa kw-elapa fut' uGabazana na? uGabazana w'ahluleka kona kuqala. Uma ba b'azi, ba be yo qamb' eny' inyanga yesibili. Mina-ke ngi nuk' uNgoyana. Ngi-ti, a ku-yiwe ku Ngoyana, o wa yelap' izingwazi zi ka Sirayo (wa kwa Nyuswa)." Kwa-yiwa-ke ku Ngoyana.

uNgoyana wa fik' ekuseni. Wa m elapa, wa m elapa; wa goduka ntambama. Wa-ti: "Ngi yo buya kusasa futi." (Umuzi wake u seduze.) U ya fika kusasa, ka sa yi-zw' imbibuzi (ku-tshiwo nxa umunt' e gqira); ukuti 'ukububula' ku buhlungu. "Ku njani Papu na?" U-ti: "Ingant' u fika nje nawe, ngi-dhl' ukudhla na?" Wa-ti: "Ngi lale ubutongo ngati zu." Kanti so ku ukusinda kwake njal' ukupela.

## 36

## IZIBONGO ZE ZINDUNA ZA KWA ZULU

(a) UMDHLAKA KA NCIDI<sup>1</sup>

[Undunankulu ka Tshaka]

uKATA-LUKULWINI,<sup>2</sup> ba<sup>3</sup> lw-esabayo uZulu,  
Ati 'ponse' pakati kwabo.

O nyatela ngo mkont' enhlakanhlakeni;<sup>4</sup>  
O lobola ngo mkontu kwa Nxaba,<sup>5</sup>  
Zonk' izizwe za m balekela.

uNgqomumbonjeni!<sup>6</sup>

uKata-lukulwini ku maNdwandwe;  
Inkom' e bi xopile,<sup>7</sup> e kataz' uNdwandwe.  
uSigubudu<sup>8</sup> se mkontu.

uNgwadhla<sup>9</sup> pangel' uMbelebele;

uZagiyana ze mkontu!<sup>11</sup>

uMahlatshw' ebuhleni.

<sup>1</sup> Ka Ntopo, ka Ndaba, wa kwa Zulu. Wa u seNsuze umuzi wake wa seNhlonja; u kona-ke fut' omunye wa seKwibi. Inkosana yake kwa ku uNdwandwe, —uNdabakawombe.

<sup>2</sup> Uku-ngena masinyane lap' i ningi, i kandene kona.

<sup>3</sup> Umunt' a ngat' o ku fanele, ukuti, "kua ba lw-esabayo;" kant' ulimi so Iwa jwayela lokuya.

<sup>4</sup> La ku hlakazeke kon' izimpahla, ingabe izibi.

<sup>5</sup> Ka Mbokane, wa kwa Vundhla.

<sup>6</sup> Uku-'bekan' eduze no munye; imibombo i si sondelene; njenga nxa ku-liwa, impi i si ngene pakati kwa le enye, abantu se be bukan' eduze.

<sup>7</sup> I ne bala. <sup>8</sup> O bunzi li pumele kakulu. <sup>9</sup> Umkonto.

<sup>10</sup> Ngob' owak' umkonto wā finyelela ku bafo kuqala, uMbelebel' u nga ka fiki.

<sup>11</sup> Lesi-ke, wa si-tiwa uTshak' uqobo. Wa ye liqaw' elikul' uMdhlaka; ezibongweni zake kuloku ku patw' imkonto. Umfowabu, uHlati, naye wa ye liqawé, e fana naye:

"uNozijeje ka Neidi!

Ingeayi a ba geaye ngayo iNtontela.

uJoj' o wa mila nsib' emlenzeni.<sup>21</sup>

B. ku Tulasizwe. k. 116, la ku kon' indab' e pata yen' uHlati lo.

## IZIBONGO ZE ZINDUNA ZA KWA ZULU

(b) UNDHLELA KA SOMPISI<sup>1</sup>

[Undunankulu ka Dingana]

GWABINI<sup>2</sup> we mikonto !  
 uNonjiyelwa ku lala, uhlangoti lu bomvu ;<sup>3</sup>  
 uManxeb' a ngamanxuluma.<sup>4</sup>  
 iNsingiz' e dond' ukusuka.  
 uMagaju<sup>5</sup> njenge-ngwe ;  
 iNhlang' e yeq' i pindela ;  
 Kwasa be m hlab' uGwabini, wa pika.  
 'U na babuyeli a ba ngakanani,  
 A ba buyel' umuntu e-nza ngamabomu na ?  
 uSonyankanya !  
 uMyakanya, a duka<sup>6</sup> na Mapela.  
 uSilinda maNdwandwe,  
 amaNdwandw' a kaul' amate.  
 uMwelela kwe li petsheya !  
 uMweli ; i wele yonk' iNtontela.<sup>7</sup>

<sup>1</sup> uSompisi, u magama mabili; elesibili, uNkobe (ku-tiwa wā gay' izinkobe zi ka Senzangakona). Uyise ka Sompisi, uKuguqa, ka Msalela, ka Nomatshingila; wa kwa Ntuli, emaBheleni.

<sup>2</sup> Loku, sengati ku-tshiwo ngob' elok' e gwaba nge sihlangu, okugati ku kon' a ku vikavikayo; w-enze njalo, ku xakaz' imkonto.

<sup>3</sup> No Misjana (umfowab' uSomsewu) u nas' esinje—e si pat' ukuhlatsha kwake mila et' u yo bamb' uMatshana ka Mondise, nga seMsinga (ngo 1858).

<sup>4</sup> Ngob' e banzi; e makulu.

<sup>5</sup> Ngob' e xumiš' o kwe-ngwe nxo i bamb' inyamazane.

<sup>6</sup> A duka = o wa duka. amapela, ibut' elinye li ka Zwide. Wi duka nawo, ngob' e ba xotsha,—be baleka.

<sup>7</sup> Lezi, wā zi tola mhla uTshak' e-iwa no Zwide, be yi qale kya Nomveve, ba yi goin' eMhlatz' ezibuktweni. 'B. ku Hlangakula, kk. 9, 10. uNdhlela naye wa ye iNtontela; e intanga ka Senzangakona.

uMzac' o sikomb'<sup>1</sup> amaNgwane.  
 uSiquz'<sup>2</sup> abantu, sa kwo Gwabini.  
 Ku-se wa sal' uNdhlela !  
 " Hayi buy' impi ! "<sup>3</sup>  
 Ku ya-sa njalo, wa sal' uNdhlela !  
 uNakanāka, ngi ya sala ;  
 uMandhlan' a ngang' a wo mntwana.  
 uGod' o lu muka na Mankayiya,<sup>4</sup>  
 aMankayiya ka Zwide.  
 uZinsonge,<sup>5</sup> zi ngapetsheya kwo Tukela.  
 uMahlatshw' ebuhleni, njenge tole ;  
 uHlahla vimbel' iNtontela ;  
 uNdaba za fika nqangi<sup>6</sup> ku Dhlungwana, eMbele-beleni.  
 'U no lusingan' o lu ngakanani,  
 O lu nga tung' uNdhlel' amanxeba na ?<sup>7</sup>

<sup>1</sup> U·si' lapa, (ku *sikomb'*), u ngeniswa imbongi, et' u kulupalis' ukukuluma; a kw-enze ku be kuhle.

<sup>2</sup> Uku-quza, dku-kalima; u kalima le-mp' a yi gwarayo; u yi pindisel' emuva.

<sup>3</sup> iNkosi e-t' impi a yi buye, i land' uNdhlela. Indab' enye e pat' okunjalo i ku *Hlangakula*, k. 42.

<sup>4</sup> Ibuto li ka Zwide.

<sup>5</sup> Ku-tshiwo izinsonge zo mfula.

<sup>6</sup> B. ku k. 103, c. 3; na ku k. 157, c. 8.

<sup>7</sup> A kwa Ndwandwe; 'a ngamanxuluma'.

38

**IZIBONGO ZE ZINDUNA ZA KWA ZULU**  
 (c) **UMASIPULA KA MAMBA<sup>1</sup>**

[Undunankulu ka Mpande]

u'BUBU<sup>2</sup> ya ndaba, namuhla ku nge ndaba!<sup>3</sup>  
 uMdilimba we ndwengula.<sup>4</sup>

Mahamule ka Mlōmo!

uMahamule ka ngi tshelanga ngi baleke;<sup>5</sup>

Nami be ngi zo zi balekela.

uNomandindi we milambo.<sup>6</sup>

uNkomo za vus' imzil' emdala.

Ukudhla ku na mandhla ku maHamulekazi;

uNkomo za vus' imzil' emdala,

Ngoba za vus' e ya kwa Magonondo,

Za vus' e ka Ndungunya no Somhlola.<sup>7</sup>

uNkomo ka zi-dhlelani ne za kwa Mate.

O-ze no Mgidhla,<sup>8</sup> e zalwa uSobuz', eSwazini;

We-za no Tekwane,<sup>8</sup> e zalwa uSobuz', eSwazini;

We-za no Malambule,<sup>8</sup> e zalwa uSobuz', eSwazini.

<sup>1</sup> Ka Sidinane, ka Ntshangase; wa kwa Ndabezita.

<sup>2</sup> Kungati loku ku suk' ekububuzeni (bhuhuzeni); uku-bubuza, ukw-enz' umsindo o njenge nyoni i tshay' amapiko, i bajive.

<sup>3</sup> Kwā ku-tshiwu kanje nxa e giyayo. uZimema (ka Zikulukutwana), inceku ka Songiya, unina ka Mpande, naye wa ye bongwa kanje.

<sup>4</sup> Uku-dwengula, ukw-enza kakulu; njengo ku-lim' insim' enku; no ku-hamb' ibang' elikulu. Ka ku kanyi kahle, kodwa, ukuba lol' uhlamu, lokuti "uMdilimba we ndwengula," lu-tini; ukuti 'ndwengula' loku, umunt' angaz' a-ti ku pat' uNdwengu, umuz' omkulu ka Mpande.

<sup>5</sup> Ukuti ma ngi baleke.

<sup>6</sup> U ndind' emfuleni; u hamb' e zula ngakona.

<sup>7</sup> Amakos' a seSwazini.

<sup>8</sup> uMpande naye u ya bongwa nga laba.

39

**IZIBONGO ZE ZINDUNA ZA KWA ZULU**  
 (d) **UMNYAMANA KA NGQENGELELE<sup>1</sup>**

[Undunankulu ka Cetshwayo]

iNKAYITSHAN' encinyane,<sup>2</sup> ya seKutshumayeleni.<sup>3</sup>

uMtshikatsha<sup>4</sup> u nga ndhlovu;

Zi sel' emacibini.

uMqandeleti,

O qandelel' izinewadi zi lotshwe uMalimade.<sup>5</sup>

iNdhlapu,<sup>6</sup> e dhlapun' uSomsewu, e zalwa uSonzica,

Umuntu kwaze kwa-s' e nga lele butongo.<sup>7</sup>

uMnguni wakiti, kwa Nomahina,<sup>8</sup>

O nge njenga beNguni ba seGudu,—<sup>9</sup>

Bona be makanjan' ā zilukuhlane.<sup>10</sup>

uSotantant'<sup>11</sup> abantu, njengo 'tangazana.

<sup>1</sup> Ka Mvuyana, wa kwa Butelezi. 'B. k. 108.

<sup>2</sup> Wa y'emcane; imlenze yak' i mncane; e mnyama; e ne silevu e si ngango sandhla (ubude baso).

<sup>3</sup> Umuzi wake.

<sup>4</sup> Uku-tshikitsa; uku-hlikila,

<sup>5</sup> u'Sir Melmoth Osborn, inkos' e yake ya pata kwa Zulu.

<sup>6</sup> Uku-dhlapuna, ūku-tapuza,—ūku-bamb' umunt' emzimbeni nge minwe.

<sup>7</sup> Lol' uhlamu sengati lu pat' endaben'i ya mhla uCetshwayo e buyisewa uSomsewu kwa Zulu, kad' e botshive. uZulu wa butanel' eMtonjaneni, ngo 29 Jan. 1883. Kwase ku kulunyw' indaba,—be kona bonk' oCetshwayo, no Somsewu, no Dabulamanzi, no Mnyamana, no Hemulana, ne zindun' ezinye; kanye na bantu-ke (5000).

<sup>8</sup> Umuzi ka yise, uNgqengelele; eliny' igamu la lowo muzi, ku seNsukazi.

<sup>9</sup> Intaba; lap' a ba kwa Ndwandwe ba dabuka kona.

<sup>10</sup> Isilukuhla, isilokohla,—ku-tshiw' umunt' o ne kand' elikulu. Lapa-ke, ku nga-tiwa: "Bona be makanjan' ā makudhlwana."

<sup>11</sup> Uku-tantanta, ūku-qoqoda; ngoba ku nguyen'a 'ngqwele'.

uMsut' o ngubo zi mawanguwangu,<sup>1</sup>  
 Zi nge njeng' e za bafundisi be pum' esontweni.  
 uNkomo za gudhl' amaguma, na nge zimpondo,  
 Ngoba za gudhl' ā seMhlohlalanga.<sup>2</sup>

O kitshw' enqabeni yake,  
 Waye wa petel' enqabeni ka 'Kambi na Mlōta.  
 iSakukazana, e si mapiko ;<sup>3</sup>  
 Si fukamel' amazinyan' e ngonyama,<sup>4</sup>  
 Pakati ku ka Godhlankomo no Ceza.<sup>5</sup>  
 iShlahl' esimsiti,  
 Si sit' uMaxabana, e zalwa u'Bambula,  
 Sa sit' uNozipungwana, e zalwa uNyanda.  
 uMgaseli wa goqo la zita,  
 L'enziwe abeLungu kwa Sitshwili,  
 L'enziwe uMzitshāna,<sup>6</sup> be no Jantoni.  
 uZwānda lwakit' eKutshumayeleni,  
 Be be lu xokozelela abakit' eKubhazeni ;<sup>7</sup>  
 E xokozelewa uMjwapuna ka Malungwana ;  
 E xokozelewa uNdabankulu ka Lukwazi,  
 No Mankulumana ka Somapunga,  
 Be no Maboko ka Masipula.  
 uHlabana ngo lubekebekana,  
 A be wu 'tete ku Zimema<sup>8</sup> ka Mgenewa ;  
 Ba-ti : " Imbelek' i dabukile, wena ka Ngqengelele."

<sup>1</sup> Zi mhlope.<sup>2</sup> Isigaba se buto li ka Mpande, kwa Gqikazi.<sup>3</sup> Isikukazan' e si na mapik' amakulu.<sup>4</sup> Izinyan' elinye kwa ku uDinuzulu ; bē kona fut' abany'abantwana be Nkosi.<sup>5</sup> Izintaba zombili ; ku Ceza, ku kon' ihlati.<sup>6</sup> uMisjāna, umfowab' uSomsewu. A ba kwa Zulu ba be m biza kanjalo, be-hlulek' ukuti : uMisjāna.<sup>7</sup> Umuzi ka Cetshwayo.<sup>8</sup> Ku nge yen' o wa soNgoye.

## 40

## MHLAZANA KW-AKIWA UTULWAN' EMABEDHLANA

UKWAKA ku ka Tulwana eMabedhlana, (lapa be tungelwe kona ūMpande), bē suka kwe le Zigodo, emaKosini, eMkumbane. Kwa pum' uMbonambi (amaTshudu), ne Ndhluyengwe, amabut' amabili, (a kona ku Tulwan' ekaya), ba yo rotsh'<sup>1</sup> ukudhla emaNdhlovini ; emtonjeni wo Mhlahlane.

La li balele, ku indhlal' enkulu, indhlala ka Gubu<sup>2</sup> (ngoba kwa gubuk'<sup>3</sup> amabele, a qamuk' ezingxatsheni pansi ; kwa kungati ikon' e tshalwayo). Kwā-tsh' imfula, kwati qu ! Ba ya fika lapo, se be funyanis' impi. I-t' impi : " "A n'azi ini ukuti tina si Zigqoza ? Sā sala ku Mbwayazi na ? Ningezo na ku rotsh' okwet' ukudhla —igazi." Se be fak' induku kona lapo no mkonto.

Ngoba, lite li fik' ibuto, se li rotsh' enqolobaneni, li bopa, li hamba. Abanye ba bas' umlilo kon' esangweni ; ba tulul' amasi ; se ba ya-dhla. Au ! Mpande, ka babe ba sa qula, uku-ba-buza. Ngob' iZigqoza za kuluma kuqala, ba-fi : " Amanga ! Musan' ukw-enze nje kiti ! Ni pang' ukudhla ; ni s'az' ukuti ā si bakini na ? " A ba ku naka konke loko. Ba-ti nje : " Rotsha, wetu !" " Rotsha, nyoni !" " A rwayele, wetu !" " Si ya m az' uyihlo."

Za-t' iZigqoza : " Ka ni si boni ini, ukuti si zinsizw' ezinye ? Si ngowenu na ? " Ba-t' ūMbonambi : " Si intanga yenu ini ? Loku o ku libele amas' ezinkonyana

<sup>1</sup> U ku zi tatela, be nga cole ku muntu ; uku-komondela.<sup>2</sup> = Gubhu.<sup>3</sup> Uku-penduka masinyane, ku be ngokunye.

na?" Kwe miny' imizi embili, kanti ku hlatshiwe. Sekuti a ba iNdhuyengwe, se be rotsha be rotsha, se be bon' ukuti ku hlatshiwe ku le miz' embili. Ba bon' inyam' i pekiwe. A yi ka vutwa; i sa fakw' eziko. Bat' ukuba ba bone ku telek' ibuto, liti yala, ba yek' uku-basel' inyama.

Sebeze ba bone muva, ukuti: "Esibayeni lapaya, ku konani?" Ba bona iloku ku tshayw' izinja. Ba cabang' ukuti ku kon' utshwala. Se be-ti: "Ha! Kanti ku pekw' inyama! Rotsha. Rotsha bo!" Ngo ku-ye-pula kwabo—Au! Zi ya pum' izinsizw' endhlini. Zi puma zi zine, lapa ku hlatshwe kona. Ba puma be pet' imkonto, na marawu; be pelele.

Lapa be qale kona, emzini a ba ngene ngawo kuqala, uMbonambi. Se zi pum' izinsizwa ezimbili, e zi uTulwana; se zi ba tshaya. I si suka le, e nguMbonambi; ingat' i ya baleka. I ya yi tshiy' imtwalo. Bā suka ba ya hlafuna; ba tshwelez' umbila, ba ya gazinga. I si kude le, efike ya bopa yona, ya hamba. A y'azi yona ukuti ku ya-liw' emuva.

Sekuti-ke, le-ke, e ku le mizi e ngapetsheya kwo mfula (eMhlangandhlou,—u pum' eNhlaZatshe), wo, i si ya dumelana-ke ngapetsheya. Ba ya memeza-ke, ba-ti: "Nans' impi i si gwaza; iZiggoza! I si gwaza ngo mkonto! Mina, muntu wa kwa Tulwana! Wā baleka na? Baze ba' pel' abantu be Nkosi na?" Leyo mizi-ke, i pel' amaviy' amabili, izidudula;<sup>1</sup> kuti, li linye, ku pum' amaviy' amabili.

"A ba se-zwa-ke, lab' a ba twel' imtwalo. Se be gjima, be hamba. Ku-zw' a ba suka ngemva kwabo. Se be baleka labo, abapambili, be hamba be-tsh' ukuti: "Nans' impi! I ya si gwaza ngemuva!" Ba baleka

Uku-dudula, ūku-xotsha.

njalo, ba twel' amagul' a masi, ba zo ku w'enz' izigubu za manzi. Wo! Ba yi ngena-ke nge mkonto. Ba yi tshaya, ba yi gwaza; ba yi tshaya, ba yi gwaza. Kwa-f' abantu abatatu.

Wa tukutel' uMpande; wa tukutel' uGetshwayo. Ba tukutela bobabili, ba-ti: "Hau! Ba sa yus' impi na? U kon' umunt' o gwaz' umuntu ezweni le Nkosi? U pakwe ubani? O pakamis' umkōntō-lo?

Wa-t' uMpande: "Masipula, tshel' uMavumengwana lo, ukuti uCetshwayo ka hlomis' impi, i yo bon' izidumbu, ukuti, bala, ba-file na." Wa ye se yi hlomis' uCetshwayo, e hlomis' uTulwana. Ya hamb' ebusuku. Kute kū-sa, ya i hlangana. Ba fike be lungile; ba y'az' ukut' i ye-za. Kwa gob' umkonto, kwā-f' o wa kwa Tulwana, kwā-f' o wa seZiggozeni; kwā-f' o wa kwa Tulwana, kwā-f' o wa seZiggozeni.

Kwati, ku le miz' e sezansi, lap' i qateke kona nga-izolo, lapa ku-fe kon' abantu,—ba yi susa-ke, uMbonambi; imizi esitupa. Ba yi tshis' imizi. uMpande wā-ti: "Ngi-tsh' inja! Ini ukuba kwā-f' abantabami, babuye ba vus' umbango na?" Wo! Ba yi tshisa.

Wa ye se kupuka-ke uMbonambi, e-za ku le e-lwayo, amaviyo amabili; e se hlangen' iSikuHla no Tulwana. Wo! Ba ya fika-ke, ba ba dumela nga kwesokudhla. Ba yi juqa pakati. Kwa kal' igaqa-ke lapo; ba yi tshaya, ba yi qotula. Ba yi susa-ke; baye ba yi tel' eZibisini, kwo Mnqandi.

Ba buya-ke; i si y'ehla ngo kalo, ukal' olunye nje; se be yo tshis' imizi. Ba-dhl' izinkom' eziningi, ne zintombi. A zi bulawa, pel', izintombi; ku bulaw' umfaz' ogwazayo. Ngob' umfazi ut' a nga bon' indoda yake, nona ku umntanake, e-lwa, u se zi ponsa kon' empini, e tshaya nge siqobane, (isiqongqwane so ku val'

emnyango)—a gwaze na ngo mkonto. Kwā-f' abafazi abashiyagalombili lapo.

I si zi qub' izinkomo; se zi-ya kwa Tulwana, ku Cetshwayo. Se ku yo bikwa-ke, ku-tiwa : " uSutu lu pelile ! Lu qedwe iZigqoza ; ku-fe amatshum' amataku, a na bant' ababili." U se-t' uMpande : " Hau ! Ba yi qedile na ? " " Yebo, Nkosi ! " I si ya hloma-ke. U se y'eqel' uCetshwayo, no Hamu, no Ziwedu. I si buyel' emuva.

uCetshwayo u se nqum' imhlamb' embili ye zinkomo —ku ketw' izinkabi zodwa—se zi-ya kwa Nodwengu eNkosini ; na mantombazan' ashayagalombili. Kwā ba njalo-ke, ku leso sidumo esikul' e sa velayo ; sā vela se ku zo menyezelw' uTulwana a tung' izicoco. Lā bikizela lonk' izwe, ka la lala. iZigqoza zona za-fa kakulu. O wa sindayo, wā wela ; e wel' e ne nxeba. Ngob' iZigqoza lezi, à ba semaMbateni, ekohilo ; ba kwo Diyikana ; à ba ka Ntuntumana ka Nkomo.

Uma ku bongwa ku Cetshwayo labo bantu, a bā-fa lapo, ku nga tshon' amalang' amabili, na matatu, na mane. iNkosi-ke, ka yi bongwa ngabo ; ngoba, kuze kw' onakal' izwe,<sup>1</sup> à ba bongwa labo a bā-fa pakati kwo mhlaba, ku buswa. Baze ba bongwa mangxa ku tetwa e ze mzimu.

#### 41

### UKUKUZA KU KA HAMU, MHLA uCETSHWAYO E-T' U ZA U'LWA NA BELENGU

Kwa ku xatshanwa oNdini, (so ku bizwe izinduna zonke), ngasemva kwe sikumba no pokó.<sup>2</sup> So ku xatshanwa nje-

<sup>1</sup> Nge-mpi ya beLungu (1879).

<sup>2</sup> B. ku Hlangakula, k. 86, la ku kon' amazwi a casisa lok' ukukuluma

ke, so ku xoxwa yon' e ya beLungu, ukuti se ku za ukuliwa nabo.

U-ya kuza-k' uHamu, u-ti : " Na tula nati 'du' zinduna na ? Ni-ti ni ya m kulisa njena na ? Wā-tin' uSomsewu, e zo m beka lapa na ? Na tat' umuzi ka baba, na wu tel' emanzini na ? "

U-t' uCetshwayo : " Kahle, Magimba ; a ku se magamu lawo, impi i si za uku-lwa yona." " U za u'lwa no ba na ? Uyihlo yena wa bekwapi na, lapa namhla u-ti u za u'lwa na beLungu njena na ? " U-ti-ke, uCetshwayo : " Si ya lw-az' uliman' olunjalo ; kade Iwa si naka." U-t' uHamu : " Hau ! 'Imi o nga-tsho njalo kini, lap' u bulal' umuzi ka Senzangakona na ? U wu tel' emanzini njena na ? U-ti u yo-lwa na beLungu na ? A ku tatw' uSirayo lo, a nikelw' abeLungu (a ba m funayo) ; o-ye wa bulal' abantu ; e ba bulalel' ezweni la beLungu. U yini po uSirayo na ? "

" Hamu ! U-ti ngi nga tat' uSirayo, ngi m nikel' abeLungu na ? " " M nikel' impela ; ka kitshwe, a nikelw' abeLungu. W-enze ngani uku-yo-bulal' abant' ezweni la beLungu na ? Wa ye pakwe uwe ini ? Njengo Sirayo njena, e injia njena na ? U ya kw-az' uku-pak' impi, a yo gwaz' abantu ezweni la beLungu na ? Nawé, Cetshwayo, u bu ngek' u yi pak' impi, u yo gwaz' abantu ezweni la beLungu ; unga u su-lwa nabo. M kip' impela." uCetshway' u-ti : " A ngi soze nga m kipa ; z'enzeneli nje loko e ni kw-enzayo ; lolo linyana kade sa lu bona."

U-t' uHamu : " U-tsho kimi uku-tsho njalo na ? U-ti, lap' u bulal' umuzi ka baba, ka Senzangakona, u-ti, se na lu bona lolo linyana na ? Weu ! 'Beka-ke, wena ka baba ! Sala kahle, kona namhlanje. Uba nami be ngi yo sinda, ngi be kona, be ngi ya u'ku-buza ukuti upi-ke umuzi ka Senzangakona, engati ngi ku tshela, wa godhl'

uSirayo na? Sala kahle! Ngoba ngi y'az' ukuti ka u seze wa-lwa na beLungu. A ngi fihli mina, wa kwa Hamu; se ngi ya u'bop' izinto zami. Ngā vela nga ku bona futi, ub' izwe leli ku li tandi.

"Nga vela nga ku bona ngo ku si yalel' abafana, u-ti ka si tshaywe iNgobamakosi, si luNdi, si nganga loku si ngaka! Nak' oyihlo, nak' oDingana, nak' oTshaka, à ngi bonange ngi li<sup>1</sup> bona, e li hlal' iNkosi, ukuti li ya tshaywa ámabuto. No Mgungundhlovu, ungek' u ngi tsheli nje, ukuti wa tshaywa ibut' e li ukuti." U-ti; "Ngā vela nga ku bona lapa, ukuti u ya wu bulal' umuzi. Nga-tsho-ke mina, nga-t' uTulwana ka hlom' imkonto, a ba gwaz' abafana. Ubuy' u dhlul' u tukutelele tina, ukuti si ba gwazeleni?" U-ti-ke: "Sala kahle! Se ngi ya bopa mina. Ngi ya hamba mina; ngi-ya kub' abeLungu. Ngi ya u' petela ngakubo; ngoba ngi y'azi ukuti à ba soze b'ahlulwa. Nxa u ngi bulala-ke, ngi bulale kona lapa; u hlale no muntu wako lowo, uSirayo."

Nembala, wa zi tshiy' izinduna, zi iqoqo kona lap' eNkosini; wa suka wa yo bopa. Wa-ti: "Mina a ngi siye o ku za-tiwa: 'U hamb' ebusuku; w-eqile.' Mina, ngi pum' emini; uba se ngi bon' ukut' u su-fil' umuzi ka Senzangakona; ka u seko. Se ngi yo zi fakel' ikanda nje, kwa bamhlope. No Mpande wa vela ngalapo, kwa bamhlope." Bala, wa ye se yo bopa; e bopa ku rwelela.

Kwa ku kulunyel' oNdini. Wa ye suka njalo, e tat' amazw'ake; e se hamba ne-mpi nje yakwake, na madoda. So ku nqamuka uMkingoma,<sup>2</sup> kakulu nje; wa hamba no Hamu.

uCetshwayo u se-ti: "Ulimana lwe Ziggoza lolu! U kwel' umbango nje; u bang' umbango wabo lo." Kwa tula, kwa-ti nya; nakuba ku pendule ne yodw'

<sup>1</sup> Ibuto.

<sup>2</sup> Isigaba sa kwa Tulwana.

induna. Zasimze za 'beka pansi zonke; za 'xiz' izinyembezi. Wa-ti: "Wo! Hlakazekani. Ngi ya bon' ukuti ni vumela yen' uHamu. Se ngi zo biz' amabuto mina; ngi kulume nawo; ngi-zwe ukuba nawo a za u'vuma ukuba ngi m dedel' uSirayo na?" Base be fulatelana nge zipundi njalo.

uHamu, wat' e yo tshona nge sikala sa seMabedhlana, wa ye puma no Cetshwayo; wa ye yo tshona nge sikala si ka Mtanotengayo; e se-y' oLandandhlovu. Amabuto wa ye se wa bizela kona-ke. A ya fika-ke. U-se-ti: "Ngi ni bisa nje, abeLungu se be fikile; ba fike njalo, ba-ti ba land' uSirayo. Se be impi, ngob' uSirayo uye wa gwazel' abantu ngapetsheya kwo Tukela. uZulu u-ti ka ngi dedel' uSirayo. Pendulani nge lenu-ke, loku nang' uZulu u-ti a ngi kip' uSirayo; ngi m'nikel' abeLungu."

Amabut' a-ti: "Ka lik' eletu! Si-ti à ku be kanye nje! A liko e si nga ku pendula ngalo! Si-ti, à ba m tat' uSirayo si-file." Kwa kupela-ke. Wa-ti: "Hlakazekani. Se ni ya u'lala pezu kwe zikali." Bala, kwati, e nga ka hlali na semakaya, e-zw' e se bizwa. So ku-tiwa uKandampemvu, no Mbonambi, ne Ngobamakosi a ba hamb' ebusuku; kuti ku-sa, abes'e gewel' oNdini ngapakati. Hau! Po-ke, a se hloma-ke, a se hamba, a se banga kona kuye. Ku mhila e se zo wa tshel' impi, ukuti se be fikil' abeLungu. Bā wela ngawo wonk' amazibuko. Abanye ba konjwa le eSandhlwana; abanye ba le ezansi.

Wa ye se mem' inqina njalo. I zingela nje, ka yi-dhlide; i-dhla zon' izinyamazane. Ya zingel' ezansi, eWela,—ihlanz' e li sezansi, lap' iMfolozi i hlangana kona. I ya buy' enqineni, ikon' e se yi tshel' ukuti: "Se be fikile-ke, njenga mazwi e nga ni tshela wona. Be-ze

ngawo-ke onk' amazibuko, njengo kutsho kwami. Ka ngi sa kw-azi-ke okunye; bangeze ba ponsike pakati kwe-zwe. 'A yi hlome nje, i ba hlangabeze. U se yo ku yi hlomisa, pel', uHamu, impi yake.' (Ngob' e kuluma ngay' uHamu, o wa y' e-te à ba soze b'ahlulw' abeLungu). Hau! Kwa kupela.

Wa wa biza wonke-ke amabuto, uNokenke, no Mbonambi, no Mxapo, no Dududn, na manye nje, wa-ti à i yo hlanz' emfuleni. Se zi ya ku-yi-hlanzis' izinyang' emfuleni. Zi ya buya (izinyanga), se ku bulawa izinkunzi; e se zi zo nwambis' impi. Kute, ntambama, u se yi tukulula; e se yi paka.

Zase zi yi nwambisa, zi yi pons' imbengo, zi yi pons' imbengo. Ka wu lumi umuntu, abes'e wu nikel' omunye nge sandhla; u luma qede, a wu ponse pezulu, u ya kungakwa ngo muny' umuntu; nay' e-nze njalo.

Se ku ukufulatela kwake (uCetshwayo), e se yo ngena ngapakati. U se yo vunula-ke; ukubani e se zo yi paka pela.

## 42

## IZIBONGO ZI KA CETSHWAYO—III

iSilo e si maduna, sa ko ka Tshana,<sup>1</sup>  
E si kangel' abantu, ba duka no lwandhle,  
Na namuhla, ba sa dukile;  
E si menyezwe uMzwili, e zalwa uSiniswayo,  
Wa-ti: "Ni nga yi hlabi leyo ndhloyu,  
Ni ngä yi hlaba, niyobe ni yi bangile;  
I ya u'yus' imland' emdala,

<sup>1</sup> Unaña ka Cetshwayo lo, o m' zalayo, uNgqumbazi, ka Mbendi, ka Tshana, wa kwa Zungu.

E ya y-enziwa ngo yiblo.

uHlohloloza<sup>1</sup> nge ndhlov' e no hlanya;  
iNdhlovu ete i muka,  
Ba be yi xokozelela.

uZito zi magwegwe,<sup>2</sup>  
Ngo ku-gwegw' à ba ka yise.  
uJininind'<sup>3</sup> omnyama,

O nga bende<sup>4</sup> be zingwe no be zingonyama.  
O nganga mabuya e ziziba zo lwandhle no Tukela.  
uSaka-lukalweni,<sup>5</sup> enhlanganisweni,  
Lapa ku hlangana kon' imifula,—  
Kanye ne ya bafo,  
Kanye ne ya bafokazana.<sup>6</sup>

uGaq'a<sup>7</sup> li bomvu, la oBatonyile.<sup>8</sup>  
iSibuko si ka Mapita,<sup>9</sup> be no Nzibe,

<sup>1</sup> Uku-kapeza ngamandhla, ngo kweyisa.

<sup>2</sup> Zi gobile; u isigwembe.

<sup>3</sup> Lesi wa si tola ngo kuza ku ka Somsewu, e land' abantwana ba ka Monase (ngo 1861). Ku-tiwa wa m' fulat' uSomsewu nga lelo langa. Uku-jinininda, uku-fulat' omunye.

<sup>4</sup> Ububende.

<sup>5</sup> Wäk' eNyoni; lapa, pela, uKubaza wa ku pakela kona. I-lwa nje lap' eNdulinde, ka kük' uKubaza. U ku pake, wa-ti a kw-ewus' iNyoni, ngoba nans' impi i bi bonene ntambama; ya lahis' i bonene. Ku-tiwa w-ak' okalweni nje, ku-tshiwo ngoba wa pak' elakwabo, uKubaza, wa-ti a kw-ewus' iNyoni; ükwaka-ke kona loko. uKubaza loko, kwa ku pakelw' uku-yo-vimba nga seNyoni, ukuba i nga sayi ku pumeha ndawo.

<sup>6</sup> Abafokazana, iz' iZigqoza lezi, o ku-liwa nabo. Se be izita pela (abafo).

<sup>7</sup> Izwa.

<sup>8</sup> Inkosazana, udadewab' uMbuyazi no Mkungo.

<sup>9</sup> Loku ku-t' uCetshwayo u fana no Mapita no Nzibe. uMapita wa nikw' indhu eMlambongwenya (kwabo uMpande), kwase ku ba kwabo uMapita-ke ngaloko. Ut' e se gugil' uMapita, wa ye se hamb' e yo hla' emziini wake; uMpande-ke u se fak' uZibebu ku le-ndhlu e seMlambongwenya, e m' bek' esikundhleni si ka yise. Kwase kuti-ke futi, (se kw-eq' imnyak' eminye), uCetshwayo u se m' tat' uZibebu e

E be be zi buka ngaso be-ya kwa Nkosinkulu.<sup>1</sup>  
 O hlati li mnyama ;  
 Li mnyama konke ne mizi yalo,  
 E be li njeng' e be li la'l izindhlovu  
 E zi ku Makehle.<sup>2</sup>  
 iGwalagwala<sup>3</sup> li ka Menzi,<sup>4</sup>  
 E li suk' eNtumeni, kwa bej' iTshowe,  
 Kwaze kwaya kwa bej' uTukela.  
 iZul' e li dum' eNdulinde pezulu,  
 La zi tat' izihlangu za madoda ;  
 Indaba y-enziwe uManqina, o be zalwa uNkontshela,  
 Uyen' o tat' izinkomo za seMangweni,<sup>5</sup>  
 Waye wa yo zi tela ndawonye  
 Ne za seMkwayantaba.—<sup>6</sup>  
 Ngob' e tate uNxaba ka Mkono.<sup>7</sup>  
 iSiziba si ka Hamu, be no Ziwedu,  
 E si bukudis' izihlangu za seMkwayantaba,  
 Hlanga li ya u'tshona.

yo m ngenisa kwa Gqikazi, (kwabo uCetshwayo). Ku-tshiwo nga-loko-ke ukut' u isibuko si ka Mapita.

Ukukulum' okuningana, o ku pat' uNzibe, ku kona ku *Hlangakula*, k. 112.

<sup>1</sup> Lo, iNkosi yo hlanga la kwa Zulu. U ngapambili kwo Punga no Mageba. Ituna lake li senxiweni la seMgungundhlovu. (ngapandhile kwo muzi, nga sesangwen' ezansi).

<sup>2</sup> Ihlati e li sezansi ne Mfholoz' emnyama ; lapa kwa ku-m' izindhlovu.

<sup>3</sup> Kwa Zulu la li fakwa abakulu bodwa.

<sup>4</sup> uSenzangakona.

<sup>5</sup> Umuzi ka Cetshwayo ; wa w-ak' ezansi, nga solwandhle.

<sup>6</sup> Umuzi ka Mbwayazi ; wa w-ak' ezansi, nga soBuya ; lap' iziMfholoz'i hlangana kona.

<sup>7</sup> Igamu le nkabi ; kwa tatwa yona, qede, kwase ku vel' ukuxabana.

## 43

## IZIGA

## II

26. I HLONIPA lap' i ngayi ku-gana kona.
27. A kuko tusi la teta li lodwa.
28. A ku mbokodo y'ahlul' umgayi.
29. Inzimakazi i zal' ilungakazi.
30. Ubuqili bu dhlul' umuzi, b'enziwe.
31. Guga sitebe, kade wa u-dhlela.
32. Impi i vuk' ezaleni.
33. Amate a buyele kwa sifuba.
34. Ubucubu bu-fa nga bubili.
35. Isitukutuku se-nja si pelel' eboyeni.
36. U hleka mina nje, zo ku wanqa ngomuso.
37. E le mpofana li vunywa muva.
38. Insimba y-esulela nge ggumutsha.
39. Injalo i pum' edumbini.
40. Ibizelo la-dhl' ikondekazi.
41. Ugwayi u suka ntendeni, u hlale ntendeni.
42. Ilumbo li-ya kade.
43. A ku lahlwa mbeleko nga kufelwa.
44. A kuko silima si ndhlebende kwabo.
45. Indaba ya makosi a yi banjelwa mlandu.
46. A ku pindel' emuva ku nge mgqizo.
47. Umlimel' omkulu a u-dhlela zele.
48. Umlandu u banjwa inkume.
49. Umkupa ut' u bunjwa, u bu tshwapuluzwa.
50. Zi bu kipa, zi bu tela.

44

**UMBANGO WO MUZI KA MASIPULA<sup>1</sup> KA MAMBA**

uMASIPULA wa ganwa unina ka Majumba, o wa ye uMxapo (uMpunga). Wa ye se mu-sa kwabo. W'al' umfazi ; wa-ti ka tandi ukub' a yo ba isigqila si ka nina ka Masipula. uMasipula wa m yeka. Wa ye se ganwa unina ka Zikode, o nguMtuyisazwe. Wa ye se-t' uMasipula, ka-ye kwabo. Wa vuma. Kwa hlala-ke ku njalo.

Waze wa-f' uMasipula e nga kulumanga luto pakati kwo muzi wake. Kwase ku vel' umbango-ke, e se-file ; e-t' uMajumba 'uy' inkosi, ngob' unina<sup>2</sup> wa gana kuqala. uZikode u-ti : "Imi wakwet' umkulu."<sup>2</sup> Icalal-ke la-y' oNdini, ku Cetshwayo.

uCetshwayo wa li nquma kanje, wa-ti : "Wena Majumba, u qimisil' ukuti u inkosi ka Masipula. Kodwa wā linyazwa unyoko, o w'al' umuzi e wu nikwa uyihlo uMasipula. uZikode wa bekwa unina, o wa vum' izwi li ka Masipula. Ifa li ka Masipula li kwabo uMasipula. Unyoko-ke, wena Majumba, wa l' ala ; unina ka Zikode wa li vuma. Li ya ku lahlala Majumb' icala ; wa lahlwa unyoko, ka wu lahlwa imi."

<sup>1</sup> Undunankulu ka Mpande.

<sup>2</sup> Lóku ku njengo kuti : 'Imi inkosi, ngoba ngi ngokwet' umkulu. Umkulu, úkuti umamakulu, ngob' e unina ka yise. Bonk' abantu ba no ninakulu. Kwel' umkulu, ku fana nokuti, kwenet' kwa mamakulu.'

45

**UKUZALWA KU KA DINUZULU<sup>1</sup>**

uDINUZULU wā zalwa kanje :—Ba be zelwe be batatu, be zalwa uCetshwayo. Omunye wa ye zelwe o ka Seketwayo, igama lake ku nguMaseyaná ; omunye ó ka Madwala, igama-ke wa ye nga ka bi nalo ; omunye e zelwe ngo ka Msweli, igama lake ku nguMarelana (' a soNdini ').

iNkosi ya pupa,—uCetshwayo. Wa pupa ku fik' amakos' amabili, e ne nkosikazi eyesitatu. iNkos' enye, ku nguNdaba ; iNkos' enye, ku nguDingana ; inkosikazi, se si ya i kohlw' igama layo.

Wa pup' uCetshwayo be fika kuye. Ba-ti : "Cetshwayo, si za ku nik' umntwan' a be munye ; ngoba ni ya bulalana nina ba kwa Zulu, ngo ku-bang' ubukosi, nxa ni baningi. Nansi-ke ingane e si ku nika yona!" Ba-tsho be vez' ingan' empofu. Ba-ti : "Igamu layo, u ya ku-yi-qamba, li nguDinuzulu."

W'etuk' ebutongwen' uCetshwayo. Wa tshaywa uvalo. Wa bon' ukuti zi kon' izingane zake e zi za ku-fa, ku sal' i be-nye. Kwati kusasa, wa tum' amanxusa a-y' emakandeni, lap' izingane zi zalelwé kona. Wa-ti : "Hambani, ni yo bon' izingane lezi za bafana, imbala yazo, ukuba zi njani." uDinuzulu wa ye zalelwé eZinhle-ndhleni, eMahlabatini, ngapetsheya kwe Mfolozi ; no ka Madwala, e zalelwé kon' eZinhlendhleni. O ka Seketwayo, ya i zalelw' eMlambongwenya.

Ba buya-k' amanxusa, a-ti : "Si funyanise ingane, ya o ka Seketwayo, i luhlaz' umbala wayo ; ne ya ko ka Madwala, i mmyama ; kwahluké e ya ko ka Msweli,—i

<sup>1</sup> A nzim' amazw' a le ndaba ; mahle futi. Sa yi zekelwa o wakon' impela, o waziyo.

*mpofu.*" Ya i si bona-k' iNkos' ukut' izingane zi za ukufa; nge ya ko ka Seketwayo, nge ya ko ka Madwala. Ingan' e za ku-ba iNkosí, e ya ko ka Msweli, yon' i mpofu.

Wa tumela-k' eZinhlendhleni, e se-s' igama, a li pupileyo, enganeni ya ko ka Msweli. Wa-ti : " Leyo ngane, igamu layo nguDinuzulu." Loku a kw-enziwanga uCetshwayo, kw-enziwe abadala, *e se bā-fa.* uCetshwayo wasal' e se qinisela ku lelo pupo. Zase zi gula-ke lez' izingan' ezimbili; se zi-fa.

uCetshwayo ka b' e sa yi tol' ingane yo mfana, ngob' uManzolwandhle lo, u zalw' e se-fa. uCetshwayo ka m azi uManzolwandhle. Igama li ka ' Manzolwandhle' wa li qanjwa abantu. Iwo la magama uCetshwayo a valelise ngawo, e se-fa. E valelisa ku mmawe wake, o wa m'elanyaniswa uyise uMpande, uDabulamanzi. Wa-t' uCetshwayo : " Dabulamanzi ! Nanso ingane yami, uz' u ngi ' bekele yona. U yi kulise kahle; ngoba ka ngi zalanga. Nga zala yena yedw' uDinuzulu. Loko ku ngumsebenzi wako, Dabulamanzi, ukub' u 'bek' ingane yami." E-tsho ku kon' uMnyamana, no Ziwedu, no Ndabuko, no Tshingana.

Bala-ke, uDabulamanzi wa yi pata-k' ingane, wa yi kulisa; njengo kutsho ku ka Cetshwayo. Wa y'ala yonk' imteto e bi-tshiwo nga ba kwa Zulu.

## 46

## IZIBONGO ZI KA DINUZULU—III

uNompumuz' abant' amapika.

uNonhlahl' <sup>1</sup> amazibuk' a kwa Sekane.<sup>2</sup>

<sup>1</sup> U ya wa qamba.

<sup>2</sup> Umful' o ngen' eMkuze.

## IZIBONGO ZI KA DINUZULU—III

211

uNongqayiza,<sup>1</sup> ba ya ku tibela ;<sup>2</sup>

U titshelwe uMalimade,<sup>3</sup>

Kwa bamhlop' abeLungu.

uMgwazi ka Ɂaqi,

U qaquelwa zinyoni.<sup>4</sup>

uMkonto ka Tshaka no Dingana.

iNgweny'<sup>5</sup> e-dhlel' okunjini<sup>6</sup> lo mfula ;

Ngapezulu, i sab' uku-hlatshwa imsebe ye langa.

U gubuzel'<sup>7</sup> uCeza no Hlatikulu ;<sup>8</sup>

uNhlamvu za m dela<sup>9</sup> kwa Ceza,

Za tshay' amagatsh' emiti.

uMgwadhlaza<sup>10</sup> nqola, zi ya kw-etuka,

Zi ya u'tshon' eNkonjeni.

uPondo lwe ndhlovu,

Lu y'enqab' uku-ngen' ezindhlini za mankengana.<sup>11</sup>

iNgqungqul' e goq' amapiko,<sup>12</sup>

Enhla kwo muz' eKuyukeni.<sup>13</sup>

uKozi lu ka Ndaba !

O lw-eqe lu pindela, kwa Mandhlakazi.<sup>14</sup>

<sup>1</sup> Ukw-ala ; uku-m-alel' umuntu int' e tand' uku-y'enza.

<sup>2</sup> Eqela ngapambili.

<sup>3</sup> u-Sir Melmoth Osborn.

<sup>4</sup> U sa pang' uku-gwaz' impi pambili; izidumbu zi sale zi nga qaqiwe.

<sup>5</sup> Ngob' impi y'alwelwa pezu kwo Mkuze ; abant' a ba bulawa impi ba-fel' emanzini.

<sup>6</sup> Ogwini.

<sup>7</sup> Ku-tshiw' impi yake uku-gowal' ehlatini.

<sup>8</sup> Umfudhlana o nga kwa Ceza, o dabul' ehlatini.

<sup>9</sup> Ukuba ku nga-fanga muntu.

<sup>10</sup> Za zi hambo zi godhloza ; zi hambo ngamandhla.

<sup>11</sup> Ukub' uDinuzulu e-nqab' uku-tolwa uZibebu no Hamu.

<sup>12</sup> I wa goqe ngo kw-ak' umkumbi ; nxa i hambo,ku-tiwa i yek' amapiko.

<sup>13</sup> Umuzi ka Zibebu.

<sup>14</sup> uDinuzulu w-eqe kwa Ceza, wa qonda kwa Ndunu, la w'ähjula kon' uMandhlakazi (June 1888).

uMkangula-jozi,<sup>1</sup> pansi kwe 'Tshana,

U li ka ngule ngo Falaza,

uFalaza wa tukutela.

uZito zi mpungu,<sup>2</sup>

Zi fana ne zi ka dadewabo, uSililo.<sup>3</sup>

uSomkanda<sup>4</sup> wakit' eMkontweni,

O kand' a be zindhlu, na be zindhliwana,—<sup>5</sup>

A be zindhlu,<sup>6</sup> ba yi ker' imilomo.

uCalal<sup>7</sup> la tetwa nge mkonto kwa Malandela,

Amany' amacal' e tetwa nge zindukwana.

iSidhlova<sup>8</sup> ka si dinwa na kuhloma,

Ingan' oButlezi<sup>9</sup> ba sa diniwe ;

A ba seMateni<sup>10</sup> ba diniwe.

Indaba y-enziwe nga ba kwa Ngenetshemi,<sup>11</sup>

Umkosí ba wu hlab' eBanganomo.<sup>12</sup>

uNobananaza<sup>13</sup> nga ndhlel' ezenyukayo,

<sup>1</sup> Uku-kangula, ūku-pek' ukudhla nge mbiza e sa qed' uku-bunjwa loko kudhla ku nga-dhliwa, ku labhiwe. Ijozi, izwa. U kangule amajoz ngo Falaza, uFalaza kaz' a-dhliwa uZibebu ; kwā-f' a ba kwa Zibebu bodwa.

<sup>2</sup> Ukuba zikulu.

<sup>3</sup> O zalwa o ka Sibamu, wa kwa Sibiya.

<sup>4</sup> Ukunyatel' abant' a b'ahlule, bangabe ba sa-lwa naye.

<sup>5</sup> Ku-tshiwo oZibebu ; no Hamu ; no Mgojāna ka Somapunga ; no Mfanawendhlela ka Manzini.

<sup>6</sup> oZibebu no Hamu.

<sup>7</sup> Icalal e la tetwa ngo mkonto, la tetw' oSutu, nyakana amaNgisi e buyis' uZibebu, uDinuzul' e-nqaba ukub' a buye. Wa-ti u za uku-lwa naye, ngoba wā-lwa no yise. uNyamana fut' e-nqaba. Loku kw-ēnzekwa e ya kwa Ceza [May, 1888] i nga ka-lwi.

<sup>8</sup> O bamba ngamandhla, ngo laka.


<sup>9</sup> Ba kwa Nyamana.

<sup>10</sup> Umuzi ka Ziwedu ka Mpande.

<sup>11</sup> O ka Hamu lo muzi.

<sup>12</sup> O ka Zibebu, omkulù.

<sup>13</sup> Uku-bananaza, ūku-hamba nge zindhlel' eziningi kanyekanye, be qonde ndawonye.



oSutu

Umuzi' omkulù ka Dinuzulu ; wā w-aké iga kwa Nongoma.

E zi qond' oTaka, ku Nkosiluhlaza.<sup>1</sup>  
 iNkunz' ebomvu,<sup>2</sup> ka Tshaka ;  
 Be be-t' i ya hlabi.<sup>3</sup>  
 Kant' i tibel' imhlambi<sup>4</sup> ya madoda.  
 uLupondo lu bomvu,  
 Nā<sup>5</sup> zingazi za madoda.

## 47

## UMBANGO KA QETUKA NO MPEYANA

uQETUKA u dabuka ngob' e bon' umuzi u su namatela ku Mpeyana. uMpeyana u inceku-ke lapaya ku Mpande. Abantu u ba sikel' amarawu ; a ba kitizele.<sup>6</sup> Lonke-ke uzalo lolu lu ka Manqondo, se lu buyela nga ku Mpeyana.<sup>7</sup>

Inkosana, uQetuka, i y'enqab' ukuba ku ngen' abant' endhlimi. Se be dilikela, be namatela ku Mpeyana. Sekuze ku kupuk' icala, li-ye ku Mpande. uQetuk' u se-ti uManqondo u se bek' uMpeyana.

I si buza-k' iNkosi ku Noradu,<sup>8</sup> i si-ti : " U ya kw-azi loku, Noradu, okokuti uManqondo u se bek' uMpeyana na ? " " Qa, Baba, ka ngi kw-azi." " Uk' a-tini kuwe na ? " " Qa, Baba, u-ti kimi, inkosana yake uQetuka. Ka ngi kw-azi." " Po, loku ku sukapi na ? " U-t'

<sup>1</sup> Inkosi ya semaBunwini (*J. C. Krogh*).

<sup>2</sup> Ngob' e mpofu, e nge mnyama.

<sup>3</sup> Ngo kubula' abantu.

<sup>4</sup> E hlasel a kuye.

<sup>5</sup> Loku ku fana nokuti: *Nge* zingazi za madoda.

<sup>6</sup> E ba-pa kakulu.

<sup>7</sup> oQetuka no Mpeyana laba, bū zalwa uManqondo, ka Mazwāna, ka Yengwayo,—kwa Misgwaza.

<sup>8</sup> uNoradu u ngumfowab' uManqondo; ba zalwa uMazwāna bobabili.

uNoradu : " A ng'azi, Nkosi, la ku suka kona." uMpand' u se-ti : " Mina ngi-zwa ku-tiwa uManqondo u se bek' uMpeyana." U-t' uNoradu : " Qa, Nkosi. Ka ku-tsho lok' uManqondo. uManqondo u-tsho yena njal' uQetuka."

I-ti-ke iNkosi : " Weu ! Qa. Ku-tiwa umuzi u su buyele nga ku Mpeyana wonke." U-ti-ke : " Ehene, Nkosi, umuzi u m ejwayele ; u ne sandhla ; u ya wu-p' umuzi." I si-t' iNkosi a u kupuke wonk' umuzi u-ze kuyo. U su kupuka-ke. U su fika-ke eNkosini.

I si buza-k' iNkosi, i-ti : " Ku bangwani na ? " uQetuk' u se-ti : " Ngi bon' umuzi wakwetu wonke u su petele nga ku Mpeyana." I ya buza-k' iNkosi, i-ti : " Nembala, ku izindaba loko na ? Noradu, ku izindab' ukut' umuzi u su petele nga ku Mpeyana na ? " U-t' uNoradu : " Qa, Nkosi, umuzi u petele nga ku Mpeyana ; uMpeyan' u ne sandhla. uManqondo ka m bek' inkosi ; uMpeyana u m akel' izindhlu. uMpeyana w-al' ukub' uyise a lale lapa ku kubi. Ut' e pum' uyise, ebese' tshayel' ebeleni."

I-ti-ke iNkosi : " Wo, mina ngi ni biza nje, se ngi zo ku-qeda loko. Ningabe ni sa pinda ni ku kulume loko. Minā be ngiti ku kona ne zinkom' e ni zi bangayo. Nakoke uManqondo a-tsho njalo, a-ti uMpeyan' u m akel' izindhlu ; ka m bekile."

I-t' iNkosi : " Kanti, Qetuka, utuli lu nawe. Ini okokuti u inkosana na, uManqondo e nga ku kipi na, ingani ka u m sebenzeli luto ; uMpeyan' u ya m sebenzela na ? " So ku ba kupela. I-t' iNkosi : " A ku pele loko kukuluma, ni nga pindi. A kw-ehle, ku-ye ku Manqond' ekaya, a yo ku-lungisa ; a ku-nqume."

U se ya ku nquma-k' uManqondo. U se-ti : " A ngi m bek' uMpeyana ; induna yami nje. 'Uy' uQetuka

lo o no tuli ku Mpeyana." No Manqondo u-ti a ku pele, njengoba ku-tsh' iNkosi njalo. A zi bekwe pans' izihlangu. Use u ya suk' nMpeyana. "A ngi m dedele, pela, inkosana ezweni li ka yise. Min' inxiwa se ngi ya u-li-nikwa iNkosi." U se kupuka-ke, u se qond' eNkosini.

iNkosi isifik' i m nika, i-ti: "Ehe, Mpeyana, u qinisile. Nakanye u m dedel' uQetuka. Mina se ngi ku nika kwe li ku Nomazocwana ka Somsuka, wa kwa Ngeobo."

U se suk' uMpeyana. U su suka wonk' umuzi. So lu suka lonke lol' uzalo lu ka Manqondo, se lu-ya nga ku Mpeyana. U se-ti-k' uQetuka: "Wo! A lu buyele ngahlanye *upatshana lwe nsingizi!*" U se suka-ke njalo uMpeyana, u se yo l'aka-ke e li ka Nomazocwana. So lu suka lonk' uzalo lu ka Manqondo, lu-ya nga ku Mpeyana.

uQetuk' u se tukutela. Usebuy' e ponsek' eNkosini, e-t' uMpeyana u tat' umuzi wonke wa hamba nawo. iNkos' i si-ti: "A ngi na ku-kulumu loko pela; angani uwe o-te a lu buyele nganhlanaye upatshana lwe nsingizi na? Se lu buyele nganhlanaye, pela, upatshana lwe nsingizi!" Se li ya m lahla njal' uQetuka.

iNkos' i si-ti: "U no tuli wena Qetuka. Mina se ngi zo kw-ehlis' izinyanga, zi yo hlanganis' umuzi, ku pele loko kukulumu." Bala-ke, i si zi leta-ke iNkos' izinyanga. Se zi yo pehl' amanzi, uba se zi hlanganis' umuzi; zi-ti a wu hlangane ndawonye, no Mpeyan' a buye; ba zo hlangana ndawonye. Izinyanga za wa pehl' amanzi. Kwa hlatshw' izinkomo; kwa kokelw' izinyanga lezo.

uMpeyana wa buyela no muntu wonke, njengo kutsho kwe Nkosi. Umuzi wa u su ba munye-ke. Kwase ku pela-ke ukuti ku kon' iMvula na Madhlula,—iMvula

abantu ba ka Mpeyana; aMadhlula á ba ka Qetuka. uMpeyana wá-t' abake, *imvula yo mdumo*, ngob' e se nete izindaba, yen' e nga bangi luto, e tandwa abantu nje; kwa-tiwa *amadhlula*, ngob' a dhlul' inkosi yawo, a yo tand' uMpeyana.

## 48

## IZIBONGO ZI KA SOLOMONI—II

MADHLOKOVU!<sup>1</sup> Sabel' u ya bizw' eNkonjeni;<sup>2</sup>  
U bizwa nga bamhlop' abeLungu;  
Ba ku bizele ukukuluma  
Ko mhlabati wakini, kwa Malandela.

U bizwe ePlitoli,<sup>3</sup> wa vuma;  
A ba kwa Zulu ba ku biza ngo hlanya,  
Ba-ti u ya zula;  
Mhla u ya u'kwela nge ntamb' ende ye nsimbi,<sup>4</sup>  
U ya u'konzel' umhlabati wakini kwa Malandela.  
Wa buya nge ntamb' ende ye nsimbi,  
U qonde kwa Nongoma,—  
Izipakanyiswa wa zi hlalisa lugodweni lunye,<sup>5</sup>  
Njenga mankankane e bang' umsundu;  
Izihlati ze zipakanyiswa za yi dhlul' imilomo.  
uPape o lu pezu kwe-ndhlu ko ka Ntuzwa;<sup>6</sup>

<sup>1</sup> Uku-dhlokovula; uku-gijima nge hashi.

<sup>2</sup> Enkantolo yakona, a ba-t' amaNgisi e ya seMahlabatini.

<sup>3</sup> Pretoria; la ku kon' inkos' e pet' izindaba za bantu ze-zwe lonko la seSouth Africa.

<sup>4</sup> Ujantshi, emgwawqweni we sitimela.

<sup>5</sup> Ku-tshiw' isihlalo les' eside, a ba-t' abeLungu: bench.

<sup>6</sup> Unina.

uPongol' o lu manz' abomvu.<sup>1</sup>  
 iSigoloz' e si mehl' abomvu,  
 Si 'bek' umuntu sengati si m jamele.  
     uMqwalajuba,<sup>2</sup> wa oBekisile.<sup>3</sup>  
 uSimelele<sup>4</sup> nge būku eMpembēni ;  
 uSeqa mkaya,<sup>5</sup>  
 O be sesatshwa zinkonjane  
 Zi ka Falaza<sup>6</sup> ne Mbokodebomvu.<sup>7</sup>  
     uMtshisi we sikot' e si seNdunyeni pezulu,  
 Kwaze kwaye kwa-tsha ne si ku Sondaba ;<sup>8</sup>  
 Ngamarob' odwa a yo bikelana.  
 U base eziqongweni<sup>9</sup> ze zinkalo ne zintaba,  
 Kant' u ya zi basela,  
 Mhla u ya u'dhl' imhlambi ye zinyamazane,  
 Nga seNkonjeni.  
 U ketelwe iqabi le zinkonkoni pezu kwe Ngwabi.<sup>10</sup>  
     iNyat' emnyama ka Punga no Mageba,  
 E bi tshoba li mhlope, na sogabeni ;  
 I fuz' amahlati, i wa pindela ;  
 I fuz' uNtanyēni, ya fuz' uMkombe ;  
 Y'enyuse izimfunda ze mful' embili,  
 Lap' i hlangana kona, iMfolozi ne Sikwebezi.  
 I ya u'dhlula ku Mfubeni, o zalwa uManxala,  
 Wa yi kip' e yo mnyateliso.

<sup>1</sup> U mpofu, njengo Pongolo.

<sup>2</sup> Induk' enkulu yo kupatwa.

<sup>3</sup> Udadewab' uDinuzulu.

<sup>4</sup> Namatela ; bambelela. Wa bambelel' ebukwini (inewadi), ngob' Mankulumana wa ye se beke uNyawana (uDavidi), umfowabo ; o m beke ngo mlomo. uSolomoni-ke u se bambelel' emazwin' alotshiweyo. Se ku bekwa yena-ke.


<sup>5</sup> Umuti ; u na meya. U w'eqa nxa e ya u'zingel' izinyamazane.

<sup>6</sup> Ibut' a geina ngal' uCetshway' uku-li-butu.

<sup>7</sup> Ibutu li ka Dinuzulu, u qalisa ngalo.

<sup>8</sup> Ihlati.           <sup>9</sup> La ku pakeme kakulu.

<sup>10</sup> Ihlati.



[Les' isitombe s'enziva u-A. F. Allerton, Pietermaritzburg.]

uSOLOMONI ka Dinuzulu.

“iNkayitshan’ enkulu, ka Menzi !  
 E pu' umlaza nga meva.”

**UMPANDE U QAMB' UMUZI KA NORADU,  
EKWELAMANENI**

UNORADU, umuzi wake wa wu qanjelwa iy' iNkosi, uMpande, e buz' ukuti : "Noradu, umuzi wako u su ngakanani na ?" Wa-ti-ke : "Qa ! Baba ! Ka uko ; ka ngi nawo." Ya-ti-k' iNkosi : "Wa-ti ku nawo ? Ngi ya buza mina, ngob' izinkomo wā zi qala ku Tshaka, u zi xotsha ; kwa vel' uDingana, wa inceku futi ka Dingana, wa zi xotsh' izinkomo. Naku-ke, u su inceku ; u ya zi xotsh' izinkomo.

"U qinisil' impela ukuti ka uk' umuzi na ?" "Wo, Baba ! Ngi qinisile, ka uko." "Izinkomo u zi xotsha nje, zi hlala-pi ?" "Wo, Baba, ka zi hlali ndawo." "Hau ! Imbala k'u elam' abanumzana njena na ?" U-ti-k' uNoradu : "Ng' elama bona. Ngibe ngi fike nazo izinkomo, a zi tat' umnewetu, uManqondo." Ya i si-ti-k' iNkosi : "Wo ! Ngi za ku-ba'-peta."<sup>1</sup> So ku hlakazekwa-ke, ku-yiw' endhlini.

Sekuti, kuti juqu kusasa, uNoradu u sed' e-zwa kuti nkene-nkene-nkene ; sengati ku kon' o pat' uNoradu. Sekuti umuntu lo omemezayo, u se-za ngalapa nga kwesikulu,<sup>2</sup> nga kwa Masipula. Ku ya xokoze'l endhlini, lapa be hlezzi kona. Yena, u se iloku e bek' indhlebe, esez' e-zwe so ku kuluma abapandhle ; a be-m' emgangeni, o nga kwa Masipula. So ku ikona e se mu-zwa-k' umuntu, e-ti : "Bamba, Noradu !" Kwa ikona e se pum' endhlini naye, e-zwa ku-tiwa : "U ye-zwa nje, uNoradu ka Mzwana na ?" Kwa ikon' e se pum' endhlini.

<sup>1</sup> Ukw-enz' icebo, e lizofike li b'ahlale.

<sup>2</sup> Isibayesikulu ; enhla no muzi, nga sesigodhlweni.

U ya pum' endhlini, u se bon' umhlambi nje, w-ehla no Mpeyana (ka Manqondo). Be z' amukelwe uye ; ub' e-zwa iloku ku menyewa, uyise e nge-zwakali. Kanti ba sesijwini (umsindo wa bant' abaningi abaxokozelay' endhlini). U se fika nazo-ke uMpeyana kuye. U se pambana naye e-y' eNkosini, e yo bong' iNkosi.

iNkos' i si-ti : "Qa, lezo nkomo, u bonga kodwa. Kāde, izinkomo amakosi e xotshisa, u z'apuewa abane-wenu. Lezi-ke, za namuhla, ngi-ti a zi ya u' cab' umuzi wami. Zi nga ngen' emzini leyo, ya banewenu. Ngi-ti, a zi yo kw-ak' umuzi, wa seKwelamaneni, ngoba w-elam' abanumzana." Nembala-ke, usufik' u caba-ke umuzi. Luko no mkake ba be ngapakati, kon' eMantandweni (umuzi ka Manqondo)—iwona muz' omkulka Manqondo.

Umhan' u su puma o wa seKwelamaneni, u se-nel' ukufika nazo uNoradu, se ku ményw' ibandhla, ub' a land' a we Nkosi, ukuti : "Ngi fika na lez' izinkomo nje, zi ingeupo. I-t' iNkosi ak' u yo catshw' umuzi wa se-Kwelamaneni."

uManqondo wa ye se mem' ibandhla, e se-ti ak' u yo yo catshw' umuzi wa seKwelamaneni. "Nifike ni w'ake kona namhlanje. uNoradu u ya hamba, u buyel' eNkosini." U su catshwa njalo ; u su wakiwa nge langa. U se tshay' inkunz' empemvu, ebomvu ; u se-s' insonyama ku mfowabo, uManqondo. So ku sal' eny' inku-nzi, e zo zek' e za seKwelamaneni.

Se zi hletshulwa pakati-ke ; se zi yo cab' omuny' umuzi. E se-ti, o wa soValweni (ngoba ilok' e tshaywa uvalo, e-zw' umunt' e momeza, e pat'u Noradu njalo) ; u se-ti ikohlo lake lowo.

uMpeyana,<sup>1</sup> (lo o w'āmukel' izinkomo), uNoradu u se m nik' imfukazi.

<sup>1</sup> Indodana ka Manqondo.

**UKUMISWA KWE NKOSIKAZI YE SIZWE SA  
KWA NYUSWA**

(Ku sa bus' uTshaka)

INKOS' enkulu ya kwa Nyuswa kwa ku uMapoloba. Uze wa ixegu inkosana yake e nga ka yi beki. oSirayo, no Mgabi, kanye na madodan' ak' amanye, aye sez' a ba amadoda, a tunga.

"Waze wa guga, inkosana yako u nga si tshelle na?" Ku buz' uNkeneza (ka Ngeengce, ka Mpipa), induna yak' enkulu. Zi kona fut eziny' e zi buzayo. Wa-ti: "A kw-aziwa ini, ukut' intombi i zo tatw' eMbo, ko Gewabe, e zo zal' inkosi yenu, nina maNyuswa na?"

uNkeneza wa wa tshel' amaNyuswa onke, amadoda na bafowabo uMapoloba, (ngoba ba be baning' abafowabo), ukut' inkos' i-tsho njalo. A se-t' amadoda: "O! Ehe! U si tshela kahle Nkeneza, tina luzalo lonke lwa kwa Nyuswa; sonke be si nga y'az' inkosi yetu." So ku tunywa, ku yo qonyisw' intombi eMbo, e zalwa uGewabe, intomb' e ngudadewabo ka Zihlandhlo. Ya i si-z' i zo gana. I si lotsholwa.

Ngo kuletsholw' intombi ye nkosi, kwa ku nqunyw' izinkomo zi gewal' isigodi, isihlambo. I si-za i zo sina. Ukubekwa kwe ntombi, esuk' i zo zal' inkosi, *i bekw' i se kubo, i sa lotsholwa*. I zo sina nje, so kw-aziwa ukut' uyena nkosikazi. Ngob' izinkomo e zi yi lobolayo á zi kitshwa inkosi yodwa; zi kitshwa amadod' onke, ama

kulu, la a izinsika zo muzi,—izinduna, na banumzan' a ba pet' imfula<sup>1</sup> yabo.

Intombi e zo bekw' inkosikazi, iketo layo li hlom' izihlangu, li twal' imqelete; njengokuba ku-yiw' empini. Iti (intombi), lap' i hlab' igamu lo kusina, i sine na bakubo (a fike nabo); bese ku suk' indun' enkulu ya ko nkosi (lap' i gana kona) i si m nik' induku, no msila we sihangu,—umsil' u tandiwe njeng' o wa sesihlangwini. It' ub' i m nik' umsila lowo, kanye ne nduku, i si konjis' abantu ba ka Mapoloba. Se ku-tiwa: "Lab' abantu óbako. Si ya ku nika lo muzi, mnta ka Gewabe; si-ti ówako. Nans' induku yo kutshay' amabuto. Lo mkumbi ka Mapoloba ówako."

I sit' ukub' i m nik' umsila lowo ne nduku, i si m tata nge ngalo, i si m faka pakati kwa mabuto; nawo a se sondel' eduze; a sondele njalo, a se rub' irubo lakub' elikulu, e li pezu kwa marub' onke.

Bese be b'apuca a ba kwa Gewabe; se be muka naye. Se be ruba, be viv' amaviyo. Se be-ya nay' ekaya (ngoba ku sinelwa pandhle). Ba m tshelle, ba-ti: "Si ku nik' induku nje, si-ti tshaya la maviyo (won' a wa kwa Nyuswa) ngoba ówako." Bala-ke, le nduku a yi nikiweyo, na maviyo e se vivile, e-nz' umzila; yena-ke, nga le nduku a yi nikiwe, u se tshay' emaviyweni, u tshay' ezihlangwini. A tshay' onk' umzila, onke amaviyo; a tshaye pambili na semuva.

U tshaya njalo, ba ya ruba. Ba hlab' inkwelo lapa ku tshaya kona umlobokazi. Inkwelo i hlatshwa kuyo yonk' indawo, i tshweke, irubo ba nga li yekile. Se li buya fut' iketo lapa-ke; li buya naye, li-z' esigcawini, lapa ku zo sinelwa kona. Umtimba u su buyele nganhla, njenge mtimba yonke. Iketo se li buyela nge-

<sup>1</sup> Izirotscha.

zansi, li qubula. Se li hleliwe izinduna, le-ma nge zigaba zalo.

So ku suk' isikoxe pakati, kanye na macāla. Intomb' i si fakwa kon' esikoxeni. Ne nkosi i kon' esikoxeni. Nayō, i ya sina. Ngob' isikoxe, é se zinduna, na banumzana bo kuzalwa, na be zirotsha (a se be zinkulelwana zakona). Intombi ka yi-mi i neikane ne nkosi. Ba nqanyulwa izikulu emkatini yabo.

Lo mkuba-ke, w-enziw' amakos' onk' o hlanga ; kwenziwa ukub' ungaze wa vela umbango se ku pambili.

Inkosikazi leyo ka Mapoloba yā m zalel' umntwana, indodana, uMiswayo. Wa ye se-fa-k' uMapoloba. We-nel' uku-fa, kwase ku tshon' ingane leyo. Inkosana-ke ka ya bako. Se ku zo suk' umbango-ke lapo, omkulu, ka Sirayo no Mgabi. Kwaze kwa isikat' eside be banga. Base be bizwa uTshaka-ke bobalili ; yena-k' u se ba hlanganisa. Umbang' u su pela-ke.

1 JAN. 1936